# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa




1

**Iphupho Lasendulo Likhuluma Kithina Manje**



2

**Isifundiswa esithile sasisesitimeleni ngolunye usuku, sifunda incwadi yaso, singanake lutho olunye. Umqophi wamathikithi wangena wacela ithikithi. Lendoda yakhwathaza emaphaketheni onke, kodwa ayilitholanga ithikithi. Yafunisisa futhi ngokukhathazeka.**
**Umqophi-mathikithi, ngomusa, wathi: Ungakhathazeki, mnumzane. Uma sewulitholile uze ulithumele ngeposi kwaLoliwe. Angingabazi ukuthi unalo.**
**Isifundiswa saphendula ngokukhathazeka sathi: Cha. Awuyazi inkinga yami. Kumele ngilithole lelithikithi ukuze ngibone ukuthi empeleni ngiyaphi!**
**Izigidi zabantu emhlabeni namuhla ziyabuza: Siyaphi? Ikusasa libonakala lingacacile. Abantu badidekile, bayazibuza ukuthi ngabe uyaphi lomhlaba wethu. Asisadingi ukubuza lowombuzo. Eminyakeni engu 2 500 eyedlule, iphupho lenkosi yasendulo lachaza umlando walomhlaba.**




3


**(Video: 10 sec) Ososayensi basitshela ukuthi sonke siyaphupha izikhathi eziningi ngobusuku ngabunye. Kodwa imvamisa yamaphupho ethu asiwakhumbuli.**



4

**Mhlawumbe okuyilona phupho elibaluleke kunawo wonke emlandweni yilelo elaphushwa eminyakeni engaphezu kweyi 2 600 eyedlule ezweni laseBabiloni. Indaba yaleliphupho ibhalwe kahle ngumuntu owayethintene nalo.**

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



5


**Incwadi kaDaniyeli, isahluko sesibili, iyasitshela ngalendaba.**
**Kodwa okunguyena owaphupha, inkosi enamandla uNebukadinesari, wayengasakhumbuli ukuthi waphuphani! (Mhlawumbe wayengafuni ukukhumbula). Wayazi ukuthi akulona-nje iphupho elejwayelekile. Wayazi ukuthi leliphupho kufanele libe nencazelo ebalulekile.**
**Nangempela yayibalulekile!**


6


**UNkulunkulu wayembonise iphupho eliphethe umlando womhlaba - ngendlela ekhethekile, okuqondene nelaseYuropu nase Middle East, umlando owawuqondene nezinsuku zikaNebukadinesari kuze kufike ekupheleni kwesikhathi!**


7

**Makabongwe uNkulunkulu ngokusambulela ngekusasa.**
**IBabiloni, umbuso wokuqala ukubusa umhlaba wonke, kwakuyiwona omkhulu, ocebile nonomthelela kunayo yonke imibuso emhlabeni ngaleso sikhathi.**
**Kanti nenkosi yakhona kwaku enamandla kakhulu. Lomholi wabantu wakwazi ukusebenzisa isihluku ukunqoba izitha zakhe ngasinye ngasinye. Umbuso wakhe waqina kunayo yonke.**


8

**Ngonyaka wesibili wokubusa kwakhe, inkosi uNebukadinesari waya kolala ezibuza ukuthi ngabe umbuso wakhe uyohlala isikhathi eside kangakanani. Njengabanye ababusi, wayefuna ukwazi ngekusasa. Ngalobo busuku, uNkulunkulu esezulwini, wabuka phansi emhlabeni, wakhetha ukwazisa lendlovukayiphikiswa, ikusasa.**


9

**Ekuvukeni kwayo ekuseni, inkosi yayikhathazekile. Yayiphuphile, futhi yayazi ukuthi lalibaluleke kakhulu lelophupho, kodwa yayingasakhumbuli lutho. Abantu baseBabiloni babewahlonipha amaphupho, nenkosi-ke yafuna ukulazi iphupho nencazelo yalo.**

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa


10

Yebo, embusweni kwakukhona abalozi, izanuse nabafunda izinkanyezi.
Wayenethemba ukuthi noma kanjani lezi zihlakaniphi zizomtshela ukuthi lisho ukuthini iphupho.
Yize noma kwakusentathakusa, babizelwa esigodlweni bonke labo abathi banolwazi.
Ekufikeni kwabo phambi kwenkosi, yathi kubo:



11

Daniyeli 2:3.
...Ngiphuphe iphupho, umoya wami ukhathazekile ukulazi iphupho.
Daniyeli 2:3.


12

Labantu babefana nabanye abaningi abazenza abanolwazi ngekusasa.
Babengayiqagela incazelo, kodwa babengeke basho ngokuqinisekile.
Emva kwesikhathi eside, bathi:



13

Daniyeli 2:4
...Mana njalo, nkosi;  yisho ezincekwini zakho iphupho, thina sibonise incazo.
Kodwa ukuzethemba kwabo kwanyamalala ngokushesha lapho inkosi seyikhathele ukuchitha kwabo isikhathi,  ithi:




14

Daniyeli 2:5, 6
Inkosi yaphendula yathi kumaKaledi:  Izwi liphumile kimi:



15

lokuthi uma ningazisi iphupho nencazo yalo, niyakuhlahlelwa,



16

izindlu zenu zibe yiquba.

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



17

Kepha uma nibonisa iphupho nencazo yalo, niyakwamukela kimi izipho



18

nemivuzo nodumo olukhulu, ngalokho ngiboniseni iphupho nencazo yalo.
Indimana 4 - 6.



19

Baphinda bazama ukuncenga inkosi ukuba ibatshele iphupho.  Ngalesisikhathi, inkosi yayisibonile ukuthi bangabakhohlisi.  Yabasongela futhi, ekugcineni, bavuma ukuthi ingaphezu kwabo lento.



20

Daniyeli 2:10, 11
AmaKaledi aphendula phambi kwenkosi, athi:  Akukho muntu emhlabeni ongabonisa indaba yenkosi;



21

ngokuba akukho nkosi, nanduna nambusi owake wabuza indaba enjalo nakwesisodwa isanusi, nabathwebulayo, naKaledi.



22

...kakho omunye ongayibonisa phambi kwenkosi ngaphandle kwawonkulunkulu abangahlali nabasenyameni.
Daniyeli 2:10, 11.



23

IBhayibheli lithi inkosi yathukuthela yayala ukuba babhujiswe labo abahlakaniphileyo.

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa


24

Ngebhadi, uDaniyeli nabangane bakhe abathathu babebalelwa kulabo abahlakaniphileyo, yize noma babengekho ngesikhathi inkosi ifuna ukwazi ngephupho layo.
Kuthe amabutho efika ukuzothatha uDaniyeli ukuba ayobulawa, wethuka, wacela ukunikwa isikhathi ukuze akwazi ukuxhumana naloNkulunkulu ongahlali phakathi kwabantu benyama, acele ukuhlakanipha kokuchaza iphupho lenkosi. (Izindimana 12 - 15)


25

Ngenxa yokumhlonipha kwayo inkosi uDaniyeli, yamvumela ukuba ake akhulume noNkulunkulu wakhe - uNkulunkulu onguMdali.
Kwaku ngumsebenzi owesindayo owawusemahlombe kaDaniyel.
Impilo yakhe kanye neyabangane bakhe, yayisengozini, kanti ngokunjalo nezimpilo zabo bonke abahlakaniphileyo eBabiloni!
UDaniyeli wabuyela endlini yakhe wasichaza isimo.


26

Bonke bacela umusa kuNkulunkulu wasezulwini ukuba abembulele lemfihlakalo, ukuze bangabulawa kanye nezihlakaniphi zaseBabiloni.
Ungazicabangela ukuthi wawunamandla kanjani lowomthandazo!
Izinsizwa ezine zamaHeberu zicela uNkulunkulu ukuba azibonise iphupho lenkosi engumhedeni singakapheli isikhathi esinqunyiwe! (Izindimana 16 - 18)


27

Lithi iBhayibheli uNkulunkulu kaDaniyeli ngabo lobo busuku walembula iphupho kuye ngombono wasebusuku.
UNkulunkulu wasezulwini wayizwa leyomithandazo!
Kanjalo uDaniyeli wabonga uNkulunkulu ezulwini wathi:



28

Daniyeli 2:23
Ngiyakubonga, ngikudumise wena Nkulunkulu wawobaba ongiphile ukuhlakanipha namandla,



29

**wangazisa esasikucela kuwe, ngokuba usazisile indaba yenkosi. Indimana 23.**
**Yeka leyo njabulo ezinhliziyweni zika Daniyeli nabangane bakhe abathathu!**
**UDaniyeli wagijima waya kuleso sikhulu esasizobabulala, uAriyoki, njengokusho kweBhayibheli:**



30

**Ngalokho uDaniyeli wangena kuAriyoki obemiswe yinkosi ukuba abhubhise abahlakaniphileyo baseBabele. Wahamba, washo kanje kuye, wathi:**



31

**Ungababhubhisi abahlakaniphileyo baseBabele; ngingenise phambi kwenkosi, ngibonise inkosi incazo. Daniyeli 2:24**


32

**Ekungeneni kukaDaniyeli phambi kwenkosi, uNebukadinesari wambuza ukuthi angalisho yini iphupho lenkosi kanye nencazelo yalo.**
**Ake sibone ukuthi uDaniyeli waphendula wathini enkosini:**



33

**Daniyeli 2:27, 28**
**...Imfihlakalo eyibuzayo inkosi, abahlakaniphileyo, nabathwebulayo, nezanusi, nabahlola imihlola, bangebonise yona inkosi.**




34

**Kepha kukhona uNkulunkulu ezulwini owambula izimfihlakalo; wazisile inkosi uNebukadinesari okuyakuba khona ngezinsuku ezizayo... Izindimana 27, 28.**


35

**Qaphela ukuthi uDaniyeli akazithathelanga udumo ngalolulwazi.**
**Wayazi ukuthi uNkulunkulu kuphela ongembula ikusasa.**

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa




36

**Isaya 46:9, 10**
**Ngokungangabazeki weyeyifundile incwadi kaIsaya 46:9, 10:**
**...Ngokuba nginguNkulunkulu akakho omunye; yebo, nginguNkulunkulu, akakho onjengami,**




37

**engimemezela ngaphambili okuyakuza, nasendulo izinto ezingakenziwa...**



38

**Lokhu kuhlakanipha kwavela kuNkulunkulu, owasebenzisa lelithuba ukweneka umlando womhlaba esikhathini esingange 2 600 yeminyaka kuNebukadinesari nakithina.**
**Okokuqala, uDaniyeli wendlalela leliphupho elabonwa yinkosi.**




39

**Daniyeli 2:29**
**Wena-ke nkosi, imicabango yakho yokuyakuba khona emva kwalokhu yafika kuwe usembhedeni wakho**




40

**owambula izimfihlakalo ukwazisile okuyakuba khona.**
**[ezinsukwini zokugcina]**
**Daniyeli 2:29.**




41

**Daniyeli 2:31**
**Okulandelayo, uDaniyeli uyalisho iphupho:**
**Wena, nkosi wabona, bheka isithombe esikhulu.**




42

**Lesisithombe esasisikhulu nesikucwebezela kwaso kwakukuhle sema phambi kwakho, nesimo saso sasesabeka.**
**Indimana 31.**

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



43

(Video:  9 sec) Sengathi siyayizwa inkosi isho ngokuthatheka ithi:  Yebo, yebo - yilona lelo!  Isithombe esikhulu ngaphezu kwakho konke okunye!
UDaniyeli ulichaza ngokusobala iphupho kangangoba uNebukadinesari akangabazi ukuthi yilona lelo aliphuphile.



44

Daniyeli 2:32, 33
Uyaqhubeka uDaniyeli:
Lesisithombe-ke, ikhanda laso liyigolide elihle, isifuba saso nezingalo zaso kuyisiliva, isisu saso namathanga aso kuyithusi,



45

imilenze yaso iyinsimbi, izinyawo zaso inxenye yinsimbi, inxenye yibumba.



46

(Video: 14 sec) Emangalisiwe, uNebukadinesari walalela uma uDaniyeli echaza okusansimbi esakhiwe ngakho isithombe ngendlela abesibone ngayo uNebukadinesari ephusheni.
Ikhanda kwakungelegolide elikhazimulayo.
Isifuba nezingalo kuyisiliva.
Isisu namathanga kuyithusi.
Imilenze kuyinsimbi, kanti izinyawo inxenye yinsimbi, inxenye ubumba.



47

Daniyeli 2:34, 35
Wawusubona ukuthi kwaqheshulwa itshe kungengazandla



48

lashaya isithombe ezinyaweni zaso eziyinsimbi nebumba, lazichoboza.

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



49

Kwase kuchotshozwa kanyekanye insimbi, nebumba, nethusi, nesiliva, negolide



50

kwaba njengamakhoba ezibuya zasehlobo, kwasuswa ngumoya, akutholwanga-ndawo;



51

(Video: 9 sec)
Inkosi kufanele ukuba yethuka ibona itshe livela esikhaleni ngesivinini, lishaya izinyawo zesithombe, lase lichoboza isithombe sonke saba luthuli olwathathwa umoya akwaze kwasala umkhondo walo.



52

Daniyeli 2:35
itshe elalisishaya isithombe laba yintaba enkulu lawugcwalisa umhlaba wonke.
Daniyeli 2:29 - 35.



53

(Video: 8 Sec)
Sicabanga ukuthi inkosi yathi:  Yebo, Daniyeli, itshe lajikijelwa ngaphandle kwezandla, lashaya isithombe laba yintaba eyagcwala umhlaba.
Iphupho lalinjengoba inkosi yayilibonile.  Cabanga-nje ukuthi uNebukadinesari wamangala kangakanani ukuzwa ngoDaniyeli konke ayekade ekuphuphile!



54

Inye into esibona ukuthi yacacela inkosi. Akukho muntu owayengembulela uDaniyeli konke lokhu. Akukho muntu ongatshela omunye ukuthi uphupheni! Kwembulwa ngamandla angaphezulu kuphela.

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa


55

Inkosi yayimangele manje ukuthi leliphupho liyithinta kanjani. Nathi singaba nomcabango ofanayo. Kodwa iphupho likaNebukadinesari liprofetha ngokuvuka nokuwa kwezizwe ezigqamile emhlabeni.
Lemibuso eyayithinteka ephusheni ngendlela ethile, yaba nomthelela kuzo zonke izizwe zomhlaba, ikakhulu ezikhathini zamanje.



56

Ngamagama ambalwa-nje, uNkulunkulu wadweba indlela yomlando kusukela esikhathini seBabiloni - iminyaka engu 600 ngaphambi kokuzalwa kukaJesu - kuze kufike ekupheleni komhlaba.
Ekugcineni, uDaniyeli wangena ekujuleni kwephupho.



57

Daniyeli 2:38
Ukunqoba empini nezakhiwo ezinhle zaseBabiloni kwakuhamba phambili.
Ababhali bomlando bayafakaza ukuthi igolide kwakuyinto efanelekile ukumela umbuso wase Babiloni.


58

Ukunqoba empini nezakhiwo ezinhle zaseBabiloni kwakuhamba phambili.
Ababhali bomlando bayafakaza ukuthi igolide kwakuyinto efanelekile ukumela umbuso wase Babiloni.


59

Igolide lalisetshenziswa ngokukhululeka ukuhlobisa izakhiwo zaseBabiloni. Qaphela indlela omunye achaza ngayo lomuzi omkhulu wasendulo:



60

Lalakhiwe ensimini yasempumalanga, lilingana nhlangothini zonke...lizungezwe umsele



61

amasango alu ethusi, izivande zalo ezilenga endaweni okusengathi yizitebhisi ezikhuphukayo...linezigodlo zobukhosi ezimbili..

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



62

umhlaba wonke wawuguqe ezinyaweni zalo, lalifana nendlovukazi ebuhleni bayo...




63

wawakhiwe lapho lomuzi, inhloko-dolobha yalowombuso owawufanekiswe nekhanda legolide.
- Uriah Smith, The Prophecies of Daniel and the Revelation, amakhasi 33, 34.



64

Izivande ezimangalisayo ezilengayo zaseBabiloni zazingesinye sezimangaliso eziyisikhombisa zomhlaba wasendulo!


65

Ukuba uDaniyeli wayengusopolitiki oyiqili ofuna ukuzakhela igama eBabiloni, wayezokuma khona lapho nencazelo yephupho.
Kodwa uDaniyeli wayenisigijimi uNkulunkulu ayefuna sambulelwe umhlaba - isigijimi esasingeke sigcine ngalezo zikhathi kuphela, kodwa esasizosebenza kuze kufike isiphelo somhlaba.



66

Daniyeli 2:39
Kanjalo uDaniyeli washo ngokuzithoba, kodwa ngesibindi enkosini ukuthi:
Emva kwakho kuyakuvuka omunye umbuso omncane kunawe.
Daniyeli 2:39.


67

Ukumoyizela kwenjabulo kwenkosi kwanyamalala masinyane lapho izwa lawomazwi kaDaniyeli.
Inkosi eziqhenyayo yaseBabiloni kusobala ukuthi yayingakaze icabange ukuthi esinye isizwe singabusa umhlaba.



68

Eqinisweni, abomlando ombiwa phansi sebephumelele ukwemba amakhekheba obumba abhalwe lamazwi kaNebukadinesari:

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



69

Ngaqinisa izinqaba zase-Esagila neBabele, ngaqinisa negama lombuso wami ngokwaphakade.



70

Daniyeli 4:30
IBhayibheli lisitshela ukuthi uNebukadinesari oziphakamisile "wakhuluma, ethi: 'Angithi yileli Babele elikhulu,



71

engilakhile libe yindlu yobukhosi ngezikhwepha zamandla ami, libe ludumo lobukhosi bami, na?
Daniyeli 4:30
Kodwa uNkulunkulu wathi kuzovuka omunye umbuso ozothatha indawo yombuso wegolide, iBabiloni.
Kanti futhi uDaniyeli waphila waze wakubona kwenzeka lokho.



72

(Video: 13 sec) Ngesikhathi sombuso kaBelishasari umzukulu oziqhenyayo kaNebukadinesari, uKoresi umMede wahlasela iBabiloni.




73

Ngo mhlaka 13 October, 539 B.C. umbuso wegolide wase Babiloni wachithwa ngendlela engahloniphekile.


74

Qaphela ukuthi uNkulunkulu wayeprofethe ncamashe ngokuthi iBabiloni liyonqotshwa ngubani, nokuthi kanjani.
Cishe iminyaka engu 200 ngaphambi kokuwa kweBabiloni




75

Isaya 45:1
UNkulunkulu, ekhuluma ngomprofethi uIsaya wathi: Usho kanje uJehova kogcotshiweyo waKhe, kuKoresi, osandla sakhe sokunene ngisibambile ukuba ngahlule izizwe phambi kwakhe



76

**ngithukulule izinkalo zamakhosi, ngivule iminyango phambi kwakhe, amasango angabe esavalwa.**
**Isaya 45:1.**



77

**UNkulunkulu waze washo nokuthi kuyokwenzeka ngesandla sikabani lokho: uKoresi wamaMede, iminyaka engu 150 ngaphambi kokuzalwa kwakhe.**



78


**(Video: 8 sec)**
**UKoresi akakwazanga ukudiliza izindonga ngoba zaziphakeme kakhulu, futhi zibanzi, ngakhoke waqhamuka nelinye isu:**
**Wayezojika ukugeleza komfula owawunqamula phakathi naphakathi nomuzi, ngaleyo ndlela amabutho akhe ayezokwazi ukuhamba lapho bekuhamba khona umfula, angene emzini.**
**Othile, mhlawumbe ngobudedengu noma ukunganaki, wayeshiye isango elikhulu lethusi livulekile futhi lingalindiwe!**


79

**Amabutho kaKoresi angena emzini abulala inkosi nezikhulu zayo besaphuza iwayini ngezitsha zegolide ezaziphangwe nguNebukadinesari mhla ayenqoba iJerusalema.**
**Wayekade ephange lezozitsha zegolide ethempelini likaSolomoni iminyaka eminingi ngaphambili.**


80

**UDaniyeli wayeprofethile ukuthi ngemuva kombuso wegolide waseBabiloni, omunye umbuso ongaphansana kweBabiloni, ofanekiswa ngesifuba nezingalo zesiliva, uyothatha izintambo.**



81

**Umbuso wobumbano wamaMede namaPheresiya nangempela wawungaphansi kulowo waseBabele ngezinga, kodwa wabusa elase Middle East iminyaka engu 200.**
**UDaniyeli waprofetha ukuthi lombuso wesiliva nawo uyofika esiphelweni:**

1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



82

**Daniyeli 2:39.**
**...Nomunye umbuso wesithathu wethusi oyakubusa emhlabeni wonke.**
**Daniyeli 2:39.**
**Kwenzeka ngempela lokho na? Yebo!**


83

**Lesi siprofetho ngesithombe sokusansimbi; isisu namathanga ethusi, sagcwaliseka mhla uAlexander the Great enqoba uDariyu III wasePheresiya empini yase Arbela ngonyaka ka 331 B.C. kanjalo umbuso wesithathu kwaba owamaGreki!**


84

**Eneminyaka engu 25 kuphela, umbuso kaAlexander waba omunye wemibuso ebanzi kweyake yaba khona emhlabeni.**



85

**Umbhali womlando ongumGreki, uArian, wabhala wathi ngo Alexander:**
**Ngiyaqinisa ukuthi akukho sizwe, namuzi, nabantu...lapho igama lakhe lingafinyelelanga khona...**



86

**Engqondweni yami sengathi kwakusebenza isandla songaphezulu ekuzalweni kwakhe kanye nezenzo zakhe.**
**- Historical Library, umqulu 16, isahluko 12.**


87

**Ngokufanelekile, eziningi izivikelo zamabutho amaGreki zazakhiwe ngethusi, insimbi yesithathu ephusheni likaNebukadinesari.**


88

**U Alexander washona ngaphambi kokuhlanganisa iminyaka engu 33, ebulawa umkhuhlane. Esefile, umbuso wakhe waba buthakathaka waze wehlukana izigaba eziningi, kwathi ekugcineni**

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



89

**Ngo June 22, onyakeni ka 168 B.C., empini yase Pydna, waphela umbuso ka Alexander the Great, iminyaka engu 144 ngemuva kokufa kwakhe.**
**- History of Rome, umqulu 3, isahluko 10.**



90

**Manje-ke sekuza okuyiwona mbuso owethusa kunayo yonke imibuso yasendulo.**
**Uzokhumbula ukuthi uNkulunkulu wathi kuyokuba khona imibuso yomhlaba emine, ngokulandelana.**




91

**Nangempela, imilenze yensimbi ichaza kahle umbuso wesine owawucekela phansi ngesihluku.**
**Nansi indlela uDaniyeli awuchaza ngawo enkosini:**



92

**Umbuso wesine uyakuqina njengensimbi...**
**Daniyeli 2:40.**


93

**OKhesari bakhona babezibiza ngonkulunkulu, befuna ukuhlonishwa nokudunyiswa ngabantu bonke, ngenkani.**
**Kwaku yilesi sikhathi embusweni wamaRoma lapho kwenzeka khona izehlakalo ezimbili ezibalulekile kulesizwe.**


94

**1. UJesu wazalelwa eBetlehema.**
**Kwaku ngundunankulu ongumRoma owakhipha umthetho wokuthi makubulawe bonke abantwana babafana eBetlehema ababeniminyaka emibili kwehle. Wayehlose ukubulala uJesu. Futhi**



95

2. UJesu wabethelwa eJudiya, elalingaphansi kokubuswa abaseRoma.
Undunankulu ongumRoma wavuma ukuthi uJesu athole isigwebo sokufa.
UJesu wabethelwa esiphambanweni ngamabutho amaRoma, kwabekwa nophawu lwamaRoma ethuneni laKhe kuzanywa ukumvimbela angavuki.
Isiyaguqukake indlela isiprofetho ebesihamba ngayo.
Akukho mbuso owodwa owawusayobusa umhlaba ngemuva kweRoma.



96

Daniyeli 2:41, 43
UDaniyeli wabhala wathi: Njengalokho wabona izinyawo nezinzwani, inxenye iyibumba lombumbi, inxenye insimbi,




97

uyakuba ngumbuso owahlukeneyo...



98

Ngamanye amazwi, umprofethi waprofetha ukuthi akuyikuvela umbuso wesihlanu, kodwa kuyohlakazeka umbuso weRoma, wensimbi.



99

njengokuba insimbi ingahlangani nebumba. Daniyeli 2:41, 43.


100

Ngamanye amazwi, umprofethi waprofetha ukuthi akuyikuvela umbuso wesihlanu, kodwa kuyohlakazeka umbuso weRoma, wensimbi.



101

(Video: 3 sec) I Roma lalizokwehlukana libe yimibuso eminingi.


102

Ukuqina kwensimbi kwalombuso waseRoma owasewubuse iminyaka engaphezu kuka 600, kwafadalala.


103

Ngenxa yokutamasa, inkohlakalo kwezombuso, nokungaziphathi kahle, iRoma yalahlekelwa ukusimama kwayo namandla ayo, yahlaselwa kalula yizizwe ezaqala ukwenza lokho phakathi kweminyaka uA.D. 351 no A.D. 476.


104

Inkosi u-Agustu wakhishwa ekubuseni, kanjalo iRoma yehlukana yaba yizingcezu eziningi, ezifanekiswe ngezinyawo nezinzwane zensimbi nobumba kulesithombe.



105

Njengalokho wabona insimbi ixubene nebumba lodaka, bayakuzixubanisa nenzalo yabantu



106

kepha abayikunamathelana omunye nomunye, njengokuba insimbi ingahlangani nebumba. Izizwe ezahlasela iRoma zawuhlakaza umbuso. Lokhu kuhlakazeka okufanekiswa ngezinyawo zensimbi nobumba, kwaba yisiqalo sezizwe ezihlala eYurophu zanamuhla.



107

(Video: 6 sec) Eziyishumi kulezizwe zichazwe kanje ngabazi umlando abaningi: Ama-Alamani - AmaJalimane, Ama-Bhegandi - AmaSwisi, Ama-Frenki - AmaFulentshi, Ama-Lombadi - AmaNtaliyane, Ama-Saxon - AmaNgisi



108

Ama-Suwevi - AmaPutukezi, AmaVisigothi - AbaseSpain; AmaHeruli, AmaOstrogothi, AmaVandali - Awasekho noma asaxubana nezizwe ezibazungezile.

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



109

Isimemezelo sikaNkulunkulu sokuthi lemibuso ngeke iphinde ibumbane ukwenza umbuso owodwa emhlabeni senza ukuthi amandla azo anqundeke.




110

Elase Yurophu liyohlala lehlukene.  Ngeke lihlangane! Yize noma kukhona Ubumbano lweYurophu nemali efanayo, lisehlukene.




111

Uthi yize noma bezama ukuhlangana ngokwakha ubuhlobo ngemishado, ngamanye amazwi, bayokwendisana ngokobukhosi.



112

Esigodlweni esiseDenmark, kukhona umfanekiso otshengisa uzalo lwemindeni yasebukhosini bamazwe aseYurophu.
Bonke bahlobene!  Babethemba ukuthi lokho kuzonciphisa izimpi.
Nokho, akuphumelelanga.




113

Abezwananga.  Ngaleyondlela, izimpi eziningi ezaliwa eYurophu kwakuyizimpi zomndeni!
UNkulunkulu wayeshilo ngaphambili ukuthi ngeke banamathelane.



114

Cabanga ngemizamo eminingi eyake yenziwa ukuhlanganisa izizwe zaseYurophu.
Kwenzekani kulabaholi bomhlaba abazama ukuhlanganisa iYurophu eyahlukene na?




115

UCharlemagne - WEHLULWA, uCharles V - WEHLULWA, uLouis XIV - WEHLULWA, uNapoliyoni - WEHLULWA, uKaiser Wilhelm - WEHLULWA, uHitler - WEHLULWA.
Esekudingisweni esiqhingini sase-Elba ngabo 1800, uNapoliyoni - leloqhawe laseFrance - wavuma ukuthi uNkulunkulu unamandla amakhulu kunaye.
UNkulunkulu wayenamandla amakhulu kunabo bonke!

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



116

UNkulunkulu wayethe:  ABAYIKUNAMATHELANA!
Lamazwi angaba umbhalo ofanelekile emangcwabeni abo bonke labaholi ababecabanga ukuthi bangabusa umhlaba!
Noma kunjalo, abantu basazama ukuhlanganisa amazwe aseYurophu, kodwa awahlangani, njengoba wayeshilo uNkulunkulu!
Bangenza izinto ndawonye, kodwa ngeke banamathelane!



117

(Video: 12 sec)
Sicabanga ukuthi uNebukadinesari wadideka ngalesiprofetho.
UNkulunkulu waprofetha ngokuwa kwemibuso emine yomhlaba.  Washo ngaphambili ukuthi iRoma iyolandelwa yizizwe eziningi, eziyisikhombisa kuzona zisekhona eYurophu yanamhlanje - ezinye zazo zinamandla, ezinye zibuthakathaka.  Zonke zehlukahlukene.


118

Yini eyayizolandela na?
Ngenjabulo nokuzethemba, uDaniyeli wase efika emvuthwa-ndaba wephupho.  Wabhala wathi:



119

Daniyeli 2:44, 45
Ezinsukwini zalawo makhosi uNkulunkulu wasezulwini uyakumisa umbuso ongasoze wachithwa



120

nobukhosi bawo bungayikushiyelwa kwabanye abantu, kepha uyakuchoboza, uqede yonke le mibuso, wona uqobo ume phakade.



121

Nansi incazelo yombono wetshe elaqheshulwa entabeni kungengazandla -

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



122

itshe elachoboza insimbi, nethusi, nebumba, nesiliva, negolide.



123

UNkulunkulu omkhulu uyazisile inkosi okuyakuba khona emva kwalokhu; iphupho liqinisile, nencazo yalo iyiqiniso.


124

Isigameko esilandelayo esikhulu emlandweni wabantu kuyokuba ukubuya kwesibili kukaKristu nokusekwa kombuso waKhe, ofanekiswe ngetshe elaqheshulwa kungengazandla.
Umbuso waKhe ngeke usekwe ngezandla zabantu, kodwa ngesandla esinamandla sikaNkulunkulu - umbuso oyogcwalisa umhlaba wonke.



125

Bese kugcwaliseka isiprofetho esithi:
...Umbuso wezwe usungoweNkosi yethu nokaKristu wayo; Iyakubusa kuze kube phakade naphakade. ISambulo 11:15.




126

Qaphela izigameko zokugcina ezikulesi profetho encwadini kaDaniyeli:



127

Ukubuya kwesibili kukaJesu.



128

Izizwe zomhlaba ziyofika esiphelweni.

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



129

**UNkulunkulu uyomisa umbuso waKhe**




130

**Umbuso uyokuma kuze kube phakade**



131

**UJesu uyogcotshwa njengeNkosi yamaKhosi.**



132

**Uyeza ukuzobusa phezu kombuso waphakade.**


133

**UDaniyeli eseqedile ukutshela inkosi iphupho layo eliyisimanga nencazelo kaNkulunkulu, inkosi uNebukadinesari wasukuma esihlalweni sakhe, ngokuzithoba wawa phambi kuka Daniyeli edumisa uNkulunkulu kaDaniyeli omkhulu, obonakalise ukuhlakanipha kwaKhe namandla aKhe ngalendlela enjena.**



134

**Daniyeli 2:47.**
**Inkosi yathi kuDaniyeli...Ngempela uNkulunkulu wakho unguNkulunkulu wawonkulunkulu, neNkosi yamakhosi, umambuli wezimfihlakalo...**
**Daniyeli 2:47.**
**Ngempela uNkulunkulu kaDaniyeli unguNkulunkulu engifuna abe ngowami - uNkulunkulu ophethe ikusasa esandleni saKhe!**

# 1 - Indlela Yokwazi Ngekusasa



135

Ngalesithombe esikhulukazi esabonwa nguNebukadinesari ephusheni iminyaka engu 600 uJesu engakazalwa, uNkulunkulu wembula izimfihlakalo zamakhulu eminyaka ezayo!

---


136

Yebo, sihlobo: Iphupho liqinisile, nencazo iyiqiniso. Uhambo selufika esiphelweni!
Isigameko esikhulu esilandelayo ukubuya kukaKristu emafwini ukuzomisa umbuso waKhe waphakade.

---



137

(Video: 5 sec) Imibuso efanekiswe ngegolide, isiliva, ithusi, nensimbi seyadlula yonke emlandweni. Okuzolandela kuyoba ukubuya kweNkosi yethu masinyane ngenkazimulo!

---


138

Ulungise ikusasa elihle eliyotholakala ngenxa yesiphambano esachashazelwa yigazi eKalvari. Sekuyisikhashane-nje ngaphambi kokuba zonke lezi zinto zigcwaliseke.
Kumanje-nje, uNkulunkulu ulungisa umbuso waKhe kanye nalabo abazokuba yinxenye yawo.

---



139

(Video: 7 sec) Singaqiniseka ngokuthi siyoba yinxenye yawo uma-nje ngokukholwa, senza lokho okwenziwa yisela esiphambanweni, lilenga phakathi kwezulu nomhlaba eduze kukaJesu.
Lalingakwazi ukusondela kuJesu, kodwa lalazi ukuthi liyisoni nokuthi lidinga ukusindiswa ezonweni elalizenzile.
Labheka uMsindisi womhlaba labona igazi ligeleza ebusweni baKhe livela kulelokhanda elalithwele umqhele wameva.
Inhliziyo yalo yathinteka. Lavuma izono zalo, lamemeza lathi:

---



140

Luka 23:42
Jesu, ngikhumbule nxa usufike embusweni waKho.
Luka 23:42.
UJesu walinika isiqiniseko sokuthi liyoba naYe kulowombuso.


141

**Nawe futhi, ungawuthandaza lowomthandazo uthole leso siqiniseko sokuthi uyokuba noKristu embusweni waKhe ozosekwa kulomhlaba masinyane.**



142

**Mathewu 25:34.**
**Khona niyokuzwa lesimemo esiphuma emlonyeni kaKristu ekufikeni kwaKhe:**
**...Zanini nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo... Mathewu 25:34.**


143

**Lomhlaba awukho ezandleni zomuntu wenyama. Usesandleni sikaNkulunkulu. Kanjalo singabhekana nekusasa ngesibindi. UKristu uyeza masinyane. Itshe elaqheshulwa kungengezandla lizoshaya isithombe. Imibuso yalomhlaba izochotshozwa.**
**UNkulunkulu uzongenisa umbuso waKhe waphakade.**


144

**Ungaba nesibindi kuloNkulunkulu.**
**Ungamethemba loNkulunkulu.**
**Ungaphumula ngokuthula esandleni saKhe.**
**Uyakubiza namuhla.**
**Uyakumema ukuba uze namuhla.**
**Uncenga inhliziyo yakho khona manje.**
**Ubungethande yini njengoba sizothandaza ukuthi: Yebo, Nkosi, ngizokwethemba ngokuphelele. Nginikela impilo yami kuWena khona manje?**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!




1

**Ukubhekana Nekusasa Ungenaluvalo**



2

**Ngelinye ilanga elihle ehlobo, ubaba othile nendodakazi yakhe eneminyaka eyisishiyagalolunye babebhukuda olwandle. Kwase kuyisikhashana bebhukuda lapho ibuya langenisa ngamandla amakhulu.**
**Amanzi athatha intombazanyana leyo yangena phakathi olwandle. Uyise wayengenandlela yokufinyelela kuyo. Kwakudingeka usizo ukuze ikwazi ukubuyela ogwini. Ngenhlanhla, esikhundleni sokutatazela, uyise wamemeza wathi: Hlamba, untante ngokuthula; ungesabi. Ngiyeza ukukuthatha.**
**Wasuka njalo uyise eyofuna isikebhe.**
**Ekubuyeni kwakhe nesikebhe kanye nabanye abatakuli, umoya wakhe washona phansi. Indodakazi yayingabonwa ndawo. Yayithathwe ulwandle yangena phakathi nalo.**
**Kodwa kuthe sebefinyelele kuyona, bayithola intanta izipholele njengoba uyise wayeyalezile.**



3

**Ngemuva kwalokho yabuzwa ukuthi ikwaze kanjani ukungatatazeli lapho iyodwa phakathi nolwandle. Yaphendula yathi: Ngivele ngenza lokho ubaba athe mangikwenze. Ngazile ukuthi uzobuya, bengingesabi.**
**Ithemba lalentombazanyana enesibindi layigcina iphila; lenza ukuba inqobe ize ihlangulwe.**
**Ithemba elikhulu eligcina thina maKristu, yithemba lokuthi uBaba wethu osezulwini sekuseduze ahlangule lomhlaba osengcupheni yokubhujiswa.**




4

**(Video: 10 sec) Kungekudala-nje, usosayensi wodumo wezwakalisa ukwesaba kwakhe ethi umhlaba hleze ubhujiswe kule nkulungwane yeminyaka .**
**Uthi ukungcoliswa komkhathi okwenziwa abantu kuzokwenza amazinga okushisa akhuphuke emhlabeni wonke,**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!



5

okuyokwenza ukushisa okuyingozi emhlabeni, futhi kube khona nezikhukhula, kuncibilike iqhwa elikwi Polar Region.
Kodwa kukhona abathi lomhlaba uyobhubha ngendlela eyehlukile kunaleyo.



6

Video: 5 sec) Kukhona abathi siyozibhubhisa thina empini yezikhali zenuzi.


7

Abanye bathi sizophelelwa ukudla nezinye izidingo zokuphila njengoba isibalo sabantu sikhula kangaka.


8

Kukhona nabanye abathi siyokufa sonke ngenxa yenkanyezi enkulu, iComet, eyoshayisana nomhlaba.


9

Bese kuba khona labo abathi ngelinye ilanga kuyofika abantu abahlala esibhakabhakeni basibulale.
Abaningi kithina banokunye abangakusho.


10

Sithola kulukhuni ukuthola umsebenzi ukuze sizondle; kulukhuni ukubambisana nabanye abantu. Kulukhuni ukubhekana nosizi noma nokufa.


11

Kwabaningi kithina, impilo ayilula.
Kulukhuni kangangoba ngesinye isikhathi sifisa sengathi umhlaba ungabhubha!
Eqinisweni ngabe ukuphila kwenzelwe ukusizwisa ubuhlungu, nendlala nokukhathazeka? Sifuna umhlaba ongcono!

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!


12


**Sihlobo sami, zikhona izindaba ezimnandi!  Umhlaba wona uzobhubha.  Futhi ukhona umhlaba ongcono ozayo!**


13

**Cishe sonke singafisa ukwazi ukuthi umhlaba uyophela kanjani, nokuthi nini.**
**Ngabe uyobhubha ezinsukwini zethu - noma ezinkulungwaneni zeminyaka kusukela manje?**


14

**Ubani-ke oqinisile ngokuthi uyobhubha kanjani? Abaswelakali osiyazi abathi bayazi.**



15

**Kodwa inkinga ukuthola abaprofethi noma osiyazi abazoshaya emhloleni - yenzeke ngempela into abayiprofethayo!**



16

**(Video:  15 sec) Kodwa bewazi-nje ukuthi ukhona lowo oziprofetho zakhe zonke ziyagcwaliseka ngaphandle kokugeja?**
**Lowo ongasitshela ngaphandle kokungabaza ukuthi umhlaba uzobhubha - nokuthi ngabe uzobhubha masinyane noma ngemuva kwezinkulungwane zeminyaka. Akufanele kusimangalise ukuzwa ukuthi lowo owadala lomhlaba - lowo owayekhona ekuqaleni - uyena futhi owaziyo ukuthi uyobhubha nini.**
**Sihlobo, uJesu Kristu, uNkulunkulu wendalo, angasiyisa esikhathini esizayo ngezwi laKhe. UnguMqondisi owethembekayo.**
**Ubani ongaba nolwazi olungcono ngesiphelo ngaphezu kwalowo owayekhona ekuqaleni?**


17

**IBhayibheli lisitshela ngesigameko esithathekisayo empilweni kaJesu Kristu.**
**Ngelinye ilanga abafundi baKhe bamdonsela eceleni, bamtshengisa izakhiwo zethempeli elalisandu kwakhiwa kabusha umbuso wamaRoma.**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!


18

**Ithempeli kwaku esinye sezakhiwo ezihamba phambili kuwo wonke umbuso wamaRoma. Lalithathekisa! Eselibukile, uJesu wakhuluma into eyashaqisa abafundi baKhe. Wathi:**



19

**(Mathewu 24:2)**
**...Anikuboni konke lokhu na? Ngiqinisile ngithi kini:**



20

**Akuyikushiywa lapha itshe phezu kwetshe elingayikudilizelwa phansi.**
**Mathewu 24:2.**


21

**Lesi kwakuyisona sakhiwo esibalulekile esizweni samaJuda, nokho uJesu waprofetha ngokuthi siyochithwa sibe yize.**


22

**Abafundi bashaqeka!**
**Kwathi sebeya eNtabeni YemiNqumo, babuza uJesu umbuzo sonke esasingawubuza:**



23

**(Mathewu 24:3)**
**...abafundi beza kuYe eyedwa, bathi: Sitshele ukuthi lokhu kuyakuba-nini.**



24

**Nesibonakaliso sokuza kwakho nesokuphela kwezwe siyakuba-yini na?**
**Mathewu 24:3.**


25

**Niyabona, abafundi babona ukuthi uma lesakhiwo sichithwa, lokho kufanele kuhambisane nokubuya kukaKristu kanye nesiphelo somhlaba.**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!


26

Kodwa encwadini kaMathewu, isahluko 24, sithola ukuthi uJesu wayekhuluma ngezigameko ezimbili ezehlukene.


27

Esinye sazo, ukubuya kwaKhe kwesibili - ukubuyela kulomhlaba ngenkazimulo ezokweseka umbuso ongenakuphela kulomhlaba.



28

(Video:  6 sec)
Esinye yileso esasiyobonwa abantu abaningi ababeyobe bephila ngalesosikhathi.
Leso, ukubhujiswa kweJerusalema kanye nethempeli.
UJesu wase eqhubeka etshela abafundi baKhe lokho okwakuyokwenzeka ethempelini.



29

(Mathewu 24:15 - 16)
Ku Mathewu 24:15, 16, uthi:Ngakhoke nxa nibona amanyala encithakalo ashiwo nguDaniyeli umprofethi,



30

emi endaweni engcwele - ofundayo makaqaphele -



31

Khona abaseJudiya mababalekele ezintabeni,



32

Daniyeli wayeprofethile ngokuchithwa kweJerusalema. Manje uJesu usekhumbuza abafundi baKhe ukuthi iziprofetho zikaDaniyeli zizogcwaliseka masinyane.

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!



33

**(Mathewu 24:17 - 18)**
**KuMathewu 24:17, 18 uthi:**
**Ophezu kwendlu angehli ukuyothatha okusendlini yakhe.**



34

**Osensimini angabuyeli emuva ukuyothatha ingubo yakhe.**



35

**Ngamanye amazwi wayebatshela ukuthi mabobaleka ukuze kusinde ukuphila kwabo, ngoba uma bebona amabutho ezungeze iJerusalema, ukubhujiswa kwalo kwakuyobe sekufikile.**



36

**(Luka 21:20)**
**Ku Luka 21:20, uJesu uthi: Kepha nxa nibona iJerusalema lihanqiwe yizimpi, yazini ukuthi sekusondele ukuchithwa kwalo.**
**Waqhubeka wabatshela noma bakuphi mhla bebona lawo mabutho, mabobaleka.**




37

**(Luka 21:22, 24)**
**Ngokuba lezi ziyizinsuku zempindiselo ukuba kugcwaliseke konke okulotshiweyo.**



38

**Bayakuwa bedliwa yinkemba, bathunjelwe ezizweni zonke.**



39

**IJerusalema liyakunyathelwa phansi ngabezizwe, kuze kugcwaliseke izikhathi zabezizwe. Luka 21:22, 24**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!



40

Ngomnyaka ka A.D. 66, cishe iminyaka engu 33 ngemuva kokuba uJesu enza lesi profetho, amabutho amaRoma eholwa ngu Cestius, afika ukuzothulisa



41

udweshu olwaluqubuke eJerusalema. Amabutho esahanqe umuzi njalo, izakhamuzi zamelana nawo amabutho amaRoma, kwaze kwathi



42

ekugcineni, ahoxa, esengenalo ithemba lokuthi angase awunqobe umuzi waseJerusalema.



43

(Video: 6 sec) Labo abasilalela isexwayiso sikaJesu basinda ekubhujisweni kweJerusalema, abaze bafa ngesikhathi amaRoma eselinqoba iJerusalema.


44

Balinganiselwa ku 1 100 000 abantu abafa kuleso sigameko. Abalalelanga umyalo kaJesu wokuthi abobaleka uma amabutho amaRoma ehoxa ngo A.D. 66. Lokhu kuyisifundo esibalulekile sokuthi masiqaphele lokho okushiwo yisiprofetho mayelana nezibonakaliso zezikhathi.
Labo abamkholwa uKristu, baqaphela izibonakaliso ayezishilo, basinda, kodwa abangakholwanga, babhubha.
Kuyokuba njalo nasekupheleni komhlaba - abakholwayo baqaphe, bayosinda, ngesikhathi abangaqaphile nabangakholwa bebhubha.



45

(Video: 5 sec) Ithempeli elihle-ke lona? UTito, umkhuzi wamabutho aseRoma, owayephethe lomsebenzi wokuthunjwa kweJerusalema, wayekade enikeze umyalo wokuthi amabutho akhe angalonakalisi ithempeli. Kodwa elinye lamabutho laphonsa isikhuni esivuthayo ngomnyango

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!


46

ithempeli lasha langqongqa!
Akusalanga itshe phezu kwelinye.


47

Isiprofetho sikaJesu kubafundi baKhe eminyakeni engu 40 ngaphambili, sagcwaliseka njengoba ayeshilo.
Ngabe thina sizozishaya indiva na izibonakaliso esizinikwe uJesu maqondana nesiphelo somhlaba, noma sizoziqikelela, silungele okuzayo?
Siyokwazi kanjani lapho isiphelo somhlaba sesisemnyango na?
UJESU USINIKA IZIBONAKALISO EZICACILE.



48

Ake sibuke ezinye zalezibonakaliso kulezikhathi zethu!
Ku Mathewu 24:7, uJesu uthi:



49

(Mathewu 24:7)
Ngokuba isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso.



50

Kube khona indlala nokuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo. Mathewu 24:7.
Kuleminyaka eyinkulungwane esukela ku1900, kuchitheke igazi eliningi ukwedlula zonke izikhathi emlandweni wabantu.



51


(Video: 20 sec) Impi yomhlaba wonke yokuqala yedlula nemiphefumulo eyizigidi ezingu 20. Eyesibili yadlula nabantu abayizigidi ezingu 50.
Noma wonke umuntu wayecabanga ukuthi impi nenzondo kuzophela, nokho zisekhona izimpi.
Kubonakala sengathi umhlaba uyahlanya. Lesi esinye sezibonakaliso sezikhathi.

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!



52

Izizwe zikhuluma ngokuthula, kodwa zivivela impi. Esinye isiprofetho seBhayibheli mayelana nokuthula nokulungiselela sithi:



53

(1 Thesalonika 5:3)
Nxa bethi: Ngukuthula nokuhlala kahle, khona ukubhujiswa kuyabazuma...
1 KwabaseThesalonika 5:3.
Sikhuluma ngokuthula, kodwa akukho ukuthula! Wonke umuntu ufuna ukuthula! Kodwa ukukhuluma ngomlomo nje kuphela!


54

IBhayibheli lithi ezinsukwini zokugcina zalomhlaba abantu bazokuba nolwazi lokubhubhisa umhlaba.




55

(ISambulo 11:18)
Nezizwe zazinolaka, kepha kwafika ulaka lwaKho...nokubhubhisa ababhubhisa umhlaba.
ISambulo 11:18.
Akuzange kwenzeke ngaphambili ukuthi abantu babe nolwazi lokubhubhisa kona lokho okuyisisekelo somhlaba.


56

Ukwakhiwa kwebomu leNuzi, kunike abantu ulwazi lokubhubhisa umhlaba uqobo lwawo.


57

Abashokobezi sebethole indlela yokuthenga noma ukweba ezinye zalezikhali zenuzi ezazikade zivikelwe ngaphambili. Ezinye zalezikhali eziyingozi sezinyamalele, ezinye zisezandleni zamuntu-mumbe ofuna ukuzisebenzisa noma azithengise.

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!



58

Iphepha-bhuku elihlonishwayo like lasho ukuthi ulwazi lokwakha ibomu yenuzi seluyatholakala emitapweni yezincwadi eminingi emhlabeni jikelele. Ngokucindezela inkinobho yekhompuyutha, ungaba nakho ukuluthola lolo lwazi.



59

Video:  5 sec) Ubani onazo lezizikhali, futhi ngabe ufuna ukwenzani ngazo kungekudala?  Njengoba zingezinkulu kunesikhwama sezimpahla (suitcase), zingacushwa nomaphi, kanti eyodwa-nje yalamabomu ingabhubhisa elinye lamadolobha amakhulu emhlabeni.



60

INkosi yathi kuyokuba khona izinhlekelele ezehlukeneyo ezinsukwini zokugcina.



61

(Mathewu 24:7)
...Kuyakuba khona indlala...
Mathewu 24:7



62

Kukhona indlala ezindaweni eziningi emhlabeni.



63

Kulinganiselwa ekuthini abantu abayizigidi ezingu 57 bazolamba kulonyaka uwodwa nje.  Lokhu kusho ukuthi kuzokufa abangu 156 000 nsuku-zonke ngenxa yendlala.



64

Kulezigidi-gidi zabantu abasemhlabeni, abangamashumi ayisithupha ekhulwini abondlekile kahle, kanti abangamashumi amabili ekhulwini bazobulawa yindlala.
UJesu wathi indlala iyokuba esinye sezibonakaliso zokuphela.

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!




65

**(Video: 5 sec)**
**Abaziyo basitshela ukuthi nxa ukwanda kwabantu sekudlula ukukhiqizwa kokudla, noma kanjani singalindela indlala, izifo nezimpi zombango wokudla. Sizozondla kanjani izigidi-gidi zabanye abantu kanti kumanje-nje ababili kwabathathu bayalamba?**




66

**(Luka 21:25)**
**UJesu wachaza izinnkinga zezinsuku zokugcina zomhlaba ngokuthi: emhlabeni usizi luyakwehlela abantu...**
**Luka 21:25.**




67

**UJesu wathi kuyakuba khona izifo ezingelapheki:**





68

**(Mathewu 24:7)**
**...kube khona indlala nezifo, nokuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo.**
**Izifo okukhulunywa ngazo lapha yilezo ezingejwayelekile.**




69

**Ziningi lezi zifo ezingejwayelekile, yize ulwazi kwezokwelapha seluthuthuke kangaka.**




70

**Ingculazi, umalaleveva, inyumoniya, iT.B, i-ebola, ugcusula ne kholera.**




71


**Lenhlangano ithi kumanje-nje bayizidi ezingu 40 abanegciwane lesandulela-ngculazi (H.I.V.)**
**Izizwe ziyophela ebusweni bomhlaba uma kungekho okwenziwayo.**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!



72

Esinye isibonakaliso sezikhathi ukungcoliswa kwendawo esihlala kuyo.
IBhayibheli laprofetha ukuthi umhlaba uzoguga.
Encwadini kaIsaya 51:6, uNkulunkulu uthi:




73

Phakamiselani amakhanda enu ezulwini, niwubheke umhlaba phansi.



74

ngokuba izulu liyakunyamalala njengomusi, umhlaba uguge njengengubo...
Ayikho indlela engcono kunalena yokuchaza isibhakabhaka nomhlaba njengoba sekuya esiphelweni.


75

Isibhakabhaka phezu kwamadolobha amaningi amakhulu sigcwele amakhemikhali anobuthi esiwaphefumulayo angene emaphashini ethu.



76

Izingqwembe ezichonywe emadolobheni amaningi zixwayisa ngengozi yomoya ongcolile.



77

(Video: 5 sec)
Ezindaweni eziningi amanzi awasakulungele ukuthi angaphuzwa ngenxa yazo zonke izinto eziyingozi ezikuwo.



78


Umlotha wenuzi uyinkinga enkulu ukuthi ungalahlwa kanjani.
Abasebenzi kwenye ifektri enkulu bayakhokhelwa ngenxa yokugula abakuthola lapho besebenza khona.


79

Sizowutholaphi ugesi kanye namanzi nomoya ohlanzekile na? Sizokutholaphi ukudla?

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!






80

(Video: 6 sec) Njengoba isibalo sabantu emhlabeni sikhula ngesivinini, abantu bazokuba nenkinga yokuphila emhlabeni!



81

(Luka 21:25)
Emhlabeni usizi luyakwehlela izizwe...
Luka 21:25



82

IBhayibheli liphinde likhulume ngokuzamazama komhlaba.



83

(Mathewu 24:7)
...Kuyakuba khona ukuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo.
Mathewu 24:7.
Sibone ukwanda okukhulu kwesibalo sezindawo ezihlaselwa ukuzamazama komhlaba.



84

Umnyaka ngomnyaka kuba khona izigameko zokuzamazama okukhulu komhlaba ezingu 6000 emhlabeni.



85

(Video: 10 sec) Kuleminyaka engu 90 eyedlule-nje, kufe abangu 1 500 000.


86


Kamuva-nje, sibona ukuzamazama komhlaba kudlula nemiphefumulo ephakathi kuka 20 000 no 30 000 ngesigameko esisodwa.
Abaningi benu bazokhumbula ukuzamazama okwehlele amazwe ahlukene.

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!




87

(Luka 21:11, 25)
Lithi iBhayibheli: Kuyakuba khona ukuzamazama okukhulu komhlaba nobici nendlala izindawo ngezindawo,



88

kube khona izinto ezesabekayo nezibonakaliso ezinkulu ezivela ezulwini.



89

Kuyakuba khona izibonakaliso elangeni, nasenyangeni nasezinkanyezini; nasemhlabeni usizi luyakwehlela izizwe,



90

zixakeke ngokuduma kolwandle namaza.
Luka 21:11, 25.



91

(Video: 17 sec) Qaphela ukuthi kuthiwa ulwandle namaza kuyoduma.
Emhlabeni wonke, sesike sabona isimo sezulu esingejwayelekile.
Izikhukhula ezihambisana namagagasi; izivunguvungu; izishingishane; izintaba-mlilo -zonke lezi zinto zenza umonakalo owesabekayo empahleni nakubantu.



92

IBhayibheli lisinika esinye isibonakaliso. Izimilo ezinsukwini zokugcina.
UJesu waqhathanisa isimo emhlabeni ezinsukwini zokugcina neSodoma neGomora, imizi emibili eyayikhohlakele kabi.
Ekugcineni uNkulunkulu wayibhubhisa ngomlilo ovela ezulwini.



93

(Luka 17:28, 30)
Kanjalo njengokuba kwenzeka nasemihleni kaLoti...

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!




94

**Kuyakuba njalo ngosuku eyakwambulwa ngalo iNdodana yomuntu.
Luka 17:28 - 30**





95

**(Juda 1:7)
UJuda wabhala wathi: ...Njengokuba iSodoma neGomora nemizi yangakhona yenza ubufebe ngendlela efana neyayo
Juda 7.**



96

**UPawulu, ekhuluma ngokwehla kwezimilo kulemizi emibili, uthi:**




97

**(KwabaseRoma 1:26, 27)
...Ngokuba abesifazane babo baguqula ukwenza kwemvelo kwaba ngokuphambene nemvelo.**




98

**Ngokunjalo nabesilisa bayeka ukwenza kwemvelo kowesifazane, basha ngokukhanukelana,**




99

**Abesilisa benza okuyichilo kwabesilisa...
Kwabase Roma 1:26, 27.**




100

**(2 Thimothewu 3:2 - 5)
Abantu bayokuba abazithandayo, nabathandimali, nabazigabisayo, nabazidlayo, nabahlambalazayo, nabangalaleli abazali, nabangabongiyo, nabahlazisayo**




101

**nabangenaluthando, nabahlebi, nabangazithibi, nabangenabumnene, nabangathandi okuhle**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!



102

nabakhapheli, nabanamawala, nabakhukhumele, nabathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu



103

nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika.
2 Thimothewu 3:2 - 5



104

(2 Thimothewu 3:13)
Kungaba khona ububi obedlula lobu? Yebo. Ngiyadabuka ukusho ukuthi ... ......Abantu ababi nabakhohlisi bazakuqhubekela phambili ebubini, bedukisa, bedukiswa.



105

Esinye sezibonakaliso sezikhathi esigqamile esashiwo uJesu, ukufika kokristu kanye nabaprofethi bamanga. UKristu wexwayisa ngalabokristu nabaprofethi bamanga ababezoqhamuka badukise izwe.



106

(Mathewu 24:23 - 24)
Khona uma umuntu ethi kini: Bhekani, nangu uKristu noma: Nanguya, ningakholwa.



107

Ngokuba kuyakuvela okristu bamanga nabaprofethi bamanga, baveze izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso ukuze kudukiswe



108

nabakhethiweyo uma kungenzeka. Mathewu 24:23 - 24

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!



109

**(Mathewu 24:26)**
**Ngakhoke uma bethi kini: Bhekani, usehlane, ningaphumi.**
**Mathewu 24:26.**
**Ngeke kube khona isidingo sokuya noma-phi, ngoba uJesu wathi:**




110

**(Mathewu 24:27)**
**Ngokuba njengonyazi luphuma empumalanga, lubonakale kuze kube sentshonalanga,**



111

**kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.**
**Indimana 27.**



112

**(ISambulo 1:7)**
**Futhi siyatshelwa ukuthi: Bhekani, uyeza namafu, namehlo onke ayakumbona, nabo abamgwazayo...**
**ISambulo 1:7.**


113

**Siyokumbona mhla efika! Ngeke kube khona isidingo sokuba kube khona ozositshela mhla efika uJesu nazo zonke izingelosi zaKhe ezingcwele!**



114

**Isibonakaliso sokugcina nesikhulu kunazo zonke esazinikwa uJesu, ukuthi ivangeli liyofinyelela emhlabeni wonke.**
**Kuzo zonke izibonakaliso yilesi kuphela esingakafezeki.**



115

**(Mathewu 24:14)**
**Mathewu 24:14: UJesu wathi: Leli vangeli lombuso liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ngubufakazi ezizweni zonke, ANDUKUBA KUFIKE UKUPHELA.**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!



116

**Encwadini yeSambulo, sithola ukuthi uNkulunkulu uyasichaza lesi simemezelo esikhulu.**




117

**(ISambulo 14:6)**
**Ngase ngibona enye ingelosi indiza emkhathini wezulu,**




118

**inevangeli eliphakade ilishumayela kwababehlezi emhlabeni,**





119

**nakuzo zonke izizwe, nemindeni, nezilimi nabantu. ISambulo 14:6.**
**Uyazi-nje ukuthi khona manje, kulenkonzo, ubona ukugcwaliseka kwalesiprofetho?**
**Lokhu esikwenzayo njenga manje yinxenye yokushunyayelwa kwevangeli eliphakade kubo bonke abantu.**



120

**Ivangeli lishunyayelwa nge TV, ngomsakazo, ezinkonzweni zemvuselelo, ngeInternet, ngezifundo zeBhayibheli emakhaya kanye nezifundo zeposi emhlabeni wonke.**



121

**UDaniyeli wathi ulwazi luzokwanda. Ezinsukwini zokugcina zomlando walomhlaba, incwadi kaDaniyeli yambuliwe, kanjalo lokho kuzoletha ukukhula kolwazi ngecebo likaNkulunkulu ngalomhlaba kanye nokukhula kolwazi kwezeSayensi.**




122


**Isikhathi siyaphela!**
**Izono ezabangela ukubhujiswa komhlaba ngezinsuku zikaNowa, zikhona namuhla.**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!





123

**Kubonakala sengathi abantu baqonde ukuzibhubhisa ngokwabo, njengoba sibona izigigaba ezenzekayo kuleminyaka.**
**UJesu waqhathanisa imihla yethu nezinsuku zikaNowa.**



124

**Abantu bezinsuku zikaNowa babenake ukwenza imali, bengenasikhathi sezinto ezingcwele.**




125

**(Mathewu 24:37 - 39)**
**UJesu, encwadini kaMathewu 24:37 - 39 wathi: Ngokuba njengasemihleni kaNowa, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.**




126

**Ngokuba njengasezinsukwini lezo ezandulela uzamcolo, babedla, bephuza,**




127

**beganwa, bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angena ngalo emkhunjini,**



128

**abazanga kwaze kwafika uzamcolo wabakhukhula bonke,**



129

**kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!


130

UJesu wathi ukubuya kwaKhe kuyokuba njengasemihleni kaNowa.
Abantu bayobe bengcebeleka, bengenasikhathi ngoNkulunkulu. Bayobe bethanda injabulo ngaphezu kokuthanda uNkulunkulu.


131

Imizuzu yokugcina ewashini iya ekupheleni.
Masinyane iNdodana kaNkulunkulu izogqobhoza isibhakabhaka esigcwele izinkanyezi, iphelekezelwa yizingelosi ezingenakubalwa.
UNkulunkulu ululindele ngamehlo abomvu lolosuku, kungekhona ukuthi ujahe ukubhubhisa umhlaba, kodwa ukuze athathe abaKhe abayise ekhaya.
Lelokhaya lilindile. Selilungisiwe!


132

Njengoba sibuka izibonakaliso emhlabeni namuhla, singabona ngokuqinisekile ukuthi sekusondele kangakanani ukubuya kukaJesu.
Izinto manje zifana nangesikhathi sokuzalwa kukaJesu kulomhlaba.
Ngaleso sikhathi, uNkulunkulu wayenikeze izibonakaliso eziningi ukuze abantu bazi ukuthi uJesu wayezofika nini kulomhlaba.




133

(Video: 7 sec) Iwashi lancinciza iminyaka engu 4 000, uNkulunkulu waze wathumela izingelosi nezazi ukwazisa abantu ngokufika kwaKhe.



134

(Johane 1:11)
Kodwa kuyadabukisa ukuthi: Weza kwabaKhe, abaKhe abamamukelanga. Babengamlungele.


135

Zihlobo, uJesu usinikile zonke lezi zibonakaliso ezithi uyabuya futhi masinyane. Wathi:

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!





136

**(Mathewu 24:33 - 34)**
**Nxa nibona konke lokhu, yazini ukuthi iseduze ngasemnyango.**



137

**Ngiqinisile ngithi kini: Lesi sizukulwane asiyikudlula kungakenzeki konke lokhu.**
**Mathewu 24:33, 34.**


138

**Ngabe sizomamukela kulokhu - noma sizomjabhisa futhi? Isikhathi sihambile. Akumele sidlale ngaso.**


139

**Umkhumbi obizwa ngokuthi iCentral America waphuma echwebeni laseNew York wantweza olwandle i-Atlantic ulibangise ngase Panama Canal, kwatholakala ukuthi unembobo engenisa amanzi. Omunye umkhumbi wathola umyalezo ngalomkhumbi osenkingeni, waqonda kuwona ukuyosiza. UKaputeni walomkhumbi wesibili wathumela umyalezo ebuza ukuthi ngabe yini inkinga.**
**Yabuya impendulo ithi: Kubi! Siyacwila. Linda kuze kuse!**
**UKaputeni walomkhumbi wayeyibona iCentral America intenga-ntenga, waphendula wathi: Ngivumele ngitakule abagibeli bangene kowami khona manje. Kwase kuhwalala. UKaputeni weCentral America akafunanga ukwenza lowomsebenzi sekumnyama ngoba wayesaba ukuthi kuzokuba yingozi, waphinda wathi: Linda kuze kuse.**
**UKaputeni womkhumbi wesibili waphikelela ethi mabatakulwe abagibeli khona ngaleso sikhathi. Kodwa impendulo yathi Cha! Amatilosi omkhumbi wesibili ayezibona izibane zeCentral America zishona zibuye zikhuphuke emagagasini. Kwadlula ihora nesigamu, zasithela okokugcina izibane zeCentral America. Yacwila kanye nabo bonke ababekuwo.**

# 2 - Izibonakaliso Ongeke Ungazinaki!


140

**Ukulibala kungaba nomphumela wokufa kwaphakade. Kukhona izikhathi lapho kudingeka wenze isinqumo khona lapho.**
**UKaputeni weCentral America wayecabanga ukuthi akukho nkinga ngokulinda kuze kuse, kodwa lokho kwakuyiphutha elikhulu.**
**IBhayibheli lithi: Namuhla usuku lokusindiswa. Musa ukulibala. Musa ukungabaza. Musa ukulibala.**
**Kungani ungenzi isinqumo sokulandela uKristu khona manje?**
**Bewungeke yini uphakamisele inhliziyo yakho kuNkulunkulu khona manje umcele ukuba akusize uzilungiselele ukubuya kukaKristu osekuseduze na?**
**Ikhona yini into empilweni yakho ekuvimbayo ekulungiseleni ukubuya kukaKristu na?**
**Kungani ungayideli leyonto khona manje njengoba sithandaza?**
**Uma uzimisele ngempela ngokwamukela uKristu, phakamisa isandla sakho khona manje uthi: Yebo, Nkosi, ngiyafuna ukulungela ukuhlangabezana naWe ekubuyeni kwaKho.**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu




1

**Mhla Uthatha Isimo Sokungafi**




2

**UMariya wayekhathele. Wayekade ematasatasa. Impilo yakhe yayifana nesishingishane ngendlela ayesebenza ngayo. Ngobunye ubusuku eshayela imoto eya ekhaya evela esitolo, washiya umgwaqo omkhulu wathatha omncane owawuholela ekhaya lakhe.**



3

**Kusenjalo, imvula yezinkanyezi yakhanyisa isibhakabhaka.**
**Izinkanyezi ezitshuzayo zadweba isibhakabhaka kwakhanya bha!**




4

**Njengomuntu ongakwejwayele ukudlala kwezinkanyezi ngalendlela, wagijimisa imoto ngokwesaba esejahe ekhaya.**
**Umcabango owamfikela owokuthi: Umhlaba uyabhubha! UKristu uyeza! Engikufunayo-nje ukuba seduze nendodana yami ekhaya.**




5

**Wake wazibuza ukuthi ngabe umhlaba uyobhubha ngelinye ilanga na? Uma kunjalo, mhlawumbe uke umangale ukuthi uyobhubha kanjani. Ngabe izinkanyezi ezinkulu ziyowela emhlabeni kube yisiphelo leso na?**




6

**(Video: 8 sec) Abanye abantu bacabanga ukuthi umhlaba uyobhujiswa impi yenuzi - abantu bayoqedana, baqede nayo yonke enye into ephilayo emhlabeni.**



7

**Abanye bathi ukwanda kwabantu emhlabeni kuyobanga indlala engakaze ibonwe, kufiwe ubuthaphu-thaphu.**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu


8

**Kanti abanye bakhathazeke ngokuthi ngelinye ilanga mhlawumbe idwala elikhulu eliyovela emkhathini liyowela emhlabeni, kube yisiphelo.**



9

**(Video: 8 sec) Kodwa bewazi-nje ukuthi kwakudala, iBhayibheli laprofetha ngendlela umhlaba oyophela ngayo?**
**Zihlobo, okumnandi ukuthi abantu abazuqedwa yimpi noma indlala noma ukushayisana kokusemkhathini.**


10

**Kunalokho, iBhayibheli lithi umhlaba uyobhubha ngokubuya kukaJesu kokunqoba kulomhlaba ! Uyobuyela kulomhlaba awushiya eminyakeni cishe engu 2 000 eyedlule, futhi uyobuya ezoqeda isikhathi njengoba sisazi namuhla, angenise ingunaphakade.**


11

**Kuyathathekisa ukuzwa ukuthi abantu bacabanga ukuthi kuyokwenzekani mhla ebuyayo uJesu.**


12

**Yebo zihlobo, iNkosi uJesu iyeza masinyane, futhi akungatshazwa ukuthi izinkinga zalomhlaba zingaphezu kokuhlakanipha kwabantu - ukuthi uKristu kuphela noYise abakwazi ukuqondisa lezinkinga ezingaka zalomhlaba!**
**Yeka leso sibusiso mhla ibuyayo iNkosi!**


13

**Ngesikhathi umpostoli uPawulu eboshiwe ejele elimnyama neliswakeme lase Mammertine, elindele ukunqunywa ikhanda, wabhala ukuthi**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



14

**Thithu 2:13**
**Sibheke ithemba elibusisiweyo nokuvela kwenkazimulo kaNkulunkulu omkhulu noMsindisi wethu uJesu Kristu.**
**Thithu 2:13.**
**UPawulu wabhalela uThithu lencwadi ekhuthazayo "indodana yakhe ngempela ngokokukholwa" ukumkhumbuza "ngokuza okukhazimulayo" kweNkosi yethu.**


15

**Uma uthola ukuthi ngezinye izikhathi impilo yakho inamathunzi amnyama ezinto eziqeda ithemba, phakamisa amehlo, ukhumbule "lelothemba elibusisekile" - ukubuya kukaKristu kulomhlaba - leso sehlakalo siyolungisa zonke izinto!**



16

**Okuyisona sehlakalo okukhulunywa ngaso kunazo zonke eTestamenteni eliSha, ukubuya kwesibili kukaKristu.**
**Cishe indimana eyodwa kuzo zonke ezingu 25 inokuthile ekushoyo ngalesi sehlakalo.**
**UKristu wachitha isikhathi esiningi ekhuluma ngalesi sihloko ukwedlula zonke ezinye izihloko eTestamenteni eliSha.**
**Kunezindimana ezimbili eTestamenteni eliSha okufanele wonke umuntu okholwa yiBhayibheli azazi.**




17

**Johane 3:16:**
**Esingathi iyona eyaziwa kakhulu ngu Johane 3:16: Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa**



18

**ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.**
**Eyesibili yisithembiso esihle uJesu asenza masinyane ngaphambi kokubethelwa nokwenyuka kwaKhe:**



19

**Johane 14:1 - 3**
**Inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe nayimi.**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



20

**Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo, bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo.**



21

**Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize**



22

**nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibe khona nani.**
**Johane 14:1 - 3.**


23

**Emakhulwini eminyaka, uma kukhona ukujabha nesimo esilukhuni, noma abalandeli bakaKristu besatshiswa ngokufa**


24

**lenkanyezi yethemba - isethembiso sokubuya kwaKhe - sibalethele isibindi namandla okubekezela. Abalandeli bakaJesu basoloku bebheke ukugcwaliseka kwalesi sethembiso.**



25

**Esefike esiphelweni sokuphila kwakhe uPawulu, ukunqunywa kwekhanda lakhe sekuseduze, wakhuluma lamazwi okunqoba:**
**Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiqedile ibanga, ngigcinile ukukholwa.**



26

**Sengibekelwe umqhele wokulunga eyakungipha wona ngalolosuku iNkosi,**



27

**uMahluleli olungileyo, kungeyimi ngedwa, kepha bonke abathandile ukubonakala kwayo.**
**2 Timothewu 4:7, 8**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu


28

UPawulu waba nakho ukubhekana ngesibindi nenkemba yalowo owayezomnquma ikhanda ngalolosuku ngoba wayesikholwa isithembiso sokubuya kukaKristu!


29

Yebo, uJesu UYABUYA!
Sihlobo, isithembiso sikaJesu kubafundi baKhe esethu nathi.
UJesu uyabuya!


30

Uma abafundi bembuza ukuthi kuyoba yini isibonakaliso sokubuya kwaKhe nokubhubha komhlaba, uJesu wabachazela ngokujulile izigameko ezaziyokwenzeka ngaphambi kokubuya kwaKhe.



31

Ake sifunde:
UJesu wathi: ..Qaphelani ningadukiswa muntu.



32

Ngokuba kuyakuza abaningi ngegama lami, bathi: mina nginguKristu, badukise abaningi.
Mathewu 24:4, 5.
Endimaneni ka 24, uJesu uyenaba ngaloludaba.



33

Mathewu 24:24
Ngokuba kuyakuvela okristu bamanga nabaprofethi bamanga, baveze izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso, ukuze kudukiswe



34

nabakhethiweyo, uma kungenzeka.

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



35

Uma singakwazi ukubona umahluko - ukubona ongesiye oweqiniso - singazihlanganisa nomprofethi wamanga, sicabanga ukuthi uKristu!
UJesu wasexwayisa ngokuthi kungenzeka! Futhi wayengakhulumi-nje ngezinkohliso ezimbalwa ezingasho lutho.


36

Ngokusobala wayekhuluma ngabazolingisa Yena ngendlela ecishe ifane neyaKhe, eyenziwe ngobuqili obuyocishe bulahlekise izwe lonke!


37

Ngeke sidukiswe mayelana nokubuya kukaKristu kwangempela!
Akekho ongakwenza lokho. Kodwa singase siphazamiseke ngabokristu-mbumbulu, sidideke ngaphambi kokufika kukaKristu!
Ake ukucabangisise lokhu.


38

USathane uzosebenzisa okristu bamanga nabaprofethi bamanga ukuzama ukudida abantu mayelana nokuza kwesibili kukaJesu.



39

2 Korinte 11:13, 14
Ngokuba abanjalo bangabaphostoli bamanga, izisebenzi ezikhohlisayo, beziguqula abaphostoli bakaKristu.



40

Akumangalisi, ngokuba uSathane uqobo uziguqula ingelosi yokukhanya.
2 KwabaseKorinte 11:13, 14.
USathane uyoziguqula ingelosi yokukhanya, alingise ukuza kwesibili kukaJesu.

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



41


**(Video: 13 sec) Izikhathi ngezikhathi kuke kuqhamuke umuntu ozishaya saKristu.**
**Laba bantu bangabonakala begqoke izingubo nalezo okucatshangwa ukuthi zazigqokwa uKristu.**
**Bakhulume ngezwi elimnandi, lobumnene.**
**Bacaphune kakhulu eBhayibhelini.**
**Babonakale bengabahlakaniphe kakhulu.**
**Abanye babo badonsela kubona izixuku ezinkulu ezicabanga ukuthi usefikile emhlabeni uKristu.**
**Kodwa akukabi uKristu.**
**Lokho singakusho ngokuqiniseka.  Ngani na?**
**Umkhohlisi angabonakala ngendlela olindele ukuthi uJesu wayenjalo.**
**Angakhuluma njengoba ulindele ukuthi uJesu wayekhuluma kanjalo.**


42

**Angaphilisa izixuku enze izibonakaliso ezimangalisayo, nawe uze ufikelwe ukungabaza okushiwo yiBhayibheli.**
**Kodwa asingethembi imizwa yethu - esikuzwayo noma esikubonayo!**


43

**Inye kuphela indlela ephephile yokwazi ukuthi umuntu ungoweqiniso noma owamanga.  YiBhayibheli lelo.**



44

**Ake sibheke ezinye zalezibonakaliso eziyotholakala kuphela ekubuyeni kukaKristu ukuze singakhohliswa!**



45

**Ukubuya kukaKristu kuyokuba yinto ebonwayo**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



46

**Mathewu 24:27**
**Ngokuba njengonyazi luphuma empumalanga, lubonakale kuze kube sentshonalanga, kuyakubanjalo ukufika kweNkodana yomuntu.**
**Mathewu 24:27.**
**Empeleni ku Sambulo 1:7, kuthiwa:**



47

**ISambulo 1:7**
**Bhekani, uyeza namafu, namehlo onke ayakumbona...**


48

**Okristu-mbumbulu bangavela lapha nalaphaya, kodwa akekho noyedwa ongaqhamuka emafwini ukuze abonwe amehlo onke.**


49

**Esewuqedile umsebenzi waKhe emhlabeni, uJesu wayeselungele ukwenyukela ezulwini.**



50

**Wathatha abalandeli baKhe ababesondelene naYe baya entabeni yeMinqumo.  Esebayalile, wavalelisa, wakhushulelwa ezulwini.**



51

**Ake sizwe ukuthi lithini iBhayibheli ngalesi sehlakalo.**



52

**Izenzo 1:9 - 11**
**Kwathi eseshilo lokho, wakhushulwa bebuka;  ifu lamsusa emehlweni abo.**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu





53

**Bathi besagqolozela ezulwini emuka, bheka, amadoda amabili ayemi kubo, embethe izingubo ezimhlophe,**




54

**athi: Madoda aseGalile, nimeleni nibheka ezulwini na?**




55

**UJesu lo, osuswe kini enyuselwe ezulwini, uyakuza kanjalo, njengalokho nimbonile eya ezulwini. Izenzo 1:9 - 11.**




56

**Izingelosi ezimbili zivela kuNkulunkulu zeza ukuzoqinisekisa abafundi ukuthi isithembiso esasinikezwe nguJesu siyogcwaliseka.**
**UJesu wayevele wabatshela lokho ababeyokubona:**




57

**Luka 21:27.**
**Khona bayakuyibona iNdodana yomuntu iza efwini, inamandla nenkazimulo enkulu. Luka 21:27.**



58

**Ngeke kudingeke utshelwe omunye umuntu mhla ebuyayo uJesu.**
**Uyombona eza ngamafu. Kodwa kukhona nezinye izibonakaliso uSathane angekwazi ukuzilingisa.**
**UKristu ngeke avele aqhamuke endaweni ethile eyihlane noma aphume emkhunjini wasemkhathini.**




59

**UJesu Uyobe Engabuyi Yedwa - Kuyobe Kuyindumezulu Yenkazimulo!**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



60

**Mathewu 25:31.**
**UJesu wathi: Kepha nxa iNdodana yomuntu iza ngenkazimulo yayo nezingelosi zonke ezingcwele kanye nayo, khona izakuhlala esihlalweni sayo senkazimulo.**
**Mathewu 25:31.**

---



61

**Kungani uJesu ezokuza nezingelosi na? Uyasinika impendulo.**
**Iyakuthuma izingelosi zayo ngokukhala okukhulu kwecilongo,**

---



62

**ziqoqe abakhethiweyo bayo emimoyeni yomine, kusukela emkhawulweni omunye wezulu kuze kube komunye.**
**Mathewu 24:31.**

---


63

**Yebo, uJesu uyobe ephelezelwa yizo zonke izingelosi ezingcwele - zigcwalise isibhakabhaka ngenkazimulo engenakuchazwa.**
**Uyabona-ke manje ukuthi labantu abazishaya saKristu abasiye!**
**Bangaba nobunzima bezama ukulingisela ukubuya kukaKristu.**
**Akakho noyedwa ongakwenza lokho!**
**Zisekhona ezinye izigameko ezihambisana nokubuya kukaJesu.**

---



64

**Kuyokuba Ukuza Okuzwakalayo - Abalungileyo Abafile Bayovuswa**

---



65

**1 Thesalonika 4:16**
**Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbo lengelosi enkulu**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu





66

**nangecilongo likaNkulunkulu, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala.**
**1 KwabaseThesalonika 4:16.**


67

**Uyabonake, ukubuya kukaKristu akuzugcina ngokubonakala, kodwa kuyozwakala futhi - kuzwiwe umuntu wonke.**
**Liyobe linamandla kangako izwi likaNkulunkulu kanye nokukhala kwecilongo kangangoba abafele kuKristu bayovuswa, baphume emangcwabeni abo.**


68

**Ungayicabanga leyonjabulo lapho sekuvuleka amangcwaba imindeni seyiphinda ihlangana?**


69

**Uyabona ukuthi ngeke aze akwazi uSathane ukulingisela ukubuya kukaKristu?**



70

**Kusekhona ezinye izindaba ezimnandi!**
**Qaphela ukuthi kwenzekani kwabalungile abaphilayo ekufikeni kukaKristu:**



71

**1 Thesalonika 4:17**
**Khona thina, esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo emafwini, sihlangabeze iNkosi emoyeni;**



72

**Kanjalo-ke siyakuba nayo iNkosi njalo.**
**1 KwabaseThesalonika 4:17.**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



73

(Video: 4 sec) Abalandeli bakaJesu abathembekile bahlangana nabavuswe ekufeni ukuhlangabeza iNkosi emoyeni.
Yeka lokho kuhlangana kwemindeni eminingi ngenjabulo.



74

UPawulu usitshela kabanzi ngokuyokwenzeka mhla ebuya uJesu:



75

1 Korinte 15:51 - 53
Bhekani, ngiyanitshela imfihlakalo...siyakuguqulwa sonke,



76

ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, ngecilongo lokugcina; ngokuba icilongo liyakukhala,



77

abafileyo bavuswe bengenakubola, thina siguqulwe.



78

Ngokuba lokhu okubolayo kumelwe ukwembatha ukungaboli, nalokhu okufayo kumelwe ukwembatha ukungafi.
1 KwabaseKorinte 15:51 - 53.


79

UNkulunkulu uyonika wonke umlandeli kaJesu isipho saKhe sothando - ukuphila kwaphakade.
Zonke ezinye izipho azisho lutho ngaphandle kwalesisipho sokungafi.



80

Kusekhona nokunye uNkulunkulu ayokupha abantu baKhe:
...Silindela khona ukuba kuvele uMsindisi:

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



81

**Oyakuguqula isimo somzimba wethu wokuthotshiswa, ufane nomzimba waKhe wenkazimulo... KwabaseFilipi 3:20, 21.**
**Umzimba ofana nokaKristu.**
**Ziyophela izinhlungu namahlaba - nokugula.**
**Zamnandi lezondaba!**



82

**Kukhona esinye isigaba sabantu. Ukubuya kweNkosi ngeke kube izindaba ezimnandi kubona. Lalela ukuthi iBhayibheli lizichaza kanjani izigameko zokugcina ezinyakazisa umhlaba.**



83

**ISambulo 6:14 - 17**
**Nezulu lagoqwa njengomqulu wencwadi usongwa;**



84

**nezintaba zonke neziqhingi zasuswa ezindaweni zazo.**



85

**Namakhosi omhlaba nezikhulu, nezinduna, nabacebileyo...nabanamandla...**



86

**bacasha emihumeni nasemaweni ezintaba;**



87

**Base bethi ezintabeni nasemaweni: Welani phezu kwethu, nisisithe ebusweni balowo ohlezi esihlalweni sobukhosi...**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu





88

Ngokuba usuku olukhulu lolaka lwabo selufikile; ngubani-ke onamandla okuma na?
Isambulo 6:14 -17.





89

ISambulo 16:18
Kwase kuba khona imibani, namazwi, nokuduma, kwaba khona nokuzamazama okukhulu komhlaba,





90

okungazange kube khona okunjalo, selokhu kwabakhona abantu emhlabeni.  Isambulo 16:18.



91

Lokhu kuzamazama komhlaba kuyodiliza amadolobha asemhlabeni.
Akakho ongeke angakuzwa ukuzamazama okunjalo ukuyoba yibika lombuso ozayo kaKristu!



92

UJesu wanika isexwayiso ngokuthi ukubuya kwaKhe kuyokwenzeka lapho abantu bengacabangi ukuthi sekungenzeka.
Waphinda wathi abantu bayobe bedlala ngezimpilo zabo ekungcebelekeni bobuwula.




93

Mathewu 24:30
KuMathewu 24:30, sitshelwa ukuthi mhla ebuya uJesu, izizwe zomhlaba ziyokhala.



94

Yikho lokhu uJesu athi kuyokwenzeka kulabo abangalulungele lolosuku!
Balahlekile - nabo bayakwazi lokho!
Yinto ebuhlungu leyo, kanti bekungadingekile kube njalo.
Sihlobo, lolosuku luyeza ngempela!
Ngeke kube njengephupho ophinde uphaphame kulona!

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu


95

**Ayikho into emhlabeni ebaluleke njengokuzilungiselela ukuhlangana noJesu mhla ebuya.**
**Lezizinto zasemhlabeni esizibona ziyigugu kangaka, ziyedlula!**
**Ukuzamazama okukodwa-nje komhlaba, azisekho!**




96

**Luka 21:36**
**Ngalokho lindani ngesikhathi sonke, nikhuleke ukuba nibe namandla okuphepha kukho konke lokhu okuyakwenzeka,**



97

**nawokuma phambi kweNdodana yomuntu.**
**Luka 21:36**




98

**Ake sibukeze masinyane esikufunde eBhayibhelini:**



99

**- Abaprofethi bamanga nawokristu bamanga bayozama ukulahlekisa wonke umuntu.**



100


**- USathane uyozama ukuzenza ingelosi yokukhanya.**



101


**- Ukuza kwesibili ngeke kube yimfihlo.**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



102

- Amehlo onke ayakumbona uJesu efika.




103

- Zonke izingelosi ezingcwele ziyokuza noJesu.




104

- Uyofika ngokukhala kwecilongo.




105

- Uyokuza ngephimbo lengelosi enkulu.




106

- Abalungileyo abafile bayovuswa.




107

- Abasindisiwe abaphilayo bayohlwithelwa phezulu bengazange bakuzwe ukufa.



108


- Bonke abasindisiwe bayonikwa ukungafi.



109

- Bonke abangamesabi uNkulunkulu bayokhala uma bebona uJesu.

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



110

**- Ukuzamazama okukhulu komhlaba kuyobhubhisa umhlaba.**



111


**- Bonke abalahliwe bayokufa.**


112


**Akakho ongachaza ngisho inxenye encane yobuhle nenkazimulo yobukhosi bokubuya kukaKristu. Nengqondo yomuntu ayikwazi nokwenza izithombe zaleso sehlakalo.**
**Kodwa sithanda ukunitshela okuncane-nje ngalobobuhle ngokwemizamo yababhali nabadwebi ukuchaza ukubuya kukaJesu - ukuthi kuyokuba njani - ngendlela izingqondo zabo zikucabanga ngakho njengoba bethola eBhayibhelini.**


113

**Ngesikhathi lapho kungalindele muntu, uJesu uyobuya! Izwi likaNkulunkulu, liyozwakala emhlabeni wonke njengekuduma kwezulu, limemezela usuku nehora lokubuya kweNdodana yaKhe.**


114

**Amazulu ayagoqwa njengomqulu, umhlaba uyozamazama phambi kwaKhe, zonke izintaba neziqhingi ziyosuswa ezindaweni zazo.**


115

**Kusenjalo, kuyobonakala empumalanga, ifu elincane elimnyama, elingangesigamu sesandla somuntu.**


116

**Uma lelofu lilokhu lisondela emhlabeni, liyokhazimula lize libe likhulu, kube khona uthingo phezu kwalo. Abantwana bakaNkulunkulu bethule, bayaligqolozela. lnto engenakuchazwa!**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu


117

**Isibhakabhaka sigcwaliswe ukukhazimula kwezinkulungwane ngezinkulungwane, nezinkulungwane zezinkulungwane zezingelosi eziphahle uJesu esihlalweni saKhe!**


118

**Ubuhle bayo yonke lento bagcwalisa amazulu; kwathi lapho iNkosi isondela emhlabeni "amehlo onke" ayibona!**
**Akusekho umqhele wameva ekhanda laKhe elingcwele, kodwa sekukhona umqhele wenkazimulo. Engutsheni yaKhe nasethangeni kubhalwe igama elithi: iNkosi yamakhosi noMbusi wababusi.**


119

**Namakhosi omhlaba, nezikhulu, nabacebileyo, nabaphathi, nabanamandla, nezigqila, nabakhululekile, bakhala emaweni nasezintabeni ukuba ziwele phezu kwabo zibafihle ebusweni beWundlu.**



120

**Labo ababehlupha, bebulala abantwana bakaNkulunkulu, nalabo ababehlekisa ngoKristu futhi bephika ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, abamemeza bathi: 'Mbethele! Mbethele!' sebevusiwe ukuze beme phambi kukaJesu.**
**Izinhliziyo zabo ziyaphisheka, amadolo eshayana, bakhala kabuhlungu bathi:**



121

**UYINDODANA KANKULUNKULU! UNGUMESIYA WEQINISO!**


122

**Manje sebembona kuyo yonke inkazimulo yaKhe, kanti basazombona ehlezi ngakwesokunene samandla.**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu




123

**Labo ababephika ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, sebephelelwe amazwi.
Nango uHerodi oziqhenyayo, owahlekisa ngokuthi uJesu uyiNkosi waze wayala amasosha akhe ukuthi amethwese umqhele wokumbhinqa.**


124

**Bakhona lapho labo bantu ababembhinqa bemembathisa ingubo ebubende ngezandla ezikhohlakele, bamethwesa umqhele wameva ekhanda, kwathi esandleni saKhe bamnika udondolo lokumbhinqa njengenkosi, bakhothama kuYe bemdelela.**


125

**Labo bantu abamshaya, bamfela ngamathe oyiNkosi yokuPhila, manje sebebalekela amehlo aKhe abukhali, nenkazimulo yaKhe enkulu.**


126

**Labo abanqonqothela izipikili ezandleni nasezinyaweni zaKhe, isosha elamgwaza ohlangothini, babona lezo zibazi, bashaywe uvalo nokuzisola.
Ngendlela ekhanye bha, abapristi nababusi bakhumbula izigigaba zaseKalvari. Ngokwethuka, bayakhumbula indlela ababegenquzisa ngayo amakhanda abo beqhutshwa uSathane bethi: Wasindisa abanye; Yena angezisindise.**


127

**Uma eyiNkosi kaIsrayeli, makehle manje esiphambanweni, yikhona sizokholwa. Wathembela kuNkulunkulu; makamkhulule-ke uma emthanda.**


128

**Labo ababezimisele ukubulala uKristu kanye nabantu baKhe abathembekile, manje sebebona inkazimulo ephezu kwabo. Besethukile njalo, bezwa amazwi abangcwele ememeza ngenjabulo bethi:**



129

**Isaya 25:9
...Bheka, lo unguNkulunkulu wethu; simhlalele, uyakusisindisa...**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu



130

(Video: 11 sec) Phakathi kwalokho kuntengantenga komhlaba, ukubanika, nokuduma kwezulu, kuzwakala izwi leNdodana kaNkulunkulu libiza abasindisiwe abaleleyo.
Ibuka amangcwaba abasindisiwe, iphakamise isandla, imemeze ithi: Vukani, vukani, vukani, nina enilele othulini lomhlaba!


131

Kuwo wonke umhlaba abafileyo bazolizwa izwi laKhe, labo abalizwayo bayophila. Umhlaba wonke uyogcwala izigi zalabobantu abavela kuzo zonke izizwe, imindeni, nezilimi.


132

Baphuma ejele eliyingcwaba bembethe inkazimulo yokungafi bememeza bethi: We! kufa, luphi udonsi lwakho? We! ngcwaba, kuphi ukunqoba kwakho? Abasindisiwe kwabaphilayo nalabo abavusiwe bahlanganisa amazwi abo ngenhlokomo yenjabulo nokunqoba. Konke ukugula kusale engcwabeni. Lwaze lwaluhle usindiso! Kade kwakukhulunywa ngalo, kade lwalulangazelelwe kodwa lungaqondisiswa kahle.


133

Abasindisiwe kwabaphilayo bayaguqulwa 'ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso.' Bembathiswa inkazimulo; baphiwa ukuba bangabe besafa bese behlangana nalabo abavuswe emangcwabeni bahlangabeze iNkosi emoyeni.


134

Izingelosi ziqoqa abakhethiweyo baKhe kuyo yonke imimoya yomhlaba, kusukela ngapha kuye ngapha emazulwini. Abantwana abancane bathwalwa yizingelosi ezingcwele zibayise ezingalweni zabazali babo.


135

Izihlobo okukade zahlukaniswa ukufa, ziyahlangana futhi, zingasoze ziphinde zahlukane, lapho ziyocula amaculo enjabulo zenyuke kanye-kanye ukuya emzini kaNkulunkulu.

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu


136

**Uma benyukela ezulwini, isixuku sezingelosi sithi: 'Uyingcwele, uyingcwele, uyingcwele, Nkosi Somandla.' Abasindesiwe baphendule bathi: 'Haleluya' beyongena eMzini oNgcwele.**


137

**Ngaphambi kokuba bangene eMzini oNgcwele, uMsindisi unika abalandeli baKhe izimpawu zokunqoba, abagcobe njengabantu basebukhosini. Zonke lezo zixuku ezisindisiwe ezingenakubalwa zigxilise amehlo azo kuYena, amehlo onke abona inkazimulo yaKhe Yena owayephatheke kabi ukwedlula noma yimuphi umuntu, nokubukeka kwaKhe sekonakele ngaphezu kokwabantu.**


138

**Emakhanda abanqobi, uJesu ubeka imiqhele yenkazimulo ngesaKhe isandla uqobo. Wonke umuntu unomqhele obhalwe elakhe 'igama elisha' kanye nokuthi: Ubungcwele kuJehova.**
**Zonke izinhliziyo zigcwaliswa yinjabulo engenakubaliswa, namaphimbo onke ayaphakama ehlabelela izingoma zokudumisa.**


139

**Ngaphambi kwalesosixuku esisindisiwe, kumi uMuzi oNgcwele. UJesu uvula gengelezi amasango eperile, ukuze labo abagcine imiyalo kaJesu nokubekezela kwaKhe bangene.**
**Lapho babona iParadesi likaNkulunkulu, ikhaya lika Adamu engakaweli esonweni.**
**Bese kuzwakala lelozwi, elimnandi ukwedlula noma yimuphi umculo, lithi: Umzabalazo wenu usuphelile.**



140

**Mathewu 25:34**
**Zanini nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba. Mathewu 25:34.**

# 3 - Ukuphunyuka Okukhulu


141

**Yithemba lethu leli. Kulapho siya khona. Yikusasa lethu.**
**Singahlala noKristu kuze kubephakade ezulwini.**
**Uma singase silahlekelwe ukuphila kwaphakade, siyobe silahlekelwe yikho konke.**
**Uma singalahlekelwa yizulu, siyobe silahlekelwe yikho konke.**
**Uma singakulungele ukubuya kukaKristu osekuseduze, siyophuthelwa yisehlakalo esikhulu kunazo zonke emlandweni womhlaba.**
**UJesu uthi: Woza uzothethelelwa.**
**Woza uzothola isihawu.**
**Woza uzothola amandla phezu kwezono zakho.**
**Woza ekuphileni okuphakade.**
**Woza uzongena embusweni waMi.**
**Uyasanyjeka yini lesimemo saKhe khona manje na?**
**Uma ufisa ukuphila ngunaphakade embusweni waKhe, sukuma khona manje njengoba sithandaza.**

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?




1

Thola Imfihlakalo Yempilo



2

Ake sithi uhlala eduze nolwande. Ngelinye ilanga uvuka ukuseni uhambe esihlabathini ogwini. Konke kuhle kakhulu. Imisebe yelanga icwebezela kahle emanzini. Amagagasi ashayeka ogwini.



3

Usahamba lapho ogwini oluthulile, ubona izinyathelo esihlabathini phambi kwakho.
Kusenjalo uphinde ubone ezinye zesibili, nezesithathu.
Ubheka ngapha nangapha ogwini kodwa awuboni muntu.
Zisho ukuthini zonke lezinyathelo? Zikutshela ukuthi kukhona oseke wahamba lapho.
Othile useke wahamba lapho ogwini ngaphambi kwakho.
Ake ngikubuze nanku omunye umbuzo.



4

Uma umi ngaphandle uqalaza, ubonani?
Utshani, izihlahla, amagquma noma izintaba, izimbali, imihosha yamanzi, amachibi mhlawumbe nezilwane.



5

Njengoba umi lapho, umi phezu kwani? Yebo, umi emhlabathini.



6

Phakamisa amehlo. Ubonani?



7

Emini ungase ubone ilanga, isibhakabhaka noma amafu.


# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


8

**Ebusuku ungase ubone izinkulungwane zezinkanyezi, noma mhlawumbe inyanga.**


9

**Ngabe konke lokhu kwavela kanjani?**
**WENA wavela kanjani?**
**Wenziwa ubani?**


10

**Abanye bathi impilo yaqala  olwandle ngezicubu ezincane (ama Cell) -**
**Lezo zicubu zakhula zaba yizinto eziphilayo ezakhiwe yizicubu eziningi.**
**Kwase kuthi ngemuva kwezigidi zeminyaka lezo zicubu ezincane eziphilayo zaguquka zaba yizinambuzane okwathi lapho ziphumela emhlabathini owomile zamila imilenze.**


11

**Izigidi zabantu ezizukulwaneni zonke, bezikholwa yinto eyehlukile mayelana nendalo, umhlaba, nazo zonke izinto eziphilayo ezikhona.**
**Bakholwa ukuthi uNkulunkulu onguMdali wazenza zonke.**
**Nanku umbuzo:  yimuphi lowo Nkulunkulu?**


12

**Namuhla abantu bakhonza onkulunkulu abaningi: uBuddha, uMohammed, uShinto, onkulunkulu bamaHindu, kanye nabanye.**
**Yilabo nalabo balandeli balabonkulunkulu bathi owabo uyena omkhulu.**


13

**Kodwa bewazi-nje ukuthi kubo bonke labonkulunkulu, munye kuphela owake wathi unguMdali wezinto zonke?**
**Lowo Nkulunkulu uNkulunkulu waseBhayibhelini elingcwele.  Sizoke sithole konke esingakuthola eBhayibhelini ngaye lo Nkulunkulu wayo yonke indalo.**

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


14

Uma ubona indlu kuke kufike yini kuwena ukuthi leyondlu yazakha yona?
Cha.  Wazi kahle ukuthi yakhiwa umuntu othile.


15

Uma ubona umgwaqo, ucabanga ukuthi wazenza wona noma wenziwa umuntu othile?  Imigwaqo nezindlu yizinto ezilula kunokudala umhlaba noma abantu. Ngakhoke uma ubona abantu nezilwane nezinkanyezi, akusikho ukuhlakanipha ukuthi ukhona othile owazenza?
Ukhona owazihlela lezi zinto wase ezenza.


16

Sizoqala ukufunda ngoNkululunkulu othi unguMhleli noMdali wazo zonke izinto.
Masiqale ngokushiwo yincwadi yaKhe iBhayibheli, ngomsebenzi waKhe wokudala lomhlaba nawo onke amazulu.
Kuqala, makesibheke ukuthi kwenzekani ngosuku lokuqala.



17

Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba.
Genesise 1:1



18

UNkulunkulu wathi:  Makube-khona ukukhanya; kwaba-khona ukukhanya.
Genesise 1:3



19

UNkulunkulu wabona ukukhanya ukuthi kuhle; uNkulunkulu wahlukanisa ukukhanya nobumnyama.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?




20

**Kwaba-ngukuhlwa, kwaba-ngukusa usuku lokuqala.**
**Genesise 1:4, 5**
**Ngosuku lokuqala lweviki uNkulunkulu wadala lomhlaba. Wadala ukukhanya, kwaqala ukulandelana kwezinsuku nobusuku.**




21

**(Indimana: Genesise 1:6) Usuku lwesibili**
**UNkulunkulu wathi: Makube-khona umkhathi phakathi kwamanzi, kwahlukaniswe amanzi namanzi.**
**Genesise 1:6**




22

**(Genesise 1:7)**
**...kwaba-njalo.**
**Genesise 1:7**




23

**(Genesise 1:8)**
**UNkulunkulu wabiza umkhathi ngokuthi izulu.**
**Kwaba-ngukuhlwa, kwaba ngukusa usuku lwesibili.**
**Genesise 1:8**
**Ngosuku lwesibili, uNkulunkulu wenza isibhakabhaka esiphezu kwethu, wehlukanisa amanzi asemhlabeni nalawo asemafwini nase sibhakabhakeni.**




24

**(Genesise 1:9) Usuku lwesithathu**
**UNkulunkulu wathi: Amanzi aphansi kwezulu mawaqoqekele ndawonye, kubonakale umhlabathi owomileyo;**




25

**kwaba-njalo.**
**Genesise 1:9**




26

**UNkulunkulu wathi: Umhlaba mawuveze utshani, nemifino ethela imbewu,**

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?




27

nemithi yezithelo ethela izithelo ngezinhlobo zayo, ekuyo imbewu yayo, emhlabeni;  kwaba-njalo.
Genesise 1:11




28

(Genesise 1:13
Kwaba-ngukuhlwa, kwaba-ngukusa usuku lwesithathu.
Genesise 1:13
Ngosuku lwesithathu uNkulunkulu wenza umhlaba owomileyo, wadala ulwandle, wembesa umhlaba ngezitshalo.




29

Usuku Lwesine
UNkulunkulu wathi:  Makube khona emkhathini wezulu izinkanyiso ezahlukanisa imini nobusuku,



30

zibe yizibonakaliso zezinkathi, nezezinsuku, nezeminyaka,



31

zibe yizinkanyiso emkhathini wezulu zokukhanyisa emhlabeni;  kwabanjalo.
Genesise 1:14, 15



32

UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.



33

Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa usuku lwesine.
Genesise 1:19.
Ngosuku lwesine uNkulunkulu waveza ilanga nenyanga esibhakabhakeni.  Futhi wadala nezinkanyezi.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?





34

(Genesise 1:20) Usuku Lwesihlanu
UNkulunkulu wadalani ngosuku lwesihlanu na?
UNkulunkulu wathi: Amanzi mawagcwale uswebezane lwezilwane eziphilayo,




35

kundize izinyoni phezu komhlaba emkhathini wezulu.
Genesise 1:20




36

(Genesise 1:23)
Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa usuku lwesihlanu.
Genesise 1:23. Ngosuku lwesihlanu, lithi iBhayibheli uNkulunkulu wenza izinyoni nezinhlanzi kanye nezinye izidalwa zasolwandle.




37

(Genesise 1:24) Usuku Lwesithupha
Usuku lwesithupha lwendalo lwalubaluleke ngaphezu kwazo zonke ezinye kuze kube yileso sikhathi:
UNkulunkulu wathi: Umhlaba mawuveze izilwane eziphilayo ngezinhlobo zazo,




38

izinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezilo zomhlaba ngezinhlobo zazo, kwaba njalo.
Genesise 1:24




39

UNkulunkulu wathi: Masenze abantu ngomfanekiso wethu, basifuze,




40

babuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezinkomo,

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?



41

nomhlaba wonke, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni.
Genesise 1:26



42

UNkulunkulu wadala umuntu ngomfanekiso waKhe; wamdala ngomfanekiso ka Nkulunkulu;



43

wabadala owesilisa nowesifazane.



44

(Genesise 1:31)
UNkulunkulu wabona konke akwenzileyo; bheka, kwakukuhle kakhulu.



45

Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa usuku lwesithupha.
Genesise 1:31
Usuku lwesithupha - usuku uNkulunkulu adala ngalo izilwanyana, kwase kulandela umqhele wendalo yonke - umuntu.


46

UAdamu noEva abavelanga esikhaleni-nje. IBhayibheli lithi uNkulunkulu wabumba imizimba yabo ngokomfanekiso waKhe.


47

UnguChwepheshe omkhulu, ogcwele konke ukuhlakanipha, owasidalayo!
Usuku Lwesikhombisa
Ngosuku lwesikhombisa umsebenzi kaNkulunkulu wokudala wase uphethiwe, ngakhoke waphumula. Walubekela eceleni lolosuku njengeSabatha lokuphumula.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?



48

Kwase kupheleliswa izulu nomhlaba kanye nombuthano wakho wonke.




49

UNkulunkulu waqeda ngosuku lwesikhombisa imisebenzi yaKhe abeyenzile;




50

waphumula ngosuku lwesikhombisa emisebenzini yaKhe yonke abeyenzile.
Genesis 2:1, 2



51

UNkulunkulu wabusisa usuku lwesikhombisa, walungcwelisa, ngokuba ngalolosuku waphumula emisebenzini yonke abeyidalile uNkulunkulu, wayenza.
Sisazokhuluma kabanzi esifundweni esilandelayo ngalokhukuphumula kweSabatha losuku lwesikhombisa okwenziwa uNkulunkulu.


52

Siyabonake ngokufushane indlela uNkulunkulu adala ngayo lomhlaba nakho konke okukuwo, ngisho nathi bantu uqobo.


53

Makesibukisise ukuthi uNkulunkulu unguChwepheshe noMdali omangalisa kangakanani.


54

Umzimba womuntu usinika ubufakazi obumangalisayo sobuchwepheshe boMdali.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


55

Ake ubheke ingxenye eyodwa-nje yomzimba womuntu - amehlo:



56

(Video: 10 Sec)
Ososayensi basitshela ukuthi indlela ebucayi elakhiwe ngalo iso lomuntu kwenza ngisho nekhamera ethuthuke kunawo wonke ivele ifane nento yokudlala abantwana uma kuqhathaniswa.


57

Iso liguqula ukukhanya kube imiyalezo ezofundwa yingqondo ngendlela okungeke yenziwe ngisho yizikhungo eziphambili zesayensi.
AmaCell engqondo (izicubu) aguqula lemiyalezo kube yisimangaliso sokubona - into okungeke ize ilinganiswe-muntu emhlabeni.


58

Iso lomuntu linikeza ubufakazi ngoMdali onothando, ofuna ukuba sibone ubuhle abenzile kuyo yonke indalo.
Akumangalisi ukuthi uMhlabeleli wabhala wathi:



59

Ngiyakukubonga, ngokuba ngenziwa ngokwesabekayo nangokumangalisayo;



60

Imisebenzi yaKho iyamangalisa; umphefumulo wami uyakwazi kahle. IHubo 139:14.
Umzimba kanye nengqondo yomuntu yizitho ezibucayi ngendlela yokuthi akungabazisi ukuthi zakhiwa uChwepheshe onobuhlakani.


61

Manje sithini ngendalo isiyonke na? Sinabufakazi buni bokuthi uNkulunkulu onguChwepheshe wadala nakho konke okusemkhathini na?

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


62

UMprofethi uIsaya, usiphonsela inselelo yokuthi ake sisuse amehlo ethu ezintweni eziyize ezisizungezile, sigxile kulokho uNkulunkulu akwenzile esibhakabhakeni.



63

Phakamiselani amehlo enu phezulu, nibone. Ngubani odalile lezozinto na? Nguye okhipha ibandla lazo ngezibalo,



64

Abize zonke ngamagama; ngobuningi bamandla aKhe nangobukhulu bezikhwepha zaKhe




65


akusileli neyodwa.
Isaya 40:26


66

Wake wabheka phezulu esibhakabhakeni wabona izinkanyezi eziningi ngokungenakubalwa? Uke uzibuze ukuthi ngabe zavelaphi, uyamangala ukuthi kambe zingaki empeleni?


67

UNkulunkulu wasebenzisa umfanekiso osisizayo ukuqonda kangcono ubukhulu bayo yonke lento. Wake wathatha uAbrahama, uyise wama Arabu nama Juda, wathi ake abale izinkanyezi.



68

...Bheka ngasezulwini, ubale izinkanyezi, uma ungazibala...Kuyakuba-njalo inzalo yakho.
Genesise 15:5.


69

Kabusha-nje, omunye uchwepheshe ekufundeni ngezinkanyezi uke wathi uma ungase ubale zonke izinhlamvu zesihlabathi ogwini lolwandle emhlabeni wonke, ungacishe uthole ukuthi zingaki izinkanyezi.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?



70

**Uma uphinda uzithola usogwini lolwandle, uboke uzame ukubala isihlabathi esigcwele ibhakede. Kodwa kuyofuneka ube nesikhathi esiningi! Pho, kungasimangalisa yini okushiwo uDavide uma ethi:**



71

**Lapha ngibuka izulu laKho, umsebenzi weminwe yaKho, inyanga nezinkanyezi ozimisileyo,**



72

**umuntu uyini ukuba umkhumbule, nendodana yomuntu ukuba uyinake na?**
**IHubo 8:3, 4.**



73

**(Video: 20 sec) Uke uzibuze-nje ukuthi ngabe uNkulunkulu onamandla kangaka, obusayo abuye esekele amazulu, unendaba nathi nezinkinga zethu lapha emhlabeni?**
**Nokho uJesu wathi akuweli phansi ngisho nowodwa umzwilili engawuboni Yena.**




74

**Ngakho maningesabi; nina niyayidlula imizwilili eminingi.**
**Ukugcizelela uthando nokunakekela kuka Nkulunkulu, uJesu wathi,**



75

**Kodwa kini zibaliwe nezinwele zonke zekhanda lenu.**
**Mathewu 10:30.**
**Yeka uNkulunkulu onje!**


76

**Unalungelo lini uNkulunkulu waseBhayibhelini lokuthi makukhonzwe Yena yedwa zwi?**
**UNkulunkulu waseBhayibhelini nowobuKristu uthi kuyilungelo laKhe ukuba kukhonzwe Yena yedwa ngoba unguMdali - unguNkulunkulu.**

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


77

Uma eyikho lokho athi uyikho, futhi enguMdali, ngaleyondlela ufanele ukuba akhonzwe, aniboni kanjalo?


78

Ngesikhathi uJohane, omunye wabafundi bakaJesu futhi ongumbhali wencwadi yokugcina yeBhayibheli, iSambulo, esembonweni esiqhingini sase Phatmose, watshengiswa umbono egumbini lesihlalo sobukhosi ezulwini. Qaphela lokho akubonayo:




79

Amalunga angamashumi amabili nane awa phansi phambi kwaKhe ohlezi esihlalweni sobukhosi, akhuleka kuYe




80

ophilayo kuze kube phakade naphakade, aphonsa imiqhele yawo phambi kwesihlalo sobukhosi, ethi:



81

Ufanele Wena Nkosi yethu noNkulunkulu wethu ukwamukela inkazimulo nodumo namandla,



82

Ngokuba nguWena owadala izinto zonke, nangenxa yentando yaKho zaba khona, zadalwa.
Isambulo 4:10, 11.


83

Lamalunga aphambi kwesihlalo sobukhosi ayamdumisa amkhonze ngoba unguMdali. Yiso lesi isizathu nathi okufanele sidumise ngaso uNkulunkulu osezulwini phezulu.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?



84

UYena owenza umhlaba nathi sonke. Ungabuza ukuthi yibuphi obunye ubufakazi bokuthi uNkulunkulu unguMdali na? UNkulunkulu uqobo lwaKhe uyasitshela ukuthi ubufakazi bugcwele yonke indawo bokuthi unguMdali wethu.




85

Ngokuba okungabonwayo kwaKhe, kuthi amandla aKhe aphakade nobuNkulunkulu baKhe kubonakala kwasekudalweni kwezwe, ngokuba kuqondakala ngezenzo zaKhe,




86

amandla aKhe aphakade nobuNkulunkulu baKhe. amaRoma 1:20.
Kusukela ekudalweni, kwakuvele bukhona ubufakazi kuzo zonke izinto ezidaliwe bokuthi uNkulunkulu unguMenzi wazo zonke.



87

Njengazo izinyathelo esihlabathini.
Siyazi ukuthi kukhona owake wahamba lapho yize noma singazange simbone thina.



88

Kanjalo uma ubona zonke izinto ezisizungezile okungangabazeki ukuthi zenziwa othile, lezo zinto zifana nezinyathelo esihlabathini, ezisitshela ukuthi noma kanjani, ukhona ophilayo owazenza zonke lezi zinto.



89


UNkulunkulu uBaba, njengoba ebizwa kanjalo yiBhayibheli, wayengeyedwa emsebenzini wokudala.




90

Encwadini ka Genesise kuthiwa: UNkulunkulu wathi: masenze abantu ngomfanekiso wethu, basifuze... Ivangeli ngokukaJohane liyenaba.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?




91

Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.



92

Yena lowo wayekhona ekuqaleni kuNkulunkulu.



93

Konke kwavela ngaYe;  ngaphandle kwaKhe akuvelanga lutho kukho konke okuvelileyo.



94

ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yaKhe,



95

inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso.



96

IBhayibheli likhuluma ngeziqu zobuNkulunkulu: UNkulunkulu uYise, uNkulunkulu iNdodana, no Nkulunkulu uMoya oyiNgcwele.  UbuNkulunkulu buneziqu ezintathu, ezicabanga ngokufanayo, kodwa zibe zehlukene.


97

UJesu wayesebenzisana noYise ekudaleni zonke izinto.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?




98

**Nokubakhanyisela ukuthi liyini ihlelo lemfihlakalo ebifihliwe kwaphakade kuNkulunkulu owadala izinto zonke.**
**Sonke isipho esihle nesiphelele umuntu ake aba naso noma ayoke abe naso sitholakala ngenxa yokuba uMdali enika abantu zonke izibusiso.**



99

**UNkulunkulu akagcinanga ngokwenza umuntu ngokomfanekiso waKhe abuye amnike indawo enhle yokuhlala, kodwa uyazazi nezidingo zomuntu:**



100

**Amehlo abo bonke alinda Wena; uyabanika ukudla ngesikhathi esiyiso.**




101


**Uyavula isandla saKho, usuthise ukufisa kwakho konke okuphilayo.**
**IHubo 145:15, 16.**


102

**Ake sibheke izindlela ezimbalwa uNkulunkulu anakekela ngazo izidingo zezidalwa zaKhe. Cabanga ngamanzi owaphuzayo. Aba khona ngaphambi kwezindunduma namagquma.**


103

**Kungenzeka amanzi angcoliswe yimfucuza, kodwa ake amuncwe yilanga aye emkhathini,**


104

**aphinde ahlanzeke alungele ukusetshenziswa futhi nafuthi, efika ngesimo semvula, amazolo kanye neqhwa.**
**Yeka lolohlelo lwamanzi olumangalisayo olwenziwa uNkulunkulu!**

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


105

Esibhakabhakeni uNkulunkulu unenjini enkulu yamandla - yilanga lelo!  Ake ucabange umzuzwana:


106

Ukuba ilanga lalilikhulu kunokuba lingako, noma lisondele kakhudlwana emhlabeni, ulwandle belungabila luze lushe.



107

Ukuba ilanga belilicanyana kunalokhu lingako, noma likude kunamanje, isibhakabhaka besingaphenduka iqhwa.  Noma uyibuka ngaluphi uhlangothi lendaba, bekungeke kube khona lutho oluphilayo emhlabeni.
Kodwa akagcinanga ngokwenza zonke izinto, uyaziphilisa zonke futhi!
Umoya esiwuphefumulayo uyisipho esivela kuNkulunkulu.  Lithi iBhayibheli:




108

(Indimana:  Jobe 12:10)
Esandleni saKhe ukhona umphefumulo wakho konke okuphilayo, nomoya wenyama yabantu bonke.
Jobe 12:10.


109

UNkulunkulu wenza amazulu, futhi wayesazi kahle isilinganiso somoya esiwuphefumulayo ukuze kube khona impilo emhlabeni.



110

Wayesazi isilinganiso esifaneleyo sokuxutshwa kweNitrogen, Oxygen, Argon kanye neCarbon Dioxide okwakufanele kube semkhathini.
Yayingeke ivele izenzekele leyonto!


111

Azipheli izimangaliso zalomhlaba - indlela uNkulunkulu anaka ngayo izidalwa zaKhe.
Cabanga ngezinyoni ezidabula amazwe ngezikhathi ezithile zonyaka, okuyinto eyimpicabadala enkulu kwezendalo.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


112

Kwenzeka kanjani ukuthi izinyoni ezinesisindo esingaphansi kwe awunsi (28 grams), zikwazi ukundiza izinkulungwane zamakilomitha zingaphumulanga, ziye ezweni ezingakaze zilibone?


113

Kwenzeka kanjani ukuthi izinhlanzi zikwazi ukuthola iziziba lapho impilo yazo yayiqale khona, amakhilomitha angalinganiselwa ku 1 200 ngapheseya kolwandle?
Zafunda kanjani ukuthi ziye-phi? Nini?



114

Ubani owafundisa inyosi ukwenza amakhekheba oju, into emangalisa njengomsebenzi wobunjiniyela, kodwa ingqondo yenyosi ibe ilingana nesihloko sikakhanjana?
Ubani loNgqondongqondo ongemuva kwakho konke lokhu na? UJobe uyasitshela:




115

Kepha mawubuze izinkomo, ziyakukufundisa, nezinyoni zezulu, ziyakukutshela



116

Khuluma kuwo umhlaba, uyakukufundisa, nezinhlanzi zolwandle ziyakukulandisa.



117

Ngubani ongaziyo ngakho konke lokho ukuthi isandla sikaJehova sikwenzile lokho na?
Jobe 12:7 - 9
Yebo, konke kwenziwa uNkulunkulu!
Eqinisweni, ilungelo lethu lokukhonza uNkulunkulu lisekelwe phezu kokuthi unguMdali wethu futhi zonke izinto zikhona ngaYe.



118


Yazini ukuthi uJehova unguNkulunkulu; nguYe osenzileyo, akuthina,

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?




119

sibe ngabantu baKhe nezimvu zedlelo laKhe.
IHubo 100:3.
UNkulunkulu uyazazi izidingo zethu, kanti futhi unawo amandla okuhlangabezani nazo!




120

E Nkosi Jehova, bheka, Wena wenzile izulu nomhlaba ngamandla aKho amakhulu nangengalo yaKho eyeluliweyo;





121

akukho lutho olukwahlulayo.




122

Akukuniki yini ukuthula emphefumulweni ukwazi ukuthi uNkulunkulu unakho ukwenza noma yini emhlabeni nasempilweni yakho na?
Akukho-nkinga encane kangangokuba ingelethwe kuNkulunkulu owadala izinkanyezi. Yena wazi yonke into - empeleni wazi izinto zingakenzeki.




123

(2 slides: Isaya 46:9)
Uthi: NginguJehova, akekho onjengaMi,




124

engimemezela ngaphambili okuyakuza, nasendulo izinto ezingakenziwa...
Isaya 46:10



125

Yeka ukuthula nokuqiniseka esingaba nakho ngokwazi ukuthi ayikho into engenzeka kithina engehlula uNkulunkulu. Kodwa ngaphezu kwakho konke,

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?



126

**(1 Johane 4:8)**
**UNkulunkulu uluthando.**
**UJesu wathi:**



127

**Ngokuba uBaba uqobo uyanithanda...**



128

**(Video: 10 sec)**
**Ngabe kuyakumangalisa yini ukuthi uNkulunkulu onamandla, owadala amazulu abanzi kangaka futhi wawasekela, uyakunaka? Kuyamangalisa ukucabanga ngamandla kaNkulunkulu angenamkhawulo, ukuhlakanipha kwaKhe, kanye namandla akhe okuba sezindaweni zonke.**
**Singaluqonda uthando. Ayikho into kuwo wonke umhlaba engasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu!**



129

**(4 slides: amaRoma 8:38, 39)**
**Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, namandla,**



130

**nakho okukhona, nakho okuzayo,**



131

**nakuphakama, nakujula, nanto enye edaliweyo akuyikuba namandla okusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu**



132

**oluku Kristu Jesu iNkosi yethu.**
**AmaRoma 8:38, 39.**

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


133

UNkulunkulu uyasithanda noma sithandeka - noma singathandeki. Bewukwazi lokho? Usithanda noma simnyama noma simhlophe, abesilisa nabesifazane, abahle nababi. Akekho omunye onjalo!
Kodwa ngaphezu kwakho konke, usithanda ngunaphakade!



134

(Jeremiya 31:3)
Yebo, Ngikuthandile ngothando oluphakade;



135

UDavide wabhala wathi: Ngokuba muhle uJehova; umusa waKhe umi phakade.
IHubo 100:5.
UNkulunkulu akasideli! Unathi umzuzu ngamunye siphila, ngeke asishiye!
Ukuze kungabikho kungabaza ezingqondweni zethu mayelana nothando lwaKhe, uNkulunkulu uluchaza ngendlela elula esingayiqonda sonke:



136

(3 slides: Isaya 49:15, 16)
Owesifazane angakhohlwa umntwana wakhe oncelayo ukuba angabi-namusa kuyo indodana yesizalo sakhe na?



137

Yebo, bona bangakhohlwa, kodwa Mina anginakukukhohlwa wena.



138

Bheka, ezandleni zaMi ngikubhalile...
Isaya 49:16


139

UNkulunkulu wazama ukutshengisa uthando lwaKhe ebantwini, kodwa amazwi nezigijimi ezazithunyelwe ngababaprofethi nezingelosi awenelanga. Asizwakalanga isigijimi.

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


140

Ngakhoke uNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe. UJesu waye ngumfanekiso ophelele wesimilo sikaYise.



141


(Johane 14:9)
UJesu wathi kuye:  Ongibonile Mina ubonile uBaba.


142

Uma ngempela sifuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu unjani nokuthi ucabangani ngathi, sidinga ukufunda ngempilo kaJesu.  Wathatha isimo sethu, ukuze akwazi ukufinyelela kuzo izidingo zethu.
Washumayela izindaba ezinhle zosindiso kwabampofu.
Waphulukisa abanhliziyo zaphukile wavula namehlo ezimpumputhe.


143

Wapha abalambileyo ukudla, wadla nabantu ezindlini zabo.  Wathethelela izono zabo, wabanika ithemba ngekusasa.


144

Abaningi ababengaboni baqala ukubona ubuso bomuntu ngobaKhe.
Izwi laKhe kwaba elokuqala ukuzwiwa yizithulu eziningi.
Wayandisa impilo nentokozo emizini nasemizaneni ayedlula kuyo.
Impilo yaKhe kwaku yimpilo yokuzidela nokunakekela abanye.


145

Uma sibuka ukudelelwa, ukuthukwa nokwehliswa adlula kukhona, ukufa kwaKhe eKhalvari nokudabuka kwenhliziyo yaKhe, siyaqala sibone kancane uthando uNkulunkulu analo ngabantwana baKhe.



146

Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa,

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?



147

**ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abenokuphila okuphakade. Johane 3:16.**


148

**Ubani loNkulunkulu wamazulu na?**
**UnguMdali onamandla.**
**UnguMhlinzeki omangalisayo.**
**UnguMhleli obabazekayo.**
**UnguBaba onothando.**



149

**Eminyakeni eminingi eyedlule, umfanyana othile wahlangabezana nengozi embi. Waphuthinyiswa esibhedlela ephansi kwesimo esibi.**
**Lomfana wayedinga ukufakwa igazi ngokushesha .**
**Akutholakalanga muntu owayengamsiza.**
**Uyise wayenegazi elifana nelakhe, wavuma ukuthekelisa ngalo.**
**Baqala odokotela ukulidonsa igazi lisuka ngqo engalweni kayise liya endodaneni.**
**Ligeleza njalo igazi epayipini leplastiki liya emzimbeni walomfana owayelele enganyakazi, uyise wabuka udokotela, wakhuluma ngezwi elidlengezelayo wathi: Dokotela, uma kudingeka, ungalikhipha lonke igazi lami. Ngizimisele ukunika indodana yami lonke igazi lami.**


150

**UBaba wethu osezulwini wabuka umhlaba awudalile ucwile esonweni.**
**Waphana ngakho konke izulu elalingaphana ngakho mhla ephana ngeNdodana yaKhe.**
**UJesu wathi: Baba, uma kudingeka, lithathe lonke. Thatha neconsi lokugcina legazi laMi ukuze kusindiswe indodana yaMi, indodakazi yaMi, umngane waMi.**

# 4 - Yiphutha noma Uhlelo?


151

**Ungalufulathela kanjani uthando olungaka na?**
**UNkulunkulu onguSomandla, onothando, wakudala.**
**Ngesikhathi abantu bewela esonweni, wanikela ngakho konke ngenxa yakho.**
**Uyakunakekela. Ukuthanda ngothando olumangalisayo.**
**Uma sigobisa amakhanda sithandaza kusihlwa-nje, ubungephakamise isandla sakho uthi: Nkosi, ngivula inhliziyo yami othandweni lwaKho khona manje. Ngiyabonga ngokungidala nokungisindisa. Nginikela impilo yami kuWena njengamanje.**

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



1

Zishoni Kuwena Namuhla


2

Eminyakeni eminingi eyedlule, indoda ethile, uMnumzane Marsh wezwa ukuthi u-Anti wakhe ushonile nokuthi akambhalanga kwisabelo samafa akhe.
Incwadi yamafa yayifundeka kanje:  uSteven Marsh engimthandayo, ngimshiyela iBhayibheli lomndeni wakithi, nakho konke okuphakathi kwalo, nokuyosala ngemuva kokukhokhwa kwezikweleti.
Nangempela zakhokhwa izikweleti kwasala imadlana encane kuphela.
Leyo mali yaphela masinyane, uMnumzane Marsh wasala neBhayibheli kuphela.  Walifaka ebhokisini wakhiya.
UMnumzane Marsh lona wayethola impesheni encane engasasebenzi.  Waphila impilo yokuhlupheka iminyaka engamashumi amathathu.

5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



3

Ekugcineni, eseniminyaka engu 90, wathatha isinqumo sokuyohlala nendodana yakhe.
Esaqoqa izimpahla zakhe, wahlangana nalelo Bhayibheli lika Anti wakhe, waliphenya.
Wethuka lapho ethola imali yamaphepha ifakwe kuwo wonke amakhasi.
Wabala imali engaphezu kwamaDola ayizinkulungwane ezinhlanu, okwakuyimali eningi kuleyo minyaka.
Lendoda yayiphile inxenye enkulu yempilo yayo ihlupheka kanti yayingaba yisicebi.
Kwakukhona umcebo ezandleni zayo, ezwini likaNkulunkulu.
Kungenzeka yini ukuthi nathi sinomcebo omangalisayo ezandleni zethu?
Kukhona izigidi zabantu abakholwa ukuthi iBhayibheli iyona-ncwadi emangalisayo eyake yabhalwa.
Bayakholwa ukuthi iBhayibheli laphefumulelwa uNkulunkulu, futhi liphethe iziyalo ezicacile ngokuthi singakuthola kanjani ukuphila okuphakade.
Abantu bezizwe zonke, nezilimi zonke bayalamukela izwi likaNkulunkulu njengomcebo okwazi ukuguqula impilo yomuntu.
Abanye bayangabaza.  Banemibuzo eminingi.


4

Singathini ngalencwadi ethengwa ukwedlula zonke ezinye emhlabeni - iBhayibheli?  Ngabe likhuluma iqiniso?
Abanye abantu bathi ungalethemba ngaphandle kokungabaza iBhayibheli .  Abanye bathi:  Ngeke.
Ubani oqinisile?


5

Impendulo ibalulekile ngoba uma iBhayibheli liqinisile, ukuthi uyalethemba noma awulethembi, udaba lokufa nokuphila!
Uma iBhayibheli liyiqiniso, ikusasa lakho laphakade lincike ekuthini uyalikholwa iBhayibheli noma cha!
Lokho okukholwayo ngeBhayibheli kwenza wonke umahluko ngendlela okholwa ngayo uNkulunkulu.
Inye kuphela indawo lapho ungathola khona isithombe esicacile ngoNkulunkulu, leyondawo iBhayibheli.
Empeleni, yileso sizathu abantu abanikelwa sona iBhayibheli.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala


6

**Lisitshela ngoNkulunkulu ongabonwayo, esimazi kuphela ngokufunda izigijimi zaKhe asithumele zona ngababprofethi nangeNdodana yaKhe ukuzembula kithina.**


7

**Akesibheke lencwadi ebalulekile, iBhayibheli, ephinde ibizwe ngokuthi Yizwi likaNkulunkulu, sibone ukuthi singabuthola yini ubufakazi bokuthi liyiqiniso noma cha; ukuthi singalethemba noma cha.**



8

**(Video: 6 sec)**
**IBhayibheli empeleni, akuyona incwadi eyodwa, kodwa umtapo wezincwadi ohlanganiselwe ndawonye.**
**IBhayibheli liqukethe izincwadi ezingu 66 ezabhalwa eminyakeni eyehlukene, ngababhali abehlukene abathatha iminyaka engu 1 600.**
**ITestamente eliDala linezincwadi ezingu 39, kanti eliSha linezingu 27.**


9

**Abantu abehlukene abangu 45 ababhala lezincwadi, kodwa sithola kuzo ukuzwana okumangalisayo, okuyinto engachazwa kuphela ngokuthi babethatha emthonjeni owodwa.**
**Lokhu kuzwana kwaba khona yize ukuthi abaningi kulabo babhali abazange babengazani nokwazana.**


10

**Babenza imisebenzi eyehlukene.**
**Abanye kwaku abadobi bezinhlanzi, abanye bengabelusi, abanye amakhosi, abanye izikhulu zikahulumeni, abanye abalimi, abanye abashumayeli, abanye izikhulu zombuso, kanti kukhona nodokotela - abantu ababevela kuyo yonke imisebenzi ekhona.**



11

**Noma kunjalo, kunokuzwana okuphelele kulezincwadi abazibhala. Isimangaliso lesi!**
**Lokhu kuzwana kungachazwa kuphela ngokuthi uNkulunkulu wasinika iNcwadi yaKhe ukuze abe nakho ukudlulisela intando yaKhe kithina.**

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



12

2 Petru 1:21.
UPetru wabhala wathi: Ngokuba akuzange kuvezwe isiprofetho ngentando yomuntu, kepha abantu beqhutshwa nguMoya oNgcwele bakhuluma okukaNkulunkulu.
2 Petru 1:21.



13

(2 Thimothewu 3:16 - 17)
UMpostoli uPawulu wabhala wathi: Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu ilungele ukufundisa,



14

nokusola, nokuqondisa, nokuyala ekulungeni,




15


ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele, apheleliselwe yonke imisebenzi emihle.
2 Thimothewu 3:16, 17.
Isizathu sokuba uNkulunkulu akhethe lendlela yokuxhumana - ukukhuluma nathi ngezibhalo - ukuthi ukuxhumana okuqonde-ngqo phakathi kwaKhe nabantu kwanqanyulwa yisono.


16

Nxa uNkulunkulu nomuntu babehamba ndawonye, bexoxisana e-Edene, sasingekho isidingo somprofethi ozobhala phansi lokho uNkulunkulu ayefuna kwaziwe abantu.


17

Mhla u-Adamu ewela esonweni, wacashela uNkulunkulu, ngoba wayesaba futhi edliwa unembeza ngalokho akwenzile.
Uma uNkulunkulu embuza u-Adamu ukuthi uphi, u-Adamu waphendula wathi:



18

Genesise 3:10.
...Ngizwe izwi laKho ensimini, ngesaba...ngacasha.
Genesise 3:10.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala






19

UNkulunkulu wayengeke esakwazi ukukhuluma ubuso nobuso nomuntu.
Wakhetha ukusazisa intando yaKhe ngabaprofethi baKhe, nangeNdodana yaKhe.




20

Amose 3:7
Ngokuba iNkosi uJehova ayenzi lutho, ingayambulanga imfihlakalo yayo ezincekwini zayo abaprofethi.
Amose 3:7



21

UNkulunkulu waphefumulela uMose ukuba abhale incwadi kaJobe kanye nezinhlanu zokuqala eTestamenteni eliDala, esizibiza ngokuthi Umthetho.
Lokhu kwenzeka eminyakeni yawo 1500 B.C.



22

Ngalesikhathi uIsrayeli wayesekhule waba yisizwe esinamandla, abantu bebalelwa ezigidini eziningi, kanjalo uNkulunkulu wayefuna ukubazisa intando yaKhe ngokubhaliwe.
Lokhu kwakungesikhathi lapho kwase kubhalwa ngalendlela esiyaziyo, kungasasetshenziswa ukubhala okusazithombe.



23

Abantu base bezokwazi ukufunda imiYalo eyiShumi eyabhalwa uNkulunkulu ngomunwe waKhe uqobo.
Naleyo ncwadi yomthetho uMose ayibhalela uNkulunkulu.




24


Nokho umbuzo usalokhu ukhona: Ngabe iBhayibheli liyiqiniso na? Lethembeka njengoba lalinikezwe nguNkulunkulu na?
Kuze kube unyaka ka 1947, imiqulu okuyiyona emidala yeTestamente eliDala eyayikhona kwakuyileyo esuka eminyakeni yawo A.D. 900.



25


Ubudala bencwadi ka-Isaya eyatholakala lapho babubalelwa onyakeni ka 125 B.C.
Yayibhalwe eminyakeni engaphezu kwenkulungwane ngaphambi kokuba kutholakale enye.
Yayiqukethe incwadi ka Isaya iphelele.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



26

USir Frederic Kenyon, omunye wochwepheshe abafundile kanti futhi onguMongameli wesiKole saseBrithani somlando ombiwa phansi, uphawula uthi: Esahlukweni esisodwa, esinamagama angu 166, kukhona igama elilodwa kuphela, eliletha imibuzo selokhu kwabhalwa lencwadi eminyakeni eyinkulungwane eyedlule.




27

nalo leligama aliwuguquli umqondo wesigijimi esibhalwe lapho!



28

U Sir Frederic Kenyon ubeka kanje:




29

UmKristu angathatha iBhayibheli esandleni sakhe, asho ngaphandle kokwesaba noma ukungabaza ukuthi uphethe izwi likaNkulunkulu eliqinisekile,



30

elanikezwa kusukela kwesinye isizukulwane liya kwesinye emakhulwini eminyaka ngaphandle kokulahleka kwengqikithi yesigijimi salo.



31

U Sir Kenyon wenza lenkulumo ngemuva kokuchitha impilo yakhe yonke ehlola ubufakazi bokuth iBhayibheli ladluliselwa kanjani lisuka komunye liye komunye, nokuthi lokho kwaba namthelela muni esigijimini salo.


32

Kuleminyaka eyikhulu eyedlule, abagxeki beBhayibheli bathola izaba eziningi zokuthi bangabaze iBhayibheli, kodwa ukugxeka kwabo okuningi kuthuliswe yilowo mlando ombiwayo.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala


33

Kuze kube iminyaka yawo 1800, kuncane okwakwaziwa ngomlando wasendulo ngaphandle kwalokho okwakushiwo yiBhayibheli.



34

Umlando wasendulo wabonakala sengathi ufihlakele kwanaphakade phakathi kwalemibhalo esazithombe yaseGibhithe.
Kwakungekho muntu eGibhithe noma emhlabeni owayekwazi ukuyifunda.



35


Ngo 1798, uNapoliyoni wahlasela elaseGibhithe. Ehamba namabutho akhe angu 38 000, uNapoliyoni wathatha abadwebi, izazi ngezilimi, nososayensi abayikhulu ukuze bamsize ekuqondeni kangcono umlando wase Gibhithe.


36

Yonke indawo, babona okuthile okuvela endulo - imibhalo engafundeki, amatshe esikhumbuzo ahlotshisiwe kanye nezindonga zamathempeli. UNapoliyoni kanye nabantu bakhe bamangala ukuthi ngabe zonke lezi zinto zisho ukuthini.


37

Sekuphele unyaka, ngo 1799, kwatholwa into ebaluleke kakhulu emlandweni walokho okumbiwayo wasendulo.



38

Elinye lamabutho kaNapoliyoni lavumbulula itshe elagcina selaziwa ngokuthi yiRosetta Stone, elimnyama, ubude balo ngamasentimitha angu 122, ububanzi ngamasentimitha angu 76 (4 feet x 2 and a half feet) elalizofana nesihluthulelo sokuvula imfihlakalo yalimibhalo esazithombe, kudaluleke izinto ezazifihlakele emakhulwini eminyaka.


39

I Rosetta Stone lena manje igcinwe eNgilandi, enqolobaneni yamagugu.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



40

**Lelitshe elatholakala eduze nedolobha lase Rosetta, lalinombhalo wasendulo ngezilimi ezintathu:**



41

**Umbhalo osazithombe, ulimi lwaseGibhithe, nesiGreki.**
**Kwakulula kubo bonke ukutolika isiGreki, kodwa imibhalo esazithombe yayingelula.**



42

**Kwathi ngemuva kweminyaka engamashumi amabili, ngo 1822, isihlakaniphi sensizwa yaseFransi uJean Francois Champollion, wamangalisa izwe ngokuthi achaze lemibhalo esazithombe kwi Rosetta Stone.**


43

**Ngaleyondlela kwavuleka umnyango wemicebo yasendulo yaseGibhithe. Umhlaba wonke waba nokuyiqonda lemibhalo.**



44

**Kodwa okubaluleke kakhulu, ukuthi umlando waseGibhithe owase ukhohlakele wavumelana nezibhalo ezingcwele.**
**Amatshe amemeza ethi lokho okushiwo yiBhayibheli kuyiqiniso!**


45

**Uma kuqhutshekwa kumbiwa amagugu omlando, kutholakala ubufakazi obuningi obuqinisa umlando weBhayibheli nomlando wezizwe zasendulo.**



46

**Okusanda kutholakala eTell Marduk, kwethuse abafundi bomlando ombiwa phansi.**
**Lelidolobha lalaziwa ngokuthi i-Ebla kwelase Siriya - lalikade licebile futhi liphucuzekile. Kwakwakhe abantu abangu 300 000 khona.**

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



47

**Kwakugcine ngokuthalakala kwemiqulu eyaziwa ngokuthi eyasoLwandle lukaSawoti (Dead Sea) ukuthi kube nesasasa elingako kubafundi bomlando ogqitshwe phansi.**
**Kodwa kuthathekisa nangaphezulu kubafundi beBhayibheli.**



48

**Esikoleni sababhali esakhelene nesigodlo edolobheni, kwatholakala amakhekheba obumba angu 14 000 nezingcezu, okwakubhaliwe kuzo. Kwatholakala ukuthi leyo mibhalo isuka eminyakeni yawo 2300 B.C.**
**Kwatholwa okuyiyona ndawo kahulumeni yokugcina imibhalo endala kunazo zonke emhlabeni eyayiqukethe imiqulu yombuso wase Ebla isikhathi esingaphezu kwekhulu leminyaka.**



49

**Abanye abanolwazi ngezomlando babengabaza ukuthi amaHeberu ayesekwazi yini ukubhala ngezikhathi zikaMose.**
**Kuze kube yiminyaka yawo 1800, babungekho ubufakazi bokuqinisa lokho.**



50

**Kodwa lemiqulu yase Ebla nokunye okwatholakala, kutshengisa ukuthi kwakusuka esikhathini esingaphambi kukaMose.**
**Empeleni, abomlando ombiwayo sebethole imitapo yezincwadi emidala ngamakhulu eminyaka kuno Mose.**



51

**Amatshe ase Ebla akhuluma ngendaba yokudalwa komhlaba kanye nozamcolo.**
**Kuphinde kukhulunywe ngezindawo ezinamagama aseBhayibhelini: uEsawu, Abrahama, Israyeli, iSinayi neJerusalema.**




52

**Okumangalisa kakhulu ukugagulwa kwamadolobha amabili - iSodoma neGomora.**
**Ngaphambi kokutholakala kwalamatshe, akukho mbhalo owawuke wakhuluma ngalamadolobha ngaphandle kweBhayibheli.**
**Ngaleso sizathu-ke, ayethathwa njengenganekwane.**


# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala


53

**Izincwadi eziningi kuyofuneka zibhalwe kabusha ngoba ukutholakala kwalamatshe kufakazela amagama amaningi ezindawo zaleyomihla.**


54

**Abanye ababhali kuyodingeka bavume ukuthi incwadi kaGenesise akuwona-nje amaculo abelusi nezinganekwane.
Okwatholakala eEbla nakwezinye izindawo kufakaza ukuthi liqinisile iBhayibheli!**




55

**IHubo 119:160.
UDavide uthi:  Amazwi aKho onke ayiqiniso...
IHubo 119:160.**



56

**Isaya 45:19
Uthi uNkulunkulu ku Isaya 45:19: ...Mina Jehova ngikhuluma ukulunga, ngimemezela okuqotho.**


57

**Kuthiwa abafile abakhulumi, kodwa bayakhuluma!
Izindaba ezithathekisa ngaphezu kwenganekwane.
Izizwe ezafa kudala, ziyakhuluma emangcwabeni azo, zifakaza ngokwethembeka kweliZwi likaNkulunkulu.**


58

**Kuze kube yiminyaka yawo 1800, abanye ababhali bomlando babekholwa ukuthi yiNdlovukazi uSemiramis owakha iBabele.
Kodwa eBhayibhelini, uDaniyeli ucaphuna amazwi enkosi uNebukadinesari athi:**



59

**Daniyeli 4:30
...Angithi yileli Babele elikhulu engilakhile...?
Daniyeli 4:30.
Ubani okhuluma iqiniso?**

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala


60

Ngo 1899, uRobert Koldewey waqala ukwemba izindonga ezindala zeBabele, wavumbulula izinkulungwane zezitini, zonke zinesigxivizo senkosi uNebukadinesari, zonke zithathwe ezindongeni nasemathempelini aseBabele!




61

Itshe elibhalwe ngendlela yaseBabele likhuluma ngempumelelo kaNebukadinesari, nalo latholwa yilabo abemba umlando ogqitshiwe eBabele.



62

Kulona, inkosi yaqopha lokhu: Ngakha izinqaba e-Esagila naseBabele. Ngaqinisa igama lombuso wami kwanaphakade.



63

Daniyeli 4:30
Lithi iBhayibheli uNebukadinesari owayeziphakamisile wakhuluma wathi: Angithi yileli Babele elikhulu,



64

engilakhile libe yindlu yobukhosi ngezikhwepha zamandla ami, libe ludumo lobukhosi bami, na? Daniyeli 4:30


65

Umbhalo we East India House osewuseLandani manje, ugcwele amakhasi ayisithupha ngemibhalo yaseBabele ekhuluma ngezakhiwo ezinkulu zikaNebukadinesari. Nalapho sibona umlando ombiwayo uvumelana neZwi likaNkulunkulu.


66

Enye imfihlakalo ngomlando wezwe ukuthi akushiwo lutho ngo Belishasari owake wabusa eBabele. IBhayibheli limchaza njengombusi waseBabele owabona isandla sibhala odongeni lwendlu yokudlela. Ngabe kwaku ukucabanga kukaDaniyeli nje?
Cha, akunjalo.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala


67

UNabonidus, owalandela uNebukadinesari, wabambisa ubukhosi bakhe endodaneni yakhe uBelishasari ngesikhathi yena eseTema eArabiya iminyaka eyishumi.



68

Amatshe atholwa ngabagubhyo athi nangempela umbuso wawushiywe ezandleni zika Belishasari, inkosana.
Nakhu okwakubhaliwe:



69

KuBelishasari indodana ehlonishiwe, ozalwa yimina, faka enhliziyweni yakhe ukukhonza uNkulunkulu omkhulu, sengathi angewele esonweni;



70

sengathi angasuthiswa yinala yezwe; futhi ukuhlonipha inkosi enkulu makuhlale enhliziyweni kaBelishasari, indodana yami yamazibulo engiyithanda kakhulu. - God Speaks to Modern Man, ikhasi 154.




71

Akumangalisi yini ukuthi esahlukweni sokugcina sikaDaniyeli sifunda ukuthi: Kepha wena Daniyeli, gcina amazwi, unamathelise incwadi kuze kube sesikhathini sokugcina;



72

abaningi bayakwehla benyuka, ukwazi kube kuningi. Daniyeli 12:4.
Ulwazi luzokwanda, kungekuphela kwezesayensi. Ulwazi luzokwanda futhi nangobuqiniso beliZwi likaNkulunkulu.



73

Izitini nezindilingi, amatshe nemiqulu - kwembiwa abafundi bomlando ogqitshiwe - kufakaza ngokuthi okushiwo yiBhayibheli kuyiqiniso.


74

Kanti-ke, obunye ubufakazi bokuthi iBhayibheli liphefumulelwe uNkulunkulu ukuthi liyakwazi ukuprofetha ngekusasa ngendlela eqinisekile.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala

5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala




75

Isaya 46:9 - 10
NginguNkulunkulu akakho onjengami,



76

engimemezela ngaphambili okuyakuza, nasendulo izinto ezingakenziwa.  Isaya 46:9, 10.


77

Yebo, njengoba uNkulunkulu embula isihenqo sesikhathi, esibonisa okuzayo, uyatshengisa kubantu ukuthi iBhayibheli akuyona incwajana-nje. Yincwadi yaKhe.


78

Lingakafinyeleli nasekuthini libe nodumo iBabiloni, incwadi kaNkulunkulu yaprofetha ngokuwa kwalo:



79

Isaya 13:19I
Babele, umhlobiso wemibuso, isivunulo sokuzikhukhumeza kwamaKaledi,



80

liyakuba njengokuchitha kukaNkulunkulu iSodoma ne Gomora.
Isaya 13:19.
IBhayibheli laze laprofetha nangombuso owawuzunqoba iBabiloni.



81

Jeremiya 51:11.
...UJehova uvusile umoya wamakhosi aseMediya: ngokuba icebo laKhe ngeBabele lingukuba alichithe.
Jeremiya 51:11.


82

Igama lendoda eyayizohola amabutho ekunqobeni iBabiloni laprofethwa eminyakeni engu 150 ingakazalwa, kanye nendlela eyayizonqoba ngayo.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



83

Isaya 45:1
Usho kanje uJehova kogcotshiweyo waKhe, kuKoresi...
Ngiyakuvula iminyango phambi kwakhe...
Isaya 45:1.
Ngabe sagcwaliseko leso siprofetho seBhayibheli?
Yebo, njengoba sinjalo!




84

Egumbini elaziwa nge Persian Hall endaweni yokugcina amagugu esizwe saseBrithani, kukhona indilingi kaKoresi - eyatholakala emlotheni eBabiloni.
Kulendilingi yobumba, uKoresi ubhale ngokunqoba kwakhe!
Imininingwane injengoba kwakushiwo!



85

IBhayibheli aligcinanga ngokuprofetha ngokuwa kweBabele, laqhubeka lathi:




86

IBabele liyakuba yizinqwaba...
Jeremiya 51:37.




87

U-Isaya wabhala: Akusayikuhlalwa kulo...



88

Kepha izilwane zasehlane ziyakubuthisa khona, nezindlu zalo ziyakugcwala izikhova;
Isaya 13:20, 21.


89

UNkulunkulu kuphela owayengabona ngaphambili aprofethe ngokuqinisekile okwakuzokwenzeka kuleliBabele elinamandla.
Uvulindlela uAusten H. Layard uyawachaza amanxiwa eBabele lakudala:

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



90

Izinqwaba zamabibi zigcwele amathafa...kuyindawo eyize neyincithakalo.




91

Izikhova zitholakala ezihlahleni, ngokunjalo nojakalase.
Discoveries Among the Ruins of Nineveh and Babylon, ikhasi 413.



92

Maqondana nenkazimulo yakudala yeBabiloni, akusasele lutho ngaphandle kwegama elikumkhombandlela eceleni komgwaqo.  Izinqwaba ezinkulu ezigcwele bonke ubuso beBabiloni lasendulo zingubufakazi bokuthi iBhayibheli liphefumulelwe nokuthi liqinisile.



93

Isaya 40:8.
Singavumelana nomprofethi:
Utshani buyabuna, imbali iyavuthuluka, kepha izwi likaNkulunkulu wethu limi kuze kube phakade.
Isaya 40:8.


94

Sihlobo, uma uNkulunkulu ekwazi ukuprofetha kanjena ngekusasa lemibuso yasendulo kusasele amakhulu eminyaka kungakenzeki, singakungabaza yini ukuthi uyakwazi ukusho ukuthi elethu ikusasa lisiphatheleni?  Cha!


95

Empeleni, isiprofetho seBhayibheli sisinika ilungelo lokuba sembule isihenqo, sibuke okuzayo ngamehlo kaNkulunkulu, sibone isisombululo saKhe ngezinkinga okubonakala  zizogubuzela lomhlaba.


96

IBhayibheli lingaphezu kokuba wumlando owethembekayo, lingaphezu kwamaqiniso esayensi, noma iziprofetho ezigcwalisekile.
Ukuba bekungenjalo, bekungaba yinto encane ukuthi abantu benzani ngalo.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala


97

Ingqikithi yeBhayibheli, umongo wakho konke, yindaba yalokho okwenzeka kuleyontaba ngaphandle kwaseJerusalema eminyakeni engaphezu kweyi 1900. Kwenza umahluko ukuthi sikholwa kuphi phakathi kokuningi.


98

Kukabili: kungaba iNdodana kaNkulunkulu yafa kuleso siphambano, noma ayifanga.
Kungaba ingulowo iBhayibheli elithi inguye, noma akasiye!
IKalvari yinganekwane noma Cha?
Kwenza umahluko, kanti sidinga ukwazi!


99

Mhlawumbe ubufakazi obedlula bonke ngokuthi iBhayibheli liyilokho elithi liyikho, amandla ayo leNcwadi ukuguqula impilo.
Lawomandla atholakala emntwini oyedwa - uJesu Kristu! UJesu wathi:



100

Johane 5:39
Nihlola imibhalo, ngokuba nithi ninokuphila okuphakade kuyo; yiyona efakaza ngaMi.
Johane 5:39



101

UJesu wayekhuluma ngeTestamente eliDala, ngoba elisha lalingakabhalwa.
Uma uphenya amakhasi eTestamente eliDala, uzothola ukuthi aprofetha ngoMesiya ozayo nangomsebenzi waKhe wothando nosindiso.



102

Luka 24:44
UJesu wathi kubafundi baKhe:
...Yiwo lawo mazwi aMi engawakhuluma kini ngisenani, okuthi kumelwe ukugcwliseka konke,



103

okulotshwe ngaMi emthethweni kaMose, nakubaprofethi nasemaHutsheni.
Luka 24:44.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



104

ITestamente eliDala laprofetha ngoKristu, iTestamente eliSha yindaba yokuphila kwaKhe.
Uyabonake, iBhayibheli lonke lingukwembulwa kukaJesu Kristu, oweza ukuzotshengisa lomhlaba ohlubukile ukuthi uYise unjani ngempela.




105

Kungakho iBhayibheli libizwa ngokuthi iLizwi LikaNkulunkulu eliPhilayo.
Linamandla amangalisayo, noma-phi lapho liya khona - amandla aguqula izimpilo, nabantu nezimilo, linikeza amandla kwababuthakathaka, inkuthazo kwabamimoya iphansi, ithemba kwabafayo.
Kuwo wonke umlando, amandla eBhayibheli okuguqula abantu abonakalisiwe izikhathi ngezikhathi.
Abantu abanolaka libaguqulile baba nokuthula ngenxa yamandla alo.



106

Abantu ababekade bengenazimilo, bebuswa yizinkanuko sebephila impilo ehlanzekile.
Izidakwa zelaphekile ekuphuzeni, amasela akhululwa ekwebeni, ngokunjalo nabakhwabanisi.
Awudingi ukuya kude ukuze ubone izigebengu ezazinezinhliziyo ezimbi emajele eseziguqukile zaba amaKristu athokozayo ngenxa yamandla eBhayibheli.



107

Awudingi ukubheka kude ukuze ubone imishado obesekuseduze ichitheke, kodwa yasindiswa, yagcwaliswa uthando olusha ngenxa yamandla eBhayibheli.
Akekho umuntu ongafunda iBhayibheli ngokwethembeka, nsuku-zonke, ngaphandle kokuba aguqulwe.
Futhi uma uthatha isikhathi nsuku-zonke ufunde iBhayibheli, sihlobo sami, nawe lizokuguqula.



108

UJesu wachitha isikhathi eguqula abantu. Lowo umongo wenkolo yobuKristu. Futhi kuyingqikithi yeBhayibheli, imfihlakalo yamandla alo.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



109

**John 8:32**
**UJesu wayazi ukuthi yimaphi amandla aguqula abantu: Niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula. John 8:32.**



110

**Yiqiniso elikhulula abantu - elibaguqulayo!**
**Yiqiniso elenza isidakwa sihlambuluke sibe ubaba wekhaya olungile.**
**Yiqiniso elikhulula umuntu obanjwe yizidakamizwa.**
**Njengoba kukhona inkohliso engaka emhlabeni namuhla, singabuza ukuthi: Liyini iqiniso na?**



111

**Johane 17:17**
**UJesu wayisho impendulo:**
**Izwi laKho liyiqiniso. Johane 17:17.**
**IBhayibheli, izwi likaNkulunkulu, liyiqiniso!**
**Amandla alelozwi angaguqula izinhliziyo zabesilisa nabesifazane.**


112

**Kodwa iZwi likaNkulunkulu lingaguqula kuphela labo abavumayo ukuguqulwa - labo abavumayo ukwamukela uMuntu osencwadini, uJesu Kristu.**
**Izigidi zabantu ziguquliwe ngokufunda iBhayibheli.**
**Awekho amandla angaphezu kwalawo emhlabeni, athinta izinhliziyo nokuguqula izimpilo.**
**Uyabona, sihlobo sami, ukuthi senzani ngalencwadi, kwenza umahluko.**
**Akuyona-nje incwadi oyiphatha uma uya esontweni, noma okhangisa ngayo ekhaya!**
**Akuyona-nje incwadi equkethe ulwazi oluwusizo nezaluleko ezinhle.**
**UNkulunkulu ekhuluma nezinhliziyo zethu.**
**Yincwadi yothando evela kuNkulunkulu iya kubantwana baKhe emhlabeni.**
**Liyimfihlo yokunqoba, injabulo engapheli, nokuthula komphefumulo.**

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala



113

(Video 12 sec) Ake ngikutshele indaba yamandla ezwi likaNkulunkulu ekuguquleni impilo. Eminyakeni eminingi eyedlule, kwakukhona umkhumbi obizwa ngokuthi yiBounty.
Ngo 1790, uKaputeni Bligh namatilosi akhe basuka eNgilandi beyolanda uhlobo oluthile lwezihlahla ukuze zitshalwe eWest Indies njengokudla okubiza kancane kwezigqila.



114

(Video 7 sec) Ngenxa yobuholi buka Bligh bolaka, nokuphatha kwakhe kabi amatilosi, kwaba khona uzungu lokumketula, kwathi uFletcher Christian owayengumholi kuloluzungu, wafaka uBligh kanye nabanye abangu 18 esikebheni esincane babayeka bantanta olwandle. Ngenhlanhla bakwazi ukubuyela emuva eNgilandi ngokusizwa ubuchwepheshe buka Kaputeni Bligh emanzini.



115

(Video 4 sec) Labo ababesele emkhunjini iBounty, akubahambelanga kahle kangako, kodwa bazithola sebesesiqhingini iPitcairn, okwakungahlali bantu kusona.



116

(Video 10 sec) Bawushisa umkhumbi iBounty ukuze badukise umkhondo. Ngesikhathi beseTahiti, uBligh wayegibelise abasefazane nezingane kanye namadoda ambalwa.
Konakala lapho amambhuka efunda ukuzenzela utshwala. Kwaba khona ukubulalana nobugebengu, kungekudala kwase kusele indoda eyodwa kuphela, uJohn Adams, nabesifazane abaningi nezingane.



117

(Video 8 sec) UJohn Adams wafuna iBhayibheli lasemkhunjini waze walithola ebhokisini. Waqala ukulifunda, ngokwenze njalo, kwenzeka inguquko empilweni yakhe.
Wabona ukuthi kufanele abonelele ikusasa labo bonke abantwana ababelapho. Waqala wabafundisa ukufunda nokubhala kanye nokuziphatha.
Lenguquko emangalisayo kulesiqhingi yadonsa umdlandla wemikhumbi edlula lapho, uhulumeni waseBrithani kanye nomhlaba wonke.

# 5 - Izimfihlakalo Zemiqulu Yakudala


118

**LeliBhayibheli lingayiguqula neyakho impilo, mngane wami. Uma sifunda iBhayibheli, yena loMoya oNgcwele owaphefumulela abaprofethi ukuze babhale phansi izwi likaNkulunkulu emakhulwini eminyaka ngaphambili, uguqula izimpilo zethu.**
**Woza ezwini likaNkulunkulu ngokuzithoba nangokukholwa uthi:**
**Yebo, Nkosi, ngitshengise iqiniso laKho, ngizolilandela.**
**Yebo, Nkosi, ngembulele noma iyiphi into engidinga ukuyiguqula empilweni yami.**
**Nkosi, ngilangazelele ukuhlangana naWe emakhasini ezwi laKho njengoMsindisi onothando, othethelelayo noguqula impilo.**


119

**Yebo, mngane, akuyona-nje incwadi - ngumbhali wencwadi owenza umahluko.**
**Uma simbona lowombhali, ukukholwa kwethu kuzokhula.**
**Ngoba umu umazi Yena, uzomthanda umethembe.**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?



1

**UNkulunkulu Wothando Angakuvumela Kanjani Lokhu na?**


2

**U Clara Anderson wayengumsebenzi wasezindlini eSan Francisco, kanti wayeyinono futhi enobuqotho. Ngelinye ilanga, esesebenzele umqashi oyedwa iminyaka eyishumi nanhlanu, wanyamalala. Umqashi wakhe akazanga ukuthi ushonephi. Wavele waphela emehlweni. Ngenhlanhla, ngemuva kwezinsuku eziningi kuthungathwa, uClara watholwa abasebenzi bezenhlalakahle.**
**UClara wayesentabeni engaphandle kwedolobha lase San Francisco lapho ayedube khona ukudla ngoba efuna ukufa. Wamemeza wathi: Ngiyekeni, ngifuna ukufa. Intatheli eyakhuluma naye yatshelwa uClara ukuthi: Akukho muntu onendaba nami. Ngiyisisebenzi sasezindlini-nje -- omunye wabayizinkulungwane abenza imisebenzi ephansi. Impilo yami ayibalulekile. Anginazihlobo, anginamndeni, anginabangane. Ngingedwa-nje manje angisafuni ukuphila.**
**Akukho muntu engingathi usondele kimina -- umuntu engingakhuluma naye ngimvulele inhliziyo yami. Ngakhoke ngiyekeni ngife ngoba akukho muntu onendaba nami.**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


3

**Akukho muntu onendaba! Lesi yisikhalo samadoda nabesifazane kulomhlaba wesizungu.**
**Kabusha-nje, inhlolovo ngoNkulunkulu yabuza abantu ukuthi uma bebengaba nethuba lokubuza umbuzo owodwa kuNkulunkulu, bekungaba yimuphi lowo mbuzo?**
**Wena-ke? Ungambuza mbuzo-muni uNkulunkulu uma uthola ithuba lokubuza?**
**Nakhu okungabuzwa yizigidi zabantu:**
**Nkulunkulu, ngabe ngempela uyanginakekela yini?**
**Uma unomusa ngempela, kungani kukhona izifo ezingaka, ukuhlupheka nokufa emhlabeni?**
**Kungani kukhona usizi olungaka nokwephuka kwezinhliziyo na?**
**Kungani kukhona indlala, izikhukhula, izimpi nezinhlekelele na?**


4

**Sibheka ngapha nangapha, sibona ukuthi kukhona amandla obumnyama asebenzayo emhlabeni.**
**Yonke indawo kukhona izehlakalo ezibuhlungu ezenzekayo mihla yonke.**



5

**Ubani umqambi walo lonke usizi nokuhlupheka emhlabeni? Abantu abaningi basola uNkulunkulu ngezinkinga abahlangana nazo.**
**Kukangaki uzwa abantu bebuza bethi: uNkulunkulu ukwenzeleni lokhu kimina na?**



6

**Ake sibheke ukuthi lithini iBhayibheli ngalempi enkulu eqhubekayo phakathi kwamandla okulunga nawobumnyama.**
**Ungase ubuze uthi: Uma kungesiyena uNkulunkulu oletha ukuhlupheka nosizi emhlabeni, ubani kanti ?**


7

**IBhayibheli liyamgagula lowo owenza lezinto! UJesu wake walanda indaba ngomlimi owatshala imbewu enhle ensimini yakhe, kodwa kuthe sekumila izitshalo**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


8

kwabonakala ukhula ensimini.



9

(Mathewu 13:27)
Kwase kufika izisebenzi zomnumzane zathi kuye: Nkosi, awuhlwanyelanga imbewu enhle ensimini yakho na?



10

Pho ilutholephi ukhula na?
Zazifuna ukwazi ukuthi luvelaphi ukhula!



11

(3 slides:  Mathewu 13:37 - 39)
Wayesephendula, ethi kubo: Ohlwanyela imbewu enhle yiNdodana yoMuntu...



12

Insimu yizwe; imbewu enhle yibo abangabantwana bombuso; kodwa ukhula ngabantwana bomubi.



13


Kepha isitha esaluhlwanyelayo nguSathane.



14

Uyabona, ngesikhathi uNkulunkulu ezama ukutshengisa uthando nomusa kubo bonke abantu, kukhona amanye amandla asebenzayo kulomhlaba ukuletha izinhlekelele, usizi, ukufa nokugula ezimpilweni zabantwana bakaNkulunkulu.

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


15

**Incwadi yokugcina yeBhayibheli iSambulo, iyasitshela ukuthi konke lokhu kwaqala kanjani ukuze silazi iqiniso ngalokho okwenzeka ezulwini, lokho okwaletha ukuhlupheka okungaka emhlabeni.**
**Sizothola ukuthi ububi bavelaphi. Kungase kukumangalise, kodwa yiqiniso ukuthi kwaba khona impi ezulwini!**



16

**(4 slides: Isambulo 12:7 - 9)**
**Kwase kuba khona ukulwa ezulwini; uMikayeli nezingelosi zaKhe balwa nodrako. Nodrako walwa enezingelosi zakhe,**



17

**Kepha kabaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunyanwa ezulwini.**



18

**Wayesephonswa phansi udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke,**



19

**waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye.**
**Isambulo 12:7 - 9.**


20

**Qaphela indlela lodrako noma uSathane ethulwa ngayo yiSambulo 12:3, 4:**



21

**Kwabonakala esinye isibonakaliso ezulwini; bheka, nango udrako omkhulu obomvu, enamakhanda ayisikhombisa nezimpondo eziyishumi,**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?



22

nasemakhanda akhe enemiqhele eyisikhombisa.



23

Umsila wakhe wadonsa okwesithathu kwezinkanyezi zezulu, waziphonsa emhlabeni...


24

Ngokusobala inxenye yesithathu yezingelosi zasezulwini yalandela lomkhohlisi ekuvukeleni kwakhe umbuso kaNkulunkulu.
Ake sithole kabanzi ngalengelosi eyawa ebizwa ngokuthi uLusifa.
ETestamenteni eliDala uchazwa njengenkosi yaseTire, kanti nakhu okushiwo ngaye:



25

(4 slides: Hezekeli 28:12 -14)
...Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Wawuluphawu lokupheleleyo; wawugcwele ukuhlakanipha, wawuphelele ngobuhle.
Hezekeli 28:12



26

Wawuse-Edene, insimu kaNkulunkulu, onke amatshe anqabileyo ayeyisisibekelo sakho...
Hezekeli 28:13



27

Wawuyikherubi eligcotshiweyo elisibekelayo...waba sentabeni engcwele kaNkulunkulu;



28

wahamba phakathi kwamatshe omlilo.
Hezekeli 28:14

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


29

ULusifa wayekade eyingelosi enhle, wayedalwe ephelele ngazo zonke izindlela.
Wayeyingelosi ema eduze kukaNkulunkulu, eyikherubi elisibekelayo.


30

ULusifa wayenesikhundla esiphakeme ezulwini. Nhlangothini zombili zesihlalo somusa noma sobukhosi sikaNkulunkulu, kwakukhona izingelosi ezimbili - eyodwa ngakwesokudla, nenye ngakwesobunxele. Enye yalezingelosi kwaku uLusifa.


31

Wayengenelisiwe yindawo esondele kuNkulunkulu.
WAYEFUNA UKUBA UNKULUNKULU!
Kukhona okwenzeka kuLusifa nobudlelwane bakhe noNkulunkulu. UNkulunkulu wathi kuLusifa:



32

(Hezekeli 28:15)
Wawuphelele ezindleleni zakho kusukela osukwini lokudalwa kwakho kwaze kwafumaniseka ukungalungi kuwe.
Hezekeli 28:15




33

Inhliziyo yakho yakhukhumalla ngobuhle bakho, wonakalisa ukuhlakanipha kwakho;
Hezekeli 28:17.


34


Lengelosi enhle, nephakeme yaphenduka igovu. Yalangazelela inkazimulo nodumo olufanele uNkulunkulu yedwa. Wayefisa ukuba namandla. Waba nesibindi sokuphonsela uMdali wakhe inselelo yokuthi ubani ozobusa amazulu. Lalela kahle:



35

Yeka ukuwa kwakho ezulwini, khwezi elikhanyayo, ndodana yokusa, nokunqunyelwa kwakho phansi,

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?



36

**Ngokuba wathi enhliziyweni yakho: Ngiyakukhuphukela ezulwini, ngiphakamise isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu...**



37

**...Ngizenze ngibe ngangoPhezukonke.**
**Isaya 14:12 - 14**


38

**Ngokuphuma kwalamazwi okuziphakamisa emlonyeni kaLusifa, uthando nokuzwana okuphelele kwasezulwini kwaphahlazeka kwaba yizigidi zezingcezu zobugovu.**


39

**Kungekudala uLusifa waqala wafafaza umoya wokungeneliseki phakathi kwezinye izingelosi. Kancane kancane wadicilela phansi uthando lukaNkulunkulu nokulunga kwaKhe.**


40

**Ukuhlubuka kwakhe kwenabela nakwezinye izingelosi ezulwini njengezambane elibolile esakeni. Mhlawumbe uyazibuza ukuthi kungani uNkulunkulu engambhubhisanga ngaleso sikhathi iLusifa. UNkulunkulu wayenakho ukumchitha ngokuphazima kweliso uLusifa nezingelosi ezahlubuka naye, kodwa ukuba wayenze njalo, zonke izidalwa zaKhe zazizomkhonza ngovalo.**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


41

Ake sithi mhlawumbe uNkulunkulu wasephuca sonke ilungelo lokuzikhethela, wasenza safana nomshini okuthiwa yiRobothi.
Bangaki kinina abanezingane? Ngiyabona nikhona nibaningi.
Ungayithanda yini ingane ewumshini? Ungayithanda kanjani ingane ongayicupha ukuze ilalele konke okushoyo?
Lowomntwana angavuka ekuseni athi: Yebo mama, ngizolidla iphalishi lami.
Yebo Baba, ngizoyihlanza indlu.
Yirobothi leyo - into eyakhiwe ngensimbi ebandayo, engazicabangeli.
Ngeke washo ukuthi unengane.
Ungayithanda ingane enjalo? Cha, ngeke.
Ngokunjalo noNkulunkulu.


42

UNkulunkulu unguNkulunkulu wothando. Uthokoziswa ukuba nobudlelwane bothando nezidalwa zaKhe ezimkhonza ngoba zimthanda futhi zimethemba.


43

USathane wasola umthetho kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe, kodwa uNkulunkulu lemithetho wayengayenzelanga ukubukisa ngokuthi ubani ophethe! Wayenzela ukuvikela izidalwa zaKhe, aqiniseke ngokuthula nentokozo yazo.



44

Imithetho yakhe ifana nezinkomba-ndlela ezibekelwe ukuphepha kwethu.
Kodwa lengelosi ehlonishwa ngaphezu kwezinye yacabanga ukuthi yona ingabusa amazulu kangcono kunoNkulunkulu!


45

USathane, "ophikisana noNkulunkulu" waziphendula idimoni.

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?



46

**UNkulunkulu unike wonke umuntu ilungelo lokulalela noma ukungalaleli.**
**Eqhutshwa ubulungiswa nothando, uNkulunkulu uvumele uSathane ukuba atshengise izwe lonke ukuthi yena wayengabusa kanjani emhlabeni.**
**Asazi kahle ukuthi konke lokhu kwenzeka kanjani njengoba uNkulunkulu wayenothando futhi elunge kubo bonke abantu.**



47

**Impi eyaqala ezulwini ayikapheli, yasuka khona yeza lapha.**
**Lomhlaba iyona inkundla lapho kubambene khona impi phakathi kokulunga nobubi, lapho uSathane ezobonisa khona uhlobo lombuso wakhe nokuthi wayezowuphatha kanjani lomhlaba.**




48

**Kodwa kungani kuyilomhlaba na? Kwakudingeke ngani ukuthi lomhlaba wethu wenziwe**



49

**... umbukwane wezwe nowezingelosi nowabantu. 1 Korinte 4:9.**


50

**Umhlaba wawusanda kuphuma nje ezandleni zoMdali, umuhle uphelele ngendlela engenakuchazwa.**
**Kusobala ukuthi uSathane naye wayenalowo mqondo ngoba wabona umhlaba njengomklomelo afuna ukuzizuzela wona.**
**Wazimisela ukuwuhlwitha lomhlaba omuhle osanda kwenziwa.**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


51

Noma uAdamu noEva, abazali besizwe, babedalwe bengasileli ngalutho, lokho kwakungasho ukuthi babengenakho ukuwela esonweni.
Babekhululekile ukukhetha ukuthanda uNkulunkulu bamlandele, noma bangayinaki imiyalo yaKhe.
Ukwethembeka kwabo kwadingeka ukuba kuvivinywe.
Lokho kuvivinywa kwakuzogxila emthini owodwa.
UNkulunkulu wabexwayisa wathi:



52

...Ungadla kuyo yonke imithi yensimu ngokuthanda kwakho,



53

Kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi, ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa.
Genesise 2:16, 17.
Kwakuyisicelo esinomqondo leso.  Bazizwa bephephile.
Kodwa umuntu usengozini enkulu lapho ezunywa yinto engazelele ngoba kade ecabanga ukuthi uphephile.


54

Kwenzeka leyonto ku Eva.
USathane wasebenzisa amandla akhe obungelosi ukumkhohlisa.
Akuvamile ukuthi uSathane asebenze ngokusobala.
Unobuqili.  Usebenzisa izinhlangano, abantu ngisho nenyoka!


55

Kungakho-nje uPawulu wathi:



56

(3 slides:  Efesu 6:11 - 12)
Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze nibe namandla okumelana namaqhinga kaSathane.

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?



57

Ngokuba asibambene negazi nenyama, kodwa sibambene nemibuso, namandla,



58

nababusi bezwe balobu bumnyama, nabawomoya bobubi emkhathini.
Kwabase Efesu 6:11, 12.



59

UEva wakhohliseka.
Akazange acabange ukuthi lamazwi ayephuma enyokeni empeleni ayevela kuSathane.
USathane, esebenzisa inyoka, wambuza wathi:




60

...Ngempela uNkulunkulu ushilo yini ukuthi: Ningadli emithini yasensimini na?
Genesise 3:1




61

U Eva waphendula wathi: Singadla izithelo zemithi yasensimini.




62

Kepha ngezithelo zomuthi ophakathi nensimu,



63

uNkulunkulu ushilo ukuthi: Ningazidli, ningazithinti ukuba ningafi.



64

Inyoka yathi kowesifazane: Aniyikufa nokufa;
Genesise 3:2 - 4

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


65

**Ngesikhathi uEva elalele inyoka, noma kanjani kwafika engqondweni yakhe ukuthi isho okuphikisana nalokho ababekutshelwe uNkulunkulu.**
**Mhlawumbe inyoka yabona ukuthi uEva udidekile, yashesha yathi:**



66

**Kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nizidla, kuyakuvuleka amehlo enu, nibe njengoNkulunkulu, nikwazi okuhle nokubi.**
**Genesise 3:5.**



67

**USathane wafaka umqondo wokuthi uNkulunkulu akehluleli ngokulunga, nokuthi kukhona okuhle ayekufihlela abantu.**
**Ukufana noNkulunkulu kwakuselokhu kuyisifiso esikhulu sikaSathane esaze sabangela ukuwa kwakhe.**
**Lamazwi enyoka ezwakala kamnandi ku-Eva, waze wathi engacabanganga kahle, wehluleka ukuzibamba.**




68

**(2 slides: Genesise 3:6)**
**Owesifazane ebona ukuthi umuthi ulungele ukudliwa, nokuthi uyabukeka emehlweni,**




69

**nokuthi umuthi unxanelekile ekuhlakaniphiseni, wathatha izithelo zawo, wadla...**
**Genesise 3:6.**


70

**Wanika nendoda yakhe kanye naye, nayo yadla.**


71

**U Adamu no Eva abakuphumelelanga ukuvivinywa kothando nokwethembeka kwabo, kwathi kungekudala, babona ukuthi kukhona okonakele.**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?



72

USathane wawuqhwaga lomhlaba owawusemusha!
Kusukela ngaleso sikhathi wazibiza ngokuthi uyinkosi yalomhlaba.
Umbusi womhlaba ohlubukile!
U Adamu no Eva balalela izwi lomubi.




73

Ekushoneni kwalolusuku oludabukisayo, uNkulunkulu wafika ensimini ngokwejwayelekile, ebiza u Adamu no Eva.
Kuze kube yilolo suku, kwakuyisona sikhathi esimnandi sosuku lesi - ithuba lokuhamba nokukhuluma noNkulunkulu owayebadalile. Kodwa namhlanje bayabaleka, bacasha phakathi kwezihlahla.




74

Ngesikade, uAdamu waphuma ezihlahleni, wavuma isono sakhe




75

...Ngizwe izwi laKho ensimini, ngesaba ngokuba ngihamba ze; ngalokho ngacasha.
Genesise 3:10.



76

U Adamu wayengakaze afikelwe ukwesaba ngaphambili, kodwa isono senza leyonto-ke.
Senza umuntu aze esabe noNkulunkulu.




77

UNkulunkulu wathi: Udlile kulowo muthi engakuyala ngawo ukuthi ungadli kuwo na?
Indimana 11.
U Adamu waphendula:

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?




78

...Owesifazane, owangipha yena ukuba abe nami, unginikile kuwo umuthi, ngadla.
Genesise 3:12.
Amahora ambalwa ngaphambi kwalokho, u Adamu wayezimisele ukufa lapho u Eva efa khona.
Manje useyamsola, usola noNkulunkulu ngokudala u Eva. Uyayibona indlela isono esihlakaza ngayo uthando lweqiniso?



79

U Eva naye wayengazibekile phansi. Ngesikhathi uNkulunkulu embuza ngalento ayenzile, waphendula wathi:




80

...Inyoka ingikhohlisile ngadla.
Genesise 3:13.
U Eva naye wasola uNkulunkulu! Ngamanye amazwi wayethi: Inyoka oyidalile engifake kulenkathazo.


81

Ngalo lolosuku u Adamu no Eva baba ngaphansi kwesigwebo sokufa!
Ukuze avimbele u Adamu no Eva ukuba bangadli izithelo zomuthi wokuphila, uNkulunkulu wabaxoshela ngaphandle kwaleli khaya labo lase Edeni.
USathane wayethe abayikufa nokufa, kodwa iBhayibheli lithi:



82

Zonke izinsuku zokuhamba kuka Adamu zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyangalolunye namashumi amathathu, wayesefa. Genesise 5:5.
Lase lidume ladlula ngesikhathi bebona ukuthi uSathane



83

(Johane 8:44)
...ungumqambimanga noyise wawo.
Johane 8:44.

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


84

**Kulula ukusola uNkulunkulu ngezinhlekelele emhlabeni, kodwa empeleni uSathane uyena onecala ngomonakalo.**



85

**(Video: 10 sec) Uyena owaletha ukuhlupheka emhlabeni, futhi usaqhubeka ngokwandisa isono kuze kube manje. UJesu wamembula uSathane nendlela ahlupha ngayo abantu.**


86

**Efundisa esinagogeni ngelinye ilanga leSabatha, waphawula owesimame othile owasegobe iqolo ngenxa yesifo ayenaso.**
**UJesu wathinteka yisimo salomame, wamphulukisa.**


87

**Abaphathi abachithanga sikhathi ukumsola ngoba waphilisa ngosuku lweSabatha - usuku lukaNkulunkulu olungcwele lokukhonza. Kodwa ake uqaphele indlela avikela ngayo isenzo sakhe:**



88

**(2 slides: Luka 13:16)**
**Kepha lona eyindodakazi ka Abrahama, uSathane abembophile iminyaka eyishumi nesishiyagalombili,**



89

**bekungafanele yini ukuba akhululwe ngosuku lweSabatha na? Luka 13:16**


90

**UJesu wathi uSathane owayebophe lomame iminyaka eyishumi nesishiyagalombili.**
**USathane onecala! Empeleni, uSathane uyena ongemuva kwakho konke ukugula nokuhlukumezeka nokufa!**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


91

Mhlawumbe ayikho enye indawo eBhayibhelini etshengisa ngokusobala ubuqili bukaSathane njengencwadi kaJobe isahluko sokuqala, lapho exoxa khona noNkulunkulu.


92

Kwasekuyisikhathi ngemuva kokuwa kukaSathane lapho amadodana kaNkulunkulu eza phambi kwaKhe. NoSathane weza.
Ake ucabange ngalokho! Nanku umhlangano wamadodana kaNkulunkulu, nango uSathane eza naye engamenyiwe!




93

UJehova wayesethi kuSathane: Uvelaphi na?
Jobe 1:7
Ngamanye amazwi: Umenywe ngubani? Unalungelo lini lokuba lapha na? USathane waphendula wathi:



94


...Ekuzuleni emhlabeni nasekuhambahambeni kuwo. Jobe 1:7.
USathane waqhwaga umbuso wasemhlabeni. Wathatha isikhundla sika Adamu!


95

U Adamu ubizwa ngokuthi yindodana kaNkulunkulu (Luka 3:28), njengabo bonke abanye ababeze ukuzohlangana noNkulunkulu ngalolosuku.


96


Kungenzeka yini babengababusi kweminye imihlaba, njengoba uAdamu ekuqaleni wayengumbusi walomhlaba nje?
Noma ngabe kunjani, isenzo sikaSathane njengomele lomhlaba wethu asithathwanga ngaphandle kwemibuzo. UNkulunkulu wathi kuSathane:



97


(4 slides: Jobe 1:8, 9, 11).
...Inhliziyo yakho iyiqaphele inceku yami uJobe na? Ngokuba akakho onjengaye emhlabeni,

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?



98

**umuntu ongenasici nolungileyo, omesaba uNkulunkulu, obalekela okubi.**



99

**USathane wamphendula uJehova wathi: UJobe uyamesaba uNkulunkulu ngeze na?**



100

**Kepha ake welule isandla saKho, uthinte konke anakho, impela uyakukuthuka ebusweni baKho!**
**Jobe 1:8, 9, 11**



101

**Inselelo engako! USathane wathi isizathu sokuba uJobe athembeke kuNkulunkulu yilokho uNkulunkulu amenzela khona, hhayi ngoba emthanda futhi emethemba.**



102

**Wathi uJehova kuSathane: Bheka, konke anakho kusesandleni sakho; kuphela kuyena uqobo ungabeki isandla sakho.**



103

**Wayesephuma uSathane ebusweni bukaJehova.**
**Jobe 1:12.**
**Wasuka uSathane enomfutho, ephikelele ukuyocekela phansi impahla kaJobe.**


104

**Zaqala izinduku:**
**Eyokuqala: AmaSheba antshontsha izinkomo zikaJobe, abulala izisebenzi zakhe.**


105

**Eyesibili: Umbane washaya, wabulala izimvu nabelusi.**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


106

**Eyesithathu: AmaKaledi afika aphanga amakamela kaJobe.**


107

**Eyesine (okubuhlungu kakhulu): isivunguvungu sawisa indlu yendodana kaJobe eyizibulo. Kwakukade kunedili, zonke izingane zikaJobe zafela lapho!**



108

**Usizi lukaJobe! Wayecabanga ukuthi uJehova usemephucile imfuyo yakhe, wamhlukumeza. Akazanga ukuthi uSathane owenze lokho! Noma wayedabuke kangako, uJobe wahlala ethembekile kuNkulunkulu.**




109

**...UJehova wapha, uJehova uthathile; malibongwe igama likaJehova.**
**Jobe 1:21**
**Yize noma wayengaqondi ngalamashwa ayemehlela mayelana nemfuyo yakhe nezingane, uJobe wethembela ekulungeni kukaNkulunkulu noma kunjalo.**
**Kodwa uSathane wayengakadeli.**
**Waphinda waphonsela uNkulunkulu inselelo wathi:**




110

**(3 slides: Jobe 2:4 - 6)**
**...Yebo, konke umuntu anakho uyakunika ngokuphila kwakhe.**



111

**Kepha ake welule isandla saKho, uthinte amathambo akhe nenyama yakhe, impela uyakukuthuka ebusweni baKho.**



112

**UJehova wayesethi kuSathane: Bheka, usesandleni sakho; gcina ukuphila kwakhe kodwa.**
**Jobe 2:4 - 6**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?



113

Kwaqala ukuvivinywa! Ngabe uJobe wayezohlala ethembekile kuNkulunkulu noma izinto zaziya ngokushuba, noma mhlawumbe wayezofulathela uNkulunkulu?



114

(2 slides: Jobe 2:7)
Wayesephuma uSathane ebusweni buka JEHOVA,



115

wamshaya uJobe ngamathumba amabi, kusukela ematheni onyawo kuze kufike okhakhayini.
Jobe 2:7


116

Uma wake waba nethumba, uyazi ukuthi elilodwa-nje libuhlungu kangakanani. Cabanga-ke esegcwele kusukela ekhanda kuye onyaweni!



117

Yize noma uSathane wayeyiqedile impahla kaJobe, abantwana bakhe, wahlasela nempilo yakhe, uJobe wahlala ethembekile kuNkulunkulu. Indoda eqotho kangako! Lithi iBhayibheli:




118

Kukho konke lokho uJobe akonanga, akamthelanga uNkulunkulu okubi.
Jobe 1:22



119

Ubani owahlukumeza uJobe?
Ubani owezwisa uJobe ubuhlungu? USATHANE!




120

Ubani oweba imfuyo yakhe wabulala nezisebenzi zakhe?
USATHANE!


6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?

# 6 - Kungani Kunokuhluphekha Okungaka na?





121

Ubani owenza isivunguvungu esabulala amadodana akhe namadodakazi? USATHANE!




122

UNkulunkulu angabuvumela ubunzima buvivinye ukwethembeka nothando lwethu,




123

kodwa uSATHANE onecala labo bonke ububi emhlabeni!




124

Wena nami sizithola siphakathi kwempi yombango ophakathi kokugcinwa komthetho nokungagcinwa kwawo, phakathi koMdali noSathane owahlubuka kuqala.
Asizona izibukeli. Sinegalelo kulempi, noma siyathanda noma asithandi!



125

Umqondo wokuthi uSathane yinganekwanenje, usishiya singakulungele nakancane ukubhekana naleliqili.



126

Incwadi yeSambulo ithi:




127

(2 slides: Isambulo 12:12)
Ngalokho thokozani nina mazulu nabahlala kuwo; maye! kuwe mhlaba nakuwe lulwandle!

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?




128

Ngokuba uSathane wehlele kini enolaka olukhulu, azi ukuthi unesikhathi esifushane!
ISambulo 12:12
UPetru waxwayisa ngokuthi:



129

(2 slides: 1 Petru 5:8)
Qondani, nilinde. Isitha senu, uSathane siyahamba njengebhubesi elibhodlayo



130

sifuna esingamgwinya
1 Petru 5:8


131

Kodwa noma uSathane ehlupha kangaka, uNkulunkulu onguMdali unecebo lokudala kabusha elithinta iNdodana yaKhe uJesu - iNdodana yaKhe eyigugu eyavuma ukufa ukuze kuhlawulwe icala lethu size sibe nokuphila kwaphakade.


132

IBhayibheli lithi uSathane uza njengebhubesi elibhodlayo.


133

USathane wasebenza ngenkosi uHerodi efuna ukubulala umntwana uKristu (wehluleka).



134

(Video: 10 sec) USathane weza kuJesu ehlane, ezenza ingelosi evela ezulwini, ephethe izilingo ezinzima ezintathu (Wehluleka).


135

USathane washoshozela izihlwele ukuba zibulale uJesu eKalvari (Waba yisitha esehlulwe kwanaphakade).

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


136

**Yize noma yayikhona iKalvari, lwalukhona uvuko! Mayibongwe iNkosi!
UNkulunkulu wanikela kanjalo-ke ngeNdodana yaKhe; neNdodana yazinikela ukuze ikusasa lakho nami lingabimnyama.
Kwakiyihora lokunqoba, usuku lokumemezela inkululeko kuzo zonke iziboshwa zikaSathane emhlabeni.**


137

**Ngalolosuku uSathane waba yisitha esinqotshiwe!
UKristu ngokufa kwaKhe, waba nelungelo lokuqeda bonke ububi nokuhlupheka.
UPawulu wabhala wathi encwadini yamaHeberu 2:14:**



138

**(2 slides: AmaHeberu 2:14)
Ngakho-ke njengokuba abantwana bahlanganyela igazi nenyama, naye uqobo wahlanganyela khona lokho,**




139

**ukuze ngokufa amchithe obe nawo amandla okufa onguSathane.**



140

**USathane watshengisa phambi kwawo wonke amazulu ukuthi uyisidalwa esinjani.
Namanje usatshengisa ukuthi wayezowubusa kanjani umhlaba.
Izivunguvungu, ukuzamazama komhlaba, izikhukhula, ubugebengu, izifo, usizi nobuhlungu!
Siyazibonela lezinto.**



141

**Kodwa esingakuboni ngemuva kwakho konke lokhu, ukusebenza kukaSathane ngamandla okungesiwo awakulomhlaba.**



142

**Lezehlakalo ezibuhlungu akuzona "izenzo zika Nkulunkulu" - yizenzo zika Sathane.**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


143

**Mhlawumbe uyazibuza ngosizi, ukudabuka, nobunzima obukhona kweyakho impilo. Mhlawumbe uyazibuza ngokulahlekelwa kwakho umntwana noma omunye umuntu omthandayo, bese uyabuza uthi: uphi uNkulunkulu?**


144

**IBhayibheli lifundisa ukuthi ukhona uNkulunkulu. Uphakathi kokudabuka kwakho, nosizi lwakho, nobunzima bakho.**
**Masinya uzokuza aqede lenkinga yesono nokuhlupheka.**


145

**Okumnandi ukuthi lomhlaba owaqhwagwa uSathane, uzokhululwa masinyane.**
**Lolu lwazi kufanele luthulise ukwesaba kwalabo bantu abanovalo kulomhlaba ophume endleleni!**
**UNkulunkulu unecebo lokumqeda uSathane, umkhohlisi. Sizofunda ngokujulile ukuthi yiliphi lelocebo emihlanganweni elandelayo. Ake sizwe ukuthi lithini iBhayibheli ngoSathane:**



146

**(3 slides: Hezekeli 28:16, 18)**
**...ngakuchitha wena kherubi elisibekelayo...**



147

**...ngase ngiphumisa umlilo phakathi kwakho,**



148

**wakuqeda; ngakwenza umlotha emhlabeni...**
**Hezekeli 28:18.**
**Isono nokuhlupheka kuyophela ngokunaphakade.**


149

**Yebo, sihlobo, uJesu uyabuya masinyane! Akabuyi njengendoda eyedelelekile yaseGalile, eyayikhafulelwa ngamathe, iphikwa. Akabuyi engumuntu olenga esiphambanweni,**

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?



150

ubuya eyiNkosi yamakhosi noMbusi wababusi, enelungelo lokubusa! Masilungele ukumhlangabeza, ngoba uma sisilela, siyobe silahlekelwe yikho yonke!



151

Umbuzo namuhla uthi: Sizokholwa bani na?
Sizolandela bani na? Kungabe uNkulunkulu
onothando noma lengelosi eyawa?
Imingcele idwetshiwe;
umhlaba wonke wehlukaniswe amaqembu amabili.
Wena wethemba bani?
Ungasohlangothini lukabani na?


152

Kubo bonke abangenakho ukuthula, abangabojwana, abasindwa imithwalo yezono, kubo bonke abantwana baKhe kulomhlaba ohlubukile, uJesu unikeza lesi simemo sothando:



153

(Mathewu 11:28)
Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo,
mina ngizokuniphumuza;
Mathewu 11:28.



154

...Ozayo kiMi angisoze ngamlahlela ngaphandle.
Johane 6:37
Akuzona izindaba ezimnandi lezo kodwa?

# 6 - Kungani Kunokuhlupheka Okungaka na?


155

**Phakathi kosizi lwasemhlabeni, ukuhlupheka, ukudabuka nokudangala, ukhona uJesu.**
**Ulwazi kahle usizi olukuphethe khona manje.**
**UJesu uyazi ukuthi yinto enjani ukuhlaselwa yizifo.**
**Uyabazi ubuhlungu.**
**Wabuzwa mhla kunqonqothelwa izipikili ezibuhlungu ezandleni zaKhe.**
**Uyakwazi ukuba nesizungu.**
**Wakuzwa mhla elenga yedwa ebumnyameni besiphambano.**
**Uyabazi ubuphofu.**
**Wabuzwa mhla ehamba ezitaladini zasePalestina ezinothuli, engenalutho lokudla, engenandawo angayibiza ngekhaya. Woza kuYe namhlanje.**
**Uzokunika ithemba elisha nenkuthalo.**
**Yizindaba ezimnandi ezedlula yonke into lezi.**
**Ngelinye ilanga kungekudala, loJesu uzobuya futhi aphelise konke ukuhlupheka.**
**Uzobuya adale umhlaba omusha-sha!**
**Isono nezoni siyobe sesiphelisiwe.**
**USathane uyobe esehlulwe okokugcina.**
**UJesu ulangazelele ukukubuyisela emndenini kaNkulunkulu, akunike ukuphila okuphakade emhlabeni owenziwe kabusha.**
**Kodwa kufuneka wenze isinqumo - Ubani uzokuba yinkosi yakho na?**
**Sihlobo, lesinqumo siphathelene nokufa nokuphila kwakho!**
**Bewungekhethe khona manje ukuvumela uKristu abe yiNkosi yakho na?**
**Ulindile. Izingalo zaKhe zivulekile.**
**Uthi: Woza! Woza! Woza!**
**Njengoba sizothandaza-nje, ungagobisa ikhanda lakho uthi: "Yebo, Jesu, ngiyeza"**

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



1

**Angayiguqula Neyakho**



2

**Amadoda amabili ayethatha uhambo olude ngesitimela bedabula elase Melika.**
**Njengoba uhambo lwabo lwalulude kangako, baqhuba isikhathi ngokuxoxa ngayo yonke into eyayifika ezingqondweni zabo.**
**Bakhuluma ngesimo sezulu.**
**Bakhuluma ngezombusa-zwe.**
**Bakhuluma ngezinsuku zobuntwana babo, ngemindeni yabo nangemishado yabo.**
**Ekugcineni ingxoxo yajikela kwezenkolo.**
**Omunye wabo wayengakholwa kuNkulunkulu kanti omunye wayengumKristu, ethembele kakhulu kuNkulunkulu.**
**Omunye wayengalifundi iBhayibheli. Omunye wayelifunda njalo.**


3

**Ingxoxo yabo ngalelolanga yagxila kuJesu Kristu.**
**Lendoda engakholwa yabuza kumKristu imibuzo ebaluleke kakhulu. Imibuzo efana nalena:**
**Kungani ungumKristu? Akusiyo into eyenzeka ngoba wazithola uzalelwe ezweni lamaKristu?**
**UJesu wehluke ngani kwabanye abantu abagqamile emhlabeni?**
**Ngabe uJesu akagcini yini ngokuba umuntu ofundisa ngokuziphatha kahle noma ofundisa ngendlela ethile yokuphila?**
**Ungaqiniseka kanjani ukuthi uJesu uyikho konke lokho athi uyikho?**
**Ungaqiniseka kanjani ukuthi uJesu unguNkulunkulu, nokuthi isimemo saKhe sokuphila okuphakade siyiqiniso na?**
**Lemibuzo eyabuzwa esitimeleni ngalolosuku olushisayo yayimihle impela.**
**UmKristu wayiphendula.**
**Angingabazi engqondweni yami ukuthi kukhona izimpendulo ezinhle kulemibuzo, futhi ukuzazi lezompendulo kusho ukuphila okuphakade.**

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



4

**Lomhlaba wethu usuke waba nabantu abadumile abaningi. Abantu abenza lomhlaba waba yindawo engcono.**


5

**Amakhosi, abongameli, abaholi kwezenkolo, kwezempi, ososayensi nabadwebi bonke, benze okuhle emhlabeni.**
**Amagama abo adume umhlaba wonke.**


6

**Kukhona igama eligqame ukwedlula wonke amanye. Nomlando imbala ubalwa ngeminyaka engaphambili kokuzalwa kwaKhe nengemuva.**
**Igama lakhe uJesu.**
**UJesu yilona-gama elidume kunawo wonke emlandweni.**
**Kodwa ukuzwa-nje ngegama laKhe akufani nokwazi ukuthi ungubani ngempela.**


7

**Kusihlwa-nje ngifisa ukunazisa ngokubanzi ngoJesu wasemlandweni - uJesu weBhayibheli. Masiqale ekuqaleni.**
**Mhlawumbe uyabuza ukuthi ubani Yena loJesu? Wehluke kanjani? Ngabe kwakungomunye omuntu-nje olungile, ofundisa ukuziphatha kahle nokuphila ngendlela ethile?**
**Abafundi ababili nabo babebuza lemibuzo.**


8

**Ngesikhathi uJesu ehlangana nabafundi ababili endleleni eya e-Emawuse ngosuku lweSonto avuka ngalo,**


9

**Wabatshengisa iziprofetho ezagcwaliseka kulezonsuku ezazisanda ukudlula ezimbalwa.**

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



10

(3 slides: Luka 24:25, 27)
...O nina eningaqondiyo nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke abakushilo abaprofethi!...



11

Wayesethathela kuMose nakubaprofethi bonke,




12

wabachasisela emibhalweni okuqondene naYe.
Luka 24:25, 27



13

Make sibuke ubufakazi obuqinisa ukuthi uJesu unguMesiya.



14

UKUZALWA KWAKHE OKUYISIMANGALISO
Iminyaka eminingi ngaphambi kokuthi uJesu azalwe nguMaria, uIsaya waprofetha:



15

(2 slides: Isaya 7:14)
Ngalokho iNkosi uqobo iyakukunika isibonakaliso:



16

Bheka intombi iyakukhulelwa, izale indodana, ibize igama layo ngokuthi u Imanuweli.
Isaya 7:14

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



17

UJesu unamagama amaningi: uImanuweli, uJesu, uMsindisi, uKristu, uMesiya.
Isiprofetho sika Isaya ngokuzalwa kukaJesu yintombi sabhalwa eminyakeni engaphezu kweyi 600 ngaphambi kokuzalwa kwaKhe.
Ingelosi yacaphuna sona lesiprofetho njengobufakazi bokuthi uJesu wayenguMesiya.
Ake sibheke ukuthi ingelosi yakuchaza kanjani ukuzalwa kukaJesu nguMariya.



18

(2 slides:  Mathewu 1:18)
Ukuzalwa kukaJesu Kristu kwaba nje:  unina uMariya esemiselwe uJosefa



19

bengakahlangani wafunyanwa ekhulelwe ngoMoya oNgcwele.
Mathewu 1:18



20

INDAWO YOKUZALWA KWAKHE



21

...Betlehema...ngiyakuphunyelwa ngovela kuwe, ozakuba ngumbusi kwa Israyeli...
Mika 5:2
Yinto efanele ukuqashelwa ukuthi uJesu wazalelwa eBetlehema, wona lowo muzi okwaprofethwa ngawo iminyaka engu 700 ngaphambi kokuthi kwenzeke.

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



22

...UJesu wazalelwa eBetlehema laseJudiya...
Mathewu 2:1
ITestamente eliSha liyafakaza ngokugcwaliseka kwesiprofetho sikaMika.
UJesu wayengaphezu kokuba yindoda elungile, ngaphezu kokuba ofundisa ngokuziphatha noma indlela ethile yokuphila.
WayeyiNdodana kaNkulunkulu eNgcwele.
Wazalwa yintombi njengoba wayeprofethile uIsaya.
Wazalelwa eBetlehema njengoba uMika waprofetha.


23

IBhayibheli liveza ngokusobala imininingwane ebalulekile empilweni kaKristu kusasele amakhulu eminyaka ngaphambi kokuzalwa kwaKhe.
Leziprofetho zagcwaliseka ncamashe!
Ngesikhathi uAdamu noEva bewela esonweni, uNkulunkulu wayesenalo icebo.
Uthando lwaKhe lwenza ukuba uJesu - iNdodana yaKhe - eze emhlabeni, aphile impilo ephelele waze wafele izono zethu.
Wathatha indawo yethu ukuze sibe nokuphila okuphakade uma samukela icebo laKhe lokuba uMsindisi wethu.
Lelocebo libizwa ngokuthi ICEBO LOSINDISO.


24

Eminyakeni engango 2 000 eyedlule, izazi ezaziphuma eMpumalanga zafunda izibhalo.
Zafunda ngenkosi enkulu eyayizovela, zathola ukuthi sekuyisikhathi sokufika kwayo.


25

Zabona ukuthi sekuyisikhathi. Inkanyezi yayiwuphawu lwaleyoNkosi esandukuzalwa.
Zayithola eBetlehema, zakhothama zakhonza uJesu.



26

(2 slides: Luka 2:7)
Wazibula ngendodana, wayembesa,

7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



27


wayilalisa emkhombeni, ngokuba bantula indawo endlini yezihambi. Luka 2:7


28

Kwakungekho indawo endlini yezihambi, kanjalo uJesu walaliswa endaweni yokudlela izinkomo. Wazalwa engakwazi ukuzenzela lutho.


29

Unina wayengumuntu omusha onomusa kakhulu ngesikhathi ingelosi imtshela ukuthi uzothola umntwana oyiNdodana kaNkulunkulu.



30

Noma wayeyiNdodana kaNkulunkulu, wayenguNkulunkulu ngokuphelele njengoYise. UMpostoli uPawulu uthi wayelingana noNkulunkulu kodwa wathatha isimo senceku enziwe ngomfanekiso wabantu.




31

(3 slides: Filipi 2:6)
Owathi enesimo sikaNkulunkulu akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu



32

kepha wazidela ethabatha isimo senceku,



33


enziwe ngomfanekiso wabantu.
KwabaseFilipi 2:6, 7

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



34

UJesu wabanjengathi ukuze aphile emhlabeni.
Kodwa wayemsulwa, ehlanzekile engenachashaza, ukuze anikele ngokuphila kwaKhe size sibe nokuphila okuphakade.
Emahoreni angu 24 okugcina kwempilo yaKhe, kwagcwaliseka iziprofetho eziningi ezazenziwe emakhulwini eminyaka ngaphambili.




35

Ake uthathe UKUKHASHELWA KWAKHE nguJudas.





36

Yebo, nomhlobo waMi ebengimethemba, obedla isinkwa saMi ungiphakamisele isithende sakhe.
UPetru wabuza uJesu ukuthi ubani owayezomkhaphela.
UJesu waphendula wathi:




37

...Yilowo engiyakumcwilisela ucezu, ngimnike lona...
Johane 13:26




38

INHLAWULO EYAKHOKHELWA UMKHAPHELI




39

...Zase zilinganisela inkokhelo yami izinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva.
Zakariya 11:12




40


(2 slides: Mathewu 26:14, 15)
Khona kwasuka omunye wabayishumi nambili othiwa uJuda Iskariyothe, waya kubapristi abakhulu

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba




41

wathi: Niyakunginikani, ngimkhaphele kini, na? Base bemnika izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu.



42

UKUSHAYWA NOKUHLUKUMEZWA KWAKHE



43

(2 slides: Isaya 50:6)
Nganika abashayi umhlane, nezihlathi zami kubo abahluthula isilevu



44

angibusithelisanga ubuso bami ekuhlazisweni nasekufelweni amathe.
Isaya 50:6



45

(Mathewu 26:67)
Base bemkhafulela ngamathe ebusweni, bamdushuza, kepha abanye bammukula.
Mathewu 26:67



46

BABHOBOZA IZANDLA ZAKHE NEZINYAWO



47

(IHubo 22:16)
...Izandla zaMi nezinyawo zaMi bazibhobozile.
IHubo 22:16
Esevukile ethuneni uKristu, uThomase, omunye wabafundi baKhe owangebaza ukuthi uvukile, wakhuluma amazwi atshengisa ukuthi izandla nezinyawo zikaKristu zazibhotshoziwe nangempela. Wathi:

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba




48

(2 slides: Johane 20:25)
..Uma ngingaboni ezandleni zaYo inxeba lezipikili, ngifake umunwe wami enxebeni lezipikili,





49

angisoze ngakholwa.
Johane 20:25




50

WABALWA KANYE NEZONI
Qaphela ukugcwaliseka kwalesiprofetho ngoKristo ngendlela eshaya khona impela:





51

(Isaya 53:12)
...Yabalwa kanye nezelelesi.
Isaya 53:12





52

(2 slides: Marko 15:27, 28)
Kwabethelwa kanye naye abaphangi ababili, omunye ngakwesokunene nomunye ngakwesokhohlo saKhe.




53

Kwase kugcwaliseka umbhalo othi: "Wabalwa kanye nezoni."
Marko 15:27, 28




54

BENZELANA INKATHO NGEZAMBATHO ZAKHE
Inkosi uDavide washo okwakuyokwenzeka ngezambatho zikaJesu iminyaka eyinkulungwane ngaphambi kokuba afe uJesu:




55

(IHubo 22:18)
Babelana izingubo zaMi, benzelana inkatho ngesambatho saMi.
IHubo 22:18

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



56

**(3 slides: Johane 19:23, 24)**
**Amabutho athatha izingubo zaKhe, azenza izabelo ezine...**




57

**Kepha iyembe lalingenamthungo, lalukiwe lonke kusukela phezulu.**




58

**Akhuluma odwa, athi...**
**"Asingalidabuli, kodwa asilenzele inkatho yokuthi liyakuba ngelikabani...**
**Johane 19:23, 24**



59

**AMAZWI AKHE ESIPHAMBANWENI**




60

**(IHubo 22:1)**
**Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, ungishiyeleni na? IHubo 22:1. Qhathanisa lendimana yeTestamente Elidala noMathewu 27:46:**



61

**(IHubo 27:46)**
**Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, ungishiyeleni na?**
**UJesu wakhuluma lamazwi masinya-nje ngaphambi kokufa kwaKhe ngehora lesishiyagalolunye.**



62

**Eziningi iziprofetho zazingaphezu kobuntu bukaJesu.**



63

**Wayengeke akwazi ukwenza isinqumo ngendawo ayezozalelwa kuyona,**

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



64

**indlela yokuzalwa kwaKhe,**




65

**ukukhashelwa kwaKhe,**



66

**noma izigameko ezizungeze ukufa kwaKhe.**


67

**UJesu wayeyilowo ayethi unguye ngempela - uMesiya. Elenga esiphambanweni, enemivimbo, ezandleni nasezinyaweni kukhona izipikili, ethwele umqhele wameva, ehlekwa ejivazwa,**


68

**Wayenakho ukubiza izingelosi eziyizinkulungwane eziyishumi ukuba zibhubhise umhlaba, zimkhulule. Wayengeke azisindise Yena abuye asindise nathi!**


69

**Uke uzibuze ukuthi ngabe ukhona yini okunakile ngempela?**
**UJESU UYANAKA!**
**Wakutshengisa lokho kudala egqumeni elingaphandle kwaseJerusalema!**
**Uthando olungako!**
**Luhlaba izinhliziyo zethu eziziqhenyayo.**
**Wayenakho ukubiza izinkulungwane zezingelosi, kodwa makabongwe uNkulunkulu ngoba akakwenzanga lokho!**
**Esikhundleni salokho, wafela wena nami!**

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



70

Okuyiwona mbuzo obalulekile nanku:  Ungubani uJesu Kuwena Na?


71

UJesu weza emhlabeni wethu ukuzophila impilo ephelele athathe indawo yethu yesono.
Futhi wayezokufa ukufa okwakufanele thina, ukuze siphile ngokunaphakade!
IBhayibheli lisitshela okulandelayo ngomhlatshelo waKhe:




72

(4 slides:  Isaya 53:3 - 7)
Yayideleliwe, yashiywa ngabantu, umuntu wobuhlungu owazi ukugula...




73

Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu,
yachotshozwa ngobubi bethu;
nangemivimbo yayo siphilisiwe thina.




74

Thina sonke sidukile njengezimvu...



75

Yacindezelwa...nokho ayivulanga umlomo wayo;
njengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni.
Isaya 53:3 - 7


76

Lapha sithola ukuthi uJesu ubizwa ngeWundlu.
Ubizwa ngeWundlu izikhathi eziningi eBhayibhelini.

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba






77

(ISambulo 13:8)
ISambulo 13:8 sikhuluma ngeNcwadi Yokuphila yeWundlu elahlatshwa selokhu kwasekelwa umhlaba.




78

(2 slides:  ISambulo 5:8, 12)
...Namalunga angamashumi amabili nane awa phansi phambi kweWundlu...




79

zithi:  Lifanele iWundlu elahlatshwayo.
ISambulo 5:8, 12
UJesu iWundlu wasisindisa sonke ekufeni kwaphakade, wasinika ukuphila kwaphakade.




80

(2 slides:  KwabaseRoma 6:23)
Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa,



81

kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.
Kwabase Roma 6:23


82

UAdamu noEva bona, kwaba ukwehlukana kwabo noNkulunkulu.
UNkulunkulu kwadingeka ebaxoshile ensimini yase Edeni, futhi abaphindanga bakwazi ukudla izithelo zomuthi wokuphila.
Lokho kwakusho ukuthi impilo yabo yayizoncipha kuze kufike lapho befa khona.



83

(2 slides:  Genesise 3:24)
Wamxosha u Adamu, wabeka ngasempumalanga kwensimu yase Edeni amakherubi,

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba



84

kanye nenkemba yelangabi ephenduphendukayo, ilinde indlela eya emthini wokuphila.
Genesise 3:24



85

UNkulunkulu wabatshela ngecebo laKhe lokubasindisa.




86

(2 slides: Genesise 3:15)
Ngizakubeka ubutha phakathi kwakho nowesifazane, naphakathi kwenzalo yakho [abalandeli bakaSathane] nenzalo yakhe [abalandeli bakaKristu].




87

Yona [uJesu] iyakuchoboza ikhanda lakho [lika Sathane], wena [Sathane] uyakulimaza isithende sayo [sikaJesu].
Genesise 3:15



88

Kusho ukuthini ukuchoboza na?



89

Olimini lwesiHeberu leligama lisho ukuhlifiza. Ukuhlifiza ikhanda kungaphezu kokufihliza isithende. UKristu wayezokuba umnqobi phezu kukaSathane. UNkulunkulu wenza okunye futhi ukukhumbuza abantu ngecebo laKhe lokubabuyisela kuYena.


90

Waqamba inkonzo yemihlatshelo.
Kwakuzodingeka babonakalise ukukholwa kwabo kulo iWundlu likaNkulunkulu (uJesu) owayezokufa ngelinye ilanga ukuze bathole ukuphila okuphakade.

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba


91

IBhayibheli alisitsheli ngqo, ukuthi yaqala nini lenkonzo yemihlatshelo.
U Adamu noEva babehamba-ze, uNkulunkulu wabenzela izambatho ngezikhumba. Esahlukweni esilandelayo uKayini no Abela baletha imihlatshelo.



92

(2 slides: Genesise 4:4, 5)
Naye u Abela waletha umnikelo kuwo amazibulo ezimvu zakhe ezinonileyo,



93

UJehova wanaka u Abela nomnikelo wakhe.
Genesise 4:4



94

UNkulunkulu akamnakanga uKayini nomnikelo wakhe. Wathukuthela kakhulu uKayini. Genesise 4:5
U Abela waletha iwundlu elalimele iWundlu lika Nkulunkulu, kodwa uKayini waletha izithelo zomhlaba.
Umnikelo kaKayini awubonisanga ukukholwa kulo iWundlu likaNkulunkulu elahlatshwayo.



95

(AmaHeberu 9:22)
......Ngaphandle kokuchitha igazi akukho ukuthethelelwa. AmaHeberu 9:22


96

Mhla uNkulunkulu wayekhipha abakwaIsrayeli eGibhithe, wabafundisa izifundo eziningi ngezinkonzo zethempeli ayekade eyale uMose ukuthi alakhe.
Ithempeli noma ithabanekeli, laliwumfanekiso walelo langempela elisezulwini.


97

Enye yalezinkonzo kwaku yiPhasika.

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba


98

**Ngosuku lweshumi-nane enyangeni yokuqala, abantu babeyalwe ukubai bahlabe iwundlu, babhece igazi lalo ezinsikeni zeminyango yabo.
Kwakuluphawu lokuthi bangaphansi kwegazi leWundlu.**


99

**Ngalobo busuku ingelosi ebhubhisayo yedlula phezu kwamakhaya ayekade ebhecwe ngegazi.  Kulawo makhaya akulimalanga muntu.**


100

**IPhasika lalizobakhumbuza ukuthi yigazi leWundlu kuphela elingasisindisa ekubhujisweni.
Izilwane ezazinikelwa zazingenamandla okugeza isono.
Kodwa ukukholwa kwabantu kulowo mhlatshelo kaNkulunkulu kwakuzoba sindisa esonweni.**



101

**(AmaHeberu 9:26)
...kodwa kalokhu ubonakalisiwe kanye ekupheleni kwezikhathi ukuba asuse izono ngokuzinikela kwaKhe.
AmaHeberu 9:26**




102

**(AmaHeberu 10:4)
Ngokuba akunakwenzeka ukuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi lisuse izono.
AmaHeberu 10:4**


103

**UJohane uMbhabhadisi wamemezela ngoMesiya, wakhomba kuJesu wathi:**



104

**(Johane 1:29)
...Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe!
Johane 1:29**

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba


105

**Izinkonzo zemihlatshelo zazikhomba kuMesiya - iWundlu likaNkulunkulu.**
**Igazi lewundlu ngalinye elachitheka ngezikhathi zeTestamente eliDala lalimele igazi likaJesu elachithekela thina.**


106

**UJesu uMsindisi womhlaba.**
**UJesu uyaxolela.**
**UJesu usikhulula kunembeza onecala.**
**UJesu usifundisa indlela yokuphila.**
**Impilo kaJesu iyisibonelo sethu.**
**UJesu usinika amandla.**
**UJesu usiguqula kusukela ngaphakathi.**
**UJesu usinika ukuphila okusha.**



107

**Komunye umzamo ka Sir Ernest Shackleton wokuwela uLwandlekazi iAntarctic ngo 1914, umkhumbi wakhe, iEndurance, washayiseka emadwaleni eqhwa.**
**Amatilosi antanta lapho izinsuku ezithile ngaphambi kokuba afike esiqhingini iElephant Island.**
**UShackleton wayalela amatilosi ukuba agobe amadlangala khona lapho ukuze balondoloze imiphako yabo kuze kudlule ubusika.**
**Kodwa wabona ukuthi alufiki usizo lokubatakula.**
**Akukho muntu awayenolwazi ngokuthi baphi.**
**Kwakungekho ukuxhumana nomhlaba behlukaniswe yilolulwandle oseluphenduke iqhwa. Kwakukhona ithemba elilodwa-nje ababengase basinde ngalo: omunye wabo kwakuzodingeka anqamule ulwandle ayofuna usizo.**
**UShackleton waqala ukulungisa isikebhe ukuze ayofuna usizo. Kulabo abazinikela, wakhetha abayisithupha. Kwakuzodingeka banqamule amamayela angu 800 olwandle oluyingozi ukuze bafinyelele ogwini lapho abase Norway babehlinzela khona imikhomo, ogwini oluyiqhwa lwase South Georgia.**

# 7 - Impilo Yothile Oyedwa Yaguqula Umhlaba


108

Kwabonakala sengathi ukudlala ngesikhathi ukuzama ukunqamula lololwandle ngesikebhe esivulekile, ngesikhathi seziphepho. Kodwa uShackleton nababenaye bahamba.
Izinsuku eziningi babekhosele ngaphansi kompheme kaseyili, bethandaza ukuthi umoya ungadabuli useyili wabo.
Babekezelela amakhaza ashubisa umkantsha, izikhwama zabo zokulala seziphenduke uqhotho ngenxa yeqhwa, emihlane yabo kugeleza amanzi ayiqhwa, belambile, bomile.
Sekuphele izinsuku eziyishumi nane besukile, lapho iningi labo selicishe lafa amakhaza nokomela amanzi, balubona ugu lwase South Georgia!
UShackleton wayesephumelele; kungekudala kwakuzophuma umkhumbi ukuyotakula labo ababesele esiqhingini.
Mhla uNkulunkulu ebuka inkinga yethu, ebona ukuthi sifana nabantu abasele bodwa esiqhingini esizungezwe ulwandle lwesono, wazinikela Yena, wangena kulololwandle. Wazithabathela kuYena ububi nobubanzi besono esigcwele ebantwini.


109

Akekho ofana noJesu kuwo wonke amazulu.
UYena yedwa ongasisindisa. UYena yedwa ongasusa icala lethu, aguqule izimpilo zethu. UYena yedwa ongasipha ukuphila okuphakade.
Ungethande yini ukuphakamisa isandla sakho khona manje uthi: Yebo, Jesu, ngiyakwamukela namuhla njengoMsindisi wami. Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi wangifela. Yebo, Nkosi, nginikela impilo yami kuWena.
Phakamisa isandla-nje, ngesikhathi ngikukhulekela.

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



1

**Imfihlakalo yokungafi**



2

**(Video: 19 sec) Umhlaba wazamazama.  Idolobha lonke lakuzwa lokho kunyakaza.  Izakhiwo zamahhovisi zawa, amakhaya adilika.  Izibhedlela, izikole namasonto kwabhidlika.**
**Ukuzamazama komhlaba ngo Febuwari ka 2001 endaweni yase El Salvador, kwabulala abantu abacishe babe u 3 000 ngokuphazima kweso.  Izinkulungwane zasala zingenazindlu.**
**Abosizo oluphuthumayo basebenza ngokuzikhandla imini nobusuku befuna abagqibekile lapho.  Bathola abambalwa kuphela ababesaphila.**
**Ngemuva kokumba izinsuku ezine, base bezimisela ukuthi bayayeka, kodwa kwayilapho omunye wabo ebona ingalo yomuntu ivele kancane ngaphansi kwezitini.  Kwabethusa uma bebona lengalo inyakaza kancane.  Baqhubeka ngokumba.**
**Kwabathatha isikhathi esingaba amahora amane ukuvumbulula indoda eseyikhulile ngaphansi kwezitini.  Yayisaphila.  Yayiseyihlale izinsuku ezine ngaphandle kokudla namanzi.  Kamuva esibhedlela, yabuzwa ukuthi yenze kanjani ukuzigcina iphila phansi kwesimo esifana naleso na?**
**Impendulo yathi:  Bengizimisele ngokuphila.  Ngangilokhu ngihogela umoya, ngingafuni ukufa.  Ngakholwa ukuthi luyeza usizo.**


3

**Sazalwa sinalesi sifiso sokuphila.**
**Wena nami sasinaso ekufikeni kwethu kulomhlaba.**
**Wonke umuntu owake waphila, wayenaso.**
**Singathi yisona sifiso esinamandla kakhulu ebantwini.**
**Thina bantu sihlanganiswe ndawonye yisifiso sethu sokuphila.**


4

**Uma impilo yomuntu isengcupheni, abanye ngobuqhawe obumangalisayo, bayamsiza.**
**Kungaba umntwana owele epitsini.**
**Noma abantu abagibele umkhumbi ocwilayo olwandle.**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade


5

**Mhlawumbe kube umqwali wezintaba ozithola esesengozini.
Noma abantu ababhajwe ngaphansi kwezakhiwo eziwiswe ukuzamazama komhlaba.
Uma impilo yomuntu isengcupheni, abanye bayashesha ukuyosiza.**


6

**Kodwa iqiniso esingathandi ukucabanga ngalo ukuthi izimpilo zethu sonke ngabanye, zisengozini.
Futhi asikhulumi ngengozana-nje.
Sonke sihlalelwe ukufa.**




7

**AmaRoma 6:23
Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.
AmaRoma 6:23.**



8

**Isono yinto engubuthi - siyabulala.
Siyingozi ebulalayo. Ngani na? Ngoba sisehlukanisa noMthombo wakho konke ukuphila - uNkulunkulu uqobo owasidalayo.
Kanti futhi sonke thina sonile.**




9

**AmaRoma 3:23.
Ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu. AmaRoma 3:23.**



10

**AmaRoma 3:10 - 12
...Akakho olungileyo, akakho noyedwa.**



11

**Akakho oqondayo, akakho ofuna uNkulunkulu.**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade





12

**Bonke baphambukile...akakho owenza okuhle, akakho noyedwa.**
**AmaRoma 3:10 - 12.**


13

**Abazali bethu bokuqala - uAdamu noEva, okwaphuma kubona bonke abantu, bakhetha ukuzehlukanisa noNkulunkulu ngokuthi banganaki umyalo waKhe, bazikhethela eyabo indlela.**



14

**AmaRoma 5:12**
**Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa,**




15


**ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile. AmaRoma 5:12.**


16

**Umphumela wemvelo wesono ukufa.**
**Isono siletha ukufa kwangempela.**
**U Adamu wayesezokufa ngenxa yesono sakhe.**
**Ngokunjalo nazo zonke izizukulwane zakhe - nawe nami.**


17

**Kanjalo sonke sisobishini.**
**Sibhajiwe, asikwazi ukuzisiza.**
**Sizokufa, ngaphandle kokuthi kube khona osisizayo.**
**Izindaba ezimbi ukuthi sizokufa ngaphandle kokuthi kube khona othile osisizayo.**
**Izindaba ezimnandi ukuthi lowo Othile, usekwenzile lokho!**



18

**Efesu 2:8, 9**
**Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu.**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



19

**akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo.
Kwabase-Efesu 2:8, 9.
Yebo, sonke sonile.
Lokho akungabazeki.
Siyona ngazo zonke izenzo zobugovu, namazwi nemicabango.**



20

**Ake ucabange ukona kwethu okungenakubalwa nokubalwa!
Futhi inkinga yethu ayigcini ngezono esizenzile - iqiniso ukuthi siyizoni!**



21

**Umuntu oguliswa yisifo esibulalayo kodwa ebe engayiboni inkinga yakhe, futhi engenzi lutho ngokufuna usizo lukadokotela, uzokufa. Izoni zibhekene nesiphelo esinjalo-ke nazo uma zingasiboni isimo sazo, zingalufuni usizo.**



22

**Isaya 59:2.
Kepha ububi benu [izono] bunahlukanisile noNkulunkulu... Isaya 59:2.
UNkulunkulu unguMthombo wakho konke ukuphila.
Kwathi mhla uAdamu enza isono, kwangena ukufa kuyena.
Sonke siphansi kwesigwebo sokufa.
Kodwa njengoba uNkulunkulu enothando-nje, akagcinanga ngokusitshela ngomphumela wesono, kodwa wasinika nethemba lokusindiswa!
Nazo-ke izindaba ezimnandi!**



23

**AmaRoma 6:23.
Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.
AmaRoma 6:23.**



24

**(Video: 3 sec) Usindiso luyisipho. Asilufanele, futhi ngeke silusebenzele ngemisebenzi yethu emihle, kanti futhi sengeluthenge noma ngenani elingakanani.**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade




25

**Abantu abaningi bacabanga ukuthi ukuxolelwa nokuphila okuphakade kutholakala ngokwenza izenzo ezinhle eziningi.**
**Bahlala emibhedeni yezipikili, bekholwa ukuthi ngokuzwisa imizimba yabo ubuhlungu bazothola umusa kuNkulunkulu.**


26

**Abanye bazishaya ngeziswebhu nangamaketanga, kanti abanye bazibhobosa ngezinto ezicijile, futhi**


27

**abanye bahamba emalahleni ashisayo, befuna umusa wezulu ngokwenze njalo, bejezisa imizimba yabo.**


28


**Abanye bakholwa ukuthi bazothola isiqiniseko sokuphila kwelizayo uma bakha amathempeli noma bepha abangcwele ukudla.**


29

**Kwabanye futhi ayikho injabulo enkulu noma indlela engcono yokwamukeleka kuNkulunkulu eyedlula uhambo oluya eMecca, noma ukufela empini uvikela inkolo ye Islam.**


30

**AmaKristu amaningi nawo enza lezizinto, engaqondile. Aya esontweni, anikele, alandele Umthetho weGolide ngokweBhayibheli, ecabanga ukuthi azozitholela umusa kaNkulunkulu, ngaleyondlela athole ukuphila okuphakade.**
**Kodwa, ingenzeka yini leyonto?**



31

**Angakwazi yini umuntu ukuthenga uNkulunkulu ukuba amxolele amuphe nokuphila okuphakade ngokuzwisa umzimba wakhe ubuhlungu noma enze izenzo zomusa?**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade


32

Ngabe usindiso singaluthola ngendlela efanayo yini nokuzuza indebe noma imendlela yegolide kwezemidlalo na?



33

AbaseFesu 2:8, 9
IBhayibheli lithi: Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu,



34

akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo. Kwabase-Efesu 2:8, 9.


35


Asikwazi ukuzisindisa ngemisebenzi yethu - kudingeka sincike umseni kaNkulunkulu nothando lwaKhe asipha lona ngesihle.
Ukuba besingalusebenzela usindiso, belungeke lube yisipho.


36

Ake sithi umqashi wakho ukunika imvulophu, akutshele ukuthi yisipho sakho leso.


37

Uma usuthola ukuthi phakathi kwayo kukhona umvuzo wakho wamaviki amabili, ungathi yisipho leso?
CHA! UYISEBENZELE LEYO MALI!


38

UNkulunkulu onamandla obusa amazulu

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



39

(Video 12 sec) uzihluphelani ngabantu abasemhlabeni omncanyana-nje?
Kungani engasiyekanga thina bantu abayizoni nesihlubukileyo ukuba sithwale imiphumela yezono zethu na?



40

1 Johane 4:8.
Impendulo itholakala encwadini yokuqala kaJohane: uNkulunkulu uluthando.
1 Johane 4:8.


41

Abanye benu lapha bangabazali.



42

Abanye benu bayazi ukuthi yinto enjani ukugulelwa umntwana ozokhala imini nobusuku. Uzama yonke into ukwenza isimo sibe ngcono, kodwa kungasizi lutho.
Wehla wenyuka endlini, umculele umntwana, uzame onke amacebo owathola kubangane, kodwa konke kube nhlanga zimuka nomoya.
Ake ngibuze lokhu.
Noma sewukhathele kangakanani, noma umntwana esegule isikhathi eside kangakanani, uke ufikelwe umcabango wokuthi uphisane ngaye lowomntwana, noma uvele umyeke ahlupheke yedwa?



43

Cha? Ngasizathu sini? Ngoba lowomntwana omncane umthanda kakhulu ngenxa yobuhlungu nokugula akuzwayo.
Unjalo-ke uNkulunkulu!


44

Abantwana baKhe emhlabeni bahlaselwa yisifo sesono,

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade


45

ubuhlungu nokuhlupheka abadlula kukho kwenza uNkulunkulu abathande kakhulu.



46

Akuzange kufike kuNkulunkulu ukuthi avele asishiye sinjalo!
Akakaze asishiye ukuba sife, sithwale umphumela wokuhlubuka kwethu.



47

2 Petru 3:9.
IBhayibheli lithi: INkosi ...iyanibekezelela, ingathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni. 2 Petru 3:9.


48

Akukhathaleki ukuthi ulunge noma umubi kangakanani, uNkulunkulu uyakuthanda, futhi ufuna ukukusindisa.
Akafuni ukuba ufe.


49

Kodwa-ke, sonke sonile.
Sonke sihlubukile kuNkulunkulu, siwephulile umthetho waKhe.


50

Ohulumeni basemhlabeni ngeke babukele kwephulwa umthetho kodwa balindele ukuthi ukubusa kwabo kuzoqhubeka njalo.


51

Abeqa umthetho bayajeziswa.
Kodwa ukweqa umthetho kaNkulunkulu yinto eyesabekayo, ngoba isono sisehlukanisa noNkulunkulu - okunguYena kuphela ongasisiza futhi asisindise

1

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



52

Noma uNkulunkulu enguNkulunkulu onothando olungapheli, ubuye abe uNkulunkulu wobulungiswa. Entabeni yaseSinayi wazichaza ngalendlela:




53

Eksodusi 34:6, 7
......NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso,




54

ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyekela onecala... Eksodusi 34:6, 7.



55

Ngabe sikhona-nje isisombululo? Ikhona indlela yokuphunyuka?
Yebo, ikhona!
UNkulunkulu wothando wayenza indlela yokusisindisa, kodwa abe ngonobulungiswa.



56

Wathola oFanelekile ukuze afe esikhundleni sethu, ozokhokha inhlawulo yethu ukuze siphile.
UJohane umfundi othandiweyo uyichaza kanje lento:




57

Johane 3:16
Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa





58

ukuba yilowo nalowo okholwa Yiyo angabhubhi kodwa abe nokuphila okuphakade.

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade


59

**UJesu weza emhlabeni waphila njengomuntu, wabhekane nalezinkinga nezilingo bonke abantu ababhekana nazo.**
**Waphila impilo yokulalela okuphelele.**
**Kanjalo, njengomele thina engenasono, uKristu wazithathela kuYena icala lawo wonke umuntu owayezoke aphile, wafa ngenxa yabo.**



60

**UPawulu wathi: Ngokuba njengalokho ngokungalaleli kwamuntu munye abaningi benziwa izoni**



61

**kanjalo ngokulalela kwamuntu munye abaningi bayakwenziwa abalungileyo.**
**AmaRoma 5:19**


62

**Ukufa kukaJesu kwakungahlosile ukuxolisa uNkulunkulu othukuthele.**
**UJesu wazinikela ukuba afe aze asisindise ezonweni zethu, kanti uNkulunkulu wasithanda kangangoba wavuma ukunikela ngeNdodana yaKhe ngenxa yethu.**
**UJesu wabayiWundlu likaNkulunkulu - iWundlu lomhlatshelo!**



63

**(Video 25 sec.) Njengabantu bakaNkulunkulu abakhethiwe, uIsrayeli wazula ehlane eduze nentaba yaseSinayi ngemuva kokukhululwa kwabo eGibhithe ngesandla sikaMose. Nsuku-zonke babebona inkonzo nemihlatshelo ezingumfanekiso wecebo likaNkulunkulu lokusindisa abantu abawele esonweni. Ithabanekeli lasehlane, elalakhiwe ngokuyala kukaNkulunkulu nezinkonzo ezamiswa nguYe, kwakulokhu kudonsela izingqondo zabantu eKalvari - intaba lapho uJesu wayezofela khona, lapho iWundlu langempela laliyonikelwa khona ngenxa yezono zabantu, ngaleyondlela bonke babe nethemba nesiqinisekiso sokuthethelelwa nokusindiswa.**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade


64


**Umuntu oyisoni wayeletha isilwane esizokuba umhlatshelo.
Wayebeka izandla zakhe enhloko yesilwane, avume izono zakhe.
Abese ethatha ummese, asibulale, okuyinto eyayitshengisa ukuthi izono zakhe zabangela ukufa kweWundlu lomhlatshelo elalimele uJesu.**


65

**Yebo, akumnandi lokhu. Kodwa isiphambano saseKalvari esaletha ithemba lokuphila okuphakade ezinhliziyweni zabantu sasingemnandi.
Nokho, ngalesenzo uNkulunkulu watshengisa ukuthi isono siletha ukufa emntwini owonile noma kulowomhlatshelo ongenacala.**


66

**Abantu bakaNkulunkulu ezikhathini zeBhayibheli babeletha imihlatshelo njengendlela yokutshengisa ukukholwa kwabo ekufeni kweNdodana kaNkulunkulu eyayizokufa esikhundleni sabo.**



67

**Johane 1:29.
UJesu wayengumnikelo weqiniso. Ngesikhathi uJesu eya kobhabhadiswa, uJohane wathi: ...Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe! Johane 1:29.
Cabanga nje ukuthi abanye babantu ayeze ukubasindisa, babeceba ukumbulala!
UJesu washaywa, kwahlekiswa ngaye, wagwetshwa ukufa kwesiphambano okwakuyindlela enesihluku esikhulu yokubulala.**



68

**1 Petru 2:22.
Kodwa, njengoba lisho iBhayibheli, lowo "ongenzanga-sono, kungafunyanwanga nenkohliso emlonyeni waKhe" wafa kuleso siphambano!
1 Petru 2:22.**


69

**UKristu wabethelwa ngesikhathi sePhasika.
Kwakuyisiko lababusi bamaRoma ukuthi ngalesikhathi bakhulule isiboshwa esisodwa njengesenzo sokwakha ukuzwana.
Izixuku zakhetha ukuba kukhululwe uBaraba, kubethelwe uJesu.**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade


70

Ekufeni, uJesu wabalwa nezoni.
Wabethelwa phakathi kwamasela amabili!
Kwathi lapho uNkulunkulu ebeka phezu kwaKhe izono zomhlaba wonke,




71

Mathewu 27:46.
Wamemeza wathi: ...Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?
Mathewu 27:46.
Wezwa ukwehlukana okubuhlungu okulethwa yisono.
UJesu akakwazanga ukubekezelela ubuhlungu bokwehlukana noYise.
Kwaphula inhliziyo yaKhe.



72

Marko 15:31.
Isixuku samemeza sathi: ...Wasindisa abanye, angezisindise Yena.
Marko 15:31.


73

Kwakuyiqiniso lelo!
Wayengeke akwazi ukuzisindisa Yena aphinde asindise nabanye.
WayenguNkulunkulu, ekhokha isihlengo sabantu abalahlekile, umthetho owephuliwe, inkokhelo yesono.
Kwaba kanjalo-ke ukuthi uNkulunkulu onothando olungeke lweneliseke umuntu engekabuyiselwa emndenini waKhe, wanikela ngeNdodana yaKhe ukuba ife esikhundleni somuntu.


74

UJesu waphathwa ngendlela eyayifanele thina ukuze thina sithole ukuphathwa ngendlela efanele Yena.
Wagwetshwa ngenxa yezono zethu, wafa ukufa kwethu ukuze thina sibe nokuphila okuphakade.
Ngalendlela uNkulunkulu waba nakho ukusinika ukuphila okuphakade, kodwa ahlale enobulungiswa.
Kungekhona ukuthi kukhona okuthile okuhle esikwenzile, kodwa kungenxa yokuthi uNkulunkulu ubalela ukulunga kukaKristu kithina - lokho kuphila kwaKhe okuphelele akuphila.

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



75

UPawulu, umpostoli kwabezizwe wathi:
Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa.
Kwabase-Efesu 2:8.
Lokhu kukholwa iyona nhliziyo yosindiso.


76

Ngesikhathi umgcini-ziboshwa wase Filipi ebuza kuPawulu ukuthi makenzeni ukuze asindiswe, uPawulu waphendula ngokuthi:



77

Izenzo 16:31.
Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa...
Izenzo 16:31.



78

Yebo, ukuvuma-nje engqondweni yakho ukuthi uKristu wake waphila emhlabeni, akwenele. Akusikhona ukukholwa okusindisayo lokho.
Ukukholwa okusindisayo kujulile kunalokho.



79

Jakobe 2:19.I
Bhayibheli lithi: namademoni ayakholwa, athuthumele.
Jakobe 2:19.


80

Ukukholwa kuJesu kusho okungaphezu kokuvuma ukuthi uJesu wafa eminyakeni engaphezu kweyi 1900 eyedlule.
IBhayibheli lithi:



81

Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, ungenciki kokwakho ukuqonda.

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



82

Mazise Yena ezindleleni zakho zonke, uyakuqondisa imikhondo yakho.
Izaga 3:5, 6.
Uyamethemba yini? Umethemba ngempela?
Umethemba ngokwenele ukumvumela abuse impilo yakho?


83

Ukukholwa okusindisayo ukwethembela kulowo mhlatshelo kaKristu njengenhlawulo egcwele nephelele yazo zonke izono esake sazenza.
Kusho ukukholwa ukuthi akusikho esikwenzayo okusisindisayo, kodwa yilokho esakwenzelwa nguKristu eKalvari.



84

Akukho muntu ongaziqhayisa ngokuthi wazisindisa.
Lonke udumo olukaNkulunkulu!
Umusa uvela kuNkulunkulu;
ukukholwa makuvele kumuntu: ukwethemba uNkulunkulu ngokuphelele - ukuvuma ngokuzithandela ukuba abuse izimpilo zethu.




85

Ukwamukela usindiso kulula kangaka, kodwa abaningi bakwenza kube yinto elukhuni.
Umbuzo esimele ukuwuphendula yiwona lowo owafikela umngcini-ziboshwa waseFilipi mhla ememeza kuPawulu noSila ngalobo busuku obesabekayo mhla kuzamazama umhlaba kuvuleka namasango asejele:



86

Ngimelwe ukwenzani ukuze ngisindiswe na?




87

Kunamaqiniso amane-nje okudingeka uwazi ukuze usindiswe.
Mane kuphela.

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade







88

Kwabase-Efesu 2:8, 9.
IQINISO LOKUQALA: Usindiso luyisipho sesihle.
Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu; akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo.
Kwabase-Efesu 2:8, 9.
Manje nanku umbuzo: Kungani usindiso luyisipho na?
Isizathu salokho kusiletha ephuzwini lesibili.





89

AmaRoma 3:23
IQINISO LESIBILI: Sonke sonile.
AmaRoma 3:23 athi: Ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu.



90


Lokho kusho ukuthi angisifanele isipho.
Angilufanele usindiso.
Uyabona, ngonile.
Ngisilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu.
Uma usindiso lwencike ekulungeni kwami, kusho ukuthi angisoze ngaluthola ngoba ngonile - angikwazi ukuba ngolungileyo.
Yileso-ke isizathu sokuba usindiso lube yisipho sesihle engiphiwa sona, ngoba angikwazi ukulusebenzela futhi angilufanele.
Sonke sonile, sasilalelwa yinkazimulo kaNkulunkulu.




91

IQINISO LESITHATHU: Inkinga: Isono sihamba nokufa.
AmaRoma 6:23. Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa.
Yileyo inkinga enkulu esibhekene nayo sonke.
Ngiyisoni; ngakhoke ngifanele ukufa.
Angisifanele isipho sosindiso.
Angisifanele leso sipho sesihle.
Kungakho-nje kumele kube yisipho sesihle, uyabona, ngoba sonke sonile sasilalelwa yinkazimulo kaNkulunkulu.
Inkinga ukuthi njengesoni, ngifanele ukufa. Kodwa uNkulunkulu unesisombululo kulenkinga.

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



92

AmaRoma 5:8
IQINISO LESINE: Isisombululo: UJesu wasifela.
AmaRoma 5:8 athi: Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwaKhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.
Akumnandi lokho? UJesu wangifela mina engiyisoni. Kanti, sihlobo, wakufela nawe futhi!



93

Amaqiniso amane alula. Ake siwaphinde:



94

1. Usindiso luyisipho sesihle.



95

2. Sonke sonile.



96

3. Inkinga: Isono siletha ukufa kithina.



97

4. Isisombululo: UJesu wasifela, okusho ukuthi sizophila uma simamukela njengoMsindisi wethu.


98

Siseyizoni, UJesu wasifela. Bangane bami, animthandi yini?
Animthandi yini ngokufela izono zenu nezami?
Animthandi yini ngokusinika leso sipho sesihle usindiso na?

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade


99

**Ungase ubuze ukuthi: Ngingasamukela kanjani leso sipho sesihle na?**



100


**ISambulo 3:20**
**IBhayibheli lisinika impendulo kulokho kwiSambulo 3:20.**
**...Bheka ngimi ngasemnyango ngingqongqotha.**
**Uma lowo onokuphila okuphakade engqongqotha emnyango wendlu yakho, uyamyeka ame ngaphandle, noma uyamngenisa na?**


101

**Ngokweqiniso uzovula umnyango umngenise!**
**Uyabona, ngokwamukela uJesu, samukela isipho sokuphila okuphakade eza naso.**
**Akumnandi yini lokho?**
**UJesu ufuna ukungena ezimpilweni zethu.**
**Thina siyammema angene.**


102

**Sisamukela kanjalo leso sipho sesihle.**
**Sivele sikhangeze sithi: Siyabonga Jesu!**
**Ngena empilweni yami.**
**Ngena enhliziyweni yami.**
**Busa empilweni yami - busa enhliziyweni yami.**
**Lapho uJesu engena, simamukela njengomngane wethu, njengoMsindisi wethu nanjengeNkosi yethu.**



103

**Izinto ezimbili ezibalulekile ziyenzeka uma sicela uJesu ukuba angene ezinhliziyweni zethu - uma simamukela ezimpilweni zethu.**



104

**1 Johane 1:9**
**Okokuqala, sivuma izono zethu samukele ukuthethelelwa.**
**Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono,**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



105

**asihlambulule kukho konke ukungalungi. 1Johane 1:9; Zihlobo, yisithembiso esimnandi leso.**


106

**Akunandaba ukuthi senzeni noma besikuphi, akukhathalekile ukuthi besiphila impilo enjani, noma ngaze ngabe besiyizoni ezimbi kunazo zonke, singeza kuJesu samukele leso sipho sesihle sosindiso. Singavuma izono zethu samukele ukuthethelelwa okugcwele nokuphelele.**


107

**IBhayibheli lisitshela ukuthi uJesu uphonsa izono zethu ekujuleni kolwandle, angabe esazikhumbula.**



108

**Zihlobo zami, uma uJesu exolela uyakhohlwa..**
**Ngabe sikhona yini isono osivumile kuNkulunkulu, kodwa usalokhu uhlushwa ngunembeza ngaso?**
**Mhlawumbe ucabanga ukuthi kukhona isono esithile esikhulu kangangoba ngisho noNkulunkulu ngeke asixolele.**
**Kudingeka sikholwe yilokho akushoyo uNkulunkulu. Ku 1 Johane 5:10 kushiwo ngokusobala ukuthi uma singakholwa nguNkulunkulu, simenza umqambimanga.**



109

**1 Johane 5:10**
**Okholwa yiNdodana kaNkulunkulu unobufakazi phakathi kwakhe**



110

**ongakholwa nguNkulunkulu umenze umqambimanga,**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



111

ngokuba engakholwanga ngubufakazi uNkulunkulu abufakazile ngeNdodana yaKhe. 1 Johane 5:10.
Uma uJesu ethembisa ukuthi uzothethelela izono zethu asuse icala lethu, uzoyenza leyonto athi uzoyenza.



112

Uma uJesu ethethelela, uyakhohlwa, nathi-ke masikhohlwe!



113

Izenzo 3:19
Nanka amazwi kaPetru kwiZenzo 3:19:
phendukani, niguquke ukuba kuhlangulwe izono zenu...


114

Niyabona, siza kuJesu, samukela isipho sosindiso, simmema ukuba angene ezimpilweni zethu, kanjalo into yokuqala eyenzekayo ukuthi uyasithethelela asihlambulule, aphonse izono zethu ekujuleni kolwandle.
Akumnandi lokho zihlobo?
Awumthandi yini loMsindisi wakho nowami?Kodwa kusekhona okunye okwenzekayo uma samukela uJesu ezinhliziyweni zethu.



115

Usinika amandla okunqoba izono zethu size sifane naYe - ukuhamba ezinyathelweni zaKhe.
Obekade eyisela, akasebi.
Obenamanga, akasawakhulumi.
Isidakwa asisaphuzi.



116

uJohane 1:12
Qaphela okushiwo kuJohane 1:12: Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu,

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



117


labo abakholwa egameni laKhe.
Uzosipha amandla okuba abantwana baKhe, amadodana aKhe namadodakazi aKhe.  Asisabuswa nguSathane.
Asisebona abantwana bobumnyama.


118

Uzosinika amandla okuhamba ezinyathelweni zaKhe.
Uma sikholwa kuYena, uma samukela leso sipho sosindiso, uzosipha amandla okuba abanqobi.


119

Uma siqhuzuka siwa ngemuva kokuba sesisamukele isipho, uzosithethelela futhi nafuthi.
Uyosinika lawomandla okuba abanqobi - ukukhula ekufaneni noJesu.
Ukuba nokukholwa kudinga ukukhula nsuku zonke ekwethembeni uJesu uMsindisi wethu.  Akusho ukuthi sesingabapheleleyo, kodwa singabaxolelwe.  USathane akaseyona inkosi yethu.  INkosi yethu seku nguJesu.


120

Uyabona, ukukholwa kusho ukwethemba nokwamukela leso sipho sosindiso.
Usithethelela izono zethu aphinde asinike amandla okuhamba ezinyathelweni zaKhe.


121

Uma simvulela engqongqotha emnyango wenhliziyo, simngenise, uhlanza izinhliziyo zethu ezigcwele isono, asixolele.
Usinika namandla okuguquka, sinqobe isono sifane naYe imihla ngemihla.


122

Uma uJesu esehlala kithina, singaba nesiqiniseko sokuphila okuphakade.
Bewukwazi lokho?
Akudingekile ukuba sikhathazeke ngokuthi sizosindiswa noma cha, nokuthi ngabe siyohlala kuze kube naphakade noJesu.



123

1 Johane 5:12, 13
Onayo iNdodana unokuphila;  ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila.

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade



124

Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade




125

nina enikholwa egameni leNdodana...
1 Johane 5:12, 13.


126

UJesu ufuna sazi khona lapha namanje, ukuthi sinokuphila okuphakade.
Singakwazi lokho manje ukuthi uma simema uJesu ezinhliziyweni zethu, samukela isiqiniseko sokusindiswa kwethu.
UJesu unika wonke umuntu kuphi nakuphi isimemo ukuze



127

Johane 3:16.
...yilowo nalowo okholwa kuYe, angabhubhi kodwa abe nokuphila okuphakade.
Johane 3:16.
Mhlawumbe uzibona uyisoni esingenathemba, kodwa lokho akusilo iqiniso!
UNkulunkulu uyakwazi ukuguqula isimo esibonakala singenathemba, asenze ukunqoba.
Ayikho impilo embi ngokwedlulele, asikho isono esibi ngangoba uKristu angesixolele!

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade


128

NgoDisemba 31, 1995, uJohn Clancy, umakadebona ekucimeni imililo eNew York City, wahola ithimba lakhe ukuya esakhiweni esiphakeme esidala esasivutha endaweni yase Manhattan. Kwathi lapho umlilo uvutha ubuhanguhangu, abacimi-mlilo bakhathazeka ngokuthi hleze kube khona umuntu othile ophakathi lapho, yize noma kwakuyisakhiwo esasisetshenziswa omadakeni, abezidakamizwa, yizidakwa nabathengisa ngemizimba. Noma kunjalo, uClancy nethimba lakhe bangena kuleso sakhiwo esivuthayo ukufuna abangase babe phakathi. Isakhiwo sasigcwele intuthu, kungabonakali lutho. Abacimi-mlilo babedela izimpilo zabo ukufuna omadakeni okwakungase babesebenzisa leso sakhiwo njengekhaya labo. Kusenjalo, kwabhodloka uphahla esitezi sesibili, uJohn Clancy wavaleleka lapho. Abasizi bakhe bazama konke okusemandleni abo ukumsindisa emalangabini, kodwa kwathi lapho bephumelela ukumdonsela ngaphandle, lase lidume ledlula.

Umzimba wakhe wawushe engasabonakali nokuthi ungubani. Usuku lokugcina ku 1995 kwaba usuku lokugcina lwempilo yalendoda eyiqhawe. Washiya inkosikazi eyayinezinyanga eziyisithupha ikhulelwe kanye nekusasa ababelihlela bobabili. UJohn Clancy wayekholwa ukuthi yonke imiphefumulo iyigugu; ngakhoke wayezimisele nokudela eyakhe impilo ukusindisa noma ngabe ubani owayekuleso sakhiwo. Washiya ukuthokomala kwekhaya lakhe waya emlilweni oyingozi. Wangena emalangabini ukuze asindise imiphefumulo, walahlekelwa owakhe. Ukuzinikela kwakhe kwathatha ukuphila kwakhe. Wayengakwazi ukuma esonge izandla kube kufiwa.

Uma ilokhu ivela iminingwane yalendaba, abaphenyi bathola ukuthi lowomlilo wawubangelwe umuntu owayecekela phansi. U Edwin Smith, omunye wabomadakeni owayephakathi lapho, uyena owaqala lomlilo. Iqiniso ukuthi uJohn Clancy wayezama ukusindisa umphefumulo walowo owashisa isakhiwo. Wanikela ngokuphila kwakhe ngenxa yomuntu ocekela phansi.

Leso yisibonelo salokho okwenziwa uJesu.

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade


129

**UJesu washiya ukuphepha kwekhaya laKhe lasezulwini, waziphonsa elangabini lakulomhlaba.**
**UMsindisi wethu walenga esiphambanweni, imililo yesono yamshisa.**
**Senza isono ngokuzikhethela kwethu.**
**Sashisa lomhlaba ngolaka lwethu, ukungethembeki kwethu, izinkanuko zethu, ubugovu bethu, ukuphinga kwethu namanga ethu.**
**UKristu wafa ukuze thina siphile.**
**Wezwa ilangabi lesono esiphambanweni ukuze siphunyuke emalangabini esihogo mhla uJesu ebuya ukuzochitha isono unomphelo.**
**Namuhla uJesu ulangazelela ukukunika isiqiniseko sokuthi ungaphila kuze kube ngunaphakade.**



130

**Ulalele, ulindile.**
**Kungani ungavuli umnyango wenhliziyo yakho namuhla ummeme ukuba angene abe uMsindisi neNkosi yempilo yakho?**
**Ulalele, ulindile.**
**Kukhona into eyodwa uJesu angeke ayenze - leyonto ukukuphoqa ukuba umvulele umnyango wenhliziyo yakho.**
**Usinikile sonke ilungelo lokuzikhethela.**
**Ithina okufanele sivule umnyango!**
**Uzongena ngentokozo uma sivula.**
**Sihlobo, uyafuna ukwenza lokho khona manje?**
**Ungathanda ukumemela uJesu enhliziyweni yakho ngaphandle kokuchitha nomzuzwana nje?**



131


**Uma kunjalo, thandaza lomthandazo kanye nami.**



132


**Nkulunkulu othandekayo, ngiyazibona ukuthi ngiyisoni nokuthi ngidinga usizo.**

# 8 - Udalelwe Ukuphila Kwaphakade




133

**Ngifuna ukwamukela uJesu njengoMsindisi wami neNkosi yami.**



134

**Ngifuna ukumvulela uma engqongqotha, ngimmemele enhliziyweni yami khona manje.**



135

**Ngicela ungithethelele zonke izono engake ngazenza. Ngisize ubuse yonke impilo yami.**


136

**Ngifuna uJesu angene enhliziyweni yami ayigeze ihlambuluke, angisize ngimphilele.**
**Ngiyabonga ngokuzwa nokuphendula umthandazo wami, ngegama likaJesu, Amen.**

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



1

UMahluleli Ungakuwena


2

UJames Wokuqala, enye yamakhosi aseNgilandi, kuthiwa wake wazama umsebenzi wokuba umahluleli. Walalela kahle uhlangothi olulodwa lodaba ecaleni. Kwase kusele kancane akhiphe isigwebo lapho ebuye elalela olunye uhlangothi.
Ukusukela lapho, wazithola edidekile, engazi ukuthi makenzeni. Labantu ayeqale wababona sengathi bamsulwa, manje usebabona benecala. Labo ayekade ebabone benecala, manje usebabona bemsulwa.
Ekugcineni wawuyeka lomsebenzi wokuba umahluleli.
Lenkosi uJames Wokuqala wayibeka ngalamazwi lendaba: Kwakuhamba kahle ngisalalele uhlangothi olulodwa kuphela, kodwa lapho sengizizwe zombili izinhlangothi, angazi ukuthi ubani omsulwa nonecala.
Umahluleli odidekile uzokuthola kunzima ukwenza isinqumo esifanele.
UNkulunkulu umahluleli ongakhethi, nowahlulela ngeqiniso.
Akadidekile nakancane njengoba ahlulela thina.



3

(Video: 4 sec) IBhayibheli lifundisa ukuthi sonke sihlalelwe amacala phambi kukaNkulunkulu.



4

(Video: 12 sec) Namanje, sinikwe isamanisi ukuba sivele phambi kokwahlulelwa siphendule ngendlela esiphile ngayo nalokho esikwenzile.
Yonke indoda, wonke owesifazane owake waphila unodaba olumlindile phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaNkulunkulu - inkantolo ephakeme kunazo zonke.
Umpostoli uPawulu uyakhuluma ngalokhu umhlaba wonke ozodlula kukhona:

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



5

**Izenzo 17:31.**
**Umisile usuku azakwahlulela ngalo izwe. Izenzo 17:31.**
**Akekho oyophunyuka. Akekho ongeke athole isamanisi.**
**IBhayibheli lisho ngokusobala ukuthi bonke kuyofuneka bavele kulokho kwahlulelwa:**



6

**2 KwabaseKorinte 5:10.**
**Ngokuba thina sonke simelwe ukubonakaliswa phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaKristu...**
**2 KwabaseKorinte 5:10.**


7

**Noma siyakukholwa lokhu noma cha.**
**Noma siyakuthanda noma cha.**
**Noma sizibiza ngamaKristu noma cha.**
**Noma singobani, kumele sivele.**
**UNkulunkulu akakhethi bala lomuntu.**
**Uma sibizwa yinkantolo yasezulwini kumele siye. Nganina?**
**UPawulu uyasinika impendulo:**



8

**KwabaseRoma 14:12.**
**Ngalokho-ke yilowo nalowo phakathi kwethu uyakuziphendulela kuNkulunkulu.**
**KwabaseRoma 14:12.**


9

**Isinqumo sesigcawu sasezulwini siyonquma ikusasa lawo wonke umuntu kwanaphakade.**
**Futhi leso sinqumo ngeke sibuyele emuva, ngoba ayikho inkantolo yokudlulisa amacala!**



10

**(Video: 15 sec) Kodwa ngaphambi kokuba kukhishwe isinqumo, noma isigwebo, kumele kube khona ukwahlulelwa noma uphenyo.**
**Ake sibheke eBhayibhelini sibone isithombe salesigcawu noma inkantolo yasezulwini iqhubeka.**
**Umprofethi uDaniyeli wabhala wathi:**

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



11

Daniyeli 7:9, 10
Ngisabheka, kwabekwa izihlalo zobukhosi, kwahlala oMdala wezinsuku;



12

Izambatho zakhe zazimhlophe njengeqhwa, izinwele zekhanda laKhe zinjengoboya bezimvu.



13

Isihlalo saKhe sobukhosi sasingamalangabi omlilo.




14

Umnonjana womlilo wavela, waphuma phambi kwaKhe.



15

Izinkulungwane zenkulungwane zazimkhonza.



16

Nezinkulungwane eziyishumi zezinkulungwane eziyishumi zazimi ngaphambi kwaKhe.
Kwahlala abahluleli, izincwadi zavulwa.
Daniyeli 7:9, 10.


17

Lapha uDaniyeli udweba isithombe sikaNkulunkulu uBaba, noma oMdala Wezinsuku, ehlezi esihlalweni sobukhosi saphakade ezungezwe yizingelosi ezingenakubalwa.
Manje-ke qaphela ukuthi uDaniyeli wayesebonani futhi embonweni:

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



18

Daniyeli 7:13
Ngabona emibonweni ebusuku, bheka,



19

kwafika namafu ezulu onjengeNdodana yoMuntu;



20

yafika koMdala wezinsuku, yasondezwa phambi kwaKhe.
Daniyeli 7:13.


21

Lapha iNdodana kaNkulunkulu iboniswa imi phambi koMdala wezinsuku.
Kunjengasenkantolo yasemhlabeni!
Kukhona umahluleli esihlalweni, uMdala wezinsuku.
Kukhona ofakazi:  izingelosi ezingcwele ezazibona futhi zibhala yonke into.
Phambi kwesihlalo sobukhosi, kumi uJesu - ummeli wabantu, njengoba uJohane esho ethi:



22

1 Johane 2:1
...SinoMmeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo.
1 Johane 2:1.



23

Ungase uthi:  Yebo, bonke abantu bakhona, ngaphandle kwalowo okufanele abhekane nokwahlulelwa!
Ngenye indlela kunjalo, kodwa ake siqaphele ukuthi lithini iBhayibheli:



24

Daniyeli 7:10
Kwahlala abahluleli, izincwadi zavulwa.
Daniyeli 7:10
Ngokusobala lezincwadi ziqukethe umlando wezenzo zalabo abemi ekwahlulelweni, ngoba uSolomoni uthi:

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi




25

**Umshumayeli 12:14**
**Ngokuba uNkulunkulu uyakuyisa yonke imisebenzi ekwahlulelweni kanye nakho konke okufihliweyo, noma kuhle noma kubi.**
**Umshumayeli 12:14.**



26

**Malaki 3:16**
**UMalaki uyathasisela athi: Khona abamesaba uJehova bakhuluma bodwa omunye nomunye; uJehova waqaphela, wezwa;**



27

**Kwalotshwa phambi kwaKhe incwadi yokukhumbula ababemesaba uJehova, bezindla ngegama laKhe.**
**Malaki 3:16.**
**UNkulunkulu uyabona ngaso sonke isikhathi izinhliziyo zethu zidonseleka kuYena. Uqaphela wonke amazwi enkuthazo esiwakhuluma kwabanye, nezenzo zomusa.**
**Inkosi uDavide naye wayazi ngezincwadi zasezulwini ngoba sizwa ethi:**



28

**IHubo 56:8.**
**Yitha izinyembezi zami egabheni laKho; azikho encwadini yaKho na? IHubo 56:8.**
**UNkulunkulu uyalwazi usizi lwakho lonke.**
**Futhi wazi konke ngathi. Nangu uDavide ethi:**



29

**IHubo 139:1, 3, 16**
**Jehova, uyangihlolisisa, uyangazi.**



30

**...wazana nezindlela zonke zami.**



31

**Zonke izinsuku zami zalotshwa encwadini yaKho, zanqunywa, lungakafiki nolulodwa kuzo.**
**IHubo 139:1, 3. 16.**

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi


32

Ngoba uNkulunkulu azi konke ngathi, akudingekile ukuba agcine izincwadi ukuba zisize Yena. Izincwadi zigcinelwe ukusiza indalo yonke, ukuze kube khona ubufakazi obucacile ngothando nobulungiswa bukaNkulunkulu ngecala ngalinye. Ukuziphendulela kuNkulunkulu umcabango oshubile.


33

Wonke umuntu kumele aphendule ngesipho esiyigugu kunazo zonke - ukuphila! Wayesho lokhu uSolomoni mhla ethi:



34

Umshumayeli 11:9
Thokoza, nsizwa, ebusheni bakho, inhliziyo yakho ikuphe ukwenama emihleni yobunsizwa bakho




35

njengokubona kwamehlo akho,



36

kepha yazi ukuthi ngakho konke lokho uNkulunkulu uyakukungenisa ekwahlulelweni.
Umshumayeli 11:9.



37

Mathewu 12:36, 37
UMathewu wathi: Amazwi onke ayize abawakhulumayo abantu bayakuzilanda ngawo ngosuku lokwahlulelwa.



38

Ngokuba ngamazwi akho uyakuthethwa, nangamazwi akho uyakulahlwa.
Mathewu 12:36, 37.

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



39

Omunye umcwaningi wathola ukuthi:
Ngesonto elilodwa, umuntu ofana nawe nami, ukhuluma amazwi angagcwalisa incwadi enamakhasi angu 320!
Lokho kungasho izincwadi ezingaphezu kuka 3 000 eminyakeni engu 60!


40

Umtapo wakho wezincwadi uyothini ngosuku lokwahlulela na?
Ngaphezu kwalokho, ngisho nemicabango nezisusa zalawomazwi nezenzo konke kuyoba sobala.



41

1 KwabaseKorinte 4:5
INkosi iyakuveza ekukhanyeni okufihlakeleyo kobumnyama, iveze obala izizindlo zezinhliziyo...
1 KwabaseKorinte 4:5


42

Ngeke kubekhona ukwesula noma ukugqiba izenzo zethu ngalolosuku!
Abantu bangakwazi ukukhohlisa abangane babo ngisho nemindeni yabo, kodwa akekho ongakhohlisa uNkulunkulu.
Ufunda izimfihlakalo zenhliziyo!


43

Niyabona, uma selufika usuku lokwahlulela, siyozithola simi kwenye yezindawo ezimbili:
kungaba umlando wonke wezono zethu wagezwa ngegazi likaJesu; noma umlando wezono zethu umelene nathi, ukusilahla.
Futhi-ke akusikhona esizibiza ngakho, kodwa yilokho esiyikho nesikwenzayo okwenza umahluko!



44

Mathewu 16:27
Sitshelwa ukuthi ekufikeni kukaJesu, ...uyakuvuza yilowo nalowo ngesenzo sakhe. Mathewu 16:27
Imisebenzi yethu emihle ngeke isisindise, umusa kaNkulunkulu osisindisayo. Kodwa imisebenzi yethu emihle itshengisa ukuthi izinhliziyo zethu zinikelwe kuNkulunkulu.

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



45

**Mhlawumbe enhliziyweni uthi : Uma sisindiswa ngomusa, kungani sahlulelwa ngemisebenzi yethu na? Umbuzo omuhle lowo!**
**UDr. Sakae Kubo usandu kubhala ethi:**




46

**Ake sibheke ukuthi kungasho ukuthini ukuba ukwahlulelwa bekungayi ngemisebenzi.**



47

**Ubezosahlulela ngani uNkulunkulu: ibala lesikhumba sethu, isizwe sethu, isikhundla emphakathini, imfundo yethu, ubuhle noma ububi bethu, amathalente ethu, amandla ethu,**



48

**ubulungu bethu ebandleni, noma ukusho kwethu ngomlomo ukuthi singamaKristu? UNkulunkulu usahlulela kuphela ngemisebenzi yethu, noma mihle noma mibi.**
**ISamanisi Lakho Lasenkantolo, ikhasi 20.**
**Imisebenzi emihle ayenziwa abaqinisekile ngoba bethenga usindiso**



49

**(Video: 8 sec) Ingumphumela ozivelelayo enhliziyweni egcwele uthando ngoNkulunkulu nomuntu. Ubudlelwane bothando noJesu obuqhuba abalandeli baKhe ukuba benze okuhle.**
**Esegoqa incwadi yoMshumayeli, uSolomoni uthi:**



50

**Umshumayeli 12:13, 14**
**Nakhu ukuphela kwendaba, lapho sekuzwakele konke,**



51

**Mesabe uNkulunkulu, ugcine imiyalo yaKhe, ngokuba lokho kungokwabantu bonke.**

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi





52

**Ngokuba uNkulunkulu uyakuyisa yonke imisebenzi ekwahlulelweni.**
**Umshumayeli 12:13, 14.**
**Njengoba ubudlelwane bomuntu noKristu buyokwahlulelwa ngokuziphatha kwakhe, kumele kube khona isilinganiso esicacile sokulinganisa lokho kuziphatha.**


53

**Ngokwenqubo yomthetho wezwe, ukuthethwa kwecala kusuke kuzama ukuthola ukuthi kube khona ukwephulwa komthetho yini. Umuntu ulahlwa yicala kuphela uma kutholakala ukuthi wephule umthetho.**



54

**Ekwahlulelelni kukaNkulunkulu kukhona umthetho noma isilinganiso, kanti uJakobe uyachaza ukuthi yimuphi umthetho oyophakanyiswa.**




55

**Jakobe 2:12.**
**Khulumani kanjalo, nenze kanjalo njengokufanele abayakwahlulelwa ngomthetho wenkululeko.**
**Jakobe 2:12.**



56

**Jakobe 2:11**
**Endimaneni engaphambili, uJakobe ucaphuna emibili yemiyalo: Ungaphingi nothi Ungabulali.**
**Ngokusobala imiyalo eyishumi kaNkulunkulu ibizwa ngokuthi umthetho wenkululeko, okuyokwehlulelwa ngawo abantu.**



57

**(Video: 4 sec) Ukwahlulela kuyoveza ukuthi singakuluphi uhlangothi kulempikiswano phakathi kukaKristu noSathane.**
**Ngabe singakuKristu na?**
**Simvumele yini ukuba aphile impilo yaKhe ngaphakathi kwethu na?**

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi


58

Simthanda ngaphezu kwayo yonke enye into?  Intando yaKhe siyayithanda yini njengoba yembulwe emiyalweni eyishumi?
Ngabe yisifiso sethu yini ukumlandela ngokusizwa amandla aKhe na?
Ngabe usewubhalile yini umthetho waKhe ezinhliziyweni zethu na?


59

Niyabona, uma izifiki zifisa ukuba yizakhamuzi zelizwe elithile, kudingeka zifunge ukwethembeka kulelozwe, zithembise ukuba yizakhamuzi eziqotho, nokuhlonipha imithetho yalelozwe.



60

(Video: 10 sec) Kanjalo nakumaKristu.
Uma bamukela uKristu, belangazelela ukuba yizakhamuzi zombuso waKhe, uNkulunkulu ufuna bafunge ukuthi bazomthanda bamhloniphe, baphakamise umthetho waKhe.



61

Nokho, akuzona zonke izifiki eziye zithembeke ezifungweni zazo.
Abanye baye babonakale ngaphandle sengathi bayizakhamuzi ezethembekayo zezwe, kodwa kamuva batholakale bengenjalo.
Uma kutholakala ubufakazi balokhu, bayaphucwa amalungelo abo, baphindiselwe lapho babevele khona.



62

Ngokunjalo, akuwona wonke amaKristu ahlala ethembekile ezifungweni zawo.
Akwanele ukubalwa njengabalungile manje, kufuneka sihlale sithembekile kuYena aze abuye.
Akwenele ukuzibiza ngomlandeli kaKristu, kudingeka siphile impilo yokulalela okuphelele nokwethembeka kuJesu kubonakale kithina.



63

Mathewu 7:21
UJesu wathi:  Asibo bonke abashoyo Kimi ukuthi: Nkosi, Nkosi, abayakungena embusweni wezulu,

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



64

**kuphela owenza intando kaBaba osezulwini.
Mathewu 7:21.
Yonke lempikiswano phakathi kokulunga nobubi, phakathi kukaKristu noSathane, ingesimilo sothando lukaNkulunkulu.**


65

**Kanti umthetho uyisilinganiso esibhaliwe saleso similo.
Akumangalisi ukuthi ugqame kangaka ekwahlulelweni kokugcina!**


66

**Kodwa iqiniso elibalulekile, elingaziwa amaKristu ukuthi isigcawu sasezulwini sibuthene kumanje-nje! Empeleni, incwadi yokugcina yeBhayibheli, iSambulo, iveza ukuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu kuyaqhubeka khona manje.**



67

**Kungakho ezahlukweni zokugcina zencwadi yeSambulo, uJohane ubhala ngesexwayiso nesimemo sokugcina emhlabeni ngalamazwi:**



68

**Isambulo 14:6, 7
Ngase ngibona enye ingelosi indiza emkhathini wezulu,**



69

**inevangeli eliphakade ilishumayele kwabahlezi emhlabeni -**



70

**nakuzo zonke izizwe, nemindeni, nezilimi nabantu -**

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



71

Isho ngezwi elikhulu, ithi:  Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo, ngokuba ihora lokwahlulela kwaKhe selifikile;



72

nikhuleke kuYe owenza izulu nomhlaba nolwandle nemithombo yamanzi.
Isambulo 14:6, 7.



73

Uzoqaphela ukuthi lesigijimi asisho ukuthi "ukwahlulela kuzofika," sithi: ihora lokwahlulela kwaKhe selifikile.




74

Inxenye yesibili yalesigijimi esinxa-ntathu, sibiza abantwana bakaNkulunkulu ukuba baphume ezinhlelweni zenkolo yenkohliso ezokuba khona ezinsukwini zokugcina.
Inxenye yokugcina yalesigijimi ixwayisa abantwana bakaNkulunkulu ukuba baqaphele bangakhonzi umbutho wesilo esikuSambulo 13.



75

Isambulo 14:9, 10
Uma kukhona okhuleka kuso isilo nomfanekiso waso, elwamukela futhi uphawu ebunzini laKhe



76

Naye uyakuliphuza iwayini lolaka lukaNkulunkulu...
Isambulo 14:9, 10.
Manje qaphela izindimana 14 no 15 ezilandela isimemezelo sezingelosi ezintathu:



77

Isambulo 14:14, 15
Ngase ngibona, bheka, nanto ifu elimhlophe, naphezu kwefu kuhlezi ofana neNdodana yoMuntu,

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi




78

**enomqhele wegolide ekhanda laKhe, nasesandleni saKhe enesikela elibukhali.**




79

**Enye ingelosi yayisiphuma ethempelini, imemeza ngezwi elikhulu, ithi kohlezi phezu kwefu:**




80

**Faka isikela lakho, uvune, ngokuba kufikile isikhathi sokuvuna,**




81

**ngokuba sekomile okuvunwayo komhlaba. Isambulo 14:14, 15.**



82

**Siyini isivuno somhlaba na?  Ukuphela komhlaba.**
**Ukuthi isivuno, kusho ukubuya kukaKristu.**
**Kwenzekani ngaphambi kokubuya kukaJesu?**
**Ukwahlulela kukaNkulunkulu.**
**Ukwahlulela kwaKhe kuveza ukuthi obani abakulungele ukubuya kwaKhe.**
**Kodwa akesime, sihlole lesihloko ngokujulile.**
**Mhlawumbe uyamangala ukuthi kwaqala nini lokwahlulela!**




83

**Isihluthulelo sitholakala phakathi kwesiprofetho esimangalisayo sikaDaniyeli!**

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



84

Daniyeli 8:14.
Kuyoze kube yizikhathi zokuhlwa nezokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu, beseyihlanjululwa indlu engcwele. Daniyeli 8:14. Lesi yisiprofetho eside kunazo zonke eBhayibhelini esiphathelene nesikhathi .



85

Esiprofethweni siphawula ukuthi usuku lumele unyaka.
...Yilolo nalolosuku lube ngumnyaka. Hezekeli 4:6.
Kanjalo izinsuku ezingu 2 300 zimele iminyaka engu 2 300.



86

Izinsuku ezingu 2 300, ziyinxenye yesiprofetho esitholakala kuDaniyeli 7, 8 no 9.




87

Lesiprofetho sisitshela ngqo, unyaka wokubhabhadiswa nokubethelwa kukaJesu.
Futhi sisitshela ukuthi kuyoqala nini ukwahlulela.



88

Lezinsuku ezingu 2 300, noma iminyaka yesiprofetho engu 2 300, zaqala ngomyalo wenkosi uAhashiveroti wokuthi kwakhiwe iJerusalema kuvuswe nomnotho walo.
Abakwa Israyeli babekade bengabathunjwa eBabele iminyaka engu 70, kanti babelangazelele ukubuyela kwelakubo, bavuselele iJerusalema labo abalithanda kakhulu.


89

Ekugcineni, ngonyaka ka 457 B.C. inkosi yakhipha umyalo ababekade bewulindele. Iminyaka engu 2 300 ukusuka kulonyaka iphela ngo A.D. 1844.
Manje masibuyele endimaneni yethu. Koze kube yizikhathi zokuhlwa nezikhathi zokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu, beseyihlanjululwa indlu engcwele. Sibonile ukuthi lesiprofetho siphela ngo 1844. Kuyini ukuhlanjululwa kwendawo engcwele na?

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



90

Ngo 1844 kwaqala lokho iBhayibheli elikubiza ngokuthi Yihora lokwahlulela kukaNkulunkulu. Lashaya ihora ewashini. Ungabuza uthi: Kuhlangene kanjani ukwehlulela nokuhlanjululwa kwendawo engcwele okwaprofethwa nguDaniyeli, okwakuyokwenzeka ekupheleni kwezinsuku ezingu 2 300 na?




91


Kuyini ukuhlanjululwa kwendawo engcwele na? Kuhlangene kanjani nokwahlulela? IBhayibheli lichaza izindawo ezingcwele ezimbili - eyodwa isemhlabeni, enye isezulwini.


92

KwaIsrayeli wasendulo, abantu babeletha imihlatshelo yabo ethempelini nsuku zonke.


93


Babevuma izono zabo lapho, babulale iwundlu ukutshengisa ukukholwa kwabo ekufeni kukaJesu iNdodana kaNkululunkulu,okwakuzokwenzeka esikhathini esizayo.


94

Namhlanje uma sona, siyazivuma izono kuNkulunkulu ngoba uJesu wafa ukuze asihlawulele icala lesono.


95

Kodwa uJesu engakafi eKalvari, kwakungekho mhlatshelo ababebuka emuva kuwona; ngaleyo ndlela babebheka phambili esikhathini lapho i"Wundlu" likaNkulunkulu lalizabafela.
Ngokunikela ngesilwane esingenacala, babetshengisa ukukholwa kwabo kuMsindisi owayezofika afe, ukuze bathole ukuthethelelwa.


96

Izono zabo zazidlulela endaweni engcwele (ethempelini) ngokuthi umpristi afafaze igazi lesilwane ngaphambi kwesihenqo seNdawo eNgcwele-ngcwele yethabernekeli.

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



97

Kwakuthi-ke kanye ngonyaka, amaIsrayeli abe nenkonzo ezothile futhi engcwele kakhulu okuthiwa Usuku lokuBuyisana, noma ukuhlanjululwa kwendawo engcwele. Kwabakwa Israyeli, kwakungusuku lokwahlulelwa.


98

Izinsuku eziyishumi ngaphambi kosuku lokubuyisana, kwakukhaliswa amacilongo, ukukhumbuza uIsrayeli ukuthi kwasekuyisikhathi sokuba bahlole imiphefumulo yabo, bavume izono.
Bonke ababesilela kulokho babekhishelwa ngaphandle kwenkambi yakwaIsrayeli.



99

Ngokuba ngalolosuku niyakwenzelwa ukubuyisana ukuba nihlanjululwe;



100

niyakuhlambuluka ezonweni zenu zonke phambi kukaJehova.
Levitikusi 16:30.



101

Manje-ke incwadi yamaHeberu ikwenza kube sobala ukuthi indawo engcwele yasemhlabeni nezinkonzo zayo, kwakungumfanekiso waleyo esezulwini lapho uKristu uMpristi Omkhulu wethu ethethelela khona izono zethu.



102

AmaHeberu 8:1, 2
Uthi uPawulu: SinoMpristi oMkhulu onjalo osewahlala ngakwesokunene sobukhosi soMkhulu emazulwini.



103

Isikhonzi sokungcwele nesetabernakele lempela elamiswa yiNkosi kungemuntu.
KumaHeberu 8:1, 2.

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi




104

**AmaHeberu 9:11, 12, 24**
**Futhi: Kepha lokhu uKristu esefikile enguMpristi oMkhulu...**



105

**Wangena kanye kuphela endaweni engcwele, ...ngegazi laKhe,**




106

**ezuzile ukukhululwa okuphakade...**




107

**Ngokuba uKristu kangenanga endaweni engcwele eyenziwe ngezandla,**




108

**engumfanekiso waleyo okuyiyo ngempela, kepha wangena ezulwini uqobo,**



109

**ukuba manje abonakale ebusweni bukaNkulunkulu ngenxa yethu...**
**KumaHeberu 9:11, 12, 24.**
**Ukufa kukaKristu eKalvari kwasenzela intethelelo ephelele yezono zethu.**



110

**...Ngakhoke unamandla okusindisa ngokupheleleyo abeza kuNkulunkulu ngaYe,**

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



111

lokhu ephilela njalo ukubamela.
KumaHeberu 7:25.
Ithempeli noma ithabarnekeli langempela lisezulwini. Konke okwenzeka emhlabeni kungumfanekiso walokho okwenzeka kulo icebo losindiso.
UJesu yiWundlu elafayo. UJesu unguMpristi ophilayo. UJesu unguMpristi oMkhulu.
Njengoba umpristi omkhulu kwaIsrayeli wayengena kanye ngonyaka endaweni eNgcwele-ngcwele, kanjalo uJesu ekupheleni kwesikhathi wangena kwiNgcwele-ngcwele ukwenza umsebenzi waKhe wokwahlulela.



112

Ekwahlulelweni, ukuthi solichithaphi iphakade, kwencike ekuthini bunjani ubudlelwane bethu noKristu.
UKristu ulangazelele ukusisindisa.
Wenza konke okusemandleni aKhe ukusisindisa. Uthi: Ngalokho-ke yilowo nalowo oyakungivuma phambi kwabantu,



113

nami ngiyakumvuma phambi kukaBaba osezulwini.



114

Kepha lowo oyakungiphika phambi kwabantu, nami ngiyakumphika phambi kukaBaba osezulwini.
Mathewu 10:32, 33.


115

Uyabona, asikho isidingo sokuba ume wedwa ekwahlulelweni!
Uma simvuma uKristu, uzosivuma ngaphambi kukaYise.
Uma singabakaKristu, ungummeli wethu. Siyokuma phambi kukaNkulunkulu ngoJesu sengathi asikaze sone.

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi


116

Umlando wethu uyotshengisa kuphela impilo enhle yoMsindisi wethu, thina sithole ubumsulwa baKhe. Ngakhoke sihlobo, asikho isidingo sokwesaba ukwahlulelwa uma umthanda uJesu, umlandela ngenhliziyo yakho nangomphefumulo wakho wonke. UJesu uyokuncengela ngegazi laKhe elachitheka ukuze kugezwe zonke izono ezivunyiwe.  UJohane uthi:



117

1 Johane 1:7
Negazi likaJesu iNdodana yaKhe liyasihlambulula ezonweni zonke. 1 Johane 1:7



118

(Video: 13 sec) Siphila ezinsukwini zokugcina zomhlaba.
Ukwahlulela bekusolokhu kuqhubeka esigcawini sasezulwini kusukela ngo 1844.




119

(Video: iyaqhutshwa) Akungatshazwa, ukwahlulela kwaqala ngoAbela, umuntu wokuqala olungile owafa kulomhlaba.



120

1 Petru 4:17
UPetru wathi:   Ngokuba sekuyisikhathi sokuba ukwahlulela kuqale endlini kaNkulunkulu...
1 Petru 4:17
Ngamanye amazwi, ukwahlulela kuqala ngalabo abazibiza ngabantwana bakaNkulunkulu.


121

Singambona-nje uAbela ngamehlo engqondo esesigcawini sasezulwini.
Uma icala lakhe libizwa, uNkulunkulu ubona impilo kaAbela, nanko umlando wokwamukela kwakhe ukufa kweWundlu likaNkulunkulu.


122

Esinye sezenzo zokugcina zikaAbela ezibhalwe eBhayibhelini, umhlatshelo wakhe owawubonisa ukukholwa kuMsindisi ozayo.
Impilo kaKristu ibalelwa kuyena.
Izono zakhe zonke zigezwe ngegazi likaKristu.

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



123

Ungaqiniseka ukuthi uJesu, ummeli kaAbela, welula izandla zaKhe ezinamanxeba wathi: Igazi laMi, Baba, lakhokhela icala lika Abela.
Sengathi siyazizwa lezo zingelosi ezingenakubalwa zijabula ngesikhathi uJesu ethi: Igama lika Abela malibhalwe encwadini yokuphila!
Futhi igama lakhe lisekhona lapho namanje!
Njengoba wethembisa uJesu:




124

Isambulo 3:5
Onqobayo uyakwembathiswa kanjalo izingubo ezimhlophe,



125

negama lakhe angisoze ngalesula encwadini yokuphila.



126

negama lakhe ngiyakulivuma phambi kukaBaba naphambi kwezingelosi zaKhe.
Isambulo 3:5.


127

Ngaphandle kokungabaza, negama likaJudasi selike lavela esigcawini sasezulwini.
UJudasi wayekade engumlandeli kaKristu - engomunye wabafundi.
Wayengemubi kangako, kodwa impilo yakhe yayingatshengisi lokho akukhuluma ngomlomo.
Wayengamthandi ngenhliziyo yakhe yonke uKristu.


128

Ngezinye izikhathi wayedonseleka kuKristu, kodwa isono esisodwa saholela kwesinye, kwaze kwafika lapho ethengisa khona ngeNkosi yakhe ngezingcezu ezingamashumi amathathu esiliva!
Ukusuka lapho, wazilengisa!


# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi


129

UJesu wayemthanda uJudas. Waze waguqa wamgeza izinyawo ezinothuli ngalobo busuku besidlo sokugcina! UJesu wayethemba ukuthi izothinteka leyo nhliziyo ezikhukhumezile.
Wayefuna ukuba ummeli wakhe ngelanga lokwahlulela,


130

kodwa uJudas wakufulathela konke lokho.
Sicabanga ukuthi kwamdabukisa kakhulu uJesu lapho esefika egameni likaJudas ekwahluleleni.
Okwethu ukulunga ngeke kusebenze ngosuku lokwahlulela.
Lalela:




131

Isaya 64:6.
Sonke saba njengongcolileyo, nokulunga kwethu konke kwakunjengengubo enindiweyo...Isaya 64:6.


132

Yilabo kuphela ababeka uKristu kuqala empilweni yabo abangagqoka ingubo yokulunga.
Ngaphandle kwalokho, akekho umuntu oyothethwa yicala ekwahlulelweni.
Kanjalo-ke igama likaJudas lisuliwe encwadini yokuphila.


133

Siphila esikhathini esibucayi.
NjengamaIsrayeli, sidinga ukubukisisa impilo yethu.
Sidinga ukuvuselela ukuzinikela kwethu kuJesu njengoba kuyiyona ndlela kuphela yokulungisela isamanisi elisibizela esigcawini.
Masinyane, uzovalwa umusa wabantu, kuphume izwi elithi:

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



134

**Isaya 64:6.**
**Ongalungile makenze njalo ukungalungi...olungileyo makenze njalo ukulunga.**
**Isambulo 22:11.**
**Ngalesosikhathi, umusa nentethelelo uNkulunkulu akade eyiphe umuntu iyobe isihoxisiwe.**
**Okuyiwona mazwi adabukisayo emlandweni womuntu kuyokuba amazwi alabo abakade bengenzi isinqumo ngosindiso - abangamamukelanga uKristu njengeNkosi noMmeli wabo.**



135

**Jeremiya 8:20**
**Bayokuthi:  Ukuvuna kudlulile, ihlobo liphelile, kepha thina asisindiswanga!**
**Jeremiya 8:20.**
**Kanjalo uJesu uyobuya lapha emhlabeni, njengoba sifunda lamazwi:**



136

**Isambulo 22:12**
**Bheka, ngiyeza masinyane, nomvuzo waMi unaMi ukumnika yilowo nalowo njengokomsebenzi wakhe.**
**Isambulo 22:12**


137

**Sihlobo, uJesu ulangazelele ukuba uMmeli wakho ekwahluleleni!**
**Ulangazelela ukuthi wamukele umnikelo awenza eKalvari.**
**Ufisa ukuba uvume izono zakho kuYena ukuze azesule.**
**Ufisa ukuba igama lakho libhalwe encwadini yokuphila.**
**UJohane uchaza kanje labo abayongena, nabangayikungena umzini ongcwele:**



138

**Isambulo 21:27**
**Akusoze kwangena-lutho olungcolileyo, nowenza amanyala namanga,**



139

**kuphela abalotshiwe encwadini yokuphila yeWundlu.**
**Isambulo 21:27.**

# 9 - Ukubhekana Nokwahlulelwa Ngesibindi



140

**Ungathanda yini ukuvulela uJesu inhliziyo yakho khona manje? Ungathanda yini ukuba akhiphe empilweni yakho yonke into engakuvimbela ukuba ungene embusweni waKhe? Ekwahluleleni uNkulunkulu uyokwembula yonke into ngathi. Yonke into iyokwembulwa. Zonke izono zethu zibhaliwe. Ungathanda ukuba izono zakho zesulwe ngegazi likaJesu? Ungathanda ukuba uKristu asukume athi: Yebo, lomuntu ungomunye wabaMi.**
**Ngimxolele izono zakhe. Ngilicimile icala lakhe. Izono zakhe zigezwe ngegazi laMi. Mazesulwe kwaphakade ezincwadini. UJesu ungasesihlalweni sobukhosi sezulu ekwahlulelweni njengoMsindisi wakho.**
**Khona manje! Ngalomzuzu! Ungeza yini kuYena? Uzomnika yini impilo yakho yonke? Kungani ungaphakamiseli isandla sakho ezulwini khona manje njengoba sithandaza, uthi: Yebo, Nkosi. Thatha ukuphila kwami. Ngifuna ukuba owakho.**



1

**Ukhona Umehluko Okuwenzayo Na?**



2

**Uyabona kodwa indlela ubugebengu obanda ngayo emadolobheni emhlabeni wonke? Kubonakala ngezindlela ezethusayo.**


3

**Indoda yangena emahhovisi amaphoyisa ngelinye ilanga ithukuthele. Umuntu othile wayegqekeze endlini yayo, wantshontsha okuningi okuyigugu. Wayembonile kancane umgqekezi, wanxusa amaphoyisa ukuba enze okuthile ngalokho. Isikhulu samaphoyisa sahola lendoda baya lapho kwaku nezincwadi eziningi. Sayilekelela lendoda ukuphenya izincwadi kubukwa izithombe zabantu abaziwa ngokugqekeza, ukuze bafanise lowo oyintshontshele.**


4

**Kusenjalo, isikhulu sathi: Ake ume kancane. Sabeka isandla ekhasini limbe, sabukisisa - amehlo esuka esithombeni aye kulendoda, aphinde abuyele emuva. Uwena lona! kumemeza iphoyisa, futhi lapha kubhalwe ukuthi uyafunwa! Kwadaluleka ukuthi lendoda eyayifike ithukuthele, eyayigulukudele emahhovisi ifuna kwenziwe ubulungiswa, yagcina isizikhomba yona njengesigebengu esifunwayo!**



5

**Ubugebengu nodlame kwandile, ngisho nalapho ungakulindele khona. Emsebenzini, amafektri, emalokishini, emadolobheni.**

10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?


6

**Kwamanye amazwe izibhelu nobugebengu yizinto ezivamile. Imigwaqo ayiphephile.**
**Ukusocongwa, ukudunwa kwezimoto, ukukhuthuza, ukudlwengula, ukugqekeza, ukukhwabanisa nenkohlakalo kohulumeni yizinto ezibikwa imihla namalanga emhlabeni wonke.**
**Kungani kwande ubugebengu na?**
**Kugqugquzelwa yini lokhu kwanda kokungalaleli umthetho na?**
**Kwenzekani emhlabeni?**



7

**Emazweni aphesheya, namanye amazwe anothile, sekuvele isizukulwane esisha sentsha - intsha ebuza imibuzo, engamukeli kalula lokho ekutshelwayo. UNkulunkulu unxusa abazali ukuba babe yisibonelo esihle ezinganeni.**


8

**Obaba abathembekanga emisebenzini nasekuthumeleni intela kahulumeni, omama bafuna ukuhushula izisu, kanti nabo abashadile bayakhohlisana.**


9

**Izingane ziyayibona yonke lento!**
**Amakhaya abhidlikile ashiya izibazi ezimbi!**
**Ubani ozonikeza iziyalo ngokulungile nokungalungile uma abazali bengakwazi noma bengafuni?**
**Impela, abazali abanakho ukuyekela lomsebenzi ongaka ezikoleni!**
**Izikole eziningi azikufundisi ukuphila kobuqotho.**
**Kubonakala sengathi abantu abaningi bathi abasazidingi iziyalo zeBhayibheli zobuqotho!**



10

**Ngisho namanye amabandla namuhla afundisa ukuthi okumiswe uNkulunkulu maqondana nokulungile nokungalungile, akusasebenzi.**



11

**Bathi imiyalo yaKhe seyapheliswa,**




12

noma ayisahambisani nesikhathi samanje,




13

noma ilukhuni.



14

Umphumela ukuthi abantu abaningi bazenzela okwabo - kanjaloke umphakathi uvuna isivuno esikhulu samakhaya ahlukene, izingane ezingalaleli, kanye nobugebengu.





15

Hoseya 8:7
Ngokwamazwi kaHoseya umprofethi:  bahlwanyele umoya, bayakuvuna isivunguvungu.



16

Kodwa umbuzo nanku:  Ubani onelungelo lokusho ukuthi lokhu kulungile, lokhu akulungile?
Izikhathi eziningi ngisho nemibono yabantu abalungile ike iphambuke.
Uma kungekho isimiso sokulungile nokungalungile okungesona esethu, singemukela noma yini.




17

Izaga 16:25.
Kodwa iBhayibheli liyasikhumbuza ukuthi asibona abahluleli abahle balokho okulungile nokungalungile: Kukhona indlela eqondile phambi komuntu, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa.  Izaga 16:25.




18

2 Thimothewu 4:3, 4
Umpostoli uPawulu washo ngaphambili ukuthi:
Ngokuba kuyakuba khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo, kepha ngokwezinkanuko zabo bayakuzibuthela abafundisi

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?



19

njengokubatshwa kwezindlebe zabo.




20

Bafulathelise izindlebe zabo eqinisweni, baphambukele ezinganekwaneni.
2 Thimothewu 4:3, 4.



21

Yebo, kuyadabukisa ukusho ukuthi asitholi inkululeko ngokulahla imithetho!
Ake ususe-nje isimiso sokulungile nokungalungile, kuzolandela ukwephulwa komthetho.



22

Ukuba bewungasusa zonke izimpawu zokukhomba indlela, kungaba khona isiphithiphithi emigaqweni.



23

Ithini imithetho?
Singakwazi yini okufanelekile nokungafanelekile?


24

Kudala-dala, uNkulunkulu wasinika indlela yokwakha umphakathi ongenabugebengu.
Ukuba leyondlela yayilandelwe, ngabe abuzange kwaba khona ubugebengu!
Wonke umuntu ngabe uphephile futhi uyajabula noma kuphi emhlabeni.



25

Eksodusi 20:2.
Nxashane abakwaIsrayeli bemise eSinayi, uNkulunkulu wehlela phansi ukuze ahlangane nabo wathi: NginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.
Eksodusi 20:2.



26

**(Video: 6 sec) Okokuqala, uNkulunkulu uyazichaza njengalowo owabakhulula ebugqilini.**
**UYena owavula ulwandle olubomvu phambi kwabo; Wayengumvikeli wabo.**
**Ngamanye amazwi, wayethi: Ngiyaninakekela. Ningangethemba.**



27

**Wase ebanika umthetho waKhe ongcwele ukuze bakwazi ukuphila ngokuthula nokuphepha - ukuze bakwazi okufanelekile nokungafanelekile.**



28

**Ake sibuke ngokushesha uhla lwemiYalo eyiShumi eyanikwa entabeni yaseSinayi:**
**(ImiYalo eyiShumi etholakala kuEksodusi 20)**
**Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwaMi...**



29

**Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo...ungazikhothameli, ungazikhonzi...**



30

**Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho...**



31

**Khumbula usuku lweSabatha, ulungcwelise. Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza...kepha usuku lwesikhombisa luyiSabatha likaJehova uNkulunkulu wakho...**



32

**Yazisa uyihlo nonyoko...**

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?



33

**Ungabulali.**



34

**Ungaphingi.**



35

**Ungebi.**




36

**Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.**



37

**Ungafisi indlu yomakhelwane wakho; ungafisi umfazi womakhelwane wakho, nenceku yakhe,**



38

**nencekukazi yakhe, nenkabi yakhe, nembongolo yakhe, nokunye okomakhelwane wakho. Eksodusi 20:3 - 17.**



39

**(Video: 10 sec) Njengoba abakwaIsrayeli babelalele lamazwi, bathinteka kakhulu.**
**Bathi bazimisele ukuyenza leyontando kaNkulunkulu!**


40

**Kodwa-ke, njengoba ebazi abantu ukuthi bayakhohlwa, uNkulunkulu wabhala yonke lemiYalo eyiShumi ematsheni ngomunwe waKhe.**

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?



41

**Eksodusi 31:18**
**Eseqedile ukukhuluma noMose entabeni yaseSinayi**



42

**Wamnika izibhebhe zombili zobufakazi,**



43


**Eksodusi 31:18**
**izibhebhe zamatshe, zilotshiwe ngomunwe kaNkulunkulu.**


44

**Noma wayeqala uNkulunkulul ukunikeza ngomthetho waKhe obhaliwe, wawuvele ukhona kusukela kwaphakade.**
**Kudala, kungakakhulunywa nangeSinayi, noma ngaphambi kokubakhona kukaAdamu noEva, lesimiso saphakade esingaguquki, sokwazi okulungileyo, sasiyisisekelo sombuso kaNkulunkulu ezulwini.**


45

**Empeleni, nezingelosi uqobo, zazingaphansi kwemiyalo kaNkulunkulu.**
**Zazinelungelo lokukhetha phakathi kokulandela umthetho kaNkulunkulu, noma ukungawunaki.**


46

**USathane nezingelosi zakhe bakhetha ukuzenzela eyabo into, benze eyabo imithetho.**
**Lokhu kuhlubuka kwaholela ekuxoshweni kwabo ezulwini.**



47

**ISambulo 12:7 - 9**
**IBhayibheli lithi: Kwase kuba khona ukulwa ezulwini; uMikayeli nezingelosi zaKhe balwa nodrako. Nodrako walwa enezingelosi zakhe,**

10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?



48

Kepha kabaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunyanwa ezulwini.



49

Wayesephonswa phansi udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke,



50

waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye.
Isambulo 12:7 - 9.
Kodwa kwakukhona izingelosi ezakhetha ukulandela uNkulunkulu, zihlale zethembekile emthetheweni waKhe.



51


IHubo 103:20.
Bongani uJehova nina-zingelosi zaKhe, nina-maqhawe anamandla enenza okwezwi laKhe...
IHubo 103:20.


52

U Adamu no Eva babewazi umthetho kaNkulunkulu e Edeni, ngoba bafikelwa amahloni nonembeza ngemuva kokwenza isono.


53

NoKayini, wathukuthela ngoba uNkulunkulu wemukela umhlatshelo ka Abela, wawala owakhe.
UNkulunkulu wambuza wathi:



54


Genesise 4:6, 7
Uthukuthelelani na?  Kungani ubuso bakho bunyukumele?

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?




55

**Angithi uma wenza kahle, uyamukeleka na? Uma ungenzi kahle, isono sihlezi ngasemnyango. Genesise 4:6, 7.**
**Kusobala ukuthi umthetho kaNkulunkulu wawusebenza ngaleso sikhathi, ngoba sizwa ukuthi**




56

**KwabaseRoma 4:15.**
**Lapho kungekho khona umthetho, akukho nakweqa. KwabaseRoma 4:15.**




57

**Isichazi mazwi sikaWebster sithi: Ukweqa kusho ukwephula umthetho, noma ubudedengu emsebenzini; isono.**




58

**U Abrahama wayewazi futhi ewuhlonipha umthetho kaNkulunkulu kudala, ungekamenyezelwa naseSinayi.**




59

**Genesise 26:5**
**UNkulunkulu wathi uzombusisa uAbrahama nenzalo yakhe ngoba: uAbrahama walalela izwi laMi, wagcina ukusho kwaMi, nemiyalo yaMi, nezimiso zaMi, nemithetho yaMi.**
**Genesise 26:5**



60

**Yebo, kudala, ngaphambi kweSinayi, unembeza omhlophe kaJosefa wenza ukuthi anqobe isilingo somka Potifaro ngokuthi**




61

**Genesise 39:9.**
**...Inkosi yami ayingigodlelanga lutho ngaphandle kwakho ngokuba ungumkayo.**

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?



62

**Pho, ngingenza kanjani lobobubi obungaka, ngone kuNkulunkulu na?
Genesise 39:9.**


63

**UJosefa wayazi ukuthi ukuphinga kuyisono; wayesazi isimiso sikaNkulunkulu sokuhle nokubi. Wayezimisele ukuthi ngeke eqe umthetho kaNkulunkulu ongcwele!**




64

**(Video: 4 sec) Abakwa Israyeli babeyaliwe ukukhonza uNkulunkulu, bamlalele; kodwa ebugqilini babo eGibithe, bakhohlwa umthetho kaNkulunkulu.**


65

**Ngemuva kokuphuma eGibithe, amaviki ambalwa-nje bengakafiki eSinayi, uNkulunkulu wathethisa uMose ngoba amaIsrayeli ayeqa umthetho waKhe ngokuzama ukubutha imana ngeSabatha.**



66

**Eksodusi 16:28, 30
UJehova wathi kuMose: Niyakwala kuze kube nini ukugcina imiyalo yaMi nemithetho yaMi na?**




67

**Base bephumula-ke abantu ngosuku lwesikhombisa.
Eksodusi 16:28, 30:
Uyabonake, umyalo wesine wawugcinwa kungakafikwa naseSinayi.**


68

**Yebo, umthetho kaNkulunkulu yisimiso saphakade sokulungileyo somhlaba wonke.
Pho, kungasimangalisa kanjani ukuthi uNkulunkulu unomthetho osebenza embusweni waKhe na?**



69

**1 Korinte 14:33, 40
Umpostoli uPawulu wathi: Ngokuba uNkulunkulu kasiye owesiyaluyalu...**

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?




70

Kepha konke makwenziwe ngemfanelo nangenhlelo. 1 KwabaseKorinte 14:33, 40.


71

Akekho uhulumeni onohlelo ongabusa ngaphandle kwemithetho. Awukho umphakathi onokuzwana, ojabule, ophephile, ongasebenza ngaphandle kwemithetho.
Indalo nayo inemithetho; nabantwana abakwazi ukudlala bengenamithetho!




72

AmaRoma 2:13
IBhayibheli lithi: Ngokuba akusibo abezwayo umthetho abangabalungile phambi kukaNkulunkulu,



73

kepha abenzayo umthetho yibona abayakulungisiswa. KwabaseRoma 2:13.
Uyabona, akusikho-nje ukuthi kubalulekile ukwazi imiyalo kaNkulunkulu, kufuneka siyenze.



74

Johane 14:15.
UJesu wathi: Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yaMi. Johane 14:15.
Empeleni uJesu, ecaphuna eTestamenteni eliDala, watshengisa ukuthi uthando yisona sisusa sokugcinwa kwayo yonke imiyalo.



75

Mathewu 22:37 - 40
Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho.



76

Yilowo umyalo omkhulu nowokuqala.

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?




77

UJesu wase ethi: Owesibili ofana nawo uthi: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.



78

Kuleyomiyalo emibili kubambelela umthetho wonke nabaprofethi.
Mathewu 22:37 - 40.


79

Uma ngempela simthanda uNkulunkulu ngezinhliziyo zethu zonke, nezingqondo zethu zonke nangemiphefumulo yethu yonke



80

sizolubonakalisa lolothando ngokugcina imiyalo emine yokuqala:




81

UNkulunkulu ozokuba owokuqala empilweni yethu




82

Sizokhonza Yena yedwa



83

Sizohlonipha singcwelise igama laKhe elingcwele



84

Sizoshisekela ukugcina isivumelwano sethu naYe iSabatha ngalinye



85

Futhi uma sithanda abanye abantu ngempela njengoba sizithanda thina, nakanjani sizo:



86

Sihloniphe abazali bethu




87

Sihloniphe impilo



88

Silondoloze ubuqotho besimilo




89

Sihloniphe okungokwabanye abantu



90

Sithembeke ebudlelwaneni bethu nabanye



91

Singafisi okwabanye


92

Ilinganiselwa ezigidini ezingu 35 imithetho eseyake yenziwa abantu ukulawula ukuziphatha

10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?


93

Kodwa emiYalweni eyiShumi, uNkulunkulu wabhala konke okuthintene nokuziphatha.
UNkulunkulu kuphela owayengabhala umthetho ophelele kanjalo.  Lithi iBhayibheli:



94

Umthetho kaJehova uphelele, uvusa umphefumulo...
IHubo 19:7.




95

IHubo 19:11
Oyigcinayo uyakuba nomvuzo omkhulu.
IHubo 19:11



96

Isazi kwezenkolo, uAugust Strong wathi:  Umthetho uyisithombe sesimilo sikaNkulunkulu.



97

Kulezinsuku singathi:  ImiYalo eyiShumi iyisithombe sesimilo sikaNkulunkulu - isimilo esingenakuguquka!


98

Uyabona, noma yikuphi ukuguqulwa komthetho kaNkulunkulu kungawenza ungabe usaphelela.
Njengoba uphelele, ngeke uguqulwe.



99

Luka 16:17.
Yilelo iqiniso alisho uJesu mhla ethi:Kepha kulula ukuba kudlule izulu nomhlaba kunokuba kuwe ibalana elilodwa lomthetho.
Luka 16:17.


100

Ungase uthi:  Ngibona sengathi imiYalo eyiShumi ivimbela intokozo yami - iyangigqilaza.
Akuzange kube yinjongo kaNkulunkulu ukuba umthetho waKhe ube umthwalo noma uvimbele injabulo yomuntu.


101

Kunalokho, uNkulunkulu wayehlose ukuwenza uthango oluzosivekela osizini nasekulahlweni unembeza.
Wayehlose ukuthi umthetho waKhe ube yisiqiniseko senkululeko nokuphepha kwabo bonke abantu.



102

Duteronomi 5:29
UNkulunkulu wathi:  Sengathi kungaba khona kubo inhliziyo enjalo ukuba bangesabe, bagcine njalo yonke imiyalelo yaMi,



103

kube kuhle kubo nakubantwana babo kuze kubephakade.
Duteronomi 5:29.


104

Njengoba kufakwa izinsimbi emaceleni ebhuloho nasemigaqweni egudla izintaba ukuze zisivikele engozini, kanjalo uNkulunkulu wasinika umthetho waKhe ukusivikela kulendlela yokuphila.



105

KwabaseRoma 3:20.
Kukhona esinye isizathu uNkulunkulu anika ngaso umuntu umthetho waKhe:  ...Ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono.  KwabaseRoma 3:20.



106

Njengoba uPawulu wathi:  ...Bengingasazanga isono, uma bekungengomthetho.

10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?



107


**Ngokuba ukufisa bengingakwazanga, uma umthetho ubungashongo ukuthi: Ungafisi. KwabaseRoma 7:7.**


108

**Kukhona indaba ngenkosazana ethile eyayitshelwa njalo ukuthi yinhle ngokubabazekayo.**
**Kodwa ngelinye ilanga kwafika umthengisi endaweni yakubo, wayithengisela isibuko.**
**Kuthe uma izibuka esibukweni, yethuka ukubona ukuthi kanti injani, yaphahlaza leso sibuko !**


109

**Umthetho kaNkulunkulu ufana nesibuko. Uma sizibuka kuwona, njengaleyo nkosazana kungenzeka singathokozi ngalokho esikubonayo,**


110

**kodwa ukuphahlaza umthetho noma ukungawulaleli ngeke kuguqule isimo sethu.**


111

**Umthetho ukhomba izono zethu!**
**Uyisiqondiso esisiza ukuba siphile impilo yenjabulo, engalahlwa-nembeza, uma silandela iziyalo zikaNkulunkulu ezisemthethweni waKhe.**


112

**Umthetho awukwazi ukusinika amandla okunqoba isono noma ukususa icala.**
**Ayikho imisebenzi emihle esingayenza ukuze kususwe izono esike sazenza esikhathini esedlule.**
**Pho, singakuthola kanjani ukuthethelelwa na?**
**Singasiphepha kanjani isijeziso sokweqa umthetho, ukufa phela?**


113


Khona lapho emasangweni asensimini yase Edeni, uNkulunkulu wakhumbuza abantu ukuthi ukungalaleli kuletha ukufa - kungaba okwalowo ongalalelanga, noma okumunye ongenacala.
Iwundlu lalinikelwa njengesenzo esitshengisa ukuthi umuntu owonile uyakholwa kulo icebo likaNkulunkulu lokusindisa abantu.


114

Lena kwakuyindlela kaNkulunkulu yokusiza uAdamu ukuze abone ukuthi iNdodana kaNkulunkulu engenacala iyokufa kanjani ukuze kweneliswe lokho okufunwa umthetho oweqiwe.
UKristu, iWundlu likaNkulunkulu, wayezothwala isijeziso somuntu, afe ukufa komuntu.



115

Uyabona, umthetho awusindisi muntu esonweni.



116

Galathiya 3:21
Umpostoli uPawulu wathi: Ngokuba uma wawunikiwe umthetho onamandla okuphilisa,



117

ngempela ukulungisiswa ngakuya ngomthetho. KwabaseGalathiya 3:21.
Akusiwona umthetho oletha intethelelo nosindiso - kodwa umusa kaNkulunkulu!
Kungomnikelo kaKristu kuphela lapho sithola khona ukuphila okuphakade.



118

KwabaseRoma 6:23.
Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.
KwabaseRoma 6:23.
Ukusindiswa ngeke ukuthole ngokugcina umthetho:

10 - SEKWAYAPHI UKWEHLUKANISA PHAKATHI KOKULUNGILE NOKUBI?

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?



119

**Efesu 2:8, 9**
**Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu,**



120

**akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo. Kwabase-Efesu 2:8, 9**


121

**Uma sisindiswa ngomusa, pho, sikhululekile yini ukuphila impilo yokuzenzela umathanda? QHA NAKANYE!**



122

**AmaRoma 6:1, 2**
**UPawulu wabhala wathi: Ngakho siyakuthini na? Sihlale esonweni, ukuze kuvame umusa na?**



123

**Qha nakanye. Thina esafa maqondana nesono singabuye sihambe kanjani kuso na? KwabaseRoma 6:1, 2.**
**Usindiso luphiwa labo abafuna ukusindiswa ezonweni, abafuna ukuba yinxenye yombuso kaNkulunkulu.**



124

**Kukhona labo abathi umthetho kaNkulunkulu sewachithwa. Ake ucabange ngakho lokhu umzuzwana.**



125

**Uma kungekho mthetho, akukho sono, ngoba isono singukweqa umthetho.**



126

**Uma kungekho umthetho, asiwudingi umusa, njengoba umusa yindlela uNkulunkulu asebenza ngayo uma seqe umthetho waKhe.**



127

**Uma singawudingi umusa, asisidingi nesiphambano.**



128

**Uma singekho isidingo sesiphambano, kanjalo asimdingi uMsindisi.**
**Uma uphika umthetho, uphika...isono, isiphambano, noMsindisi.**
**Simdinga kakhulu uMsindisi owafa esiphambanweni ukusisindisa ngomusa waKhe ukuze kuhlawulwe icala lesono, ngoba seqe umthetho waKhe.  Yilona-ke ivangeli leli.  Umusa awuchithi umthetho kaNkulunkulu.**
**Umusa kaNkulunkulu, usenza sifise ukugcina umthetho waKhe.**


129


**Uma isiboshwa esilindele ukulengiswa**


130

**sithola ukuxolelwa, sikhululwe, ngabe lokho kusho ukuthi sesikhululekile ukuziphilela umathanda? Ukuzenzela noma yini?  Akunjalo!**


131

**Njengoba lomuntu exolelwe, kufanele asibone nangaphezulu isidingo sokugcina umthetho wezwe.**



132

**Nakho okubaluleke kakhulu.  Umthetho kaNkulunkulu uveza isono sethu, wenze ukuthi sibone isidingo soMsindisi.**
**Uma samukela uKristu njengoMsindisi wethu neNkosi yethu, usipha ukuthethelelwa kanye namandla okugcina imiyalo yaKhe.  Uthembisile:**

10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?



133

KumaHeberu 8:10.
...Ngiyakufaka imithetho yaMi engqondweni yabo, ngiyilobe ezinhliziyweni zabo...
KumaHeberu 8:10.


134

Angithi kulula ukwenza into oyithandayo vele?
Yikho lokho uNkulunkulul akwethembisa kulabo abakhetha ukumlandela.
Uzobhala umthetho waKhe ezinhliziyweni zabo ukuze bathande ukuwugcina.



135

(Video: 8 sec) Iyona ndlela kuphela lena umuntu angakwazi ngayo ukulalela nokulandela uNkulunkulu.
Kwakungenxa yokuthanda kwaKhe uYise ukuthi uKristu waba nakho ukugcina imiyalo,



136

Johane 15:10
Njengalokho Mina ngigcinile imiyalo kaBaba, ngihlala othandweni lwaKhe.
Johane 15:10.



137

Johane 14:15.
UJesu uthi masitshengise uthando lwethu kuYena ngokugcina imiyalo yaKhe:  Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yaMi.
Johane 14:15.


138

Okuyiyona into enkulu kunazo zonke eyatshengisa uthando nokulalela intando kaNkulunkulu, yabonakala ngokusobala ngobunye ubusuku obubandayo, nobumnyama, ngaphansi kwesihlahla somnqumo, ensimini.
Amathonsi egazi econsa ebusweni beNdodana kaNkulunkulu ikhuleka,



139


**Mathewu 26:39.**
**Baba, uma kungenzeka, akudlule Kimi lesisitsha; nokho kungabi njengokuba ngithanda Mina kodwa njengokuba uthanda Wena.**
**Mathewu 26:39.**
**Ikusasa labantu bonke lalisengcupheni - umhlaba wawungasindiswa noma ubhujiswe.**


140

**Ngabe lomuntu waseGalile wayezodela ukuphila nokugcwaliseka kwezifiso zaKhe, afe eKalvari? Wayenakho ukwesula umjuluko ebunzini athi: Izoni mazithwale imiphumela yezono zazo.**


141

**Kungenjalo, wayezothwala isiphambano ngenxa yethu. Wakhetha lokho, wafela izono zethu. Wachitha igazi laKhe ukuze sithethelelwe. Wafa ukufa okwakufanele thina, ukuze siphile naYe kuze kube phakade .**




142


**Njengoba uKristu wakhokha inhlawulo yezono zethu, singathola ukuthethelelwa ngomnikelo waKhe khona manje.**


143

**Isiphambano esidala egqumeni laseKalvari siyisikhumbuzo saphakade sentengo uNkulunkulu ayezimisele ukuyikhokha ukwanelisa okufunwa umthetho oweqiwe ukuze kusindiswe umuntu onecala.**


144

**Uma umthetho kaNkulunkulu bewungachithwa, noma uguqulwe, kwakungeke kudingeke ukuthi uJesu afe. IKalvari yayingeke idingeke.**



145

**Kodwa uNkulunkulu wayengeke azizibe izono zomuntu onecala!**

10 - SEKWAYAPHI UKWEHLUKANISA PHAKATHI KOKULUNGILE NOKUBI?

# 10 - Sekwayaphi Ukwehlukanisa Phakathi Kokulungile Nokubi?



146

**Wayengeke aguqule umthetho.**



147

**Kanjalo isoni sasidinga uMsindisi.**
**Makabongwe uNkulunkulu ngothando lwaKhe olwenza ukuba avume ukunikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa ukuba ife esikhundleni sethu!**




148

**Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa**



149

**ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi,**
**kodwa abe nokuphila okuphakade.**
**Johane 3:16**


150

**Incwadi yeSambulo ichaza abantu abakulindele ukuhlangana noJesu ekubuyeni kwaKhe, abazoya naYe ekhaya bahlale khona ngunaphakade kulowomuzi wasezulwini.**



151

**Isambulo 14:12.**
**UNkulunkulu usho lokhu ngabo: Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu.**
**Isambulo 14:12.**



152

**Isambulo 14:14**
**Endimaneni ka 14, uNkulunkulu uthi: Ngase ngibona; bheka, nanto ifu elimhlophe, naphezu kwefu kuhlezi ofana neNdodana yomuntu**




153

enomqhele wegolide ekhanda laKhe nasesandleni saKhe enesikela elibukhali.
Lokhu ukuchazwa kokuza kweNkosi isizovuna umhlaba.


154

Kulesiprofetho esikhulu uJesu asinika uJohane encwadini yeSambulo maqondana nomlando webandla, uchaza insali yokugcina eyethembekile ebandleni likaNkulunkulu kulomhlaba kanje:



155

Isambulo 12:17
Udrako wamthukuthelela owesifazane, wamuka wayokulwa nabaseleyo benzalo yakhe,



156

labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu.
Isambulo 12:17


157

Lokhu kutholakala encwadini yokugcina yeBhayibheli!


158

Abantwana bakaNkulunkulu bamthanda uMdali noMsindisi wabo kangangoba bafuna ukwenza konke akushoyo.
Bafuna ukutshengisa uthando lwabo kuYena ngokwenza intando yaKhe.
Bayavuma ukuthi intando yaKhe isemthethweni waKhe.
Balalela lowo owenza okungaka, waze wabasindisa ezonweni zabo.
Ngezingalo ezivuliwe uJesu uyabiza uthi: Woza! Usasibiza!
Ufuna ukusipha amandla okumphilela.



159

**Isambulo 22:17**
**Ufuna ukugeza izono zethu.**
**Izwi laKhe elincengayo lisathi: Nowomileyo makeze; othandayo makathabathe amanzi okuphila ngesihle. Isambulo 22:17.**


160

**Umshumayeli wake wavakashela ikhaya elithile edolobheni elikhulu. Unkosikazi walelokhaya wayenomusa, kodwa waqinisa ngokuthi: Anginandaba nakancane nobuKristu noma iBhayibheli.**
**Kodwa uma ungabuya ngelinye ilanga, ungathola umyeni wami enomdlandla ngokwazi ngenkolo. Ngingafisa kakhulu ukuthi ubuye ukuze ubonane naye.**
**Umshumayeli wabuyela ngomunye umGqibelo kusihlwa.**
**Njengoba kwakungelona usuku lwakhe lomsebenzi, umyeni wayechithe intambama egembula nabangane ehhotela.**
**Wayekhulumela futhi kodwa engasho lutho olutheni; kubonakala ukuthi uphuzile.**
**Wayesethi: NgineBhayibheli. Ngifuna ulibone iBhayibheli lami. UMama walifaka ebhokisini lami mhla ngishiya ikhaya ngiyoshada.**
**Wamemeza umkakhe wathi: Liphi iBhayibheli lami, sithandwa?**
**Kwaqalwa ukuphengulula okwathatha isikhathi eside, kodwa ekugcineni kwaqhamuka incwadi yomthandazo. Akazange alithole iBhayibheli.**


161

Utshwala kwakungenye yezinkinga zakhe. Ukugembula nakho kwakuyilimaza lendoda, kanti futhi yayiphaquza ugwayi ngendlela ongazange uyibone. Lokhu, kuhlangene neminye imikhuba, kwase kuvule igebe phakathi kwakhe nomkakhe. Unkosikazi wayesebophe imithwalo yakhe , elindele ukubuyela kubo.
Kwase kuhleliwe nokuthi bazohlukana. Izinto zazibheda.
Kodwa enhliziyweni yalendoda kwakukhona ukulangazelela into engcono. Ngisho notshwala kwakungeke kukucime lokho kulangazelela.
Umshumayeli wenza isivumelwano sokubonana nalendoda futhi ngoMsombuluko kusihlwa, kwaba ukuqala kwezifundo zeBhayibheli kulelokhaya ngalolosuku.


162

Iviki ngeviki, njengoba izifundo zaziqhubeka, ukudonsa kwesiphambano kwaqala kwenza umsebenzi wakho. UKristu, ngoMoya waKhe, wayesengena kulelo khaya elinenswelo.
Kwakungubusuku obumangalisayo mhla lendoda ithi: Ake uhlale isikhathi esijana namuhla. Umkami usezolala. Singekhulume sodwa yini, wena nami njengamadoda?


163

Wase eqala indaba yempilo yakhe ebuhlungu eyayiqale kahle.  Wayezalelwe ekhaya lamaKristu, kodwa wavumela izinkanuko zolusha ukuthi zimbuse. Wayefana nenye indodana yolahleko, waya ezweni elikude.
Kungekudala, wakhohlwa ngesonto, iBhayibheli walishaya indiva.  Igama likaKristu wayelisebenzisa kuphela ekufungeni okuyize.
Wase ethi:  Nakhu engifisa ukukwazi, Mshumayeli: Wenzeni kimina?  Angizange ngibuthinte utshwala noma ngigembule kulamaviki amane adlule.  Futhi angizange ngifunge noma ngikhiphe inhlamba, noma ngithathe igama leNkosi ngeze kulamaviki amane. Waqhubeka, ephonsa isinqamu sikagwayi emlilweni wathi:  Ugwayi awusanambitheki kimina manje. Ngiyazi
sengizowuyeka.
Kodwa kukhona isimangaliso esingaphezu kwaleso. Unkosikazi uyiqaqile imithwalo yakhe.  Lokho ukwenze emasontweni amathathu edlule.
Ekuseni namuhla ungiphelezele wafika esangweni, wangivalelisa ngokungiqabula, okuyinto agcina eminyakeni eminingi ukuyenza.
Yebo ungiqabulile!  Ngethukile, Mfundisi, naye emangele  wamoyizela wathi:  Ngiyamthanda loJack omusha.
Ngitshele, kwenzekeni kimina na?  Ngiqinisekile kuthintene nezifundo zethu zeBhayibheli zangoMsobuluko.


164

**Umfundisi wathi: Akukho okwenziwe yimina, kodwa ngiyakholwa iBhayibheli lingayichaza yonke lento. Wavula kumaKorinte esibili, 5:17, waqala wafunda: Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha; okwakuqala kudlulile, bheka zonke izinto sezenziwe zaba zintsha.**
**Enensa, loJack omusha wazifundela yena lendimana. "Isidalwa esisha - uJack omusha! UJack omusha!" Mfundisi, uma ngingakutshela into ebengiyiyo, ngempela ngingu Jack omusha manje.**
**Yebo zihlobo, uJesu uyiNdodana engcwele kaNkulunkulu, futhi uYena kuphela onamandla okuguqula amadoda nabesifazane.**
**LoJesu ufuna ukuguqula neyakho impilo futhi. Ufuna ukukunika umusa namandla okugcina umthetho waKhe.**
**Ungazizwa ubuthakathaka, kodwa uJesu unamandla. Akukhathaleki ukuthi wenzani esikhathi esedlule, uJesu uzokuthethelela, akugeze . Uzokunika amandla aKhe ukuze uphile impilo entsha. Ungavumeli noma yini ikubambe.**
**UJesu uyabiza. Ukubizela ekhaya.**
**Ungathanda yini ukuguqa ngokuthula uthi: Nkosi, yebo, ngiyeza? Guqa khona manje. Unganaki omunye umuntu. Cabanga ngoJesu kuphela uma uguqa. Ithi: Yebo, Jesu, ngiyeza. Ngiyeza khona manje. Masithandaze.**

# 11 - Wadalelwa Okungcono



1

**Indlela Yokwenelisa Izifiso Zakho**


2

Kukhona indaba ngomcwaningi othile, uThomas Huxley, owafika ngemuva kwesikhathi edolobheni lapho kwakufuneka enze khona inkulumo. Wagibela itekisi (ngalezozinsuku ayedonswa ngamahashi) wase ememeza kumshayeli ethi: Ishaye izule!


3

Umshayeli waqhumisa isiswebhu, amahashi enqa, edonsa inqola ngesivinini esikhulu. U Huxley wanaba, ekhululekile esihlalweni sakhe okomzuzwana. Usephakama ngokumangala. Ubuza umshayeli "Ungabe uyazi yini ukuba ngiyaphi na?" "Cha mnumzane!. Engikwaziyo nje ukuba sihamba ngesivinini esikhulu."


4

Iningi labantu liyaphithizela liya le nalena. Kuningi okuqhubekayo empilweni. Lihamba ngesivinini esikhulu liqonde ndawothile. Iqiniso yikuthi abaningi abantu kabazi ukuthi bayaphi. Kabaqondi ukuthi impilo yabo iqonde kuphi na.


5

Yiso lesizathu esenza ukuba uNkulunkulu enze ubizo lwaKhe lokugcina encwadini yokugcina yeBhayibheli, iSambulo. Esahlukweni 14, indimana 7, umpostoli uJohane ubiza umhlaba olindele ukubuya kukaJesu ngalamazwi...



6

**ISambulo 14:7**
**...Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo, ngokuba ihora lokwahlulela kwaKhe selifikile;**

# 11 - Wadalelwa Okungcono



7

nikhuleke kuye owenza izulu nomhlaba nolwandle nemithombo yamanzi.
ISambulo 14:7.
Uma unebalazwe ledolobha lakini, uzama ukulilandela ngoba ufuna indawo ethile, kanti ibalazwe linephutha, kwenza umahluko lokho!


8

Kukhonzwe bani na? Makukhonzwe lowo owenza izulu nomhlaba. Makukhonzwe uMdali wazo zonke izinto. UNkulunkulu uyasimema ukuba sike sehlise isivinini, ukuze sibone kahle ukuthi siyaphi.
Uma siqonda ukuthi sadalwa nguNkulunkulu, lokho kusenza sazi ukuthi iyini injongo yokuba khona kwethu lapha nokuthi siyaphi.


9

Kodwa kulezinsuku abantu sebekhohliwe ukuthi uNkulunkulu unguMdali wamazulu nomhlaba nakho konke okunye, nabo bonke abantu abakhona emhlabeni.
Abanye abantu bathi ungalethemba iBhayibheli ngaphandle kokungabaza. Abanye bathi ngeke.
Ubani oneqiniso?



10

Namuhla izigidi zabantu zicabanga ukuthi sazivelela, singadalwanga. Zithi kwathatha izigidi zeminyaka ukuze kube khona ukuthuthuka nokukhula kwesicubu okuyisona esincane (cell) sibe yisilwanyana esihlala olwandle, naleso sithuthuke sibe esihlala emhlabeni owomile, ngaphambi kokuba umuntu.
Bacabanga ukuthi konke kwenzeka ngengozi.


11

Kodwa bewazi yini ukuthi uNkulunkulu wasinika uphawu olutshingisa ukuba kwaKhe uMdali?
Wasinika into ezohlala njalo isikhumbuza, iviki ngeviki ukuthi wasenza thina, nomhlaba, namazulu.
Uma liqinisile iBhayibheli, lonke ikusasa lakho laphakade lencike ekutheni uyalikholwa yini, noma cha.
Lokho okholwa yikho malunga neBhayibheli kwenza wonke umahluko kulokho okukholwayo ngoNkulunkulu.

# 11 - Wadalelwa Okungcono



12

Eqinisweni, wasinika lesikhumbuzo esifika masonto onke, mhla eqeda ukudala.
Kodwa cishe wonke umhlaba usukhohliwe ukuthi siyini leso sikhumbuzo.



13

(Video: 15 sec) Futhi ngaphandle kwaleso sikhumbuzo, abaningi sebekhohliwe ukuthi uNkulunkulu uYena owadala umhlaba.
Kungakho kulezikhathi zethu bethumela abantu enyangeni ukufuna ubufakazi bokuthi umhlaba waqala kanjani.


14

Sibuka kude emkhathini ngezipopolo ezinamandla, sifuna ubufakazi bokuthi amazulu aqala kanjani. Ngakhoke akesibheke lencwadi enkulu - iBhayibheli, elibizwa ngokuthi yiZwi likaNkulunkulu - sibone ukuthi singabuthola yini ubufakazi bokuthi liqinisile nama cha, ukuthi singalethemba, noma cha.


15

Kungani kwenziwa yonke lemizamo, kungenwa nasezindlekweni na? Kubonakalisa umdlandla wokufuna izimpendulo emibuzweni yethu enzima. Ngabe sisodwa kulendalo? Safika kanjani la? Kungani silapha na? Futhi, siyaphi? Siyabonake ukuthi imibuzo miningi. Kodwa izimpendulo ziphambi kwethu sonke isikhathi. Nokho, lomhlaba wakhohlwa - asisazi lapho sivela khona!



16

Kulomhlaba okhohliwe uNkulunkulu uthi:
Khumbula - khumbula ukuthi nginguMdali wakho.
Ukuze ukhumbule, ngikunike isibonakaliso - uphawu!




17

(Video: 5 sec) Kulezinsuku lapho kufundiswa khona imfundiso ephikisana nokudalwa, ethi savela ngengozi, uNkulunkulu uthi: Anivelanga esikhaleni - nganidala!

# 11 - Wadalelwa Okungcono



18

Abanye bangabuza ukuthi: Luyini lolophawu noma isibonakaliso esisikhumbuza ngokuthi uNkulunkulu wasidala na?
Usakhumbula lokho esakufunda ngalokho okwadalwa usuku ngalunye ngeviki lokudala?



19

IHubo 33:8, 9
Indalo iyamangalisa! Wakwenza kanjani lokho, futhi masinyane kangaka? IBhayibheli liyasinika impendulo: Umhlaba wonke mawumesabe uJehova; bonke abakhileyo ezweni mabathuthumele phambi kwaKhe.




20

Ngokuba wakhuluma, kwaba-khona; wayaleza, kwema khona.
IHubo 33:8, 9


21

Asingeqonde ukuthi wenza kanjani, kodwa uNkulunkulu wakwazi ukudala izinto ngezwi lomlomo waKhe . Izwi likaNkulunkulu, lomlomo, noma elibhalwe eBhayibhelini liyadala futhi linamandla! Ukuvumelana okunjena kungachwazwa kuphela ukuvuma ukuthi uNkulunkulu wasinika lencwadi ukuze akwazi ukusazisa intando yaKhe.



22

Genesise 2:1
Kwase kupheleliswa izulu nomhlaba kanye nombuthano wakho wonke.
Genesise 2:1


23

UMdali wadala umhlaba ngezinsuku eziyisithupha kuphela, wawugqokisa ngezihlahla nezimbali nemifula.


24

Wenza ukukhanya kwelanga, ukushona kwalo okuhle kanye nenyanga eyenza ubusuku bube buhle.

# 11 - Wadalelwa Okungcono



25

**Kodwa ngaphezu kwakho konke, wadala abantu ababili abahle. Ilungelo elingako, lokudalwa ngomfanekiso woMenzi wabo! Badalwa ukuba babe ngababusi phezu komhlaba nakho konke okukuwo!**



26

**Genesise 1:27**
**UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso waKhe; wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu...**
**Genesise 1:27.**


27

**Kodwa uNkulunkulu wayengakaqedi! Kwakusekhona okunye okukodwa ayefuna ukukwenza.**
**Qaphela kahle ukuthi iBhayibheli lithi kwenzekani ngosuku olulandelayo - usuku lwesikhombisa lwendalo.**




28

**Genesise 2:2 - 4**
**UNkulunkulu waqeda ngosuku lwesikhombisa imisebenzi yaKhe abeyenzile;**



29

**waphumula ngosuku lwesikhombisa emisebenzini yaKhe abeyenzile.**



30

**UNkulunkulu wabusisa usuku lwesikhombisa, walungcwelisa, ngokuba ngalolosuku waphumula emisebenzini yonke abeyidalile.**



31

**Lokhu kungumlando wokudalwa kwezulu nomhlaba ekudalweni kwakho...**
**Genesise 2:2 - 4.**

# 11 - Wadalelwa Okungcono




32

UNkulunkulu kuphela ongenza noma yini ibe ngcwele. IBhayibheli lithi walungcwelisa usuku lwesikhombisa.




33

Ukungcwelisa, kusho ukubekela eceleni okuthile ukuze kusetshenziselwe kuphela kokungcwele. U Nkulunkulu ukhethe usuku lweSabatha walubekela eceleni elenza laba ngcwele - lubekelwe yena kuphela.



34

Emshadweni, owesifazane oyedwa uyangcweliswa noma ubekelwa eceleni abe ngowendoda eyodwa. Ake sithi usuku lwakho lomshado. Uthokozile. Kudala ululindele lolusuku.



35

Asiphinde sithi futhi umakoti wakho unawodadewabo abayisithupha. Ngesikhathi senkonzo yomshado owesifazane oyedwa uhlanganiswa nendoda eyodwa. Ubekelwa eceleni. Akaseyena-nje noma yimuphi phakathi kwabayisikhombisa.
Usengongcwelisiwe. Unikelwe endodeni yakhe ngomshado.



36

Kungenzekani, uma ngemuva komshado, omunye wawodadewabo ethi: Kwenza mahluko muni? Noma yimuphi kwabayisikhombisa uyafana. Noma yimuphi kodadewabo ufana nomunye.
Ungathini? Ngabe kwenza umahluko?



37

Wena-ke, Nkosazana, kwenza umahluko kumakoti?
Yebo, nangempela!
Njengomkhwenyana ungathi: Umakoti wami wakhethwa, wangcwaliswa, wabekelwa eceleni, wanikelwa kimina!
Kanjalo uNkulunkulu wathatha usuku olunjengezinye, olunamahora angu 24, usuku lwesikhombisa, walukhetha, walungcwelisa, walubekela eceleni, wazinikelela lona.
ISabatha usuku olubusisiwe, lwangcwaliswa.
Ngokwezwi likaNkulunkulu, akulona noma yiluphi usuku, kodwa usuku lwesikhombisa.

# 11 - Wadalelwa Okungcono



38

Marko 2:27, 28
Nakhu okwashiwo uKristu: ISabatha lenzelwa umuntu, umuntu akenzelwanga iSabatha.



39

Ngokunjalo iNdodana yomuntu iyiNkosi neyeSabatha.
Marko 2:27, 28.


40

UNkulunkulu wasinika iSabatha ukuze sibe nesikhathi sokukhumbula ukuthi asizivelelanga.
UNkulunkulu wayedale umuntu nakho konke okusemhlabeni ngezinsuku eziyisithupha kuphela!
Lolusuku lwalufanele lube yisikhathi esingcwele lapho umuntu noMdali wakhe babezovuselela isifungo sabo sothando nokuzinikela iviki ngalinye.
Iviki ngalinye, umuntu kwakumele "akhumbule" ukuthi uNkulunkulu wenza izulu nomhlaba ngezinsuku eziyisithupha, waphumula ngolwesikhombisa.


41

UNkulunkulu wanxusa umuntu ukuba akhumbule ngesikhathi ebhala umthetho ngomunwe waKhe.
Umyalo wesine uphakathi nendawo kulowomthetho ongcwele kaNkulunkulu.
Watshela abantu ukuba "bakhumbule" lolusuku, ngoba ngezinsuku eziyisithupha wadala umhlaba, ulwandle nemithombo yamanzi.



42

Ukuba iSabatha laligcinwe njengesikhumbuzo sendalo, ngabe akekho umuntu ofundisa ukuthi yonke into yazivelela, ngabe akekho ongakholwa ophilayo namuhla.
Ngabe babekhunjuzwa masonto onke ngezimpande zabo nobudlelwane babo noMdali!
Ekwandeni kwesono emhlabeni, umuntu wakhohlwa ukuthi uvelaphi, ukuthi kungani elapha, nokuthi uyaphi.
Kuthe kwenzeka lokhu, wakhohlwa nokuthi kufanele aphile kanjani.

# 11 - Wadalelwa Okungcono



43

(Video: 10 sec)
Kuthe sekufika iminyaka yawoMose, abantu base becishe bakhohlwe konke ngoNkulunkulu wabo. Babezicwilise ekukhonzeni izithixo abazenzele zona!



44

(Video: 7 sec)
UNkulunkulu wabasindisa ngendlela emangalisayo ezitheni zabo, wabahola ehlane endleleni eya eZweni lesiThembiso.
Ehlane, wenza izinto ezimbili ukubatshengisa lokho ayefuna bakwenze maqondana neSabatha losuku lwesikhombisa ayebenzele lona ngeviki lokuqala lomlando walomhlaba.




45

Okokuqala, uNkulunkulu wabakhumbuza ukuthi uyabanakekela nokuthi uYena owayebakhiphe eGibhithe.
Babengakwazi ukuthwala ukudla okwanele. Kungekudala, baqala ukukhonona ngoba bebona imiphako yabo incipha.
Bazibonakalisa engabantu ababengenakho ukubonga ngezimangaliso nomusa uNkulunkulu ayebabonise wona, nokho uNkulunkulu womusa wabahlinzeka ngokudla!




46

Eksodusi 16:4, 5
UJehova wayesethi kuMose:  Bheka, ngizakuninisela isinkwa esivela ezulwini.



47

Abantu bayakuphuma, babuthe isabelo sosuku imihla ngemihla,



48

ukuze ngibavivinye ukuthi bazakuhamba yini emthethweni waMi noma qha.
Eksodusi 16:4
"Isinkwa" okukhulunywa ngaso lapha sibizwa ngokuthi yimana.

# 11 - Wadalelwa Okungcono





49

Kuzakuthi ngosuku lwesithupha bakulungise abakungenisileyo;



50

kuzakuba ngokuphindwe kabili kwalokhu abakubutha imihla ngemihla.
Eksodusi 16:5




51

OMose no-Aroni bathi kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli:




52

Ngakusihlwa niyakwazi ukuthi uJehova unikhiphile ezweni laseGibithe.
Eksodusi 16:6




53

(Video: 16 sec)
Imana yayifika ebusuku ngesikhathi sokulala kwamazolo. Ekuseni esomile amazolo, imana yayimboza umhlaba.
Abantu babephuma bayibuthe ngovivi, kuthi emini, leyo ebeyisasele, incibilike.
Kodwa akewume. Qaphela ukuthi kwakwenzekani ngosuku lwesithupha lweviki:



54

Eksodusi 16:21, 22
Bakubutha ekuseni njalo imihla ngemihla, kwaba yilowo nalowo muntu njengokudla kwakhe.



55

Kepha nxa ilanga selibalele, kwancibilika.

# 11 - Wadalelwa Okungcono




56

Kwathi ngosuku lwesithupha babutha isinkwa esiphindwe kabili, amayomere amabili kumuntu munye;



57

Zonke izinduna zomhlangano zafika zamtshela uMose.




58

Eksodusi 16:23
Wathi kuzo: Lokhu kuyikho uJehova akukhulumileyo: kusasa kulusuku lokuphumula, iSabatha elingcwele likaJehova.



59

Yosani lokho eniyakukosa, nipheke lokho eniyakukupheka, nizibekele konke okuseleye, kulondolozwe kuze kuse.
Eksodusi 16:21 - 23.



60

Eksodusi 16:25,26
Maqondana nosuku lwesikhombisa: Wayesethi uMose: Yidlani lokhu namuhla, ngokuba namuhla kuyiSabatha likaJehova; namuhla aniyikukuthola endle.



61

Anokubutha izinsuku eziyisithupha, kepha ngosuku lwesikhombisa kuyiSabatha; akuyikubakho ngalo.
Izindimana 25, 26.


62

Iningi labantu lakwenza lokho uNkulunkulu ayekuyalile, kodwa abanye baphuma ngeSabatha ukuyobutha imana.
Lalela ukuthi uNkulunkulu wathini ngalokho!



63

UJehova wathi kuMose: Niyakwala kuze kube nini ukugcina imiyalo yaMi nemithetho yaMi na?

# 11 - Wadalelwa Okungcono




64

**Bhekani, njengalokho uJehova eniphile iSabatha, ngalokho uyaninika ngosuku lwesithupha isinkwa sezinsuku ezimbili.**




65

**Kube yilowo nalowo endaweni yakhe, kungaphumi muntu endaweni yakhe ngosuku lwesikhombisa.**



66

**Base bephumula-ke abantu ngosuku lwesikhombisa. Eksodusi 16:28 - 30.**


67

**ISabatha lanikezwa kusadalwa, futhi lagcinwa abantu bakaNkulunkulu bengakafiki naseSinayi, lapho uNkulunkulu abanika khona imiYalo eyiShumi.**


68

**Ngenyanga yesithathu yokuphuma eGibhithe, bafika eNtabeni yaseSinayi, lapho uNkulunkulu azibonakalisa khona kuMose, wamnika nomyalezo okwakufuneka awudlulisele ebantwini:**



69

**Eksodusi 19:5, 6**
**Kalokhu uma nilalela nokulalela izwi laMi, nigcine isivumelwano saMi,**



70

**niyakuba yigugu kiMi kunazo zonke izizwe, ngokuba umhlaba wonke ungowaMi.**



71

**Nibe ngumbuso wabapristi kiMi, nesizwe esingcwele.**

# 11 - Wadalelwa Okungcono




72

**Yilawo mazwi ozakuwakhuluma kubantwana bakwa Israyeli.**
**Eksodusi 19:5, 6.**


73

**UNkulunkulu wakhulumisana nabantu baKhe ngothando .**
**Uma belalela imithetho yaKhe nemiyalo yaKhe, babezokuba yisizwe esikhethekile nesingcwele!**
**Omunye waleyo miyalo wanikezwa ukuze kuqinisekiswe ukuthi abantu baKhe babengezukhohlwa ubudlelwane babo noMdali wabo. Eqinisweni, uqala ngegama elithi: Khumbula.**



74

**Eksodusi 20:8 - 11**
**Khumbula usuku lweSabatha, ulungcwelise. Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho;**



75

**kepha usuku lwesikhombisa luyiSabatha likaJehova uNkulunkulu wakho. Awuyikusebenza msebenzi ngalo,**



76

**wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho**



77

**nezinkomo zakho, nomfokazi osemzini wakho.**
**Ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova wenza**



78

**izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho, waphumula ngosuku lwesikhombisa.**

# 11 - Wadalelwa Okungcono



79

**Ngalokho uJehova walubusisa usuku lweSabatha, walungcwelisa. Eksodusi 20: 8 - 11.**



80

**ISabatha liphakathi nendawo, noma liyinhliziyo, yaleyo miyalo eyishumi.**
**Usuku lweSabatha luyisikhumbuzo sokudalwa.**
**Ludala ngangomhlaba uqobo!**
**UNkulunkulu uthembisa abantu baKhe izibusiso eziningi uma bemlalela, futhi bekhumbula isikhumbuzo saKhe sokudala.**



81

**Uma ulubuyisa unyawo lwakho kulo iSabatha, ukuze ungenzi umsebenzi wakho ngosuku lwami olungcwele, ulibize iSabatha ngokuthi intokozo,**




82

**nolungcwele lukaJehova ngokuthi lunodumo, uludumise, ungahambi ngezindlela zakho,**



83

**ungawuqhubi umsebenzi wakho, ukhulume ize,**



84

**khona uyakuzijabulisa kuJehova ...**
**Isaya 58:13, 14**
**Ukuba umuntu wayengakhumbula isikhumbuzo, izinkinga eziningi abhekene nazo - ukukhohlwa uNkulunkulu, impilo engenanzuzo, ukungazazi ukuthi ungubani - zingasombululeka.**
**Bekungeke kube khona ozokhohlwa ukuthi uNkulunkulu unguMdali!**



85

**(Video: 8 sec) Nokho, kuyadabukisa ukuthi abantu bakaNkulunkulu bakhohlwa. Bakhohlwa ukumkhonza ngosuku lwaKhe olungcwele,**



86

kwathi kungekudala baqala ukukhonza onkulunkulu bamatshe nezinduku.
Balahlekelwa umbono wezimpande zabo!




87

Kwakukhona ukuvuselelwa kweSabatha ekuhambeni kwesikhathi, lapho abaprofethi bakaNkulunkulu bephendulela izingqondo zabantu kuMdali.
UIsaya wagcizelela ukuthi uNkulunkulu wayengaqonde ukwenza iSabatha kube into yamaJuda kuphela.



88

ISabatha lasekwa kungakabikho noyedwa umJuda. UNkulunkulu akasigcinelanga isizwe esisodwa kuphela isibusiso esingaka.




89

Isaya 56:6, 7
Umema bonke abantu, kuphi nakuphi, ukuba bakhumbule futhi bagcine iSabatha naYe. Bonke abaligcina iSabatha...





90

Ngiyakubayisa entabeni yaMi engcwele, ngibathokozise endlini yaMi yokukhuleka:




91

Ngokuba indlu yaMi iyakubizwa ngokuthi indlu yokukhuleka phakathi kwabantu bonke.




92

Akukho ndawo eBhayibhelini lapho usuku lwesikhombisa lubizwa khona ngeSabatha lamaJuda.
UJesu wakwenza kwaba sobala ukuthi lilusuku lwabantu bonke ngesikhathi ethi:

# 11 - Wadalelwa Okungcono




93

Marko 2:27
ISabatha lenzelwa umuntu, umuntu akenzelwanga iSabatha.
Marko 2:27




94

Eksodusi 20:10.
UNkulunkulu wathi: ...Usuku lwesikhombisa luyiSabatha likaJehova uNkulunkulu wakho...
Eksodusi 20:10.



95

Mathewu 12:8
UJesu wabuye wathi uyi "Nkosi neyeSabatha" (Mathewu 12:8) ngoba lenziwa nguYena.



96

ISambulo 1:10.
Kungakho-nje uJohane umambuli elibiza ngokuthi Usuku LweNkosi.
ISambulo 1:10.
ISabatha aligcini ngokuba yisikhumbuzo sokudalwa kwezinto zonke.
Liluphawu phakathi kukaNkulunkulu nomuntu.



97

Hezekeli 20:20
Ningcwelise amaSabatha aMi, abe yisibonakaliso phakathi kwaMi nani,



98

ukuze nazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu.
Hezekeli 20:20.
Lowo owalenza laba ngcwele iSabatha mhla edalayo, kusenguYena lowo owenza abantu abayizoni babe ngcwele.
UMdali wethu unguMsindisi wethu futhi!



99

Hezekeli 20:12
Ngabanika futhi amaSabatha ami abe yisibonakaliso phakathi kwaMi nabo,

# 11 - Wadalelwa Okungcono



100

ukuze bazi ukuthi nginguJehova obangcwelisayo.
Hezekeli 20:12.



101

(Video: 12 sec) ISabatha lamiswa singakangeni isono emhlabeni, futhi liyogujwa noma isono sesiphelisiwe kwaphakade emhlabeni.



102

Isaya 66:22, 23
‘Ngokuba njengokuba izulu elisha nomhlaba omusha engiyakukwenza kuyakuma phambi kwaMi, ‘ usho uJehova,



103

kanjalo kuyakuma inzalo yakho negama lakho.



104

Kusukela ekwethwaseni kwenyanga kuye kwenye, kusukela kwelinye iSabatha kuye kwelinye,



105

yonke inyama iyakufika ukukhuleka phambi kwaMi, usho uJehova.
Isaya 66:22, 23.



106

(Video: 6 sec) Kulo lonke elingunaphakade, abantwana bakaNkulunkulu bayogubha iSabatha ukuhlonipha Yena onguMdali noMsindisi.
Uma iSabatha lagujwa ngaphambi kokungena kwesono emhlabeni, futhi liyogujwa emhlabeni omusha, akuwona yini umqondo omuhle ukuthi abantwana bakaNkulunkulu baligubhe khona lapha na?

# 11 - Wadalelwa Okungcono


107

**Uma sinemibuzo ngoNkulunkulu kanye neSabatha, singabheka ukuthi uJesu waliphatha kanjani.**


108

**ULuka uyasitshela ukuthi uJesu wenzani ngeSabatha:**




109

**Luka 4:16**
**Wafika eNazaretha, lapho wayondliwa khona,**




110

**wangena esinagogeni ngosuku lweSabatha njengokwenza kwaKhe, wasukumela ukufunda. Luka 4:16.**
**Lithi iBhayibheli, 'njengokwenza kwaKhe' noma umkhuba waKhe!**



111

**Isichazimazwi sesiNgisi sithi: iSabatha;**



112

**usuku lwesikhombisa lweviki (umGqibelo). –Webster's New World Dictionary, second college edition.**



113

**(Video: 9 sec) Ukuba lolusuku lwaluguquliwe noma lukhohlakele esikhathini esiphakathi kwesika Adamu nesika Mose, uNkulunkulu wayezokulungisa lokho mhla ebhala imiYalo eyiShumi eSinayi.**



114

**Ukuba lolusuku lwalulahlekile ngisikhathi esiphakathi kukaMose noJesu, ngabe uKristu wakulungisa lokho ngaphandle kokungabaza.**

# 11 - Wadalelwa Okungcono



115

Ukuba lolusuku lwaluguqulwe kusaphila abafundi, babezobhala ngaleyo nguquko ngokuqinisekile.



116

Kanti-ke amaJuda, abantu abagcina isikhathi ngendlela ethe-ngqo, asakhonza ngosuku lwesikhombisa noma umGqibelo.



117

(Video: 19 sec) Ezinsukwini zikaJesu emhlabeni, akuzange kube nempikiswano ngokuthi yiluphi usuku lokuphumula.
Imibuzo yavela kuphela ngendlela ayelugcina ngayo.
ORabi base bekwenze kwalukhuni ukugcina lolusuku ngokwenezela imitheshwana enzima.
UJesu wazama ukuyisusa leyo mitheshwana eyenziwe abantu ukuze kubonakale obala ukuthi kusho ukuthini ukugcina iSabatha.


118

Uma bethwesa uJesu icala lokwephula iSabatha ngenxa yokuphilisa kwaKhe abantu ngalolosuku, waphendula wathi:



119

Mathewu 12:12.
kuvunyelwe ukwenza okuhle ngeSabatha.
Mathewu 12:12.



120

(Video: 18 sec) Lithi iBhayibheli uJesu waphilisa futhi waba yinceku.
ISabatha elokusiphelelisa thina sonke, lisikhulule ecaleni, nobugovu, lisinike ukuthula emphefumlweni;
Lingelokusibuyisela emfanekisweni kaNkulunkulu, lisikhombe kuMdali wethu!
Lowo umsebenzi uJesu eza ukuzowenza, futhi umsebenzi abafundi baKhe abasale bewenza ngemuva kokwenyuka kwaKhe.

# 11 - Wadalelwa Okungcono



121

(Video: 11 sec) Ukugcinwa kweSabatha kwabonakaliswa abalandeli baKhe ekufeni kwaKhe. Ngaleso sikhathi sokudideka, abangane bakaJesu baphumula ngokomyalo kaNkulunkulu, bashiya umsebenzi wokugcoba isidumbu saKhe kwaze kwadlula amahora eSabatha.




122

Luka 23:54 - 56
Kwakulusuku lokulungisela; iSabatha lase lizakuqala.



123

Abesifazane abeza naye bevela eGalile balandela, balibona ithuna nokubekwa kwesidumbu saKhe.



124

Base bebuyela emuva, balungisa amakha namafutha; kepha ngeSabatha baphumula njengokomthetho. Luka 23:54 - 56.




125

(Video: 8 sec) Ngosuku olwandulela iSabatha ithemba labo kuJesu lalifiphele.
Bambona efa ukufa okubuhlungu esiphambanweni.
Amaphupho namathemba abo ayesengcwabeni elimnyama.
Babefuna ukugcoba isidumbu saKhe .



126

Luka 24:1.
Kepha ngosuku lokuqala lweviki, kuntwela ngenzansi, bafika thuneni bephethe amakha ababewalungisile. Luka 24:1.



127

Ake siphinde sibuke izehlakalo zalezonsuku ezintathu:

# 11 - Wadalelwa Okungcono



128

1. NgolwesiHlanu: uJesu wafa; abesifazane balungisa amakha namafutha.



129

2. NgomGqibelo (iSabatha): uJesu waphumula ethuneni; abalandeli baKhe baphumula.



130

3. ISonto (usuku lokuqala lweviki): uJesu wavuka kwabafileyo! Abesifazane beza ukuzogcoba uJesu. Akukho kungabaza ngokuthi kwakuyiluphi usuku lweSabatha ekufeni kukaJesu.



131

Johane 19:30.
UJesu walenga esiphambanweni ngosuku lokulungisela wamemeza wathi:
...Kufeziwe!
Johane 19:30.



132

Umsebenzi waKhe wokuhlenga wawufeziwe!
Waphumula ethuneni ngeSabatha.



133

(Video: 6 sec) wavuka ngeSonto, usuku lokuqala lweviki.
Nasekufeni uJesu wagcina iSabatha;
Waphumula ethuneni ngeSabatha.
Nxa simi eduze nesiphambano, sifikelwa umuzwa wokuthi ngeke sathatha noma yiluphi olunye usuku kweziyisikhombisa!
Ngoba ukugudlula iSabatha kungasho ukugudlula indalo, neSinayi ngisho neKalvari uqobo!


134

Yebo, kwenza umahluko ukuthi sigubha luphi usuku kweziyisikhombisa.
Umbhali ongumKristu ogama lingu George Vandeman wabhala wathi:

# 11 - Wadalelwa Okungcono



135

**Singababona kanjani abalandeli baKhe benqaba ukululaza amahora angcwele noma kungokwenza umsebenzi wothando,**



136

**singambona kanjani efa esiphambanweni ngenxa yokuthi umthetho wawungephulwe ngisho nangokusindisa okwaKhe ukuphila -**



137

**singema kanjani ekukhanyeni okukhazimulayo kwaseKalvari bese sithi:  akwenzi mahluko?**
**- A Day to Remember, ikhasi 40.**



138

**UMdali wathi "Khumbula," kodwa abaningi bayakhohlwa!**
**Kodwa leyo kwakungeyona injongo kaNkulunkulu.**
**UJesu wayelindele ukuba amaKristu agcine iSabatha kuze kubenaphakade.**



139

**Mathewu 24:20.**
**Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi sebusika nangeSabatha.**
**Mathewu 24:20.**



140

**(Video: 6 sec) UJesu wayelindele ukuba amaKristu ayesazoqhubeka ngokugcina iSabatha ngo A.D. 70 uma kuhlaselwa iJerusalema!**



141

**Izenzo 17:1, 2**
**ITestamente eliSha lithi abalandeli bakaJesu bagcina iSabatha ngemuva kokuvuka kwaKhe: Bafika eThesalonika, lapho kwakukhona isinagoge labaJuda:**

# 11 - Wadalelwa Okungcono



142

**Kepha uPawulu njengokwenza kwakhe wangena kubo, waphendulana nabo amaSabatha amathathu, ethathela emibhalweni.**
**Izenzo 17:1, 2.**
**Ngelinye iSabatha uPawulu eshumayela, abathile bezizwe beza nesicelo:**

---



143

**Izenzo 13:42, 44**
**...Kwathi ekuphumeni kwabo, babacela ukuba lawomazwi akhulunywe kubo nangeSabatha elilandelayo.**

---



144

**NgeSabatha elilandelayo kwabuthana cishe umuzi wonke ukuzwa izwi likaNkulunkulu.**
**Izenzo 13:42, 44.**


---



145

**Eqinisweni, incwadi yeZenzo ikhuluma ngezinkonzo ezingu 84 uPawulu azibamba ngeSabatha**

---


146

**ISabatha lithubeleza njengentambo yegolide kusukela kuGenesise ukuya encwadini yeSambulo, echaza labo abalindele ukuhlangabezana noJesu ekubuyeni kwaKhe!**

---



147

**ISambulo 14:12.**
**Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu.**
**ISambulo 14:12.**

---



148

**Johane 14:15**
**UJesu wathi:  Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yaMi. (Johane 14:15)**
**kanti omunye waleyomiyalo usitshela ukuba masikhumbule usuku lweSabatha.**

# 11 - Wadalelwa Okungcono



149

Uma sikhonza uNkulunkulu uMdali wethu iviki ngalinye ngeSabatha losuku lwesikhombisa, ngeke sikhohlwe lapho sivela khona noma ukuthi ubani owasidalayo thina nomhlaba esikuwo.



150

Uma sigcina iSabatha iviki ngalinye, ngeke sizibuze ukuthi singobani - singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, iNkosi yamazulu!


151

Ngeke kudingeke ukuba sizibuze ukuthi safika kanjani emhlabeni - silapha ngoba uNkulunkulu wayefuna ukuba sibe khona, ngoba wasenza.


152

Yena loJesu okunxusa ukuba "ukhumbule" welulela izandla zaKhe kuwena kusihlwa-nje, izandla ezake zabethelwa esiphambanweni eKalvari ngenxa yezono zakho.  Uyakubiza ngomusa uthi:  Ngilandele.



153

Uyavuma ukumlandela uMdali wakho khona manje?
Uzowulalela umyalo waKhe uma ethi khumbula iSabatha akwenzela lona?
Uzomkhonza iviki ngeviki kusukela manje nxa kufika iSabatha laKhe ngosuku lwesikhombisa?
Uzosilandela isibonelo sikaJesu nabaphostoli sokukhonza uMdali wakho ngosuku lweSabatha?

# 11 - Wadalelwa Okungcono


154

**ISabatha akulona udaba losuku lokukhonza nje, sihlobo. Udaba lokulandela uJesu yonke indlela.**
**Udaba lokuma no-Adamu no-Eva njengoba babekhonza e-Edeni ngeSabatha lokuqala.**
**Kuludaba lokulalela umyalo kaNkulunkulu noMose, lapho uNkulunkulu ethi: Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lube ngcwele.**
**Kuludaba lokukhonza ngosuku olufanayo noIsaya, noJeremiya, noDaniyeli nawo onke amaqhawe okukholwa eTestamente eliDala.**
**Kuludaba lokudumisa uNkulunkulu onguMdali wethu iSabatha ngalinye njengoPetru, noJakobe noJohane.**
**Kuludaba lokuba yinxenye yabantu bakaNkulukunkulu kulezikhathi zokugcina, labo, iSambulo esithi bagcina imiyalo.**
**Ungathanda yini ukuthi: Yebo, Jesu, Ngizokuma naWe. Ngizobeka Wena phambili. Ngizokulandela yonke indlela.**
**Uma lokhu kuyisifiso sakho, phakamisa isandla sakho, njengoba sithandaza.**

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane




1

**Ungavumi Kwenzeke Kuwena Lokho**



2

**Izinganekwane zamukeleka kalula njengeqiniso uma sezinesikhathi eside zikhona. Thatha udaba lwesicabucabu. Ngonyaka ka 350 B.C., isihlakaniphi esaziwayo kwelamaGreki uAristotle, wathi isicabucabu sinemilenze eyisithupha.**
**Iminyaka engu 2000 eyalandela, bonke abantu bakholwa ukuthi isicabucabu sinemilenze eyisithupha. Akukho muntu owake wazihlupha ukuyibala. Ubaninje owayengangabaza u Aristotle wodumo?**
**Nakho-ke sekufika uLamarck, umcwaningi ogqamile kwezemvelo. Wayibala ngokucophelela imilenze yesicabucabu.**
**Qagela ukuthi wathola ukuthi mingaki? Isishiyagalombili!**
**Inganekwane eyayifundiswe njengeqiniso amakhulu eminyaka yaphela ngoba uLamarck wazihlupha ngokubala.**



3

**Kungenzeka yini ukuthi inganekwane ekhona kwezenkolo yangena isinyelela ebandleni lobuKristu? Kungenzeka-nje ukuthi lapha sibhekene nento ebaluleke kakhulu kunesicabucabu - ukuthi sinemilenze eyisithupha noma eyisishigalombili?**
**Izigidi zabantu zikhonza ngosuku lokuqala lweviki zikholwa ukuthi yiSabatha eliseBhayibhelini. Esifundweni esigcine ngaso, sithole ukuthi usuku lwesikhombisa lweviki, umGqibelo, yiSabatha likaNkulunkulu leqiniso. Njengoba izincwadi zesikole zazifundisa ngephutha lokuthi isicabucabu sinemilenze eyisithupha, kanjalo izigidi zamukela inganekwane uma kufikwa odabeni lweSabatha.**
**Isizathu sokuba nize kulezifundo zeBhayibheli kungoba izinhliziyo zenu zilangazelela iqiniso. Nifuna ukuzwa ukuthi ngempela lithini izwi likaNkulunkulu. Aninakille ukuthi zithini izazi kwezenkolo. Nifuna ukwazi ukuthi uthini uNkulunkulu. Ake sibukeze lokho esikutholile esifundweni esedlule.**

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



4


Sifunde ukuthi uNkulunkulu usinike usuku olukhethekile iviki ngalinye - iSabatha - esimdumisa ngalo sikhumbule umsebenzi waKhe njengoMdali wethu.
Sifunde ukuthi usuku lweSabatha akulona-nje olunye usuku - kodwa usuku lwesikhombisa.
Futhi sifunde ukuthi iSabatha liyogcinwa nasekupheleni kwalomhlaba sesisezulwini noMdali wethu.


5

Kodwa uma sibheka-bheka emhlabeni, sithola ukuthi abantu abaningi - empeleni inxenye eningi - abamkhonzi uNkulunkulu ngosuku lwesikhombisa.


6

Abaningi abamkhonzi nokumkhonza uNkulunkulu waseBhayibhelini, kodwa bakhonza abanye onkulunkulu.



7

Kodwa phakathi kwalabo abamkhonzayo uNkulunkulu weBhayibheli, abaningi babo bamkhonza ngolunye usuku okungelona lolo alubekela eceleni njengosuku lwaKhe olungcwele.
Kungenxa yani na?
Ngabe uNkulunkulu waluguqula usuku?
Ngabe lwaguqulwa omunye?
Kungani abantu abaningi kangaka begcina olunye usuku, njengolweSonto, bathi usuku lukaNkulunkulu esikhundleni seSabatha losuku lwesikhombisa na?


8

Sifunde ukuthi iBhayibheli liyasitshela ukuthi emthethweni waKhe, uNkulunkulu wasinika sonke emhlabeni isibonakaliso esikhetheke kakhulu:



9

Hezekeli 20:12, 20
Ngabanika futhi amaSabatha aMi abe yisibonakaliso phakathi kwaMi nabo,

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



10

ukuze bazi ukuthi nginguJEHOVA obangcwelisayo...



11

Ningcwelise amaSabatha aMi, abeyisibonakaliso phakathi kwaMi nani,



12

ukuze nazi ukuthi nginguJEHOVA uNkulunkulu wenu.
Hezekeli 20:12, 20



13

(Video: 4 sec) IBhayibheli, kusukela ekuqaleni kuya ekugcineni, liyafakaza ngokuthi uNkulunkulu waqamba iSabatha, nokuthi usuku lweSabatha usuku lwesikhombisa lweviki.
Futhi akukho-ndawo eBhayibhelini lapho uNkulunkulu ethi waluguqula usuku lokukhonza nokuphumula - leso sibonakaliso phakathi kwaKhe nabantu baKhe.



14

(Video: 10 sec) Ake sibukeze kancane lokho esikutholile kulezigijimi ngokufunda izwi likaNkulunkulu. Eseqedile uNkulunkulu ukudala umhlaba nabantu, wadala iSabatha.



15

njengesikhumbuzo sendalo yaKhe ngosuku lwesikhombisa lweviki lokuqala nasemlandweni wonke womhlaba.


16

Ngesikhathi uNkulunkulu ebhala umthetho waKhe entabeni yaseSinayi, wafaka enhliziyweni yaleyo miyalo, umyalo weSabatha.

12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



17

Lomyalo wawuzokhumbuza umuntu sonke isikhathi ukuthi akavelanga waqhamuka-nje.



18

Isizathu asinikayo sokuthi umuntu makagcine usuku lwesikhombisa ukuthi wadala umhlaba ngezinsuku eziyisithupha



19

waphumula ngosuku lwesikhombisa.  Maqondana nemiyalo yaKhe, uNkulunkulu, ekhuluma ngoMose, watshela abantu ukuthi bangasusi lutho futhi bangenezeli emthethweni waKhe.



20

Duteronomi 4:2
Aniyikuthasisela ezwini enginiyala ngalo, ninganciphisi futhi kulo,



21

ukuba nigcine imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu enginiyala ngayo.
Duteronomi 4:2.  UNkulunkulu wabuye wabatshela ukuthi:



22

IHubo 89:34
Angiyikwaphula isivumelwano saMi, nokuphumileyo ezindebeni zaMi angiyikukuguqula. IHubo 89:34.


23

UJesu uqobo wabonakalisa ukuzimisela okufanayo ekuphakamiseni umthetho ayekade ewunikeze eSinayi. Watshela abantu entshumayelweni yaKhe yaseNtabeni ukuthi akezanga ukuzochitha umthetho kaNkulunkulu, kodwa ukuzowugcwalisa!

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



24

Mathewu 5:17 - 19
Qaphela amazwi aKhe: Ningathi ngize ukuchitha umthetho nabaprofethi; angizanga ukuchitha, ngize ukugcwalisa.



25

Ngokuba ngiqinisile ngithi kini: Kuze kudlule izulu nomhlaba,



26

akusoze kwadlula-gamana linye nasicashana sinye somthetho, kuze kufezeke konke.



27

Ngakho-ke oweqa owodwa kulemiyalo emincinyane, afundise abantu kanjalo,



28

uyakuthiwa omncinyane embusweni wezulu...
Mathewu 5:17 - 19.
Mhla uNkulunkulu wayenika imiyalo eyishumi ebantwini baKhe, wakwenza kwaba sobala ukuthi akukho muntu omele ukuchibiyela noma ukuguqula umyalo ophuma ezindebeni zomlomo waKhe ezingcwele.


29

UJesu uqobo watshengisa ngesibonelo saKhe ukuthi wayefuna ukuhlonipha lolusuku Yena noYise ababelwenze lwabangcwele ngeviki lokuqala lomlando walomhlaba.



30

Luka 4:16.
Wangena esinagogeni ngosuku lweSabatha njengokwenza kwaKhe, wasukumela ukufunda.
Luka 4:16.

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



31

Wangena esinagogeni ngosuku lweSabatha njengokwenza kwaKhe, wasukumela ukufunda. Luka 4:16.


32

Ngesikhathi abaholi kwezenkolo besola abafundi bakaJesu ngokwephula iSabatha, uJesu wathi uyiNkosi yalolosuku.



33

Marko 2:27, 28
ISabatha lenzelwa umuntu, umuntu akenzelwanga iSabatha.



34

Ngokunjalo iNdodana yoMuntu iyiNkosi neyeSabatha. Marko 2:27, 28.


35

Akusikho kuphela ukuthi uJesu wahlonipha iSabatha, kodwa wanxusa abafundi baKhe ukuba bathandaze ukuze bakwazi ukulugcina ngcwele lolosuku kuyo yonke iminyaka.



36

Mathewu 24:20
Sithola lesiyalo kuMathewu 24:20: Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi sebusika nangeSabatha.


37

Lapha uJesu wayekhuluma ngokubaleka kwabafundi baKhe beshiya iJerusalema masinyane-nje ngaphambi



38

kokuchithwa kwalo ngamaRoma ngo A.D. 70.

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane


39

Ngesikhathi ebethelwa, wayelindele ukuthi abalandeli baKhe baqhubeke ngokugcina iSabatha.


40

AmaJuda asolokhu ekhonza ngosuku lwesikhombisa kusukela ekuphumeni kwawo eGibhithe, iminyaka engaphezu kweyi 3 500 eyedlule.
Noma ekuphi emhlabeni, asabambelele kuwona umGqibelo, usuku lwesikhombisa lweviki njengosuku olwakhethwa uNkulunkulu ukuba kukhonzwe ngalo.


41

Noma ngabe iBhayibheli bekuyiwona wodwa umthombo wolwazi lwethu, besizovele silwazi usuku lwesikhombisa, iSabatha.
Uma sibheka indaba yokubethelwa kukaJesu, incwadi kaLuka isitshela ngokufingqiwe ngokwenzeka ngaleyo mpelasonto.
Ngemuva kokufa kukaKristu esiphambanweni ngolwesiHlanu, lithi iBhayibheli:




42

Luka 23:54 - 56; 24:1
Kwakulusuku lokulungiselela, iSabatha lase lizakuqala.



43

Abesifazane abeza naYe bevela eGalile balandela, balibona ithuna nokubekwa kwesidumbu saKhe.



44

Base bebuyela emuva, balungisa amakha namafutha; kepha ngeSabatha baphumula njengokomthetho.



45

Kepha ngosuku lokuqala lweviki, kuntwela ngenzansi,



46

bafika ethuneni bephethe amakha ababewalungisile
Luka 23:54 - 56;  24:1.


47

AmaKristu amaningi agubha ulwesiHlanu lwePhasika, ekhumbula ukufa kukaKristu.
Badumisa ukuvuka kwaKhe ngeSonto.


48

IBhayibheli lisitshela ukuthi usuku oluphakathi kwalezo zombili yiSabatha njengokomthetho.



49

(Video: 4 sec) Yize noma uLuka wabhala lamazwi eminyakeni eminingi ngemuva kokubethelwa kukaJesu, nokho wayesalokhu ebiza iSonto njengosuku lokuqala lweviki.
Futhi wabiza usuku lwesikhombisa ngeSabatha.
Umlando weBhayibheli uzehlukanisa ngokucacile lezinsuku.


50

Empeleni abapostoli baqhubeka ngokukhonza nokushumayela ngeSabatha losuku lwesikhombisa iminyaka eminingi ngemuva kokubethelwa kukaJesu.



51

Izenzo 13:14, 42, 44
IBhayibheli likhuluma ngoPawulu nababenaye lapho behambele e-Antiyokhiya  lithi:  ...bangena esinagogeni ngosuku lweSabatha, bahlala phansi.



52

Izenzo 13:42.  Kamuva,  Kwathi ekuphumeni kwabo,



53

abezizwe babacela ukuba lawomazwi aphinde akhulunywe kubo nangeSabatha elilandelayo.



54

NgeSabatha elilandelayo kwabuthana cishe umuzi wonke ukuzwa izwi likaNkulunkulu. Izenzo 13:42, 44. Kwakungumkhuba kaPawulu ukukhonza esinagogeni maSabatha onke:




55

Izenzo 18:4.
Washumayela esinagogeni ngamaSabatha onke, wazuza abaJuda namaGreki. Izenzo 18:4.
Kulezindimana, umuntu ubona ngokusobala ukuthi abukho ubufakazi bokuthi uKristu noma abafundi baKhe bake baguqula usuku lokukhonza.
Akukho lutho eBhayibhelini oluthi makwenziwe leyo nguquko!




56

Akakho noyedwa kubabhali beTestamente eliSha owake wathi luguquliwe usuku lweSabatha! Kwakuyokuba iyona-ndaba esematheni kuzo zonke izahluko zeTestamente eliSha ukuba kwakukhona inguquko enjalo!



57

IHubo 89:34.
UNkulunkulu wathi: Angiyikwaphula isivumelwano saMi, nokuphumileyo ezindebeni zaMi angiyikukuguqula.
IHubo 89:34.
UNkulunkulu akawuguqulanga umthetho waKhe futhi akunamuntu onelungelo lokuguqula umthetho kaNkulunkulu!
Izifundiswa ezivela emabandleni ehlukene akhonza ngeSonto, ziyakuvuma lokhu.



58

UKhadinali James Gibbons wake wabhala wathi: Ungalifunda iBhayibheli kusukela kuGenesise kuye kwiSambulo, ngeke uthole nowodwa umugqa okhuluma ngobungcwele beSonto.

12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane




59

Imibhalo igcizelela ukugcinwa-ngcwele komGqibelo.
 - The Faith of Our Fathers, amakhasi 111, 112.



60

U Clovis G. Chappell, umWeseli, naye ugcizelela lapho uma ethi:  Isizathu sethu sokugcina usuku lokuqala esikhundleni salolo lwesikhombisa asisekelwe umyalo oqonde-ngqo.




61

Umuntu angaphenya izibhalo kungasizi lutho uma efuna umyalo wokuguqulwa kosuku lwesikhombisa luye kolokuqala.
 - Ten Rules for Living, ikhasi 61.



62

Akukho eBhayibhelini ukuthi uKristu nabafundi baKhe bagcina-ngcwele olunye usuku noma bayala abanye abantu ukuba benze njalo!
Ungabuza ukuthi: Pho-ke, ukugcina iSonto kwaqala kanjani na?



63

Sithola lokhu kuSocrates Scholasticus, isazi ngomlando esasiphila ngeminyaka yawo 400:  Cishe onke amabandla emhlabeni wonke agubha Isidlo Esingcwele ngeSabatha iviki ngalinye,



64

Kodwa amaKristu ase Aleksandriya nase Roma, ngenxa yesiko elithile lakudala, asayeka ukwenze njalo.
 - Ecclesiastical History, as quoted by C.B. Haynes, From Sabbath to Sunday, ikhasi 35.



65

Abanye ababhali bomlando bathi amahlelo amaningi kwezenkolo ayegcina iSabatha losuku lwesikhombisa ngeminyaka yaphakathi (Middle Ages), kanti lokho kubhaliwe ngokucophelela ezincwadini zamaKristu emhlabeni wonke kulezikhathi zamanje.

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



66

Ababhali bomlando webandla abaningi babeka ukuqala kokuguqulwa kwezinsuku phakathi kweminyaka uA.D. 70 no 135, iminyaka lapho amaJuda ayevukela umbuso kwaze kwachitheka igazi eliningi lapho amaRoma ethulisa lolodweshu.



67

Inzondo yamaRoma kumaJuda, ihlangane nokungezwani phakathi kwamaJuda namaKristu, yakhuthaza ukubhalwa kwezincwadi ezizwakalisa inzondo kumaJuda kuwo wonke umbuso waseRoma. AmaKristu abona kungeyona into enambithekayo ukuba abalwe kanye namaJuda.
Njengoba ukugcina iSabatha kwakwenza bathathwe njengento eyodwa, amaKristu amaningi aqala ukunciphisa ukugcina umyalo weSabatha.



68

Izinkomba ezithathekisayo zithi ukugcinwa kweSonto kwangena ngalesisikhathi, kkuhlangane neSonto lovuko,



69

njengomzamo wokutshengisa umbuso wamaRoma ukuthi ubuKristu nobuJuda yizinto ezehlukene. Ikhasi 237.


70

Njengoba sesikuzwile lokhu, kulula ukubona ukuthi amaKristu ayehlala edolobheni laseRoma avula indlela yokuzikhwebula ekugcinenweni kweSabatha. Babehlala phakathi nesizinda lapho inzondo yayiningi khona!



71

Singezwelana namahloni abo ukugcina iSabatha elalibukelwa phansi ngamaRoma, uma sibuka ukuthi ibandla eRoma laligcwele kakhulu abezizwe ababevela ebuhedenini.

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



72

KwabaseRoma 11:13.
Kuyathathekisa ukuphawula indlela uPawulu abiza ngayo ibandla eRoma: Ngikhuluma kini nina-bezizwe...
KwabaseRoma 11:13.


73

LamaKristu ayesanda kuguquka evela ebuhedenini, ayengagxilile njengamaKristu angamaJuda ekugcineni iSabatha, wona ayevele eligcina.



74

Kodwa-ke kungani kwakhethwa iSonto kunezinye izinsuku zeviki na?
Umbuzo omuhle lowo!
Abahedeni embusweni waseRoma babekade kungabantu ababekhonza ilanga iminyaka eminingi, begubha iSonto njengosuku lwelanga.



75

Ababusi baseRoma babeke bazithathe njengawonkulunkulu belanga, nomfanekiso welanga bewuqopha emalini yakhona nasezakhiweni, futhi befuna nokukhonzwa.
Izazi kwezenkolo zikholwa ukuthi ibandla labona kungcono ukwenzelela isimo, bashebe nobuhedeni.
Kwakucatshangwa ukuthi uma ibandla lithatha eminye imikhuba yobuhedeni, abahedeni babezoguqukela ebuKristwini kalula, futhi bazizwe besekhaya.
Futhi kwakuzosiza umbuso ngokuhlanganisa izakhamuzi zawo ngaphansi kwenkolo eyodwa.




76

Amakhulu eminyaka, laligujwa iSonto, kungenjengosuku olungcwele, kodwa njengeholide.
Zase zigcinwa zombili lezinsuku njengezinsuku ezingcwele.




77

Sifunda lokhu okulandelayo encwadini iApostolic Constitutions, isahluko 23: Akuwona amaKristu kuphela aba nobudedengu, kwaze kwaba nokusheba inkolo yawo kancane kancane.



78

Kwangena isihlava kulelobandla elihlanzekile elalisungulwe abaphostoli, noma kunjalo kodwa lazabalaza lema laqina, futhi limsulwa, kodwa ekufikeni kwesizukulwane sesibili nesesithathu sobuKristu,



79

sibona izimpawu zokwenzelela nokuhlubuka.



80

Lokhu kwenzelela kwafinyelela ekushayweni komthetho wokuqala ovuna iSonto yinkosi yaseRoma, uConstantine, ngoMarch 7, A.D. 321.



81

Esengumhedeni, wakhipha lomthetho: 'Ngosuku olukhulu lweLanga' izimantshi kanye nabantu abahlala emadolobheni mabaphumule, nezindawo zokusebenzela mazivalwe.




82

Emaphandleni kodwa, abalimi bangaqhubeka nomsebenzi wabo ngokukhululeka ngokusemthethweni.
History of the Christian Church, eka 1902, umqulu 3, ikhasi 380.


83

Isinyathelo esilandelayo ukwenza ukugcinwa kweSonto kube inxenye yobuKristu, sathathwa yibandla laseRoma esigungwini saseLawodekiya.
Lowo kwaba umthetho wokuqala owenziwa yibandla maqondana nokugcinwa kweSonto.



84

Ngonyaka ka 325, uSylvester, umBishobhi wase Roma waguqula igama losuku lokuqala, walubiza ngokuthi usuku lweNkosi.
- Historia Ecclesiastica, p. 739.
Kwesinye isigungu saseLawodekiya esasibanjwe ngo 364, kwenziwa lomthetho:

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane




85

AmaKristu mawangazenzi amaJuda (ngokugcina iSabatha) ephumula ngomGqibelo...kunalokho mawesebenze ngalolosuku;




86

kodwa usuku lweNkosi maluhlonishwe ngendlela ekhethekile, futhi amaKristu, uma kwenzeka,





87

mawangenzi-msebenzi ngalolosuku.
 - A History of the Councils of the Church, umqulu 2, ikhasi 316.



88

Noma kunjalo, amaKristu ayesaqhubeka ukugcina iSabatha eminyakeni yawo 500 B.C., ngoba uPhapha uGregory wabiza




89

Njengabaprofethi boMphiki-Kristu labo ababebambelele ekuthini makungenziwa msebenzi ngosuku lwesikhombisa.
 - The Law of Sunday, ngokubhala kuka C.B. Haynes, encwadini: From Sabbath to Sunday, ikhasi 43.




90

(Video: 7 sec) Khumbula ukuthi iBhayibheli lalingatholakali kunoma ubani nje ngalezo zinsuku, njengoba kunjalo manje.
Izimfundiso zazidluliselwa komunye nomunye ngezwi lomlomo, kwaze kwafika isikhathi lapho kwakungelula ukwehlukanisa phakathi kokushiwo yiBhayibheli namasiko.



91

Kwaze kwaba yisikhathi lapho abantu abaningi bethola iqiniso njengoba lalifundiswa uKristu.
Kwadlula amakhulu eminyaka,




92

kwafika Imvuselelo yamaProtestandi, eyaphengulula amasiko nezimfundiso ezininingi ezase zithathe isikhundla sezimfundiso zezwi likaNkulunkulu.





93

Isiqubulo seMvuselelo sasithi: iBhayibheli, lona lodwa, esihamba ngalo ekukholweni.



94

Abaningi, abafana noHuss noJerome, bashiswa ngenxa yokubambelela kwaba enkolweni yeBhayibheli!



95

Ngemuva kweminyaka yawo 500 A.D., iqiniso ngeSabatha lase licishe lafihleka ngempela ngaphansi kwezimfundiso eziyize.
Bambalwa abake bazihlupha ngokuphenya ukuthi imiBhalo ifundisani.
Bamukela lokho ababekuzwa ngomunye nomunye ezizukulwaneni, bengabuzi noma yiqiniso noma yinganekwane.

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane


96

Ngesinye isikhathi abantu bamukela izinto ngaphandle kokubuza. Amakhulu eminyaka, abantu abaningi babekholwa ukuthi umhlaba iyona-nkaba yamazulu. Babekholwa ukuthi ilanga nezinye izinkanyezi lizungeza umhlaba.

UCopernicus, owayecabanga ngokujulile, wayiphikisa lensumansumane. Wathi: "Yilanga eliyinkaba yamazulu, akuwona umhlaba." Uyazi ukuthi ubani owamphikisa ukwedlula bonke abanye?

Izikhulu zebandla. Zamemeza zathi: Awukwazi ukuguqula amazulu kaNkulunkulu. Kodwa uCopernicus wayengaguquli amazulu kaNkulunkulllu. Into-nje ayeyenza ukulungisa inganekwane endala eyayingenasisekelo seSayensi.

UCopernicus wayembula iqiniso. Ukukholwa entweni isikhathi eside, akuyenzi ibe yiqiniso.

Laguqulwa kanjani iSabatha? Lalela lamazwi ethusayo avela kubabhali bamaKhatholika okuyibandla labo elahamba phambili ekuguquleni iSabatha liye eSontweni.




97

Ibandla lamaKhatholika, eminyankeni engaphezu kwenkulungwane engekabikho amaProtestandi, ngokusebenzisa igunya lalo eliliphiwe yizulu,




98

laguqula usuku ekubeni umGqibelo, kwaba yiSonto.
- The Christian Sabbath, ikhasi 16.



99

Kulencwadi i"Convert's Catechism" sifunda lokhu:



100

Umbuzo: Yiluphi usuku lweSabatha?

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane




101

**Impendulo: UmGqibelo yilona-suku lweSabatha.**




102

**Umbuzo: Kungani sigcina iSonto esikhundleni somGqibelo?**




103

**Impendulo:......kungoba ibandla lamaKhatholika lasusa ubungcwele kumGqibelo baya eSontweni. Lenguquko yenziwa yisigungu saseLawodekiya, ngo A.D. 336.**



104

**Ungabuza ukuthi kungani ibandla lamaKhatholika (njengoba nalo livuma) lenza lenguquko na?**



105

**Omunye umbango ogqamile phakathi kwamaProtestandi namaKhatholika ngezinsuku zemvuselelo kwaku yindawo yamasiko ebandleni. Mhla uMartin Luther ememezela ukuthi uzolandela iBhayibheli lodwa, waphonsela ibandla lamaKhatholika inselelo ngezimfundiso zalo ezazesekelwe phezu kwamasiko kuphela.**




106

**Empeleni umhlangano owaziwa ngokuthi yi Council of Trent wabizelwa ukwenza isinqumo sokuthi ibandla lamaKhatholika lizothini ngokuqondene namasiko neBhayibheli.**
**Waphenduleka lowombuzo ekugcineni.**
**Qaphela lenkulumo efingqiwe, eyaguqula isimo, ngokubhala kuka H.H. Holtzman:**




107

**Ekugcineni, ngoJanuwari 18, 1562, konke ukungabaza kwaphela:**

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



108

UmBishobhi omkhulu wase Reggio wethula inkulumo lapho washo ngokusobala ukuthi amasiko angaphezu kwemibhalo.
- Canon and Tradition, ikhasi 263.
IBhayibheli aliweseki umqondo wokuthi amasiko ayisisekelo semfundiso yebandla.


109

Uyawukhumbula umbuzo uJesu awubuza abaholi bezenkolo ngezinsuku zaKhe na?



110

Mathewu 15:3, 9
Wathi kubo: Yini ukuba neqe umyalo kaNkulunkulu ngenxa yesiko lenu na?




111

Wabuye wathi: Kodwa bangikhonza ngeze befundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu.
Mathewu 15:3, 9.



112

Uyayibona ingqikithi yendaba?
Uzolandela uKristu neBhayibheli - noma amasiko abantu?
Akukhulunywa ngezinsuku noma izinombolonje.
Kukhulunywa ngokuthi kubusa bani!
Yileyo ingqikithi yodaba!
Ngabe uJesu Kristu uYena okubusayo - noma amasiko ohlelo oluthile?


113


Sesicaphune ezincwadini zomlando zezifundiswa ezithile. Manje nazi izicaphuno ezivela ezincwadini zamanje mayelana nokuguqulwa kweSabatha.

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



114

Sithola lamazwi:  Yibandla lamaKhatholika elanquma ukuthi isonto kube usuku lokukhonza lwamaKristu, njengesenzo sokuhlonipha uvuko.
 - Karl Keating, Catholicism and Fundamentalism, 1988, ikhasi 38.




115

Esinye isicaphuno esizokwenza ucabange, sithathwe ephepha-bukwini iSaint Catherine Catholic Sentinel ka May 21, 1995.    Kuthiwa: Okuyiyona-nto egqamile neyaletha inguquko enkulu eyake yenziwa yibandla, yenzeka ekhulwini lokuqala leminyaka ngemuva kokuzalwa kukaJesu.  Usuku olungcwele,




116

iSabatha, laguqulwa ukusuka kumGqibelo ukuya osukwini lweSonto...kungengakuyalelwa imiBhalo, kodwa kuyibandla elithi lisebenzisa amandla alo...



117

Abantu abacabanga ukuthi imiBhalo makube iyona kuphela ebusa ubuKristu, kufanele babe amaSeventh-day Adventist, bagcine umGqibelo ngcwele.


118


Esiprofethweni sika Daniyeli 7, uNkulunkulu wembula kuDaniyeli ukuthi "uphondo oluncane" luka Daniyeli 7:21, 25, lwaluzo



119

Daniyeli 7:25
iyakuhlosa ukuguqula izikhathi nomthetho
YEKA ISIPROFETHO ESINJALO!
Nasi isiprofetho esisobala ngomholi kwezenkolo oyozama ukuguqula umthetho kaNkulunkulu.
Munye kuphela umyalo kweyishumi, okhuluma ngesikhathi - umyalo weSabatha.

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane


120

Ibandla laseRoma lahlosa ukukwenza lokhu, kodwa uNkulunkulu usenguYena namuhla njengoba ayenjalo mhla ayedala amazulu nomhlaba, akakaguquli lokho akumisa e Edeni.
Empeleni, lesiprofetho sibhekise kuwonke-wonke, kuphi nakuphi, ukuba bakhonze uMdali, ngoba uYena ozokwahlulela abantu.


121

Lesiprofetho sinikezelwe ukubiza abantu abayobe belungele ukuhlangabeza uJesu mhla ebuya ngamafu enkazimulo.
Abantu abayobe bemlungele bachazwa ngalamazwi:



122

ISambulo 14:12.
Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu.
ISambulo 14:12.


123

Akungabazeki ukuthi labo abanokukholwa kuJesu bayobe begcina imiyalo kaNkulunkulu beqhutshwa yizinhliziyo ezinothando.



124

Yebo, uNkulunkulu uthi masi KHUMBULE Yena onguMdali wethu ngokuthi sigcine usuku lwaKhe olungcwele.
Uma senza njengoba esho kusho ukuthi sitshengisa ukwethembeka kwethu kuYena.
Uma umuntu egcina iSabatha elenziwe ngumuntu, uhlonipha amasiko omuntu.
Uma sesiyibona intando kaNkulunkulu, kuyintokozo yethu ukuyilandela.
Kukhona okuthile uNkulunkulu akushoyo ngamasiko abantu:



125

Marko 7:6, 7
...Lesisizwe singidumisa ngezindebe zomlomo, kepha inhliziyo yaso ikude nami.

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane



126

**Kodwa bangikhonza ngeze befundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu.**
**Marku 7:6, 7.**




127

**Marku 7:9.**
**Wayesethi kubo: Yebo, nichitha umyalo kaNkulunkulu ukuba nigcine isiko lenu.**
**Marku 7:9.**



128

**Marko 7:6**
**UJesu wathi: Izinhliziyo zabo zikude naMi.**
**Uyabona, udaba lwenhliziyo lolu.**
**Indaba yothando.**



129

**1 Johane 5:3.**
**IBhayibheli lithi: Ukuthanda uNkulunkulu yilokhu: ukuba sigcine imiyalo yaKhe; nemiyalo yaKhe ayinzima.**
**1 Johane 5:3.**


130

**UJesu efundisa ngelinye ilanga, watshela ababemlalele ukuthi akusibo bonke abantu abayongena ezulwini. Wathi umuthi waziwa ngezithelo zawo, ukuthi muhle noma mubi.**



131

**Mathewu 7:21**
**Wase ethi: Asibo bonke abashoyo kiMi ukuthi: Nkosi, Nkosi, abayakungena embusweni wezulu,**



132

**kuphela owenza intando kaBaba osezulwini.**
**Mathewu 7:21.**

12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane


133

Lokhu kucace bha! UNkulunkulu uyabazi abaKhe ngokubheka izithelo zempilo yabo.
Akusibo-nje abazibiza ngokuthi bangabaKhe, kodwa yilabo abenza lokho abayala ngakho.
Yilabo abayokwamukelwa embusweni wakhe.


134

Uma umthanda, uzomvumela abuse impilo yakho ukuze wenze intando yaKhe.
Uma sigcina iSabatha, akusikho kuphela ukuthi senza umyalo waKhe, kodwa sivulela izimpilo zethu izibusiso ezimangalisayo.



135

Njengoba siba nalolosuku olukhethekile iviki ngalinye, sikhumbula uMdali wethu, sizelulela kuYe, sithola ukumazi kangcono nangokujulile.
Izimpilo zethu zimatasatasa namuhla.
Abantu behla benyuka.
Umsebenzi odinga ukwenziwa mningi kangaka - kodwa isikhathi sokuwenza sincane kangaka!


136

Phakathi kwakho konke ukuba matasatasa nokushesha, uNkulunkulu uyasimema ukuba sike sithathe usuku olulodwa evikini, siphumule.
Usimemela ukuba lolusuku siluchithe naYe - simkhonza, sikhuluma naYe, simlalela uma ekhuluma nathi ngezwi laKhe iBhayibheli.
Ilungelo elikhulu lelo, ukuchitha usuku lonke njalo ngeviki ucabanga ngalowo owasidalayo, futhi uxhumene naYe.

# 12 - Izigidi Zikhohliswa Yinganekwane


137

**Angiyicacise kuwena lento, sihlobo.**
**Ohlangothini olulodwa kukhona iqiniso, ngakolunye, amasiko.**
**Ohlangothini olulodwa sineBhayibheli, kolunye, izimfundiso zabantu.**
**Ohlangothini olulodwa sinomyalo kaNkulunkulu, kolunye owabantu.**
**Ohlangothini olulodwa sineSabatha, kolunye, kukhona iSonto.**
**Akulona udaba losuku-nje - udaba lokuthi kubusa bani.**
**Akulona udaba lokulalela uNkulunkulu - udaba lokulandela uJesu.**
**Ungathanda yini ukwenza isinqumo sokunikela impilo yakho ekulandeleni iqiniso likaNkulunkulu kunokwamukela amasiko abantu? Kungani ungatsheli uJesu ukuthi uzomlandela yonke indlela njengoba sithandaza.**

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



1

**Izulu, Isihogo, noma Lutho?**


2

**Ngo 1956 elaseCongo lakhungathwa yimpi yomkhaya eshisayo. Isibhedlela sikadokotela Paul Carlson sathathwa amavukela-mbuso. Abasenbenzi besibhedlela abaningi babulawa.**
**Ngeshwa, uDokotela Carlson kwaba omunye wabo. Kuthe lapho isidumbu sakhe sitholakala ngemuva kwezinsuku ezimbalwa, kwatholwa iTestamente eliSha ebhantshini lakhe. Emakhasini alo, udokotela wayebhale ukuthi usuku nokuthi zingaki enyangeni. Kwakulusuku ngaphambi kokudutshulwa kwakhe, kanti wayebhale igama elilodwa-nje elithi: Ukuthula. Ukuthula phezu kokuthi isimo sasisibi kakhulu. Ukuthula noma ebhekene nokufa. Yini eyanika uDokotela Paul Carlson ukuthula okunjalo na?**


3

**Kungenzeka yini ukuthi sibe nalokhu kuthula okumangalisayo uma sibhekene nokufa? Yini engasigcina singabhocobele ekufikeni kokufa? Kunemibuzo eminingi engakaphendulwa mayelana nokufa. Empeleni, kwenzekani uma umuntu efa na? Ngabe uya ezulwini? Noma esihogweni? Noma sekuphelile njalo?**
**Uyakwazi okwenzeka emzimbeni, kodwa uphi umuntu obehlala ngaphakathi kwawo na?**
**Uma abantu befa, ngabe sekuphelile ngabo, noma bayaqhubeka bephila kwenye indawo?**


4

**Ubuhlungu bokufa bukhulu kangangoba sifuna ukukholwa ukuthi noma kanjani labo abathandekayo kithina abafanga ngempela - nokuthi uma sifunisisa, sizoyithola indlela yokuxhumana nabo.**

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



5

**Siyawezwa amazwi egcizelela ukuthi lokhu kuyiqiniso futhi kungenzeka.**
**Cabanga ngalendoda okuthiwa ixhumana nabafileyo, uJames Van Praagh.**
**Incwadi yakhe ethi: "Ukukhuluma nezulu: Isigijimi Somlozi Maqondana Nokuphila ngemuva Kokufa," yathengwa ubuthaphuthaphu ngemuva kokuvela kwakhe ohlelweni luka Larry King kumabonakude.**



6

**Izinhliziyo zethu zikhalela ukwazi iqiniso ngokufa, sibe nokuthula uma sibhekene nengcwaba.**




7

**(Video: 5 sec) Ngabe kukhona yini akushoyo uNkulunkulu ngaloludaba?**
**Kukhona yini okushiwo yiBhayibheli ngokufa kwethu?**
**Impendulo ithi YEBO ngaphandle kokungabaza!**



8

**Futhi lempendulo itholakala ekuvukeni kukaJesu Kristu.**



9

**Ngemuva kokufa kukaJesu esiphambanweni, abangane baKhe babeka isidumbu saKhe ethuneni elisha likaJosefa.**



10

**UPilatu wathumela amasosha, ukuvalisisa itshe elalivale ingcwaba.**
**Kwakungasekho muntu owayengakhipha isidumbu saKhe.**
**Kwakungekho muntu ngaphandle kuka Yise.**



11

**Ekuseni ngeSonto kusemnyama, ingelosi ekhazimulayo yehla ezulwini, yagingqa itshe elalivale umnyango wethuna, yambiza uKristu ukuba aphume.**

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?


12

UMsindisi waphuma ekunqobe ngokuphelele ukufa - umnqobi onamandla.
Amabutho awela phansi njengabafileyo ngenxa yaleyonkazimulo yengelosi.



13

Indaba yovuko lukaKristu yanikeza ugqozi ebandleni lamaKristu elalisanda kuqala - njengoba amaRoma ayengenathemba ngapheseya kwengcwaba.
Into ababeyazi ukuthi ingcwaba umgodi oshonayo, omnyama, lapho umuntu engeke aze aphume esaphila kuwona.
Manje amaKristu ayenesigijimi sethemba leqiniso.
Ingcwaba kwakungesona isiphelo.
Labo ababefele kuKristu, babeyophila futhi ngelinye ilanga!


14

Amangcwaba angaphansi komuzi waseRoma atshengisa umahluko phakathi kokufa kongakholwayo, nalokho komKristu.
Qaphela imibhalo esemathuneni alabo abafela ekungakholweni, bengenathemba.


15

Aphinda-phindiwe lamagama osizi abhaliwe: Sesehlukene okwaphakade, noma Hamba kahle unomphelo.
Manje-ke qaphela imibhalo emangcwabeni amaKristu:


16

Hamba kahle, size siphinde sibonane futhi, noma:  Lala kahle, kuze kube sekuseni.
Amangcwaba abo ayebhalwe imiyalezo yethemba nesibindi, kubhekwe osukwini lovuko.



17

Isambulo 1:18
Ngingophilayo;  ngangifile, bheka, sengingophilayo kuze kube phakade naphakade.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



18

Futhi nginezihluthulelo zokufa nezeHayidese.
Isambulo 1:18
Alikho ithemba lekusasa ngaphesheya kwengcwaba ngaphandle kokuthi umKristu azi ukuthi uNkulunkulu umphatheleni.


19

Isahluko seshumi nanhlanu kumaKorinte okuqala yisifundo sikaPawulu esikhulu kunazo zonke maqondana nokufa novuko.
Usho ngokusobala ukuthi uma kungekho ukuvuka kwabafileyo, kusho ukuthi alikho ithemba lamaKristu.



20

1 Korinte 15:16 - 18
Qaphela akushoyo: Ngokuba uma abafileyo bengavuswa, akavuswanga naye uKristu



21

Kepha uma uKristu engavuswanga, ukukholwa kwenu akusizi lutho, nisesezonweni zenu!



22

Khona-ke nalabo asebalala bekuKristu babhubhile.
1 KwabaseKorinte 15:16 - 18.


23

Kodwa ukuze siqonde ukuthi kungani esho lokho, kufuneka siqonde okufundiswa yiBhayibheli ngokufa uqobo.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?


24

Mhla uNkulunkulu edala umuntu, kwakungeyona injongo yaKhe ukuthi makube khona ozokufa. UNkulunkulu esemdalile uAdamu, wabuka lokho ayekudalile. Ku Genesise 1:32 iBhayibheli lisitshela ukuthi konke ayekwenzile kwaku kuhle KAKHULU! Kwakungekho kufa, kugula, noma usizi emhlabeni ngaphambi kokuwa kuka Adamu noEva. Mhlawumbe uyakhumbula ukuthi uNkulunkulu wayetheni kubantu:



25

Genesise 2:16, 17
UJehova uNkulunkulu wamyala umuntu, wathi: Ungadla kuyo yonke imithi yensimu ngokuthanda kwakho;




26

Kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi,




27

ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa.
Genesise 2:16, 17.


28

Okulandelayo kulendaba akujabulisi. Leyondaba yosizi ibhalelwe thina encwadini kaGenesise isahluko 3.


29

USathane, esebenzisa inyoka njengesikhulumi sakhe, wabonakala kuEva, wamlinga ukuba angalaleli uNkulunkulu, adle isithelo esenqatshelwe.
Kuthe lapho uEva echaza ukuthi uyaliwe nguNkulunkulu ukuba angadli izithelo zalowomuthi hleze afe,

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



30

**Genesise 3:4**
**inyoka yathi:  Aniyikufa nokufa.**
**(Indimana yesine)**
**Amanga okuqala lawa aphathelene nokufa esiwathola eBhayibhelini!**
**UEva wakhetha ukukholwa uSathane, wadla emthini wokwazi okuhle nokubi.**



31

**UNkulunkulul wacindezeleka ukwehlukanisa uAdamu noEva emthini wokuPhila ukuze**



32

**uAdamu usenjengomunye wethu, uyakwazi okuhle nokubi.**



33

**Kepha manje makangeluli isandla sakhe, athathe nakuwo umuthi wokuphila, adle, aphile kuze kube phakade.**




34

**UJehova uNkulunkulu wammukisa ensimini yase Edeni**



35

**ukuba alime umhlabathi athathwe kuwo.**
**Genesise 3:22, 23.**


36


**Ukufa kwafikela abantu ngoba basebezehlukanise noNkulunkulu, umthombo wokuphila, kanye nomuthi wokuPhila.**

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?




37

Ngalesikhathi uNkulunkulu watshela uAdamu ukuthi: ..Wena uyakudla imifino yasendle.





38

Ngesithukuthuku sobuso bakho uyakudla isinkwa sakhi, uze ubuyele emhlabathini,




39

lokhu wathathwa kuwo;  ngokuba ungumhlabathi, uyakuphenduka umhlabathi.  Genesise 3:18, 19.



40

Nasi isihluthulelo sokuqonda ukuthi ukufa kuyini, nokuthi uNkulunkulu uhlose ukwenzani ukuze asisindise ekwahlukaneni naYe kwaphakade.



41

IBhayibheli lithi umuntu uyobuyela othulini ayekade ethathwe kulo.
Qaphela ukuthi uNkulunkulu wamdala kanjani uAdamu:




42

Genesise 2:7
UJehova uNkulunkulu wambumba umuntu ngomhlabathi,




43

waphefumulela emakhaleni akhe umoya wokuphila, umuntu waba kanjalo umphefumulo ophilayo. Genesise 2:7.

13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



44

UNkulunkulu wathatha umhlabathi wabumba umzimba womuntu ngawo.
Eseqedile ukubumba umzimba womuntu, wayebhekene nesidumbu esingaphili.
Kwafuneka kube khona akwenzayo ukuze umuntu aphile.
IBhayibheli lithi uNkulunkulu waphefumulela emakhaleni omuntu umoya wokuphila - umuntu waba umphefumulo ophilayo.




45

(Video: 3 seconds) Singabhala ngalendlela yezibalo:
Umzimba
+ Umoya
= Umphefumulo ophilayo




46

Ukufa kona singakubhala kanje:
Umuntu ophilayo
- Umphefumulo
= Isidumbu.




47

Yasho kanjena indoda ehlakaniphile encwadini yoMshumayeli: Uthuli lubuyele emhlabathini, njengokuba lwalunjalo, umoya ubuyele kuNkulunkulu owawunikayo.
UMshumayeli 12:7



48

Yinto efanayo lena naleyo eshiwo yincwadi kaJobe, okuyincwadi yokuqala ukubhalwa eBhayibhelini.
Maqondana nokufa ithi




49

Jobe 27:Kusekhona ukuphefumula kimi, nomoya kaNkulunkulu usemakhaleni ami.
Jobe 27:3
Qaphela ukuthi iBhayibheli lithi: Kusekhona ukuphefumula kimi, nomoya kaNkulunkulu usemakhaleni ami.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?


50

Yilokho okwafakwa uNkulunkulu emakhaleni omuntu mhla emdala.




51

IHubo 146:3, 4
Ake siyibuke ngenye indlela lendimana:
Ningethembi ezikhulwini nasendodaneni yomuntu okungekho kuyo ukusiza.




52

Umoya wakhe uyaphuma, yena abuyele emhlabathini wakhe; ngalona lolosuku amacebo akhe ayaphela.
IHubo 146:3, 4



53

Inkosi uDavide ukhuluma iqiniso ngokufa uma ethi umphefumulo wehlukana nomzimba ubuyele emhlabathini. Umuntu uyafa.




54

Umshumayeli 9:5, 6
Lokhu kuzwana nokwashiwo nguSolomoni ukuthi:
Ngokuba abaphilayo bayazi ukuthi bayakufa, kepha abafileyo abazi lutho, futhi abasenawo umvuzo,



55

ngokuba ukukhunjulwa kwabo sekukhohlakele.



56

Uthando lwabo, nokuzonda kwabo, nomhawu wabo sekuphelile...
UMshumayeli 9:5, 6

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?




57

(Video: 5 sec) Akazi lutho!
Lutho!
CHA! Lutho!
Lokhu kuhambisana nokwabhalwa umhlabeleli ukuthi abafileyo abekho ezulwini bedumisa uNkulunkulu. Pho, baphi?



58

IHubo 115:17
UDavide ukwenza kube sobala bha! Abafileyo abamdumisi uJehova, qha, noyedwa kwabehlelayo ekuthuleni.
IHubo 115:17



59

Jobe 14:10, 12, 13
Kepha umuntu ofileyo uphelile; umuntu ogqabukileyo uphi na?...



60

Kanjalo umuntu ulala phansi, angabe esavuka; lize lingabikho izulu abayikuvuka,



61

bangaphaphanyiswa ebuthongweni babo.



62

Sengathi ungangifihla endaweni yabafileyo, ungisithe kuze kudlule intukuthelo yaKho



63

unginqumele isikhathi, ungikhumbule.
Jobe 14:10, 12, 13.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?





64

**Nakho-ke, sikuthola ezwini likaNkulunkulu uqobo ukuthi umuntu uyafa, alale phansi ethuneni, angavuki kuze kube usuku lovuko.**
**Qaphela indlela okuchazwa ngayo:**





65

**Jobe 14, 14, 15**
**Uma umuntu efa, uyakubuye aphile na?**
**Bengiyakulinda zonke izinsuku zomshikashika wami, kuze kufike ukumuka kwami.**




66

**Ubuyakubiza, mina ngiphendule...**
**Jobe 14:14, 15**




67

**Jobe 17:13.**
**Qaphela ukuthi uJobe uthi: Uma ngilinda, ingcwaba liyindlu yami. Ucansi lwami ngilwendlale ebumnyameni.**
**Jobe 17:13.**




68

**Qaphela futhi ukuthi uJobe wasebenzisa igama elithi ubuthongo, uma ekhuluma ngokufa.**
**Basho njalo nabanye ababhali beBhayibheli.**




69

**IHubo 13:3**
**UDavide wathi: Bheka neno, ungiphendule, Jehova Nkulunkulu wami; khanyisa amehlo ami, ngize ngingalali ubuthongo bokufa.**
**IHubo 13:3**
**UDavide wayesaba ukulala ubuthongo bokufa.**
**Wayefuna ukuphila!**




70

**Daniyeli 12:2**
**UDaniyeli ukhuluma ngabafileyo abayovuswa uthi: Abaningi abalele emhlabathini wothuli bayakuvuka, abanye, bavukele ukuphila okuphakade, abanye ihlazo nokunengwa okuphakade.**
**Daniyeli 12:2**

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?


71

**Elinye lamaqiniso aduduzayo ezwini likaNkulunkulu ukuthi uma umuntu efa, uphumula ngokuthula, engaphazanyiswa yizinkathazo zokuphila, kuze kuzwakale ubizo loMniki-kuphila.**
**Akumangalisi ukuthi iBhayibheli lifanisa ukufa nobuthongo.**


72

**Umprofethi uNathane watshela uDavide okuyokwenzeka kuyena uma esefikelwe yisikhathi sokufa.**



73

**2 Samuweli 7:12**
**Uma izinsuku zakho seziphelile...uyakulala koyihlo.**
**2 Samuweli 7:12**


74

**UJesu uqobo wakubiza ngobuthongo ukufa. Wasebenzisa lelozwi esho ukufa komngane waKhe uLazaro.**
**Ake sibukisise indlela uJesu nababesondelene naYe ababekhuluma ngayo ngokufa.**
**Kwakukhona ikhaya eBethani lapho uJesu wayevame ukuvakashela khona - ikhaya likaLazaru, noMariya noMarta.**



75

**Johane 11:5.**
**IBhayibheli lithi: uJesu wayebathanda oMarta nodadewabo noLazaru. Johane 11:5.**


76

**Ngelinye ilanga uJesu nabafundi baKhe bengasemfuleni iJordani, wathola umyalezo ophuthumayo uvela kubangane baKhe abathathu eBethani, ukuthi uLazaru ugula kabi, kodwa uJesu wahlala lapho ayekhona ezinye izinsuku ezimbili.**



77

**Johane 11:11, 12, 14, 15**
**UJesu wase ethi: ULazaru umhlobo wethu ulele, kepha ngiyahamba ukuba ngimvuse ebuthongweni.**

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?





78

Abafundi bajabula, bathi: Nkosi, uma elele, uyakusinda.



79

Ngakho-ke uJesu wathi kubo ngokuchachileyo: ULazaru ufile.



80

Ngiyathokoza ngenxa yenu ukuthi bengingekho, ukuze nikholwe; kepha asiye kuye.
Johane 11:11 - 15


81

Bahamba baya eBethani lapho umndeni kaLazaru wawuhlala khona.
Bathe beqhamuka emzini, uMarta weza egijima ukumhlangabeza.



82

Uthe ehlangana noJesu wathi: Nkosi uma ubukhona, umnwethu nga engafanga.
Johane 11:21
Ngaphandle kokungabaza, wayeqinisile lapho!
Kodwa uJesu wayenesu.



83

Wathi: Umnewenu uzakuvuka.
Qaphela kahle impendulo kaMarta:



84

Ngiyazi ukuthi uyakuvuka ekuvukeni ngosuku lokugcina.
Johane 11:23 - 24.
UMarta wanika uJesu isiqiniseko sokuthi ulindele ukubona uLazaru ovukweni ekupheleni komhlaba.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



85

Kepha uJesu wayesezokwenza isibonakaliso lungakafiki novuko lolo.



86

Johane 11:25.
UJesu wavele wathi:  Mina ngngukuvuka nokuphila; okholwa Yimi, noma efa, wophila.
Johane 11:25.



87

UJohane uthi kwathi lapho uJesu efika ethuneni likaLazaru,



88

wakhala izinyembezi!
Wayengakhaleli umngane waKhe uLazaru.
Wayazi ukuthi uzomvusa.


89

Wayekhaliswa usizi lomndeni nezihlobo, kanye nabo bonke abantu ezizukulwaneni, abayokuzwa usizi ngenxa yokufelwa, badabuke .


90

UJesu wanxusa ukuba itshe elivale ithuna li


91

suswe.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



92


**Johane 11:39.**
**Wakhathazeka ngalesicelo uMarta, wenqaba wathi: Nkosi, useyanuka ngoba sekuphele izinsuku ezine efile.**
**Johane 11:39.**
**Yebo, uJesu wephuza ukuya eBethani kwaphela izinsuku ezine. Lokwephuza kwakuzosusa konke ukungabaza ngokuthi ufile uLazaru.**


93

**Lasuswa itshe, uJesu wamemeza ngezwi elikhulu wathi: LAZARU, PHUMA!**


94

**Kwaba kuhle uJesu ambize ngegama uLazaru; uma kwakungenjalo, onke amangcwaba emhlabeni ayezovuleka!**


95

**Yeka lolosuku kubangane baKhe eBethani!**
**Yeka lokho kujabula nentokozo!**
**Zihlobo, kwakulusuku lwenjabulo lolo eBethani,**


96

**kodwa kwakungokuncane-nje kwaleyo nkazimulo nenjabulo eyokwenzeka mhla uJesu ebuya futhi, kuvuleka wonke amangcwaba abangane baKhe abamamukele njengoMsindisi wabo, bevuka bemhlangabeza emoyeni!**
**Yiso lesi isigijimi senduduzo umpostoli uPawulu abelana ngaso namaKristu okuqala:**



97

**1 KwabaseThesalonika 4:13, 16**
**Kepha asithandi, bazalwane, ukuba ningabi nakwazi ngalalayo**

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



98

ukuze ningadabuki njengabanye abangenalo ithemba.
1 KwabaseThesalonika 4:13.
UPawulu usitshela okuyokwenziwa uJesu ekubuyeni kwakhe:




99

Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbo lengelosi enkulu,



100

nangecilongo likaNkulunkulu, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala.
1 KwabaseThesalonika 4:16.


101

Kodwa uPawulu uchaza ngokugcwele izigameko eziyokwenzeka ekubuyeni kukaJesu:



102

1 KwabaseKorinte 15:51 - 55
Bhekani, ngiyanitshela imfihlakalo; asiyikulala sonke, kepha siyakuguqulwa sonke -



103

ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, ngecilongo lokugcina;



104


Ngokuba icilongo liyakukhala, abafileyo bavuswe bengenakubola, thina siguqulwe.
1 KwabaseKorinte 15:51, 52.
UPawulul uphinde asitshele ukuthi siyoguqulwa kanjani:



105

Ngokuba lokhu okubolayo kumelwe ukwembatha ukungaboli, nalokhu okufayo kumelwe ukwembatha ukungafi.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?




106

Kepha nxa lokhu okubolayo sekwembethe ukungaboli, nalokhu okufayo sekwembethe ukungafi,



107

kuzakugcwaliseka izwi elilotshiweyo lokuthi:  Ukufa kugingiwe kwaba ngukunqoba.



108

...Kufa, kuphi ukunqoba kwakho na?
1 KwabaseKorinte 15:53 - 55.



109

UJesu wayebatshelile abafundi baKhe ukuthi bonke abantu bayovuswa emangcwabeni




110

Johane 5:28, 29
Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza, lapho bonke abasemathuneni beyakulizwa izwi layo



111

abenze ukulunga baphumele ekuvukeni kokuphila,



112

abenze okubi ekuvukeni kokulahlwa.
Johane 5:28, 29.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



113

Ake ucabange umzuzwana: Uma abantu beya ezulwini noma esihogweni ekufeni kwabo, siphi isidingo sovuko kwabalungile noma ababi na?
Kwakuzodingeka ngani ukuthi uJesu akhulume lamazwi uma eza okwesibili na?



114

Isambulo 22:12
Bheka ngiyeza masinyane, nomvuzo waMi unami ukumnika yilowo nalowo njengokomsebenzi wakhe.
Isambulo 22:12


115

Kusobala!
Uma abantu befa, balele, baphumule ekukhandlekeni kwabo kuze kubuye uJesu.


116

Ubuyelani na?
Ubuyela ukuvusa bonke abamukela umhlatshelo waKhe ngenxa yezono zabo, ahlangane nabo.
Futhi ubuyela ukuzokwamukela abalandeli baKhe abathembekile ngaleso sikhathi.
Ake ulalele lezindaba ezimnandi!



117

1 Thesalonika 4:17
Khona thina esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo emafwini, sihlangabeze iNkosi emoyeni.



118

Kanjalo-ke siyakuba nayo iNkosi njalo.
1 KwabaseThesalonika 4:17.


119

Sesibonile ukuthi bonke abasindisiwe bayokuba nemizimba yenkazimulo efana nokaJesu, baphiwe ukungafi (ukuphila okuphakade) ukuze babe neNkosi kuze kube phakade.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?


120

Omunye angabuza athi:  Pho-ke, isela elalisesiphambanweni lona?


121

Ake sibone ukuthi iBhayibheli lifundisani ngempela mayelana nalelosela, nesithembiso uJesu alinika sona. UJesu wabethelwa ephahlwe yizelelesi ezimbili ukuze labo abambethelayo bambale kanye nezelelesi.


122

Incwadi kaMarko ithi ekuqaleni zombili izelelesi zamchukuluza uJesu, zathi uma ngempela enamandla, makazisindise, asindise kanye nabo.
Kodwa esinye iselelesi sabuye saguquka, sacela ukusindiswa.



123

Sathi:  Jesu, ngikhumbule, nxa usufike embusweni waKho.




124

Wathi kuso:  Ngiqinisile ngithi kuwe namuhla, uzakuba naMi eParadisi.  Luka 23:42, 43.


125

Ake sibheke leso sithembiso futhi.  Yebo, mngane! Namuhla, khona manje, nawe ungaba naso leso siqiniseko.
KuKristu kukhona ukuqiniseka.


126

Yize noma uKristu wayezokufa ngalolosuku, alale ethuneni kuze kube yiSonto ekuseni, uJesu wenza isiqiniseko sokuphunyuka engcwabeni.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



127

**Luka 23:43**
**(Video: 5 sec) Yeka leso siqiniseko esimangalisayo kuleloso selelesi esasibhekene nokufa! Lapho kwakungekho ithemba ngaso.**
**Lapho iselelesi sasibona ubumnyama obethusayo kuphela, uJesu wasethembisa ithemba elifinyelela ngaphesheya kwengcwaba.**
**UJesu wethembisa leso selelesi ngaleso sikhathi ukuthi: Namuhla, ngiyakutshela, noma : Ngiyakutshela khona manje: uzakuba naMi eParadisi.**



128

**Abanye bacabanga ukuthi uJesu wayethembisa isela ukuthi liyokuya ngalolosuku eparadisi. Kodwa uJesu ngokwaKhe akazange enyukele eParadisi ekufeni kwaKhe.**


129

**IBhayibheli lisitshela ukuthi wafa ngalelo langa, ulwesiHlanu, wangcwatshwa ethuneni elitshelekiwe.**


130

**NgeSonto ekuseni, uJesu wabonakala kuMariya owayefuna ukumkhonza, kodwa wamnqabela ngoba wayengakenyukeli ezulwini.**
**Lalela ukuthi uthini:**



131

**Johane 20:17**
**...Angikenyukeli kuBaba...**
**Kwase kuyiSonto ekuseni, kodwa uthi akakenyukeli kuYise! Johane 20:17.**
**Kwakungenzeke ukuthi uJesu wayeseye eParadisi ngolwesiHlanu!**


132

**IBhayibheli lisitshela ukuthi neselelesi sasingekho eParadisi ngolwesiHlanu.**

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?



133

Johane 19:31 - 33
Khona abaJuda, ngokuba kwakungolokulungisela, ukuze izidumbu zingahlali esiphambanweni ngeSabatha,



134

(ngokuba lolosuku lweSabatha lwalulukhulu) banxusa uPilatu ukuba yaphulwe imilenze yabo, basuswe. Johane 19:31.



135

Ayeseza-ke amabutho, ayaphula imilenze yowokuqala neyomunye owayebethelwe naYe.



136

Esefika kuJesu, ebona ukuthi usefile, kawayaphulanga imilenze yaKhe.  Johane 19:31 - 33.


137

Lapha sibona bephula imilenze yamasela womabili ukuze angabaleki,


138

kodwa abayiphulanga imilenze kaJesu ngoba wayesefile ngolwesiHlanu.
Kanjalo, uJesu kanye nesela, babengekho eParadisi ngolwesiHlanu.


139

UJesu wakhokha inhlawulo yokusindiswa kwethu nokubuyiselwa kwethu.

# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?


140

**Okuyisona sipho esikhulu kunazo zonke uNkulunkulu angasipha abantu, ukuphila kwaphakade, ukunqoba ukufa!**
**Zonke ezinye izipho azisho lutho ngaphandle kwalesi!**
**Ungasithola ngokusicela!**


141

**Isinqumo sakho yisona esikhulu kunazo zonke owake wazenza; ukuphila kwakho kwaphakade kwencike kusona!**


142

**Lesi sipho esingenakulinganiswa sokuphila okuphakade sithenjiswe kubo bonke abamukela uKristu njengoMsindisi wabo neNkosi yabo.**
**Intengo yalokhu? Kuphela-nje, inhliziyo ezinikelayo.**
**Inhliziyo ehlanziwe, yaguqulwa.**
**Inhliziyo eziphakamisile futhi eyigovu, yenziwe ibe yintsha esiphambanweni.**
**UKristu wakufeza konke eKalvari.**
**Kwakusaseleni angayenzanga na?**


143

**Kanti ukuphila kwaphakade ungakuthola uma ukufuna ngeqiniso.**


144

**Ngoba uyaphila Yena, sinethemba lenkazimulo - elifinyelela ngapesheya kwengcwaba!**


145

**Ngobunye ubusuku kwakubanjwe izimvuselelo edolobheni elincane eMelika. Insizwa yaphambukela khona, idabukile.**


# 13 - Kwenzekani Ekufeni Komuntu na?


146

**Indawo yokuhlanganela yayiseduze namagcwaba. Ingakangeni emhlanganweni, lensizwa yahamba kancane idabula emangcwabeni. Yayizibuza ukuthi ngempela ukuphila kunanjongo yini. Yayilangazelela ukuthethelelwa, ibe nokuthula emoyeni. Isacabanga ngokufa, yayifuna ngaphezu kwezinto zonke ukuqiniseka ngokuphila kwaphakade.**


147

**Isihloko sesifundo seBhayibheli ngalobo busuku sasithi: Ithemba Elifinyelela Ngaphesheya Kwengcwaba. Lensizwa yahlala ilalele ngokuzimisela okukhulu.**
**Ngabo lobo busuku, yanikela impilo yayo kuKristu. Ngabo lobo busuku yamukela loKristu owayifela, wavuka ekufeni wayinika ukuphila kwaphakade.Ngalobo busuku impilo yayo yonke yaguqulwa yiloKristu ophilayo. Yathola ukuthula emphefumulweni.**
**Ngalobo busuku kwamila ithemba elisha enhliziyweni yayo.**


148

**Ungabanakho lokhu kuthula - lelithemba - lokuqiniseka ngokuphila kwaphakade - ukuphila ngaphesheya kwengcwaba. Uma ufuna lokho kuqiniseka, bewungesukume khona manje uma sithandaza?**

# 14 - Amazwi Avela Ngapheshya Kwengcwaba



1

**Bangakhuluma Yini Abafileyo Nabaphilayo?**


2

**Uma abantu befa, ngabe bayabuya yini sebeyimimoya bavakashele abaphilayo?**
**Imimoya yabafileyo iyakwazi yini ukubuya izokhuluma nabaphilayo?**
**Ekufeni, ngabe kufa umzimba kuphela umoya ube uqhubeka uphila?**


3

**Baqinisile yini ababhulayo, abalozi, izanusi, nabalumbi uma bethi bangasixhumanisa nemiphefumulo yezihlobo zethu esezafa na?**


4

**Futhi, imimoya yabafileyo ingangena yini kwabaphilayo, isebenzise imizimba yabo, amazwi abo, izingqondo zabo ukukhuluma nokwenza izinto?**


5

**Lokhu esikhuluma ngakho manje enye yezinto ezimqoka umuntu angase ahlangane nazo.**


6

**Ibaluleke kangangoba singasho sithi udaba lokufa nokuphila.**
**Ukusindiswa kwethu kwaphakade kusengcupheni.**
**Kanjalo sidinga ukuqiniseka ngalokhu.**
**Singazi kanjani ngaphandle kokungabaza ukuthi lokho esihlangana nakho okwangempela noma yinto yamanga neyingozi?**



7


**Impendulo: eBhayibhelini uJesu usinika iqiniso!**

14 - Amazwi Avela Ngapheshya Kwengcwaba


# 14 - Amazwi Avela Ngapheshеya Kwengcwaba


8

**UJesu umhlobo wethu.**
**Uyakwazi esikuzwayo uma silahlekelwa othandekayo wethu esigodini sokufa.**
**Uyathinteka ngosizi lwethu. Wadlula lapho naYe.**
**Kanjalo, sizophendukela kuJesu ukuthola ukuthi wathini ngokufa, ngokuvuka nangokuphila kwaphakade.**
**Uma uJesu esho okuthile, ngizokukholwa.**
**Ayikho enye ingxoxo. Singavumelana ngalokho?**


9

**Uyambonga uNkulunkulu ngoJesu?**
**Uyezwelana nosizi lwethu.**



10

**Johane 11:35**
**Emgcwabeni womngane waKhe, uJesu wakhala.**
**Johane 11:35.**
**Wadlula khona esigodini sethunzi lokufa naYe uqobo.**



11

**Isambulo 1:17, 18**
**...Ungesabi; mina ngingowokuqala nowokugcina.**



12

**nophilayo; ngangifile, bheka, sengingophilayo kuze kube phakade naphakade. Amen.**



13

**Futhi nginezihluthulelo zokufa neHayidese.**
**Isambulo 1:17, 18.**
**Ngaphezu kwalokho, uJesu ungumniki wokuphila.**
**Weza ukuze sibe nokuphila okuchichimayo nokusha, manje.**

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba



14

Johane 10:10

Ngize ukuze babe nokuphila, babe nakho kuchichime.
Johane 10:10
Wethembisa ukuphila okusha ngokuphelele.



15

Johane 11:25
UJesu wathi kuye: Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa Yimi, noma efa, wophila.
Johane 11:25
UJesu unguchwepheshe empilweni.
Wazi ngokuphila ukwedlula noma ubani kuyo yonke indalo ngoba uYena owadala ukuphila kulomhlaba.



16

Johane 1:1, 3
Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.



17

Konke kwavela ngaye; ngaphandle kwaKhe akuvelanga lutho kukho konke okuvelileyo.
Johane 1:1, 3.



18

KwabaseKolose 1:16.
Ngokuba kwadelelwa kuyo konke...
Konke kwadalwa ngayo, kwadalelwa yona.
KwabaseKolose 1:16.


19

Kubalulekile ukuthi ngalesikhathi sike sibukeze esesikufundile kuze kube manje kulezimvuselelo. UJesu wakucacisa ukuthi ukufa akusikho ukuphila, akusikho futhi ukuqhubeka kwempilo ngaphansi kwesinye isimo.

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba



20

Ekhuluma ngomhlobo waKhe owayeshonile, uJesu wathi:  ULazaru umhlobo wethu ulele.
Johane 11:11.
Wayekhuluma ngomuntu ofile.
Qaphela ukuthi uJesu ukuchaza kanjani ukufa: Ukulala.  Ukulala yikhona kuqhathaniswa kokufa okusondele kunakho konke okuseBhayibhelini.



21

Hleze abafundi baKhe badideke, uJesu washo ngokusobala ukuthi:  ULazaru ufile.
Johane 11:14.
ULazaru wayengaphili kwenye indawo ekwesinye isimo.


22

Wayefile, isidumbu sakhe sasisethuneni.  UJesu wafundisa ngokusobala ukuthi akukho ukuphila ekufeni, kuze kube usuku lovuko, futhi wakucacisa ukuthi uvuko luseza.



23

Johane 6:40
Ngokuba lokhu kuyintando kaBaba ukuba yilowo nalowo obona iNdodana, akholwe yiyo,



24

abe nokuphila okuphakade; ngiyakumvusa mina ngomuhla wokuphela.
Johane 6:40.


25

Izinhliziyo zethu zithintekile uma sizwa ngokuza kukaJesu kwesibili.
Inhloso yaKhe isobala, futhi ikhanyisa kahle udaba lokuphila nokufa.
Ubuyelani na?



26

Johane 14:1 - 3
Inhliziyo yenu mayingakhathazeki;  Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe naYimi.

# 14 - Amazwi Avela Ngapheshiya Kwengcwaba



27

Ekhaya likaBaba kukhona izindlu ezininingi; uma bekungenjalo, bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo.



28

Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele Kimi;



29

ukuba lapho ngikhona nibe khona nani.
Johane 14:1 - 3



30

UJesu wasichaza ngokwaKhe lesigameko esibalulekile.



31

Mathewu 24:30, 31
Khona kuyakubonakala ezulwini isibonakaliso seNdodana yoMuntu, bese zikhala izizwe zonke zomhlaba,




32

zibone iNdodana yoMuntu iza emafwini ezulu, inamandla nenkazimulo enkulu.



33

Iyakuthuma izingelosi zaYo ngokukhala okukhulu kwecilongo, ziqoqe abakhethiweyo baYo emimoyeni yomine,



34

kusukela emkhawulweni omunye wezulu kuze kube komunye.
Mathewu 24:30, 31

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba


35

Lidingeke ngani icilongo?  Zidingeke ngani izingelosi?


36

Ukuvusa abakhethiweyo ebuthongweni bokufa nokubaqoqa ukuze bayiswe ezulwini - indawo uJesu ayilungisele labo abamthandayo.
Ukubuya kweNkosi kuchazwe ngokujula okungangabazeki:



37

1 KwabaseThesalonika 4:13 - 18
Kepha asithandi, bazalwane, ukuba ningabi nakwazi ngabalalayo,



38

ukuze ningadabuki njengabanye abangenalo ithemba.



39

Ngokuba uma sikholwa ukuthi uJesu wafa, wavuka, ngokunjalo-ke uNkulunkulu uyakubaletha nabaleleyo kuJesu kanye Naye.



40

Ngokuba lokho sikusho kini ngezwi leNkosi ukuthi thina, esisekhona sisasele



41

kuze kube sekufikeni kweNkosi, asiyikubandulela nempela abaleleyo.



42

Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbo lengelosi enkulu



43

nangecilongo likaNkulunkulu, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala.



44

Khona thina, esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo emafwini, sihlangabeze iNkosi emoyeni;



45

Kanjalo-ke siyakuba naYo iNkosi njalo.




46

Ngakho-ke duduzanani ngalawo mazwi.
1 KwabaseThesalonika 4:13 - 18



47

Siza uqaphele amaqiniso amathathu abekiwe lapha:



48

1. Lokhu kuyizwi leNkosi uqobo. Yilokho uJesu ngokwaKhe ayekufundisa, ngakhoke kuyasenelisa thina.



49

2. Lawo maKristu ayobe esaphila ekufikeni kukaJesu, ayohlwithelwa emafwini kanye nalawo ayovuswa ekufeni ekubuyeni kwaKhe. Abaphilayo ngeke bandulele labo abalala kuJesu, kanti futhi ngeke nabo abafileyo bayongena ezulwini ngabanye ngabanye.



50

**3. Ukulala, yigama elasetshenziswa uJesu noPawulu ukuchaza ukufa ngaphambi kovuko: Abaleleyo kuJesu.**
**UJesu usho ngokusobala ukuthi ofileyo akezwa lutho. Ukuzwa kungumsebenzi wengqondo, kanti ekufeni kuyanqamuka ukusebenza kwengqondo .**

---



51

**Umshumayeli 9:5**
**IBhayibheli lukwenza kube sobala lokhu: Ngokuba abaphilayo bayazi ukuthi bayakufa, kepha abafileyo abazi lutho...**
**Umshumayeli 9:5**

---



52

**Bazini abafileyo na? Lutho.**
**Kanjalo-ke, yinto engenakwenzeka ukuthi abafileyo bakhulume nabaphilayo.**
**Uvelaphi lomqondo wokuthi umuntu uyaqhubeka ephila noma esefile na?**

---



53

**Jobe 7:9, 10**
**IBhayibheli lifundisa ukuthi umuntu akazi lutho uma esefile, uJobe wakusho kahle lokhu: Ifu liphela lihamba; kanjalo owehlele endaweni yabafileyo akasayikukhuphuka. Jobe 7:9**


---



54


**Kasayikubuyela endlini yakhe; indawo yakhe ayisayikumazi. Jobe 7:10**

---


55

**Lomqondo uvela kuSathane uqobo.**
**Ensimini yase Edene, wakhohlisa uEva wenza ukuthi yena nomyeni wakhe, balahlekelwe yikhaya labo laseEdene, kungene nokufa emhlabeni.**
**USathane wasebenza njengomlozi ekhuluma ngenyoka ukukhohlisa uEva. Ungumkhohlisi omkhulu.**

---



56

**Genesise 3:4.**
**Wakholwa amanga kaSathane athi:... Aniyi kufa nakufa.**
**Genesise 3:4.**

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba



57

Lamanga ayephikisana mathupha neqiniso likaNkulunkulu elithi: ...Uyakufa nokufa. Genesise 2:17.
Nanku-ke umbuzo: Sizokholwa bani na?



58

Umlozi uthi (lento ishiwo abalozi abaningi nabakholelwa emimoyeni emhlabeni wonke):
Yinto engenzeka ukuthi sikhulume nezihlobo zethu esezafa.
Kunjalo ngempela? Kungenzeka? Ngeke!


59

Ngokwemfundiso kaJesu sazi kahle kamhlophe ukuthi abaphilayo abakwazi ukuxhumana nabafileyo. Ngani na? Abafileyo abazi luthi!
Balele ubuthongo bokufa.
Ungabuza, mhlawumbe ngokwesaba ukuthi ngabe wena unakho yini ukuxhumana nemimoya-




60

Uma abafileyo bengazi lutho, pho-ke obani “lemimoya” exhumana nabaphilayo?


61

IBhayibheli lisho ngokusobala ukuthi bangobani.



62

Isambulo 16:13, 14
Ngabona kuphuma emlonyeni kadrako...omoya abathathu abangcolileyo befana nezingxangxa, [uSathane],



63

nasemlonyeni wesilo, nasemlonyeni womprofethi wamanga.

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba



64

Ngokuba bangomoya bamademoni [izingelosi ezawa], benza izibonakaliso, abaphuma beya emakhosini ezwe lonke



65

ukubahlanganisela ekulweni kosuku olukhulu lukaNkulunkulu uMninimandla onke.
Isambulo 16:13, 14


66

IBhayibheli liphinde liveze nokuthi bavelaphi:



67

Isambulo 12:7 - 9
Kwase kuba khona ukulwa ezulwini; uMikayeli nezingelosi zakhe balwa nodrako. Nodrako walwa enezingelosi zakhe,



68

Kepha kabaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunyanwa ezulwini.



69

Wayesephonswa phansi udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke,



70

waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye.
Isambulo 12:7 - 9

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba


71

**Bayizingelosi eziwile!  Zihlobo, qaphelani!**
**Into eyingozi kabi ukudlalela ekuxhumaneni nemimoya.**
**Injongo yayo inye, mangiphinde, injongo yemimoya inye, ukukhohlisa wena ukuze ugudluke kuJesu, ulahlekelwe ukusindiswa okungunaphakade.**


72

**Yinto efanele ikubangele ukusiphuka kwezinwele, nokuqhaqhazela komzimba, uzidedise kulemimoya. Uma ukholwa ukuthi abafileyo bayaphila, usengozini yokukhohliseka, ulahleke ngoba kusekuncane lokho osakubonile!**


73

**UNkulunkulu, ezwini laKhe, ukudicilela phansi ukuxhumana nemimoya, futhi akabavumeli abantu ukuba baxhumane nabafileyo.**
**Qaphela isixwayiso uNkulunkulu asinika abantu baKhe maqondana nokuya kulabo abazama ukukhuluma nemimoya yamadlozi:**




74

**Levitikusi 19:31**
**Levitikusi 19:31:  Ningaphendukeli kwabanamadlozi nakubathakathi, ningabafuni ukuba ningcoliswe yibo;**



75

**NginguJehova uNkulunkulu wenu.**



76

**Duteronomi 18:10 - 12**
**Ngaphambi kokuba abakwaIsrayeli bangene eKhanana, bayalwa kahle ngokuthi:  Makungafunyanwa kuwe...umlumbi,**



77

**noma owenza iziphonso, noma obhula emadlozini, noma umthakathi, noma umlozikazana.**

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba



78

Ngokuba yilowo nalowo ozenza lezizinto uyisinengiso kuJehova...Duteronomi 18:10 - 12.
UNkulunkulul uyazi ukuthi abantu abahamba kubalumbi bazolahlekisa abantu baKhe, ngakhoke wabatshela ukuthi:



79

Eksodusi 22:18
Ungavumi ukuba umlumbikazi aphile.
Eksodusi 22:18


80

Okwenzeka enkosini uSawule mhla eya konedlozi, kutshengisa ubuwula bokuzama ukukhuluma nabafileyo.



81

1 IziKronike 10:13
Wafa kanjalo-ke uSawule ngesiphambeko sakhe aphambuka ngaso kuJehova...



82

nangokuba kade eyile ukubhula konedlozi ukuba abuze kuye.  1 IziKronike 10:13.


83

USathane uqobo uyozama ukuzenza uJesu ngokwakhe.



84

2 KwabaseKorinte 11:14.
Akumangalisi, ngokuba uSathane uqobo uziguqula ingelosi yokukhanya.
2 KwabaseKorinte 11:14.

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba


85

Wake wamangala ukuthi kungenzeka kanjani ukuthi umuntu akhulume nomunye ofana, okhuluma, futhi owenza izinto njengothile ayemazi kodwa osewafa? IBhayibheli lithi kungenxa yokuba uSathane nezingelosi zakhe, bayalingisa.


86

Bangalingisa noma yimuphi umuntu owake waphila emhlabeni.
Kuyashaqisa ukuthi abantu abalungile bangakhohliseka ngalendlela, badonseleke esihibeni sikaSathane becabanga ukuthi baduduzana nesihlobo esesashona!


87

ImiBhalo isembulela okunye okungaphezu kwalokhu: uSathane uyozama ukuzenza uJesu.
Cabanga ukuthi bangakanani abantu abayokhohliseka ngenxa yokuthi bengalazi iqiniso lokubuya kukaJesu! Akufanele kusimangalise ukuthi uJesu wakhipha isixwayiso esifana nalesi ngaloludaba!



88

Mathewu 24:4, 5
UJesu waphendula wathi kubo:  Qaphelani ningadukiswa muntu.



89

Ngokuba kuyakuza abaningi ngegama laMi, bathi: mina nginguKristu, badukise abaningi.
Mathewu 24:4, 5
Loludaba lushube kangangoba


90

uJesu wasiphinda lesixwayiso entshumayelweni eyodwa:



91

Mathewu 24:23 - 25
Khona uma umuntu ethi kini:  Bhekani, nangu uKristu, noma:  Nanguya, ningakholwa.

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba



92

Ngokuba kuyakuvela okristu bamanga nabaprofethi bamanga, baveze izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso, ukuze kudukiswe



93

nabakhethiweyo, uma kungenzeka.




94

Bhekani, senginitshelile ngaphambili.
Mathewu 24:23 - 25




95

Mhlawumbe omunye angathi:  Sengike ngabona owashonayo, ephila.



96

Omunye angagcizelela athi:  Sengike ngakhuluma nomyeni wami owashonayo.



97

Omunye futhi angathi:  ngashonelwa yindodana yami ekuhlaseleni kwabashokobezi, kodwa ngiyakwazi ukubonana nayo sikhulume, kantu futhi iyinduduzo enkulu kimina.
Wathini uJesu?
Wathi abafileyo balele - nokuthi "imimoya" IZOKHOHLISA nabakhethiweyo uma kungenzeka.
Izigidi zizokhohliseka.
Ngani na?  Ngoba abantu bethembela emizweni yabo ngaphezu kwezwi likaNkulunkulu.


98

Kungani abakhethiweyo bengeke bakhohliseke na?
Ngoba bakholwa kuJesu.
Bethemba izwi eliqinisekile likaNkulunkulu esikhundleni semizwa.

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba




99

Nansi ingqikithi:




100

Sizokwamukela iqiniso likaNkulunkulu na?



101

noma sizokholwa amanga kaSathane?


102

Yilabo kuphela abahlomise izingqondo zabo ngamazwi eBhayibheli abayokwazi ukumelana nenkohliso enkulu eseyiqalile ukugcwalisa umhlaba.
Sidinga ukuzazi lezizinto, sizikholwe ngokuzimisela, singavumeli amava athile, imizwa noma "okubonakala sengathi" kusigudluze eqinisweni.


103

Mhlawumbe wake wezwa omunye ethi "ucishe wafa" kwathi odokotela sebememezele ukuthi ufile


104

aphaphame entanta egumbini lesibhedlela phezu kwesidumbu sakhe -


105


noma ethi ubone ukukhanya okukhulu noJesu noma ingelosi imqhweba ukuthi makeze.
Abanye baze bathi babone isihlobo esashonayo, ngaphesheya kokufa.
Yiqiniso lelizwi likaNkulunkulu kuphela elingasisiza ukwembula lamanga, siphephe ekukhohlisekeni.

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba



106

Ukuthi "ngokholwa ngokuzibonela" kulahlekisa ngempela.


107

Singenza isinqumo esiyingozi uma sethembela emizweni yethu, imicabango yethu noma amava ethu, esikhundleni sokwethembela ezwini likaNkulunkulu, iBhayibheli.
Emhlabeni kukhona izinkolelo eziningi zamanga maqondana nokufa.



108


Ake uthathe imfundiso ethi ungaphila okwesibili. Izigidi zikholwa ukuthi uma umuntu efa, uzalwa ngesinye isimo, kodwa akazi ukuthi yisiphi. Kungenzeka azalwe eseyisilwane njengenkomo, igundane, noma inyoka.


109

Noma angabuya esengomunye umuntu, mhlawumbe eseyisicebi, noma inkosi, noma abempofu, noma angezwa ezindlebeni, noma eyimpumputhe, noma elunyonga, noma enesifo esibuhlungu esikhubazayo.



110

Imfundiso yamaHindu ithi kukhona i "Sondo leMpilo" elijikeleza njalo, nokuthi uma umuntu efa, uphinde azalwe - lokhu kwenzeka njalo emhlabeni kunganqamuki.
Abantu abaningi bathathekile ngalokhu, bengayazi ngempela ingqikithi yayo.
Ngokwalenkolo, umuntu akakwazi ukuzikhethela, nokwenza izinqumo.



111

Umgomo walemfundiso akusikho ukuba nempilo, nobuntu, nenjabulo nobungane.
Esikhundleni salezizinto, umuntu kuthiwa usefike eNirvana -




112

Isimo sokuthula nobuze, lapho kungekho ubuntu, nengqondo, nenkumbulo,

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba





113

**abukho 'ubuwena' njengomuntu...akukho ukucabanga nokuthanda nokuzwa nokujabula okuzwayo.**


114


**Ubuwena bumuncwa yindalo njengethonsi lamanzi olwandle, ungazazi nokuthi ungubani.**


115

**Inkolo kaBudha nayo iyafana.**
**Kodwa uBudha wafundisa ukuthi ungehlika kuleli "sondo lempilo" ekupheleni kokuphila - ngamanye amazwi akudingekile ulokhu uzungeza into engapheli, uzalwa kaningi ngezimo ezehlukene, uma umlando wempilo yakho umuhle.**



116

**Iyaqhubeka lemfundiso ithi ngokulawula intando yakhe, umuntu angafinyelela kulesosimo lapho zonke izinkanuko zizophela.**



117

**Uma esefinyelele kulesi simo sengqondo nomzimba, angasuka ekufeni aye ngqo, eNirvana lapho eyohlangana nemvelo afane nechashazi elincane phakathi kwamanye.**



118

**Kulezinkolo zombili kukhona futhi ukuthi ukulunga nobubi yizinto ezilinganayo, eziyohlala zikhona njalo.**



119

**Esiqhingini saseBali, eIndonesia, ungabona lapho ukugida okuthiwa yiBarong Dance.**

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba


120

**IBarong, igqokiswe okufana neqanda elikhulu elibilisiwe, ibhekana namadoda ayisithupha ahlome ngemimese egobile, ebukhali futhi eyingozi. Lamadoda asuke esebenzise isidakamizwa esithile esitholakala kulendawo.**


121

**iBarong iza kubona, bahlehle.**
**Iyantswinininiza, iphenduke, amadoda ayisukele, azame ukuyinquma.**


122

**IBarong ime, iphenduke ibhekane nalamadoda. Amadoda ame. IBarong isondele futhi, ahlehle amadoda. Kuyaphinda-phindwa lokhu kuze kufike ezingeni lapho lamadoda ebonakala sengathi asebanjwe yimimoya. Kuvamile uma sekunjalo, enye ijikijele ummese wayo phakathi kwezibukeli, kulimale abantu.**
**Ngalesikhathi, kufika amanye amadoda kubanjwe lawa ayisithupha alahlwe phansi, athelwe ngamanzi, kube ongaphansi nongaphezulu.**
**Ekugcineni, banikine amakhanda sengathi baphuma embonweni, bahambe baqonde emadlangaleni abo, iBarong nayo izihambele.**
**Kusho ukuthini konke lokhu na? Yisiko lokukhonza lapho amadoda etshengisa khona inkolo yawo.**
**IBarong imele uNkulunkulu, amadoda ayisithupha, amele ububi.**
**Ngokwenkolo yamaHindu, kukhona umzabalazo ongapheli phakathi kokulunga nobubi.**
**Akekho onqobayo. Njalo-nje balwa ngokulinganayo.**



123

**Kwesekwe phezu kwenkolo yokuthi ukuphila kuyazungeza - kuyaziphindaphinda ngokungapheli, umlando awuyindawo.**
**Akekho uNkulunkulu wothando oyophelisa ububi ekugcineni, aveze ukulunga nokuthula emhlabeni.**

# 14 - Amazwi Avela Ngapesheya Kwengcwaba



124

Ngiyabonga ngoJesu, ongukuVuka nokuPhila, awusho wena?
Usilethela ithemba elimangalisayo!
Ububi abuyikubusa njalo.
Umlando awuzungezi; kukhona lapho uyakhona.
Wonke umlando usondelela esikhathini lapho uNkulunkulu ezodala umhlaba omusha, kuhlale abantu abangenasono, izifo, impi, indlala, ukuhlupheka nokufa.



125

Isambulo 21:1 - 4
Ngase ngibona izulu elisha nomhlaba omusha; ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile.



126

Nolwandle alusekho.



127

Ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema elisha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu



128

ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe.



129

Ngase ngizwa izwi elikhulu livela esihlalweni sobukhosi, lithi: Bheka, itabernakele likaNkulunkulu likubantu;



130

uyakuhlala nabo, babe ngabantu baKhe, Yena uNkulunkulu abe nabo.

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba



131

Azesule izinyembezi zonke emhlweni abo; ukufa akusayikuba khona, nokudabuka, nokukhala.



132

Nobuhlungu akusayikuba khona; ngokuba okokuqala kudlulile.
Isambulo 21:1 - 4



133

Ubungemkhethe uJesu manje uzalwe ngokusha?
Kungesikhona ngemuva kokufa, ngoba kuyobe sesidlule isikhathi lapho.
Kungesikhona ngokujikeleza okungapheli okuthatha izigidi zeminyaka.
Mkhethe manje, namuhla!




134

1 Petru 1:3, 4
Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu,




135

owabuye wasizala kabusha ngokwesihawu saKhe esikhulu ukuba sibe nethemba eliphilileyo



136

ngokuvuka kukaJesu Kristu kwabafileyo,



137

sibe nefa elingapheliyo, nelingenasisihla, nelingabuniyo,

# 14 - Amazwi Avela Ngapheseya Kwengcwaba



138

eniligcinelwe ezulwini.
1 Petru 1;3, 4


139

Ungaba nokuphila okungapheli.
Lesi yisiqiniseko uNkulunkulu afuna ukuthi ube naso namuhla.



140

1 Johane 5:11, 12
Yilobu ubufakazi ukuthi uNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade, nalokhukuphila kuseNdodaneni yaKhe.



141

Onayo iNdodana unokuphila; ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila.
1 Johane 5:11, 12.
Sazi kanjani? Singaqiniseka kanjani? Izwi likaNkulunkulu likwenza kube sobala:




142

1 Johane 5:13
Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade



143

nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu..1 Johane 5:13
Umbuzo odinga ukuphendulwa yiwo wonke umuntu nanku: Nginaye yini uJesu?
Ungabanaye ngawo lomzuzu.



144

Isambulo 3:20
Uthi: Bheka, ngimi ngasemnyango [wenhliziyo yakho] ngingqongqotha.

14 - Amazwi Avela Ngapheseya Kwengcwaba

# 14 - Amazwi Avela Ngaphesheya Kwengcwaba




145

**Uma umuntu ezwa izwi laMi avule umnyango,**



146

**ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle naMi. Isambulo 3:20**


147

**Vula-nje umnyango wenhliziyo yakho khona manje, umngenise.**

# 15 - Buyela Ebusheni



1

Indlela Yokuhlala Uphile Kahle


2


Phezu kwegquma elibheke amanzi aluhlaza kamnandi olwandle iMediterranean, kukhona isigodlo sakudala samaPutukezi.
Umbono walapho uyathathekisa.
Ubuhle buyamangalisa.
Kodwa kukhona inkinga eyodwa.
Okuyiyona ndlela kuphela yokufinyelela esiqongweni segquma, ukusebenzisa ubhasikidi omdala womhlanga, oboshelwe entanjeni bese udonswa nguMfundisi osemdala.


3

Ngelinye ilanga isivakashi sasiphuma kulesigodlo sihamba nalowo osebenza ukutshengisa izihambi indawo.
Bathe bengena kubhasikidi sebeqonde phansi ngokudonswa yiloMfundisi, indophi yakhuhleka ematsheni acijile.
Sethuka isivakashi, sabuza: ibuyiselwa kangaki lentambo ngentsha na?


4

Lona osebenza okutshengisa izivakashi wathi: Ungakhathazeki, njalo-nje uma inqamuka, kulapho-ke esiye sixhume entsha.


5

Njengakulendaba, abantu abaningi bazibeka phansi kwesimo esingaqinisekile uma kufikwa empilweni yabo.
Bayalinda kuze kube yisikhathi lapho impilo yabo yehluleka khona, njengentambo, bese ngokutatazela bebamba noma yini ethengiswayo okuthiwa eyempilo.
Uma impilo seyibuthakathaka, akulula njengentambo ukuyilungisa.
Impilo akuyona into yokuqagelwa ngayo.
Ukuzikhethela ukulalela imithetho yemvelo.

# 15 - Buyela Ebusheni


6

Sihlobo, ungakumela yini ukuba nempilo ebuthakathaka na? Abantu bachitha izigidi zezimali ngonyaka kwezokwelashwa. Ukugula yinto edla imali kunazo zonke ezinye emhlabeni.
Phoke, kubiza malini ukuhlala uphile kahle?
Buza umuntu obulawa ngumdlavuza noma oguliswa yingculazi.


7

Buza abazali bengane eguliswa umdlavuza wegazi noma umuntu omdala ogogwe yi-arthritis. Bazokutshela ukuthi ukuphila kahle akunakulinganiswa ngemali - kuyisibusiso abantu abangasinaki, baphaphame lapho sesilahlekile!




8

Kunentengo engakanani ukuhlala uphilile unyaka wonke, noma usuku-nje?
UQueen Elizabeth wokuqala kuthiwa wathi esebhekene nokufa: Nginganikela ngakho konke enginakho, ukuze ngithole umzuzwana wempilo!
Kodwa ngeke ithengwe ngemali.
Kodwa uyazi-nje ukuthi ungavuna iminyaka eminingana nengcono ngokusebenzisa imithetho yempilo ngokuhlakanipha?




9

UDr. Breslow weUniversity of California, eLos Angeles, wenza ucwaningo eminyakeni engu 9.
Wabuza abantu abangu 7 000 imibuzo engu 7 maqondana nemikhuba yempilo, wase ebagcina phansi kweso elibukhali, eqhathanisa labo abalandela imikhuba emihle yempilo nalabo abangayilandeli.



10


Nansi imibuzo eyisikhombisa ayibuza:



11

1. Uyabhema?
2. Uyaphuza, uma uphuza, kangakanani?
3. Ujwayele ukwelula umzimba?

# 15 - Buyela Ebusheni



12

**4. Ulala amahora amangaki ubusuku ngamunye?**
**5. Singakanani isisindo sakho?**
**6. Uyadla nsuku zonke ekuseni?**
**7. Ujwayele yini ukudla phakathi kwezikhathi ezimiselwe ukudla?**
**Labo ababelandele imikhuba emihle yempilo ngokwethembeka maqondana nalemibuzo, baphila isikhathi eside ngangeminyaka engu 11.5 ukwedlula labo abangazange.**


---



13

**Ungakhiphani ukuze kwenezelwe iminyaka engu 11.5 empilweni yakho na?**
**Lokhu okuzwayo njengamanje kulesigijimi kungase kwenezele iminyaka empilweni yakho - iminyaka yenjabulo nempilo.**
**Ucabanga ukuthi kungaba usizo kuwena uma ulalelisisa?**
**Abantu abaningi bayamangala ukuzwa ukuthi uNkulunkulu unendaba nempilo yethu nenjabulo yethu sisekulomhlaba.**

---



14

**3 Johane 2**
**Sithandwa, kunakho konke ngikufisela ukuba ube nenhlanhla nokuphila, njengoba umphefumulo wakho unenhlanhla.**
**3 Johane 2**

---



15

**Johane 10:10**
**UJesu wathi: Ngize ukuba babe nokuphila, babe nakho kuchichime.**
**Johane 10:10**

---


16

**UJesu ufuna ukuba sibe nempilo enhle neyontokozo. Ufuna siphile impilo ngokuphelele!**

# 15 - Buyela Ebusheni


17

**Ikhona yini indlela yokuthola ulwazi ngempilo enhle na? Yebo, ikhona!**
**Abaningi abazi ukuthi eBhayibhelini uNkulunkulu unikeze imithetho ebalulekile maqondana nokuphila kahle.**



18

**Iminyaka eminingi, indlela yokuphila yamaJuda oqobo bekuyinto edonsa amehlo abacwaningi kwezempilo. Ukubulawa umdlavuza kusezingeni eliphansi kakhulu kunokwabanye, kanti futhi sengathi bayamelana nezifo eziningi.**
**Ngabe amaJuda akuthola ngofuzo lokhu kumelana nezifo eziningi ezibulala abanye ?**


19

**Kubalulekile ukuphawula ukuthi uma amaJuda nawo eseqala ukudla njengabanye abantu, izinga lomdlavuza nezinye izifo nakubona lijike lilingane.**
**Kutholakele ukuthi imfihlo isendleleni abaphila ngayo nabadla ngayo.**



20

**Mhla uNkulunkulu ekhipha abakwaIsrayeli eGibhithe, wabakhumbuza ngeminye imithetho ebalulekile mayelana nokuphila kahle.**
**Esebatshelile ngecebo laKhe lokuphila kahle, wanikeza isithembiso esibalulekile kulabo ababezolandela iziyalo zaKhe.**



21

**Eksodusi 15:26**
**Wathi: ...Uma ulalela nokulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho, ukwenze okulungile emehlweni aKhe,**



22

**ulalele imiyalo yaKhe, ugcine izimiso zaKhe zonke,**



23

**angiyikubeka phezu kwakho nasinye salezozifo engizibeke phezu kwabaseGibhithe, ngokuba nginguJehova okuphilisayo.**
**Eksodusi 15;26.**
**Wabuye wathi:**



24

**Eksodusi 23:25**
**Niyakumkhonza uJehova uNkulunkulu wenu, abusise ukudla kwenu namanzi enu.**



25

**Ngiyakususa izifo phakathi kwenu.**
**Eksodusi 23:25.**
**Uyakubona ukubaluleka kwalento?**
**Uma silandela imiyalo yeNkosi, izikhathi ezininingi imiphumela yezifo ingancishiswa!**
**Ulwazi olungelinganiswe ngemali lolu!**
**Isithembiso esimangalisayo!**


26

**Umhlabeleli usitshela lokhu ngalesithembiso:**



27

**IHubo 105:37**
**...Kwakungekho ontengezelayo emindenini yabo.**
**IHubo 105:37.**
**Mhlawumbe ungathi:  Yebo, kodwa abaseGibhithe babengenazo izifo ezikhona namhlanje.  Akunjalo!**


28

**Ithimba lodokotela abangochwepheshe abavela kuwo wonke umhlaba lalihlangene ngo 1975 esikoleni sokufundela ubudokotela eManchester eNgilandi, ukuzohlinza izidumbu (mummies) zabakade bangcwatshwa baseGibhithe.**
**Ubudala balezidumbu babusukela eminyakeni ka 1900 engakazalwa uJesu.**



29

**(Video: 1 sec) Okwatholakala kubalulekile.**
**AbaseGibhithe basendulo babenezifo ezininingi ezigcwele nanamuhla ebantwini:**

15 - Buyela Ebusheni

# 15 - Buyela Ebusheni



30

Isifo senhliziyo, umdlavuza, ezemithambo, iathirayithisi,




31

hepatitis, tetanus, trichinosis, umhlathi-ngqi, nezinye.


32

Noma iGibhithe kwakuyisizinda somhlaba semfundo nentuthuko ngezikhathi zawoMose, ulwazi lwakhona ngemithi lwalufana kakhulu nolwezinyanga zomdabu zanamuhla!


33

Ngo 1552 B.C., kungekudala ezelwe uMose, kwabhalwa incwadi yezokwelapha eGibhithe ebizwa ngokuthi: The Papyrus Ebers.
Lencwadi ibala amakhambi amaningi ayesetshenziswa ekuguleni okwehlukene, nezingozi. Ngeke wathanda ukuwasebenzisa lawo makhambi.


34

Kwakuthiwa uma uhlatshiwe, hlikihla igazi lesibungu nobulongwe behhashi enxebeni.
Akumangalisi ukuthi kwakuvame umhlathi-ngqi!
Uma ulunywe yinyoka: kwakuthiwa phuza amanzi aseke athelwa phezu kwesithixo!


35

Impandla? Hlikihla ekhanda ingxube eyenziwe ngezinselo zehhashi, izimbali zesundu, nezithende zenja ezibiliswe emafutheni.


36

IBhayibheli lisitshela ukuthi uMose wayefundiswe kukho konke ukuhlakanipha kwaseGibhithe (Izenzo 7:22).
Izincwadi zakhe zigcwele iziyalo ngokuhlanzeka, ukudla ngendlela yempilo, ukwehlukaniswa ogulayo ngesikhathi esahlolwa, nokuphathwa kwendle, kodwa akazange nakanye acaphune emakhanjini abhalwe kwi Papyrus Ebers.
UMose wayitholaphi lemithetho emangalisayo yempilo na?
KuNkulunkulu!


37

Isilephero, kwakuyisifo esesatshwayo eMpumalanga eMaphakathi.


38

Imithetho yempilo yomphakathi eyanikezwa nguNkulunkulu yafundiswa nguMose ngemuva kophumo eGibhithe, kwazinciphisa lezifo.
Izigidi zemiphefumulo zasinda uma odokotela babecela usizo neziyalo kubaholi bezenkolo ngesikhathi kuhlasele lezifo.



39

UGeorge Rosen wathi:  Ibandla lahamba phambili njengoba odokotela base behlulekile ukuthi bazokwenze njani.



40

Ibandla lasebenzela phezu komthetho wokuthathelana kwezifo, njengoba unjalo eTestamenteni eliDala...



41

Lomqondo, kanye nemiphumela yawo uchazwa ngokusobala yincwadi kaLevitikusi.
- George Rosen, M.D., History of Public Health, amakhasi 63 - 65.

# 15 - Buyela Ebusheni


42


Kuyihlazo ukuthi abantu abayizigidi eziyisithupha babulawa yilezifo kodwa imithetho yezempilo yomphakathi ibe ikhona eBhayibhelini kusukela kudala!


43

UNkulunkulu wabumba imizimba yethu.
Uyazi ukuthi singazigwema kanjani izifo, imizimba yethu isebenze ngokufanele!
UNkulunkulu wanika umuntu umzimba oyisimanga, okwazi ukwenza izinto eziningi.
Unezitho eziningi ezibucayi.


44

Senziwa uNkulunkulu, futhi wazi kahle lokho okudingekayo ukuze sihlale siphilile, sisebenza ngeqophelo eliphezulu.


45

Insizwa ethile yathenga imoto kanokusho ngemali eyayikade iyilondoloze iminyaka eminingi.


46

Wanikwa ibhukwana lemoto elalimtshela ukuthi makayinakekele kanjani imoto yakhe entsha ukuze igcineke phansi kwesimo sokusebenza kahle iminyaka eminingi.


47

Yayibiza lemoto, ungacabanga ukuthi umniniyo wazihlupha ngokufunda iziyalo zokuyinakekela.
Kodwa akazange.
Into-nje kuphela ayecabanga ngayo ukuthi igijima kangakanani.
Wayethanda ukuyigijimisa kakhulu, bese enyathela amabhuleki, efuna ukubona ukuthi ima ngokushesha okungakanani.
Wayejabulela ukuzwa amasondo entswininiza.

# 15 - Buyela Ebusheni


48


Wayengazihluphi ngokuhlola amanzi, amafutha ngisho nomoya emasondweni. Wabona ukuthi lezinto zazizothatha isikhathi sakhe. Wayengeke achithe isikhathi ngazo.
Wayefuna-nje ukushayela, aye lapho ethanda khona - ikakhulu lapho kunabantu abaningi ukuze bambone eshosholoza ngemoto yakhe kanokusho.


49

Ungazicabangela okwenzeka.
Yebo, imoto ayihlalanga isikhathi eside ngaphambi kokuthi idinge ukulungiswa okudla izimali ezinkulu.
Ngabe senza okufanayo ngalemizimba esiyiphiwe nguNkulunkulu na?
Sidinga ukulandela iziyalo zaKhe!


50

Ukulaliswa kanye-nje esibhedlela, kungadla yonke imali obukade uyilondolozile.


51

Kungasisiza ngempela ukuthi kesibuyele ensimini yase Edeni, endalweni, sibone ezinye zezinto uNkulunkulu azitshela uAdamu noEva mayelana nokuphila kahle.
Ukudla ngendlela yempilo.
Singakangeni isono, uNkulunkulu wanika uAdamu noEva ukudla okunomsoco owenza ukuba baphile kahle.



52

Genesise 1:29
Bhekani, ngiyaninika yonke imifino ethela imbewu, esemhlabeni wonke,



53

nemithi yonke okukuyo izithelo zomuthi oveza imbewu, kube ngukudla kwenu.
Genesise 1:29.

# 15 - Buyela Ebusheni


54

Ngolimi lwanamhlanje singathi banikwa izithelo, okusanhlamvu nokusamantongomane.


55

Lokhu kwakungukudla kwabo.
Wabanika futhi nomuthi wokuphila, owawuthasisela ekudleni kwabo ukuze bahlale bebasha futhi bephile kahle.
Ngemuva kokona kukaAdamu no Eva, uNkulunkulu wabadedisa emthini wokuphila, wenezela imifino ekudleni kwabo.



56

Genesise 3:18.
...uyakudla imifino yasendle.
Genesise 3:18.
Lokhu, kanye nezithelo, nokusanhlamvu, nokusamantongomane, kwakuyikhona kudla komuntu kwaze kwafika uzamcolo.
Kwakwenele na?  Yebo, ngokungangabazeki!
Cabanga ngokuthi abantu ababedla lokho kudla kwakuqala babephila bafike emakhulwini eminyaka.



57

Genesise 5:27.
Umuntu owake waphila isikhathi eside kunabo bonke emhlabeni kwakunguMetushela:  Zonke izinsuku zikaMetushela zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithupha nesishiyagalolunye, wayesefa.
Genesise 5:27.


58

Ngemuva kukazamcolo, ubude beminyaka yomuntu yancipha kakhulu.
UShem, indodana kaNowa, waphila iminyaka engu 600.
Umzukulu wakhe  waphila engu 239;
Olandelayo waphila engu 175.
Ngezikhathi zenkosi uDavide, iminyaka yomuntu yaseyinciphe yaba ngu 70!
Ukuncipha ngempela lokho, anisho njalo?


# 15 - Buyela Ebusheni


59

Izitshalo zakhukhulwa nguzamcolo.
Ukudla kukaNowa kwase kuphelile emuva kokuhlala emkhunjini isikhathi esingaphezu konyaka. Kuze kube yilesikhathi, uNkulunkulu wayengazange avumele uNowa nomndeni wakhe ukuba badle inyama njengokudla kwesimo esiphuthumayo.
Akuzona zonke izilwane nezilimo ezazifanele ukudliwa.
UNkulunkulu wanikeza imithetho ngokudla okufanele ukudliwa abantu.



60

Kwenziwa umahluko phakathi kwezilwane ezihlanzekile nezingahlanzekile.
UNkulunkulu waze wayala uNowa ukuthi yiziphi izilwane angazifaka emkhunjini, nokuthi ngazingaki:




61

Genesise 7:2
Kuzo zonke ezihlambulukileyo uzakuthatha ngasikhombisa, iduna nensikazi yalo,



62

nakuzo izilwane ezingahlmbulukile uthathe ngambili, iduna nensikazi yalo.
Genesise 7:2


63

Kusobala ukuthi uNowa wayazi ukuthi yiziphi izilwane uNkulunkulu ayezithatha njengezihlambulukile nezingahlambulukile.


64

Kamuva, ngesikhathi uNkulunkulu ekhipha uIsrayeli ebugqilini baseGibhithe, wanika uIsrayeli imithetho yokudla ukuze kuvikeleke impilo yabo bakwazi nokuphila isikhathi eside.
UNkulunkulu wachaza ukuthi yiziphi izilwane ezihlambulukile nezingafanele ukudliwa:

# 15 - Buyela Ebusheni



65

**Duteronomi 14:6**
**Ningadla nezilwane ezahlukanisa inselo,**



66

**ezidabula inselo kabili, ezetshisayo kuzo izilwane.**
**Duteronomi 14:6.**
**Qaphela ukuthi lomthetho ukhumbuleka kalula: izinto ezimbili-nje: 1. ukudabula inselo. 2. ukwetshisa.**



67

**(Video: 14 sec) Ezinye izilwane ezihlambulukile ezejwayelekile ngokwezindimana 4 - 6:**
**inkomo, imvu, imbuzi, indluzele, insephe, impala, inxala, newula.**




68

**(Video: 10 sec) Izilwane ezingahlambulukile ngokwezindimana 7 no 8, esezisetshenziswa njengokudla manje zibandakanya:**
**ikamela, unogwaja, ingulube, nembila.**
**Uyayikhumbula imithetho yokusiqondisa?**
**Uma isilwane sidabule inselo, futhi setshisa, sikulungele ukudliwa.**
**Kubalulekile ukukhumbula lokhu ngoba ezinye ziyetshisa kodwa azidabuli inselo.**


69

**Isibonelo yingulube, yona edabula inselo kodwa ibe ingetshisi. Ayihlambulukile.**
**IBhayibheli lineziyalo eziqondile mayelana nengulube:**




70

**Levitikusi 11:7, 8**
**Nengulube, ngokuba iyahlukanisa inselo, idabula inselo kabili, ingetshisi kodwa; ingcolile kini.**



71

**Ningadli inyama yazo, ningathinti izidumbu zazo; zingcolile kini.**
**Levitikusi 11:7, 8.**
**Eziningi izilwane ezibalwe nguNkulunkulu njengezingcolile zibalelwa kulezo ezidla udoti.**
**UNkulunkulu akasigodlelanga lutho oluhle mhla enikeza lemiyalo.**
**Uyazazi ezisiza impilo, nezilimaza impilo zilethe nezifo.**




72


**IHubo 84:11.**
**...Akayikubenqabela okuhle abahamba ngobuqotho.**
**IHubo 84:11.**


73

**Ingulube idla udoti.**
**Okudliwa yingulube,kubalwa nemfucuza lapho, kumuncwa umzimba kuguqulwe kube yinyama ngamahora ambalwa-nje.**
**Inkomo yona, ithatha isikhathi eside.**
**Kuthatha amahora angu 48 ukuze ukudla kuguqulwe kube yinyama.**
**Futhi noma inkomo ikhipha ubulongwe kwehlukile, ngoba ikhipha ukungcola okuningi emzimbeni.**


74

**Inyama yengulube izikhathi eziningi igcwele izibungu.**
**Uma umuntu edla inyama yengulube enezibungu, igobolondo elizungeze isibungu, liyancibilika.**
**Kanjalo isibungu siyakhululeka, sigqobhoze amathumbu, sizale sande.**


75

**Lezibungu zingena egazini, zidlulele kwezinye izitho zomzimba.**
**Isifo sezibungu singabulala, kuya ngokuthi ziningi kangakanani ezidliwe.**
**Izikhathi eziningi ukupopola kuveza ngephutha ukuthi umuntu une-athirayithisi noma ubuthi obungene ngokudla.**

15 - Buyela Ebusheni

# 15 - Buyela Ebusheni


76

**Ukuhlinzwa kuveza ukuthi abantu abaningi ababephila ngezikhathi zikaMose babenalezi zibungu!**
**UNkulunkulu wazi kangcono - hlukana nayo!**
**UNkulunkulu wanika iziyalo nangezinhlanzi:**



77

**Duteronomi 14:9, 10**
**Lezi ningazidla kuzo zonke ezisemanzini; zonke ezinamaphiko nezingcwecwe;**




78

**Zonke ezingenamaphiko nazingcwecwe ningezidle; zingcolile kini.**
**Duteronomi 14:9, 10.**




79

**Lokho kusobala kakhulu, futhi qaphela ukuthi kukhona imiqondiso emibili eyenza kube lula ukukhumbula:**



80

**1. zinamaphiko, futhi**



81

**2. zinezingcwecwe.**
**Cabanga "ngokudla kwasolwandle" okudliwa emhlabeni wonke kodwa kube kungenamaphiko nazingcwecwe?**


82

**UDokotela Bruce Hallsted wase Loma Linda University, wacelwa nguHulumeni ukuba enzele abasempini ucwaningo olwaluzokusho ukuthi yiziphi izinhlanzi eziphephile ukudliwa abantu nokuthi yiziphi ezinobuthi.**

# 15 - Buyela Ebusheni


83

Amasosha azithola esele dengwane olwandle noma eziqhingini, adinga ukwazi ukuthi yiziphi izinhlanzi ezinobuthi nalezo angazidla ukuze aziphilise. Esewenzile wonke umsebenzi wakhe, uDr Hallsted waphetha ngokuthi indlela elula engalandelwa amasosha kuse iyona leyo uNkulunkulu ayinika amaIsrayeli eminyakeni engu 3 500 eyedlule.



84

Duteronomi 14:9
Lezi ningadla kuzo zonke ezisemanzini; zonke ezinamaphiko nezingcwecwe. UNkulunkulu uyazi ukuthi zidalwe kanjani nokuthi kungani singazidla noma singezidle izinto ezithile.


85

Izinyoni-ke zona? IBhayibheli linikeza lesi siyalo esibalulekile:



86

Duteronomi 14:11, 12
Ningadla kuzo zonke izinyoni ezihlambulukileyo.



87

Kodwa yilezi eningayikudla kuzo...
Izindimana 11, 12.



88

(Video: 14 sec) UNkulunkulu uyazibala:
ukhozi, Ingqungqulu, Ilulwane, Ifukezi, Umxwagele, Isikhova, Inqe, Uhlonyile, Uheshe, Isiphungumangathi nezinye zezinhlobo zazo.



89

Duteronomi 14:19
UNkulunkulu wathi: Nezilwanyana zonke ezinamaphiko zingcolile kini; azinakudliwa.
Indimana 19.

# 15 - Buyela Ebusheni



90

Levitikusi 3:17
UNkulunkulu wenaba neziyalo: Kuyakuba yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu ezindlini zenu zonke:



91

zokuba ningadli amanoni nagazi.
Levitikusi 3:17.


92

AmaJuda oqobo namanje asalandela lezo ziyalo. Uma ehlaba isilwane, siyalengiswa sibheke phansi, ukuze igazi liphume lonke.
Bese siyahlinzwa, sicwiliswe emanzini kasawoti ukudonsa igazi elisasele.


93

Amanoni ayasikwa, awadliwa.
Iminyaka eminingi, kwakucatshangwa ukuthi lomyalo ovimbela ukudliwa kwamanoni negazi uphathelene nezinkonzo zezimiso-nje


94

Nokho, ucwaningo lwesimanje luyafakaza ngokuhlakanipha komyalo kaNkulunkulu.


95

Manje siyazi ukuthi igazi lithwala ukungcola, amagciwane, nemfucuza yomzimba.
Izifo eziningi zithathelwana ngegazi.


96

Futhi siyazi ukuthi amafutha afana nalawo atholakala kokusabisi (dairy products) nenyama enza kucinane imithambo yegazi, okwenza inhliziyo ibe buthakathaka.
Ziningi kangakanani izifo ebezingagwemeka ukuba abantu bebengathemba uMdali wabo ekukhetheni okuyikona okungcona okufanele bakudle!

# 15 - Buyela Ebusheni


97

**Ukwelula Umzimba**
**IBhayibheli lithi ngemuva kokuba uNkulunkulu esedale uAdamu noEva, wabanika umsebenzi owusizo - ukunyakazisa igazi, nokwelula umzimba:**



98

**Genesise 2:15.**
**UJehova uNkulunkulu wayesemthatha umuntu, wambeka ensimini yaseEdeni ukuba ayilime, ayigcine. Genesise 2:15.**


99

**Ukwelula umzimba kuvikela izifo eziningi! Umzimba onganyakazi uyafadalala.**


100

**Ukwelula umzimba kuvuselela imisipha nemithambo.**


101

**Amaphaphu asebenza kangcono, afuthe umoya omningi ngaphandle komzabalazo.**


102

**Inhliziyo isebenza kangcono, ihambise igazi eliningi ngokushaya kwayo ngakunye. Umoya ohlanzekile onikeza amandla ufinyelela kuzo zonke izicubu, okwenza sonke isimo somzimba sisebenze kahle. Emuva kokona kuka Adamu no Eva, uNkulunkulu wakhulisa isilinganiso somsebenzi futhi nomsebenzi wabalukhuni.**

# 15 - Buyela Ebusheni



103

Genesise 3:19.
UNkulunkulu wathi: Ngesithukuthuku sobuso bakho uyakudla isinkwa sakho, uze ubuyele emhlabathini...
Genesise 3:19.
Futhi wathi umhlabathi uyoqalekiswa, kube khona ameva namakhakhasi, nokuthi: Uyakudla kuwo ngokukhathazeka zonke izinsuku zokuhamba kwakho. Izindimana 17, 18.



104

UNkulunkulu wayazi ukuthi umuntu uyadinga ukwelula umzimba kungekuphela ngoba kudingwa yigazi, kodwa ukuze naye angangeni ezinkathazweni. Kunesisho esithi: Izandla ezingenzi lutho, zingamathuluzi kaSathane.



105

Eksodusi 20:9
UNkulunkulu wathi: Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho.
Ukuba wonke umuntu ubesebenza izinsuku eziyisithupha ngeviki, mhlawumbe bebezokhathala kangangoba bebengeke bazithole besezinkathazweni!



106

Imizimba Yethu iyiThempeli likaMoya Ongcwele.
Ukubaluleka bokunakekela imizimba yethu singakubona kuphela uma sazi ukuthi kubaluleke kangakanani kuNkulunkulu.



107

1 KwabaseKorinte 6:19, 20
Umpostoli Pawulu wathi: Kepha anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele okinina,



108

enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na?



109

Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakhoke mbongeni uNkulunkulu emzimbeni wenu.
1 KwabaseKorinte 6;19, 20.

# 15 - Buyela Ebusheni



110

**Umuntu ungokaNkulunkulu ngokudalwa nangokuhlengwa.**
**Intengo eyakhishwa uNkulunkulu ngathi, ngumhlatshelo ngeNdodana yaKhe eKalvari.**
**Ngoba umuntu uhlengwe ngenani elingenakulinganiswa, kumele adumise uNkulunkulu kuyo yonke into ayenzayo.**




111

**1 KwabaseKorinte 10:31**
**Ngakhoke noma nidla, noma niphuza, noma nenzani, konke kwenzeleni udumo lukaNkulunkulu.**
**1 KwabaseKorinte 10:31**
**Wonke umuntu othanda uNkulunkulu ngempela uzoqaphela ukuthi ugwema noma yini engalimaza noma engangcolisa umzimba wakhe.**



112

**1 KwabaseKorinte 3:17**
**Uma umuntu echitha ithempeli likaNkulunkulu, uNkulunkulu uyakumchitha yena.**




113

**Ngokuba ithempeli likaNkulunkulu lingcwele; niyilo-ke nina.**
**1 KwabaseKorinte 3:17.**
**Mhlawumbe uyamangala ukuthi umuntu uwungcolisa kanjani umzimba wakhe.**
**UPawulu ubala izinto eziningi okumele sizigweme:**



114

**1 KwabaseKorinte 6:9, 10**
**...Ningadukuswa. Nazifebe nabakhonza isithombe, naziphingi, nazihlobongi, nabesilisa abalalanayo,**



115

**namasela, nabahahayo, nazidakwa...abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu.**
**1 KwabaseKorinte 6:9, 10.**
**IBhayibheli libala ubufebe nokulalana kwabesilisa njengemikhuba engcolisa umzimba.**
**Liphinde libale nokudakwa.**

# 15 - Buyela Ebusheni



116

**Izaga 20:1**
**USolomoni wathi: Iwayini liyisedeleli, uphuzo olunamandla lungumxokozeli: bonke abaduka ngalo abahlakaniphile.**
**Izaga 20:1**




117

**Izaga 23:31 - 33**
**Futhi wathi: Ungalibuki iwayini ukuthi libomvu, nokuthi licwebezela endebeni, ukuba lehle kalula**



118

**Ngasekugcineni liyaluma njengenyoka.**



119

**Amehlo akho ayakubona imihlola, inhliziyo yakho ikhulume okuphambeneyo.**
**Izaga 23:31 - 33.**


120

**Uphuzo enye yezinkinga ezinkulu emhlabeni kwezempilo.**
**Ngaphezu kwenxenye ezingozini zezimoto kungatholakala ukuthi umshayeli noma ohamba ngezinyawo ubephuzile.**


121

**Ngaphezu kwenxenye kukho konke ukubulala, kungaba umbulali noma obulewe, noma bobabili, kade bephuza!**


122

**Utshwala buphazamisa umzimba ukuthi ungakwazi ukusebenzisa amaVitamin, futhi ushukela osotshwaleni (neziphuzo ezibandayo eziningi) unciphisa amandla omzimba ukulwa namagciwane.**

# 15 - Buyela Ebusheni


123

Isibindi salowo ophuzayo siba namafutha; amathuba okuthi abulawe yisifo sesibindi makhulu.
Impilo yakhe incipha okungenani, ngeminyaka engu 12.
Izibalo ezisandu kukhishwa zithi oyedwa kubo bonke abantu abayishumi abaqala ukuphuza, bayogcina sebeyizidakwa.


124

Ucwaningo lwakamuva lutshengisa ukuthi izicubu eziningi zengqondo ziyafa njalo uma utshwala bufakwa egazini, nokuthi obaba nomama


125

abaphuzayo banamathuba amaningi kunalabo abangaphuzi, ukuthi abantwana babo bazalwe bekhubazekile.
Kodwa kumuntu ongumKristu, ukusebenzisa iziphuzo ezidakayo kunomphumela omkhulu ukwedlula lokhu.


126

AmaKristu kufanele ahlale esengqondweni ukuze agweme izilingo zikaSathane.
Abanakho ukuthuntubeza ukucabanga kwabo noma balahlekelwe amandla okwehlukanisa phakathi kokulungile nokungalungile!


127

UJesu wenqaba ukuphuza lokho okudakisayo okudambisa izinhlungu ayekuphiwa ngamasosha ngesikhathi esesiphambanweni.



128

Noma uJesu wayesezinhlungwini ezinkulu, akavumanga ukwamukela lutho olwaluzodunga ingqondo yaKhe kuze kufike ukufa.

# 15 - Buyela Ebusheni


129

**Neminye imikhuba eyejwayelekile iyayilimaza impilo. Ababhemayo banamathuba ayinkulungwane ngaphezu kwabangabhemi, ukubulawa umdlavuza wamaphaphu. Kanti futhi umuntu obhemayo akagcini ngokuba sengcupheni yokubulawa umdlavuza. Amathuba akhe okubulawa yisifo senhliziyo angu 103 percent ngaphezu kwalowo ongabhemi.**


130

**Lesisifo sibulala abangaphezu kuka 55 000 minyaka yonke!**
**Inikhothina ishwabanisa nemithambo.**


131


**Lenhlanganisela yamafutha nokushwabana kwemithambo kuvimba imithambo ekuhambiseni igazi elanele enhliziyweni, imilenze nezingalo kanye nezinye izitho.**
**Uma sekunje, kuthatha ihluli elincane elibhajwe emithanjeni eshwabene, ukuba kuhlasele inhliziyo noma ukufa kohlangothi.**


132

**Umuntu obhemayo futhi usengcupheni yokulahlekelwa yingqondo ngenxa yokuthi umoya awufiki kahle engqondweni.**


133

**Abesifazane ababhemayo bekhulelwe, balimaza imithambo yabantwana babo.**
**Isibalo sabantwana abazalwa bengaphili sikhulu ngamaphesenti angu 27 komama ababhemayo.**


134

**Ngonyaka odlule, kwafa abantu abangu 500 000 ngenxa yogwayi eMelika-nje kuphela.**



135

**UNkulunkulu wathi: Ungabulali. Eksodusi 20:13.**
**Bangaki abantu abazibulalayo ngalokho abakudlayo, abakuphuzayo nabakubhemayo?**

# 15 - Buyela Ebusheni



136

**Omunye wake wathi okuyizona zikhali ezivamile zokuzibulala imimese, izimfoloko, namakhezo. Mhlawumbe sidinga ukwenezela nezinkomishi nezinkamba!**



137

**I "caffeine" isidakamizwa esitholakala ekhofini, ithathwa njengoshevu nesikhuthazi.**
**Harold Shryock, M.D., You and Your Health, umqulu 1, ikhasi 413.**



138

**Itiye neziphuzo ze "cola" nazo zine caffeine.**
**Zonke leziphuzo manje zihlanganiswa nesifo senhliziyo, imizwa eyonakele nomdlavuza wesinye.**


139

**Umuntu ohlala ngokuzijova nge caffeine kancance-nje ngosuku, ubizwa njengonebhaxa lezidakamizwa. Kodwa bangaki abenza into efanayo ngekhofi nangeziphuzo ezine "cola."**




140

**Ukuzithiba kweqiniso ukusho ukugwema lokho okulimazayo, nokusebenzisa ngesilinganiso lokho okulungile.**



141

**Abantu abaningi bayeqisa kulokho okuhle!**
**Lokhu kuholela kwenye inkinga yezempilo kubantu abaningi emhlabeni.**



142

**Omunye wake walinganisa ukuthi ikhilo ngalinye lamafutha emzimbeni, lidinga ikhilomitha lemithambo emisha.**



143

**Futhi inhliziyo iba nomthwalo owenezelwe wokufutha igazi lihambe kulenxakanxaka yemithambo emisha.**
**- Harold Shryock, M.D., You and Your Health, umqulu 1, ikhasi 395.**

# 15 - Buyela Ebusheni


144

**Inhliziyo, izinso, isibindi namaphaphu komuntu onesisindo eseqile, kusebenza kanzima.
Abantu abanesisindo eseqile baguliswa yizifo eziyishumi nesithupha ezingavamile kulabo abaneziqu ezincane.**


145

**UNkulunkulu ufuna ukuba sinakekele imizimba yethu ukuze sithokozele impilo enhle manje.
Ufuna ukuba sibe abantu abathokozayo, abaqotho abanakayo.
Ufuna sibe nokuphila okuchichimayo.
Ukuthi siphila isikhathi eside kangakanani noma impilo enhle kangakanani, kuya ngokuthi sizilandela kangakanani iziyalo zaKhe.**


146

**Ukuphumula nokuThula
UJesu wayekholwa yisikhathi sekhefu nokusuka lapho kunengcindezi khona.
Ngemuva kosuku lokusebenza kanzima exinwe abantu, uJesu wathi kubafundi:**




147

**Marko 6:31
...Zanini nina nodwa endaweni eyihlane, niphumule ingcosana...
Marko 6:31.
UJesu ufuna silinganise ukusebenza nokuphumula.**



148

**Kungakho nje asinika iSabatha.
UNkulunkulu uyazi ukuthi sidinga ukukhohlwa yizinkinga zethu nemisebenzi yethu, sichithe isikhathi naYe.**


149

**Ukuthatha kwakho ikhefu kungesho ukuthi kufuneka uye ehlane, noma lokho kungaba yindawo enhle yokuphumula ngezinye izikhathi zonyaka.
Ungakhetha indawo engaphithizeli ezintabeni lapho imithi emide namachibi ashonayo engakunika ukuthula enhliziyweni.**

# 15 - Buyela Ebusheni


150

Noma kuyini, udinga ukusuka esixukwini nasemsindweni wasedolobheni nemigwaqo.
Uma ungase ube nesikhathi sokuzijabulisa, kuhle lokho!


151

Yebo, uNkulunkulu ufuna ukuba wena ube nezulu elincane emhlabeni, futhi uzilungisele ukuphila emhlabeni owenziwe ngokusha, lapho izifo ezisihluphayo kulomhlaba ziyobe seziphelile.


152

Ungathi: Kuzwakala kamnandi kimina lokho. Ngifuna ukuba lapho, kodwa nginemikhuba engingakwazi ukuyinqoba.
Sikuphathele izindaba ezimnandi namhlanje.
UNkulunkulu akabhekile ukuthi ukwenze uwedwa lokhu.



153

Johane 15:5.
IEqinisweni, uJesu wathi: Ngaphandle kwami ningenze lutho.
Johane 15:5.
Ngamandla ethu, ngeke sikwazi ukunqoba imikhuba emibi.
UMsindisi wethu ukhona lapho, elangazelela ukusisiza!
UPawulu wayeyazi lemfihlo.



154

KwabaseFilipi 4:13.
Wathi: Nginamandla ukwenza konke ngaYe ongiqinisayo.
KwabaseFilipi 4:13.

# 15 - Buyela Ebusheni


155

**Owesifazane wayesemvuselelweni efana nalena yakusihlwa-nje.**
**Umfundisi waxoxa naye, wakhuluma ngokubuyela emndenini kaNkulunkulu.**
**Amehlo alo wesifazane abanenhlansi ngesikhathi ephundula ethi:  Ngingathanda, kodwa angikwazi. Ngiyabhema.**
**Umfundisi wambiza ngegama wathi:  Uyakholwa ukuthi uJesu ufuna uwunqobe lomkhuba na?**
**Yebo, vele.  Kodwa angikwazi.  Anginamandla.**
**Umfundisi wathi:  Ngingakufundela indimana eBhayibhelini?**
**Wavula encwadini ku 1 Johane 5:14 ethi:  Yilesisibindi esinaso kuYe sokuthi, uma sicela utho ngokwentando yaKhe, uyasizwa. Mariya, unaso isibindi sokuthi ungakuyeka ukubhema? kubuza umfundisi.**
**Wathi:  cha.**
**Umfundisi wathi:  Kulungile.  Nokho iBhayibheli lithi yilesi isibindi esinaso kuYe.   Siphi leso sibindi? kubuza umfundisi.**
**Waphendula uMariya:  KuYe.**


156

Waphinda wayifunda indimana, enezela ngokuthi: Uma sicela noma yini ngokwentando yaKhe, ngaphandle kokuyeka ugwayi, uyasizwa.
Ephendukela kuMariya, wabuza wathi: Ngikubhale lokho eBhayibhelini lakho na? Unganginika lona ngikubhale lokho?
Cha, cha, kusho uMariya. Angifuni ukuguqula iBhayibheli.
Umfundisi wathi: Kuhambisana nentando kaNkulunkulu ukuthi uyeke ukubhema?
Wavuma uMariya.
Manje-ke, ungamcela uKristu ngesibindi akuphe lawomandla awethembisile?
Yebo, ngikholwa ngingakwenza lokho.
Umfundisi: Ngisenombuzo owodwa futhi. Uzowathola nini lamandla okunqoba ugwayi? Kungaba yisonto, inyanga, izinyanga ezintathu? Uzowathola nini lawomandla?
Wase evula iBhayibheli lakhe wavula kuJohane 1:12 wafunda:
Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu. Ukwamukela uJesu, ukwamukela amandla.
Manje, kusihlwa-nje sibonile ukuthi ungaba naso isibindi kuJesu. Sibonile ukuthi uma sicela noma yini ngokwentando yaKhe, uzosinika. Futhi siyazi ukuthi kuyintando yaKhe ukuthi uyeke ugwayi. Futhi sibonile ukuthi uma umamukela, uzokwamukela amandla.


157

Ngokusizwa uYena, ungaphila ukuphila okuchichimayo, ukuphila okuhle, kwenjabulo, khona manje, uthokoze ngokuphila okuphakade emhlabeni owenziwe kabusha.
Zelulele kuJesu - uzelulela kuwena!

# 16 - Ukuqala Kabusha




1

**Ungaqala Kabusha**



2

**(Video: 10 sec) Ngo March ka 1992, umvangeli wabamba izimvuselelo ehholo okuthiwa iKremlin, eMoscow. Ngemuva komunye wemihlangano, wayehleli ehhovisi lakhe, kwavuleka umnyango gengelezi.**


3

**Kwangena insizwa eyisidlakela, eyesabekayo, inentshebe emahliphihliphi.**
**Umvangeli ecabanga ukuthi uyahlaselwa, wahlehlela emuva. Utoliki womvangeli wangena phakathi kwabo.**
**Kusenjalo, lendoda eyesabekayo yaqala ukukhuluma ngolimi lwesiRashiya, isebenzisa nezandla.**
**Utoliki wachaza ukuthi lendoda kwaku esinye sezigebengu zaseMoscow esaziwayo.**
**Kwaku umuntu osengene ephuma ejele izikhathi ezingu 28.**
**Yayingenathemba ngekusasa layo futhi ilahlwa unembeza. Yayilangazelela ukuthola ukuthula.**
**Umvangeli, ngomoya ophansi, wafunda ku 1 Johane 1:9: Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono zethu.**
**Waxoxela lendoda indaba yesela elalibethelwe, lathola ukuthethelelwa. Wamnika isiqiniseko sokuthi uJesu kuseyilowo Msindisi nanamuhla.**
**Usipha ukuxolelwa. Usipha ukusindiswa. Usipha ukukhululwa. Kuthathe! Thokoza ngalokho! Ubonge uNkulunkulu ngakho!**
**Izinyembezi zigeleza ebusweni, lensizwa yomRashiya yaguqa, yamukela intethelelo kaNkulunkulu.**


4

**Ngemuva konyaka, umvangeli wavakashela eMoscow. Kuthe esenkonzweni nabanye abazalwane ebandleni elalisanda kuhlelwa, wabona lesiya sigebengu sicula nekwaya.**

# 16 - Ukuqala Kabusha


5


Ubuso balomuntu owayekade eyesigebengu, babutshengisa ukuthula okungaphakathi. Lendoda yayigcwele injabulo. Yaseyamukele uKristu. Izimfundiso zeBhayibheli zaguqula impilo yayo, yalandela uJesu ngokubhabhadiswa kwaseBhayibhelini.
Ukubhabhadiswa ngendlela yeBhayibheli uphawu lwempilo eguqulwe umusa kaNkulunkulu.
Umbhabhadiso ufakaza ngesiqalo sempilo entsha kuJesu Kristu.
Umbhabhadiso ukhuluma ngempilo eguqukile.
Esinye sezibonakaliso ezinamandla zenguquko eyenziwa uKristu empilweni yindaba kaSawulu, owagcina esenguMpostoli Pawulu.


6

Noma uSawulu wayeyisakhamuzi saseRoma ngokuzalwa, ethole imfundo yekhethelo eJerusalema, wayenentshisekelo ngenkolo yobuJuda, futhi aziwa njengomuntu oyivikelayo.


7

USawulu, ogama lakhe laguqulwa laba nguPawulu ngemuva kokwamukela uJesu, uchaza mathupha lokho akwenza ezama ukuqeda amaKristu.



8

Izenzo 22: 4, 5
Ngayizingela leyoNdlela kwaze kwaba sekufeni, ngibopha ngibakhaphela ematilongweni abesilisa nabesifazane.



9

Ngaya eDamaseku ukuba nababekhona lapho ngibayise eJerusalema ukuze bajeziswe.
Izenzo 22:4, 5.


10

Esaya eDamaseku, ukukhanya okukhulu kuvela ezulwini, kwamlahla phansi.

# 16 - Ukuqala Kabusha



11

**Izenzo 22:7, 8**
**Wezwa izwi lithi: ...Sawulu, Sawulu, ungizingelelani na?**




12

**wase ephendula ethi: Ungubani, Nkosi, na? Izwi laphendula lathi:**




13

**Mina nginguJesu waseNazaretha omzingelayo.**
**Izenzo 22:7, 8.**



14

**Izenzo 22:10**
**LowomFarisi obeziphakamisile, wazithoba, wabuza eNkosini wathi: Ngiyakwenzani, Nkosi, na? INkosi yaphendula yathi: Sukuma, uye eDamaseku,**



15

**uzakutshelwa khona konke okumiselweyo ukuba ukwenze.**
**Izenzo 22:10.**


16

**USawulu waxhoshwa ukukhanya okukhulu, kwadingeka ukuba aholelwe endlini ethile eDamaseku.**

# 16 - Ukuqala Kabusha


17

Izinsuku ezintathu, uSawulu waba nethuba lokucabanga ngokuhlupheka nobuhlungu ayebulethele abantwana bakaNkulunkulu, nangokufunga kwakhe ukuthi uJesu akasiye uMesiya nokuthi abalandeli baKhe badukile.
Ngokufakaza kwakhe, esola abantwana bakaNkulunkulu ngokungafanele, waye sola uMsindisi womhlaba!
Kufanele ukuba ukucabanga ngalezizinto kwamlethela ukuhlupheka komphefumulo okukhulu uSawulu!
USawulu waba nesikhathi sokulungisa izinto neNkosi yakhe.


18

Wahlala ebumnyameni izinsuku ezintathu, emva kwalokho uNkulunkulu wathumela umprofethi kuyena ogama lakhe lalingu Ananiya.
U Ananiya wathi kuSawulu:



19

Izenzo 22:13 - 15
...Sawulu, mzalwane, buye ubone.  Mina ngase ngimbona ngaso lesosikhathi.



20

Wayesethi:  UNkulunkulu wawobaba wakumisela ngaphambili ukuyazi intando yaKhe



21

nokumbona oLungileyo, nokulizwa izwi eliphuma emlonyeni waKhe.



22

Ngokuba uzakuba ngufakazi waKhe kubantu bonke walokho okubonileyo nokuzwileyo.  Izenzo 22:13 - 15.
Kanjalo, ukuze uSawulu akwazi ukuqhubeke  nempilo yakhe futhi akhohlwe okungemuva,

# 16 - Ukuqala Kabusha




23

**Izenzo 22:16**
**U-Ananiya wathi kuSawulu: Manje-ke ulibalelani na? Sukuma, ubhapathizwe, uhlambulule izono zakho,**




24

**ngokukhuleka egameni laKhe.**
**Izenzo 22:16.**



25

**Kwakuyiyonandlela lena uSawulu ayezozihlanganisa ngayo neNkosi yakhe ngunaphakade.**
**Umbhabhadiso kwakungumnyango oya empilweni entsha ku Sawulu.**
**USawulu wayedinga ukuhlanjululwa kulezinto ezimbi ayekade ezenza egameni lenkolo yakhe.**
**Wayazi ukuthi udinga umusa kaNkulunkulu omangalisayo nentethelelo yaKhe.**



26

**Esebhabhadisiwe, wayazi ukuthi uNkulunkulu umxolele.**
**Kanjalo uSawulu owayehlupha amaKristu, waphenduka uPawulu, ishoshozela likaJesu, yonke impilo yakhe.**



27

**Wake waba naso isifiso sokuthi uqale kabusha?**
**Nokuthi zonke iziphosiso owake wazenza zigezwe?**




28

**UNkulunkulu wayazi ukuthi sonke siyakudinga lokhu, ngakhoke wenza ukuthi umbhabhadiso ube yisibonakaliso sokuthi sizihlanganisa naYe kusukela manje. Yisiqalo esisha sokuphila kuJesu.**
**Iyiphi enye indlela ebeyingafaneleka ngaphezu kokubhabhadiswa ngokucwiliswa ngaphansi kwamanzi, ukutshengisa ukufa ngokwasesonweni nokuqala kwempilo entsha?**

# 16 - Ukuqala Kabusha


29

Umbhabhadiso wobuKristu waqala ngoJohane uMbhabhadisi, umprofethi owayesehlane laseJudiya, eshumayela inguquko ngesibindi.
Zonke izindlela eziya emfuleni iJordane zazigcwele abantu ababefuna ukumuzwa.



30

Mathewu 3:5, 6
IBhayibheli lithi: babhabhadiswa nguye emfuleni iJordani bevuma izono zabo.




31

babhabhadiswa nguye emfuleni iJordani bevuma izono zabo.
Mathewu 3:5, 6.


32

UJesu wavala umnyango wendawo lapho ayebazela khona, wavalelisa kunina, naYe waqonda khona eJordani.
Kuthe uJohane ebona uJesu, wavele wamazi, wayeka nokushumayela.



33

Johane 1:29.
UJohane wakhomba uJesu wathi: ...Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.
Johane 1:29.


34

UJohane walibona iWundlu langempela lomhlatshelo elalizofela izono zabo bonke ababezokwamukela umhlatshelo walo.
Kwathi lapho uJesu ecela ukubhabhadiswa, uJohane wangabaza.



35

Mathewu 3:14.
Wathi: Yimi engiswela ukubhabhadiswa nguWe.
Mathewu 3:14.

# 16 - Ukuqala Kabusha



36

Mathewu 3:15
Kodwa uJesu waphikelela wathi: ...Vuma kalokhu, ngokuba kusifanele ukugcwalisa kanjalo ukulunga. Indimana 15.
Kwamkhanyela uJohane ukuthi uJesu akanazono adinga ukuzivuma.
Kanti futhi sasingekho isidingo sokuthi uJesu atshengise ukukholwa kwaKhe kolwaKhe uqobo uvuko!



37

UJesu wacela ukubhabhadiswa ngoba wayefuna ukuzihlanganisa nabantu.
Wayefuna ukusishiyela isibonelo esiphelele okufanele sisilandele.
Kanjalo uJohane wamcwilisa uJesu emfuleni iJordani, phela, lisho lokho leligama elithi ukubhabhadisa.




38

Mathewu 3:16, 17
Lithi iBhayibheli: UJesu esebhabhadisiwe wakhuphuka masinyane emanzini; bheka, izulu lavuleka,




39

wabona uMoya kaNkulunkulu ehla njengejuba, eza phezu kwaKhe.



40

Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo engithokozile ngayo.
Mathewu 3:16, 17
Ngamaphiko ejuba, uNkulunkulu wathumela uthando lwaKhe namazwi enkuthazo kuJesu, kodwa akagcinanga lapho.



41

UJesu waphuma emanzini wema osebeni lweJordani, izingubo zakhe ziconsa amanzi. UNkulunkulu wamazisa esidlangalaleni ngokuthi uyiNdodana yaKhe - lowo Ogcotshiweyo.
Ukubhabhadiswa kukaKristu kwakuyisiqalo saKhe sokusebenzela umphakathi, ngoba uPetru uthi:

# 16 - Ukuqala Kabusha



42

**Izenzo 10:38**
**...UNkulunkulu wamgcoba uJesu waseNazaretha ngoMoya oNgcwele nangamandla,**



43

**owahamba enza umusa, ephulukisa bonke ababesemandleni kaSathane, ngokuba uNkulunkulu wayenaYe.**
**Izenzo 10:38**
**UJesu uqobo akazange abhabhadise, kodwa iBhayibheli lithi abafundi baKhe babhabhadisa:**



44

**Johane 4:1, 2**
**AbaFarisi bezwa ukuthi uJesu wenza abafundi, ebhabhadisa abaningi kunoJohane,**



45

**noma empeleni Yena uqobo engabhabhadisanga, kodwa kwakungabafundi baKhe.**
**Johane 4:1, 2.**
**Futhi, qaphela umyalo kaJesu wokugcina ngaphambi kokwenyukela ezulwini.**



46

**Mathewu 28:19, 20**
**Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhabhadise egameni likaYise neleNdondana nelikaMoya oNgcwele.**



47

**Nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho; bhekani, Mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe...**
**Mathewu 28:19, 20**


48


**Mhlawumbe uyamangala ukuthi abalandeli bakaJesu babesebenzisa muphi umbhabhadiso ngemuva kokwenyuka kwaKhe.**
**Ngaphandle kokungabaza, balandela isibonelo sikaJesu njengoba babengabafundi baKhe.**

# 16 - Ukuqala Kabusha



49

**Kwabase-Efesu 4:5.**
**UPawulu, omunye wabalandeli bakaJesu abathembekile, uthi: Yinye iNkosi, yinye inkolo, munye umbhabhadiso.**
**Kwabase-Efesu 4:5.**




50

**Okuyiyona yodwa incwadi ekhuluma kabanzi ngombhabhadiso ngemuva kokufa kukaJesu, yincwadi yeZenzo - kukhulunywa ngombhabhadiso owenziwa nguFiliphu umvangeli.**


51

**UFiliphu esahamba endleleni eya eGaza, wabona isikhulu sikaKhandakhe inkosikazi yaseTopiya, esasibheke wonke umcebo wenkosikazi leyo.**
**Lesikhulu sasize eJerusalema ukuzodumisa.**


52

**Sase siphindela ekhaya, sigibele inqola, sifunda umqulu.**
**UFiliphu wagijima waya kuyona lendoda wabuza wathi**




53

**Izenzo 8:30, 31**
**ukuthi iyakuqonda yini lokho ekufundayo. Isikhulu saphendula masinyane sathi: Ngingakwazi kanjani, uma kungekho ongiholayo na?**



54

**Ngingakwazi kanjani, uma kungekho ongiholayo na?**


55

**Isikhulu sacela uFiliphu ukuba agibele enqoleni.**
**UFiliphu wabheka wabona ukuthi lendoda ifunda encwadini kaIsaya, isahluko 53.**
**Yacela ukuba uFiliphu ayichazele ngaso.**
**Leso sahluko sasikhuluma ngempilo kaJesu nangendlela abethelwa ngayo uMesiya.**

# 16 - Ukuqala Kabusha



56

Izenzo 8:35.
IBhayibheli lithi: UFiliphu wavula umlomo wakhe, eqala kulowombhalo washumayela ivangeli ngoJesu. Izenzo 8:35.


57

Cabanga ngaleyo ngxoxo ngeBhayibheli enqoleni egonqozayo!
UFiliphu akagcinanga ngokukhuluma ngoJesu, kodwa kusobala ukuthi wayichazela ngokubaluleka kombhabhadiso, ngoba iBhayibheli lithi kwathi befika emanzini amaningi, umTopiya wathi kuFiliphu,



58

Izenzo 8:36..
..Bheka, nanka amanzi; kwalani ukuba ngibhabhadiswe? Izenzo 8:36.



59

UFiliphu wathi kuye: Uma ukholwa ngenhliziyo yonke, kungenziwa.



60

UmTopiya wathi: Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu.
Indimana 37.



61

Wayala ukuba inqola ime. Behlela emanzini bobabili, uFiliphu nomthenwa; wambhabhadisa.
Izenzo 8:38.
UFiliphu wacwilisa induna yaseTopiya emanzini, njengoba uJohane wacwilisa uKristu mhla embhabhadisa.



62

Izenzo 8:39
Kwathi sebekhuphukile emanzini, uMoya weNkosi wamhlwitha uFiliphu,

# 16 - Ukuqala Kabusha



63

......wahamba ngendlela yakhe ethokoza.
Izenzo 8:39


64

Kwenzeka lokho uma singcwaba impilo endala yesono, siqala entsha kuKristu.
Ngokusobala, ukucwiliswa kwaku iyona-ndlela yokubhabhadisa eyayisetshenziswa yibandla lamaKristu lokuqala.



65

Empeleni, abukho ubufakazi eTestamenteni eliSha ngenye indlela yombhabhadiso. Lapha sibona umfanekiso wendawo yokubhabhadisela esontweni laseFilipi kungakapheli neminyaka eyikhulu kwazalwa uJesu.
Lokhu kwatholwa abafundi bomlando webandla nalabo abemba amagugu omlando.


66

kuyabonakala ukuthi ukucwiliswa kwakuyiyona-ndlela yokubhabhadisa kwaze kwaba iminyaka yabo 1100 nabo 1200.



67

UKhadinali James Gibbons wabhala lokhu: Amakhulu eminyaka ngemuva kokwesekwa kobuKristu, umbhabhadiso wawenziwa ngokucwilisa



68


kodwa kusukela ngeminyaka yawo 1100 umkhuba wokubhabhadisa ngokufafaza wavama ebandleni lamaKhatholika.



69

Ngoba lendlela ilula kunokucwilisa.

# 16 - Ukuqala Kabusha



70

...Ibandla lisebenzisa amandla alo ekukhetheni okuyiyona ndlela engcono ngokuya ngesimo, isikhathi nendawo.
- The Faith of Our Fathers, 94th edition, ikhasi 277.



71

Izivakashi eziningi namuhla zivakashela isonto likaSt. John, elisendaweni yase-Efesu eTurkey.
Lelisonto lakhiwa njengesikhumbuzo somfundi uJohane.
Okuthathekisa kakhulu yindawo yokubhabhadisela, eyakhiwe yayindilingi engangezinyathelo eziyishumi-nambili kanti ukushona kwayo yizinyathelo ezine.
Kukhona izitebhisi ezehlela phansi esizibeni ezinhlangothini ezimbili.



72

Abantu abaningi sebeke bezwa ngombhoshongo omdala ongaphambi kwesonto lasePisa, kwelaseNtaliyane, owaziwa kangcono ngokuthi Umbhoshongo Wase Pisa Otshekile.


73

Lelisonto linomboshongo, futhi linendawo yokubhabhadisela, eyisakhiwo esiyindilinga, phakathi kwaso


74

kukhona isiziba esiyizinyathelo ezingamashumi amabili, sajula saba yizinyathelo ezine. Yakhiwa eminyakeni yawo 1300.
Iminyaka engu 1300 ngemuva kokwenyuka kukaKristu, kwakusabhabhadiswa ngokucwilisa!



75

Maningi amasonto anjena aneziziba zokubhabhadisela ezinkulu kwelaseYurophu.
KwelaseNtaliyane-nje lilodwa, kutholakala amasonto anjalo angu 66, kanti isikhathi sokwakhiwa kwawo sisukela eminyakeni ephakathi kwamakhulu amathathu naku 1300.

# 16 - Ukuqala Kabusha




76

**Kodwa ubaluleke kangakanani umbhabhadiso na?**




77

**Kudingeke ngempela kodwa ukubhabhadiswa?**





78

**Johane 3:5**
**Waphendula uJesu, wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya,**




79

**angengene embusweni kaNkulunkulu. Johane 3:5**



80

**UJesu uyatshengisa lapha ukuthi ukuzalwa ngamanzi, okusho ukubhabhadiswa njengoba sizobuye sibone, kudingekile ukuze umuntu angene ezulwini.**



81

**UKristu akawakhulumanga kwakanye kuphela lamazwi.**
**Qaphela ukuthi naku Marku 16:16, usho into efanayo.**




82

**Marku 16:16.**
**Okholwayo abhabhadiswe uyakusindiswa. Marku 16:16.**
**Isinyathelo sokuqala ekulungiseleni umbhabhadiso weBhayibheli ukukholwa ukuthi uJesu Kristu wafela izono zakho, futhi unguMsindisi wakho neNkosi yakho.**

# 16 - Ukuqala Kabusha


83

**UFiliphu ugcizelela lesidingo sokukholwa okuphelele kuKristu uma ekhuluma nomTopiya.**
**Ngesikhathi umTopiya ebuza uFiliphu ukuthi angabhabhadiswa yini, uFiliphu wathi**



84

**Izenzo 8:37.**
**Uma ukholwa ngenhliziyo yonke, kungenzeka. Izenzo 8:37.**



85

**Mathewu 28:19.**
**UJesu wanika abafundi baKhe isinyathelo sesibili, Hambani...nenze izizwe zonke abafundi, nibabhabhadise.**
**Mathewu 28:19.**
**Ukufundisa kwandulela ukubhabhadiswa.**



86

**Mathewu 28:20.**
**UJesu wathi ofuna ukubhabhadiswa makafundiswe...ukugcina konke enginiyale ngakho. Mathewu 28:20.**


87

**Ngamanye amazwi, umuntu ozilungiselela inkonzo engcwele yombhabhadiso udinga ukuqonda izimfundiso zikaJesu, azamukele. Kodwa kudingeka okungaphezu kokwamukela izimfundiso-nje.**



88

**Mathewu 28:19**
**Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhabhadise egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Mathewu 28:19**
**Kudingeka ukuba umuntu anikele impilo yakhe kuKristu.**
**Uma umuntu ezihlanganisa noJesu, uqala ukuphila ngendlela kaKristu.**
**Akasafuni ukwenza noma yini uJesu angavumelani nayo!**

# 16 - Ukuqala Kabusha


89

Isinyathelo sesithathu inguquko. UPetru wathi,




90

Izenzo 3:19
Phendukani, niguquke ukuba kuhlangulwe izono zenu.
Izenzo 3:19. Ukuphenduka kusho ukudabuka ngezono zakho, uzishiye.


91

Lokhu kungavela kuphela enhliziyweni eke yaya eKalvari - inhliziyo ethintwe futhi yathanjiswa umhlatshelo owenziwa esiphambanweni ukusisindisa ezonweni zethu.



92

Ake siziphinde ngokufingqiwe lezinyathelo zokulungisela umbhabhadiso:




93

1. Ngaphambi kombhabhadiso umuntu makamukele uJesu njengoMsindisi neNkosi



94

2. Ngaphambi kombhabhadiso, umuntu makaqondisise izimfundiso zikaJesu, azimisele ukumlandela.



95

3. Makavume zonke izono, aguquke.

# 16 - Ukuqala Kabusha


96

Uma uke wafisa ukuguqula impilo yakho kodwa ungazi ukuthi ungakwenza kanjani lokho,
ngokulandela lezinyathelo ezintathu zokulungisela umbhabhadiso, ungaba umuntu omusha ngempela - kusuka ngaphakathi kuphumele ngaphandle.
Ngamandla kaNkulunkulu, ungaguqulwa, uzalwe ngokusha.


97

Abanye bayabuza ukuthi:  Uma sengibhabhadisiwe, ngiba yinxenye yebandla na?  Noma ngibhabhadiselwa kuJesu-nje?
IBhayibheli lifundisa ukuthi ukubhabhadiselwa kuKristu kusho ukubhabhadiselwa emzimbeni kaKristu, ibandla. iBhayibheli lithi mhla kwakubhabhadiswa izixuku ngosuku lwePentekoste,




98

Izenzo 2:41, 42
Ngakho abalamukelayo izwi lakhe babhabhadiswa, kwenezelwa ngalowomuhla abantu kungathi izinkulungwane ezintathu.



99

Baqinisela njalo esifundisweni sabaphostoli, nasekuhlanganeni,



100

nasekuhlephuleni isinkwa, nasemikhulekweni. (Izenzo 2:41, 42)
Indimana icacile.  Uma sibhabhadiswa, asibi yizintandane ngokwasemphefumulweni.  Asishiyiwe sodwa.  Abantu ababhabhadiswa ngokwencwadi yeZenzo baqinisela njalo esifundisweni sabaphostoli, nasekuhlanganeni.
Baba inxenye yebandla likaNkulunkulu elikholwa yiBhayibheli.

# 16 - Ukuqala Kabusha



101

**1 Korinte 12:13**
**KwabaseKorinte bokuqala 12:13 kuthiwa: Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhabhadiswa sibe mzimba munye... Indimana ka28 isho kahle ukuthi lowomzimba yibandla.**
**Uma abantu bamukela uJesu, benikela izimpilo zabo kuYena, bemlandela, bazofuna ukukhonza nabanye abakholwa njengabo. Izinhliziyo zabo zishisekela ukuba yinxenye yebandla likaKristu eligcina imiyalo yaKhe.**



102

**Mathewu 28:19, 20**
**Kungakho-nje uJesu wathi kuMathewu 28:19, 20: Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhabhadise egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele.**



103

**Nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho;**


104

**Namuhla uJesu uyakunxusa ukuba unikele impilo yakho kuYena. Uyakunxusa ukuba ube yinxenye yabantu baKhe abakholwa yiBhayibheli, futhi begcina imiyalo yaKhe. Ukumema ngesimemo amema ngaso umpostoli uPawulu:**



105

**Izenzo 22:16.**
**Manje ulibalelani na? Sukuma ubhabhadiswe, uhlambulule izono zakho. Izenzo 22:16.**


106

**Ngobunye ubusuku umfundisi womJuda, uNikodemu weza kuJesu.**
**Wayengafuni ukuthi abangane bakhe bazi ukuthi unomdlandla ngakuJesu.**

# 16 - Ukuqala Kabusha



107

**Johane 3:2**
**Wathopha uJesu ngokuthi: Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi ovele kuNkulunkulu;**



108

**Ngokuba akakho ongenza lezi zibonakaliso ozenzayo, uma uNkulunkulu engenaye.**
**Johane 3:2.**
**UJesu wayifunda inhliziyo yalendoda, ngakhoke wavele waqonda-ngqo wayitshela lokho eyayidinga ukukwazi.**



109

**UJesu waphendula, wathi kuye: Ngiqinisile, ngiqinisile,**



110

**ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu.**
**Johane 3:3.**



111

**UNikodemu wadideka, wabuza kuJesu ukuthi: Umuntu angazalwa kanjani esemdala na?**



112

**Angangena ngokwesibili esiswini sikanina, azalwe na?**
**Johane 3:4**



113

**Johane 3:5**
**UJesu wamtshela ukuthi usho ukuzalwa kukamoya, uma ethi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Um umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya,**

# 16 - Ukuqala Kabusha



114

angengene embusweni kaNkulunkulu.
Johane 3:5.
Lapha uJesu ukhuluma ngokuzalwa kukamoya okubonakaliswa ngombhabhadiso.
Lokhu kusho ukugezwa komuntu emanzini ombhabhadiso.


115

Ngaphandle kokungabaza, uNikodemu umFarisi, wayelindele ukungena embusweni kaNkulunkulu ngokuthi wayengumJuda wokuzalwa, ozinikele.


116


Kodwa uJesu wakuchaza ukuthi noma yini esilelayo enguqukweni ephelele ngoMoya ongcwele ayenele.


117

Iyona ndlela lena umuntu aphelelisa ngayo ukwamukela kwakhe umhlatshelo esawuphiwa nguBaba, wafezeka ngeNdodana.



118

Lesi yisiqalo sokuphila okusha kuKristu.



119

Mathewu 3:17
Embhabhadisweni kaKristu, izwi likaNkulunkulu lezwakala lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo.
Mathewu 3:17.



120

Kwakungalesisikhathi lapho uMoya Ongcwele, gesimo sejuba, egcoba uJesu, wayeseba Ogcotshiweyo, noma uMesiya, noma uKristu.

# 16 - Ukuqala Kabusha


121

Lesigameko kwaku ukuqala kukaJesu ukuthi asebenze umsebenzi wobufundisi.
Ngendlela efanayo, ukubhabhadiswa komuntu okholwayo kuyisiqalo sempilo yakhe entsha uKristu enguMsindisi wakhe.
Lesigameko futhi sisho ukufakaza ngokusobala kwekholwa ngokubhabhadiswa kwalo ukuthi lizihlanganisa noKristu noma selembethe uKristu.




122

kwabaseGalathiya 3:27
Kuthiwa kwabaseGalathiya 3:27:  Ngokuba nonke enabhabhadiselwa kuKristu nembatha uKristu.



123

(Video: 10 sec) Umbhabhadiso, kulowo owamukele uKristu njengomhlatshelo wakhe, utshengisa ukukholwa emaphuzwini amathathu amakhulu ngomhlatshelo kaJesu.




124

AmaRoma 6:3, 4
UPawulu wathi:  Kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhabhadiselwa kuKristu Jesu, sabhabhadiselwa kukho ukufa kwaKhe na?
KwabaseRoma 6:3



125

Uyaqhubeka ethi isinyathelo esilandelayo esithathwa umKristu uma ebhabhadiswa:  Kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhabhadiselwa kuKristu Jesu, sabhabhadiselwa kukho ukufa kwaKhe na?  Indimana 4.
Kodwa kukhona inxenye yesithathu kulesenzo sokukholwa.



126

AmaRoma 6:4
Njengalokho uKristu wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise

# 16 - Ukuqala Kabusha



127

kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha. Indimana 4. Nakhoke. Umuntu obhabhadisiwe usezelwe ngomoya nangamanzi!


128

Sibonakalisa ukukholwa kwethu ekufeni, ekungcwatshweni nasekuvukeni kukaJesu Kristu esidlangalaleni.



129

UPawulu usitshela ukuthi: Kanjalo nani manizisho ukuthi ningabafileyo maqondana nesono, kodwa niphilele uNkulunkulu.
Uyabonake manje ukuthi lokhu kuyinxenye enhle kangakanani yempilo yobuKristu?


130

Kufana nenkonzo yomshado kulabo akade bethembisene.
Yilona thuba leli lokufakaza ngokusobala ukuthi bayohlala behlanganiswe ndawonye njalo-nje uma besaphila.



131

Efesu 4:5.
IIBhayibheli lisitshela ukuthi: inye iNkosi, inye inkolo, munye umbhabhadiso. Kwabase-Efesu 4:5.
Kodwa emabandleni, kukhona izindlela eziningi kangaka zokubhabhadisa ezisetshenziswayo.


132

Abanye bayafafaza, abanye bakuthela ngamanzi, kanti abanye bayacwilisa.
Kungashiwo kanjani ukuthi munye umbhabhadiso kube kukhona isiphithiphithi esingaka ngokuthi yimuphi okuyiwona-wona?



133

Kudingeka ukuthi sibuze ukuthi: Wenzani uJesu?

# 16 - Ukuqala Kabusha



134

**Sithola ukuthi iBhayibheli lithi uJohane wayebhabhadisela emfuleni iJordani.
Mhla kubhabhadiswa uJesu: wakhuphuka esephuma emanzini.
Wabhabhadiswa ngokucwiliswa.**



135

**Empeleni, yilokho okushiwo yigama lesiGreki elithi baptizo. Lisho ukucwilisa emanzini, ukwemboza ngamanzi.
Iyona kuphela lena indlela yombhabhadiso emele ukufa, ukungcwatswa nokuvuka kukaKristu.**


136

**Ngesinye isikhathi uPawulu nowayesebenza naye uSila, baya emzini wase Filipi ngokumenywa yindoda yase Makedoniya uPawulu ayekade eyibone ephusheni.**


137

**Ngokushumayela kwabo, uPawulu noSila banyakazisa abantu eFilipi.**


138

**Kangangoba izixuku zabahlasela, impilo yabo yaba sengcupheni. Izixuku zadabula izingubo zabo nezikhulu zomphakathi zabashaya.**


139

**Bayiswa ejele lapho bavalelwa khona ejele elingaphakathi ukuze bangakwazi ukweqa.**


140

**Phakathi nobusuku, uPawulu noSila babethandaza becula, kusenjalo kwazamazama umhlaba, kwanyakaza izindonga zejele - kwavuleka iminyango yejele, kwaqathaka amaketanga kuzo zonke iziboshwa.
Umgcini-ziboshwa weza egijima, wabona iminyango ivulekile, wacabanga ukuthi iziboshwa zibalekile.**

# 16 - Ukuqala Kabusha



141

**Wayesehosha inkemba yakhe ukuze azibulale - eqinisekile ukuthi uzonqunywa ngoba kubaleke iziboshwa.**




142

**Izenzo 16:28.**
**Kepha uPawulu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Ungazilimazi, ngokuba sikhona sonke. Izenzo 16:28.**




143

**Umgcini-ziboshwa wamangala! Lamadoda - uPawulu no Sila - babekade behlukunyezwe nguye, kodwa babengenayo inzondo, futhi bengafuni ukuziphindisela.**
**Umgcini-ziboshwa wabona ukuthi abanacala. Wagijima wathola isibane, wangena lapho beboshelwe khona oPawulu noSila, wawa ezinyaweni zabo ecela ukuba bamxolele.**




144

**Izenzo 16:30, 31**
**Wabakhiphela ngaphandle wathi: : Makhosi, ngimelwe ukwenzani ukuba ngisindiswe na?**




145

**Baphendula labantu bakaNkulunkulu bathi: Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena nendlu yakho.**



146

**Umgcini-ziboshwa wayisa uPawulu noSila endlini yakhe lapho ageza khona izinyawo zabo nemihlane eyayopha.**




147

**Izenzo 16:33**
**Wabathatha ngaso leso sikhathi sasebusuku, wabageza imivimbo.**

16 - Ukuqala Kabusha



148

**wabhabhadiswa khona lapho, yena nabo bonke abakhe.**
**Izenzo 16:33**


149

**Zihlobo, uma bewungakaze uzwisise ngaphambili ukuthi usho ukuthini umbhabhadiso, nokuthi ubaluleke kangakanani, noma uma ubungakaze uthole ithuba lokulandela uJesu ngombhabhadiso wokucwiliswa, wona lowo-mbuzo nesimemo uAnaniya awubuza uPawulu uza kuwena:**



150

**Izenzo 22:16.**
**Manje-ke ulibalelani na? Sukuma, ubhabhadiswe, uhlambulule izono zakho...**
**Izenzo 22:16.**

# 16 - Ukuqala Kabusha


151

**Mhla uJesu ebhabhadiswa, izwi elivela ezulwini lathi: "Lo, uyiNdodana yaMi engithokoza ngayo." Uma nawe, ungena emanzini ombhabhadiso, iNkosi izokhuluma nawe ithi: Uyindodana yaMi ethandiweyo. Uyindodakazi yaMi ethandiweyo. Ngiyathokoza ngawe. Injabulo enkulu empilweni ukwazi ukuthi uthokozisa uNkulunkulu.**

**Uma ubhabhadiswa, uzokuzwa ukuthi ungokaNkulunkulu. Ungumntwana kaNkulunkulu.**

**Ngenye indlela, umbhabhadiso ufana nomshado. Ngaphambi komshado, ingoduso nomkhwenyana bayathandana. Umshado awudali uthando enhliziyweni yendoda ngakowesifazane; noma kowesifazane ngakowesilisa.**

**Umshado ubufakazi balolothando. Umshado ukuzinikela eshashalazini phambi kwemindeni nezihlobo.**

**Unjalo nombhabhadiso. Awudali uthando lukaNkulunkulu ezinhliziyweni zethu.**

**Isizathu sokufuna kwethu ukubhabhadiswa ukuthi siyamthanda vele.**

**Umbhabhadiso ubufakazi baseshashalazini phambi komndeni wethu nezihlobo kanye nebandla ukuthi siyamthanda uJesu, futhi sizinikele kuYena.**

**Uma senza lokho kuzinikela kwaseshashalazini, izolo lethu kufana nokuthi lingcwatshwe emanzini ombhabhadiso, sivuka sesiphila impilo entsha kuKristu.**

**Okwayizolo kudlulile - kungcwatshiwe - kungasoze kwasihlupha futhi. UNkulunkulu wethembisile ukusinika amandla oMoya waKhe oNgcwele ukuze sikwazi ukuphila impilo yobuKristu.**

**Abanye abantu bayangabaza. Abathathi zinyathelo. Abakholwa ukuthi sebekulungele. Umbhabhadiso awusho ukuthi sewuphelele. Usho ukuthi uzinikele.**

**UJesu uyakunxusa namuhla ukuba ulandele ezinyathelweni zaKhe uye engcwabeni lamanzi lombhabhadiso. Ukupha ukuthethelelwa, inkululeko kuwona wonke amacala esikhathi esedlule, kanye namandla okuphila impilo entsha ngoMoya waKhe oNgcwele.**

**Uyavuma ukuthi "Yebo" kuJesu khona manje? Uma ufisa ukulandela uJesu yonke indlela uye**

**embhabhadisweni weBhayibheli, ngifuna uze ngaphambili ukuze ngizokwenzela umthandazo okhethekile.**
**Ngiyanimema nonke ukuba nisukume khona manje uma sithandaza. Ngaphambi kokuba ngithandaze, uma ufuna ukuthi "Yebo, Jesu, ngiyafuna ukubhabhadiswa," woza ngaphambili khona manje lapha eAltare, ugobise ikhanda ukuze ngikuthandazele. Ungangabazi. Woza...woza khona manje, mina ngizothandaza.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



1

Inkohliso Enkulu Emhlabeni



2

(Video: 19 sec) Obunye ubuqili obukhulu obake benziwa benzeka ngasekupheleni kweminyaka yawo 1960. Insizwa ekhaliphile yase France, uDavid Stein, wadweba izithombe ezingaphezu kweziyi 400 ezingumgunyathi walezo zabadwebi bodumo abafana no: Picasso, Chagalls Renoir, van Gogh kanye nabanye.
Wasayinda amagama alabadwebi bodumo ngemuva kwesithombe ngasinye, wazithengisa sengathi uthengisa ezoqobo.
Kwakuyinkohliso enkulu, kangangoba zathathwa njengezangempela lezo zithombe!



3

(Video: 9 sec) Kuze kube namuhla, kusabanjwe ezingu 110 kuphela kulezo zithombe zomgunyathi. UStein waboshwa ngo 1972, wadonsa izigwebo emajele ase Sing Sing nase Paris.
Wakhululwa ngo 1980. Ngesikhathi esejele, uStein wacabanga kabusha, wazimisela ukusebenzisa elakhe igama nxashane edweba.



4

(Video: 12 sec) Namhlanje ungumdwebi owaziwayo, kanti futhi unikeza izinkulumo emhlabeni wonke. Ukhuluma ngani na? Ukhuluma ngento ayazi kahle kakhulu: Indlela Yokubona Okungumgunyathi. UStein watshengisa ukuthi akulula ukubona umgunyathi ngisho nakumuntu onguchwepheshe. Kodwa noma wayeyiqili elinjalo, angafaniswa nengane uma eqhathaniswa no

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



5

**(Video: 12 sec) yise omkhulu wabo bonke ubuqili - uSathane!**
**Akekho ongalingana noSathane uma kufikwa ebuqilini, ekukhwabaniseni nasebuqoleni. Yebo, uSathane akazenzi umkhanya lezi zinto.**
**Usebenza ngabanye abantu, abasemagunyeni nezithunywa.**
**Ukuba ubesebenza ngokusobala eyisitha sikaNkulunkulu esibonakalayo, ngabe ayikho ingozi yokuthi kungakhona umKristu ongakhohliseka.**
**Kanjalo-ke usebenza ekusithekeni, ngesinye isikhathi egqoke ingubo yokukholwa -**


6

**exuba iqiniso namanga ukuze asuse abantu ekukhonzeni uNkulunkulu ngeqiniso. Bekusolokhu kuyinto esegazini lakhe lena ezinkulungwaneni zeminyaka.**


7

**UNkulunkulu akasishiyanga ukuba sibe ngaphansi kwalomkhohlisi omkhulu, kodwa usixwayisile eBhayibhelini ngenkohliso enkulu kunazo zonke ezokuba esikhathini sokugcina.**


8

**Lithi iBhayibheli uDaniyeli uqobo waba nephupho lezilo ezaziphuma olwandle.**



9

**Daniyeli 7:2, 3**
**Uthi uDaniyeli: Ngabona embonweni wami ebusuku; bheka, imimoya yomine yezulu yavumbuluka elwandle olukhulu.**



10

**Izilo ezine ezinkulu zakhuphuka elwandle, zahlukile esinye kwesinye. Daniyeli 7:2, 3.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



11

Izilo zikhuphuka olwandle?
Ngabe kusho ukuthini lokhu na?



12

Asivumele iBhayibheli lisinike isihluthulelo sokuvula lesiprofetho ngalemifanekiso.
Okokuqala, kulesiprofetho kukhona amanzi.



13

Isambulo 17:15
Isambulo 17:15 sithi: ......Amanzi owabonayo, ... angabantu nezixuku, nezizwe, nezilimi.
Kuso lesahluko, uNkulunkulu utshela uDaniyeli ukuthi lezilo zimeleni:



14

Daniyeli 7:17, 23
Lezozilo ezinkulu ezine zingamakhosi amane ayakuvela emhlabeni.



15

...Isilo sesine siyakuba ngumbuso wesine emhlabeni...
Daniyeli 7:17, 23.
Izwi likaNkulunkulu lisho ngokusobala ukuthi isilo simele inkosi noma umbuso.



16

Izilo eziphuma emhlabeni owakhiwe zazimele izizwe ezithile ezazizokuba khona.
Qaphela ukuthi zichazwa kanjani kuDaniyeli 7:3:



17

Daniyeli 7:3
Izilo ezine ezinkulu zakhuphuka elwandle, zahlukile esinye kwesinye.



18

Daniyeli 7:4
Esokuqala sasinjengengonyama, sinamaphiko okhozi;
Daniyeli 7:4

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



19

**Daniyeli 7:5**
**Bheka, esinye isilo, esesibili, sinjengebhere, samiswa ngolunye uhlangothi,**



20

**izimbambo ezintathu zisemlonyeni waso phakathi kwamazinyo aso...**
**Daniyeli 7:5**



21

**Daniyeli 7:6**
**Emva kwalokho ngabona; bheka, esinye sinjengengwe, sinamaphiko amane enyoni emhlane; Daniyeli 7:6**




22

**Daniyeli 7:7**
**Emva kwalokho ngabona emibonweni ebusuku; bheka, isilo sesine, esesabekayo, sinamandla, siqinile kakhulu.**




23

**sasinamazinyo amakhulu ensimbi, sadla, saphula, sanyathela okuseleyo ngezinyawo zaso.**



24

**Sahlukile kuzo zonke izilo ezazingaphambi kwaso , sasinezimpondo eziyishumi.**
**Daniyeli 7:7.**


25

**Sengathi yindawo yokubukisa ngezilwane ezigciniwe!**
**Uzophawula ukuthi akuzona izilwane ezejwayelekile lezi.**
**Zonke zinezimpawu ezithile ezisisiza ukuqonda lombono.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi


26

UDaniyeli esacabanga ngombono wakhe wezilo ezine, kufanele ukuba wakhumbula iphupho lenkosi uNebukadinesari - lelophupho lendoda yokusansimbi. Kuwo womabili lamaphupho, imifanekiso esetshenzisiwe yayimele imibuso emine yomhlaba yasemandulo,



27

(Video 6 sec) siqala ngeBabele, umbuso wamaMede namaPheresiya, umbuso waseGreki, umbuso waseRoma,


28

sigcine ngokubuya kukaJesu nokumiswa kombuso waKhe kwaphakade.


29

Asibuyele emuva sebheke lezilo noma izizwe ngasinye njengoba ziphuma endaweni yomhlaba enabantu:




30

Daniyeli 7:4
Esokuqala sasinjengengonyama, sinamaphiko okhozi; ngabheka aze ahluthwa amaphiko aso,



31

saphakanyiswa emhlabeni, samiswa ngezinyawo ezimbili njengomuntu, sanikwa inhliziyo yomuntu. Daniyeli 7:4



32

Kwakungabuye kube yini enye eyayingafanekisa kangcono iBabele umbuso wokuqala emhlabeni (owawumelwe yikhanda legolide esithombeni sensimbi), kune ngonyama inkosi yezilwane?

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi


33

**Abantu baseBabele yamandulo, babesebenzisa ibhubesi njengophawu lombuso wabo.**
**Abomlando ombiwa phansi bathola emanxiweni eBabele uphawu lwebhubesi elinamaphiko okhozi.**


34

**Njengoba ibhubesi laziwa ngamandla alo nokunqoba kwalo, ukunqoba kwenkosi uNebukadinesari kwakungenakulinganiswa.**
**Ukushesha iBabele elathola ngakho amandla lenabisa umbuso walo kulinganiswa ngamaphiko okhozi.**
**Qaphela ukuthi uNkulunkulu usebenzisa lona uphawu lwengonyama ukukhomba iBabele.**



35

**Jeremiya 4:7**
**Iphumile ingonyama esidlekeni sayo, umchithi wezizwe uphumile.**




36

**Ushiye indawo yakhe ukuze abhubhise izwe.**
**Jeremiya 4:7**


37

**Inkosi eziphakamisile yaseBabele yacabanga ukuthi umbuso wayo uyohlala kuze kube phakade. Kusobala ukuthi ayizange icabange ukuthi esinye isizwe singase sibuse umhlaba.**
**Yaqopha lamazwi ematsheni ezakhiwo zayo: Mawuhlale kuze kube phakade.**



38

**(Video: 4 sec) Ngo Oktober 13, 539 B.C., umbuso wase Babele (ikhanda legolide esithombeni sensimbi, ingonyama enamaphiko okhozi ephusheni likaDaniyeli) wachithwa ngendlela engenasithunzi.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



39

(Video: 4 sec) Umbuso omelwe yisilo sesibili, ibhere, akungabazeki ukuthi yisizwe esinqobayo sama Mede namaPheresiya, lowo mbuso ofanekiswe ngezingalo nesifuba sesiliva esithombeni esikhulu somuntu osansimbi.
Esabuka ibhere ephusheni lakhe, uDaniyeli wathi:



40

Daniyeli 7:5
......samiswa ngolunye uhlangothi, izimbambo ezintathu zisemlonyeni waso phakathi kwamazinyo aso...
Daniyeli 7:5


41

UDaniyeli wathi ibhere lalinezimbambo ezintathu emlonyeni walo phakathi kwamazinyo, kodwa iBhayibheli alichazi ukuthi zisho ukuthini.



42

Nokho, izazi ngeBhayibheli eziningi zikholwa ukuthi izimbambo ezintathu zazimele




43

iLidiya, iBabele, neGibithe - izifunda ezintathu ezinkulu ezangwinywa amabutho amaMede namaPheresiya.



44

Umbuso wamaPheresiya wabusa iminyaka engu 200, kodwa yize noma wawunamandla, uNkulunkulu wakwembula kuDaniyeli ephusheni ukuthi esinye isilo noma umbuso uyovela:



45

Daniyeli 7:6
Bheka, esinye sinjengengwe, sinamaphiko amane enyoni emhlane,

17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



46

isilo sasinamakhanda amane, sanikwa ukubusa.
Daniyeli 7:6


47

Njengoba ibhere, okuyisilwane esingenalo ijubane singeke simelane nengwe esheshayo, kanjalo amabutho amaPheresiya awakwazanga ukuzivikela kulawo ka Alexander the Great ayeshesha.



48

(Video: 4 sec) Ephusheni likaNebukadinesari, isisu sethusi namathanga esithombe ayemele umbuso wesithathu,  wase Gresi, ngokunjalo nengwe ephusheni likaDaniyeli.


49

Amaphiko amane achaza isivinini sokunqoba kuka Alexander.
Wanqoba uDariyo III wamaPheresiya empini yase Arbela ngo 331 B.C., ngaleyondlela wase ebusa okuyiwona mbuso omkhulu owake wabo khona emhlabeni - konke lokhu ngeminyaka engaphansi kweyi 12.
Amakhanda amane engwe amele ukwehlukaniswa izigaba ezine kombuso waseGresi.



50

Daniyeli 8:22
Kuyakuvuka imibuso emine esizweni salo
Daniyeli 8:22


51

Umlando usitshela ukuthi umbuso wamaGreki nangempela waqembuka izigaba ezine.
U Alexander wafa eneminyaka engu 32, iminyaka eyisikhombisa kuphela ngemuva kwempi yakhe enkulu eArbela.
Engakangcwatsha nokungcwatshwa, kwasuka umbango omkhulu;  owaqala phakathi kwezihlobo zakhe, ngemuva kwalokho, kwabanga abaholi bezempi yakhe.
Ekugcineni, izinduna ezine kwaba yizona ezithatha umbuso.

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



52

(Video: 9 sec) Isilo esifana nengwe, iGresi, sasinamakhanda amane!
Cassander, Lysimachus, Ptolemy no Seleucus.



53

Abantu abaningi banenkinga ngokugcina ikhanda libheke endaweni efanele.
Ucabanga ukuthi kwakungezekani ukuba wawunamakhanda amane? Isiphithiphithi!
Yilelo nalelo lalizozama ukuthi kube yilona phambili!
Yilokho-ke okwenzeka kulombuso waseGresi.
Izinduna zozine zika Alexander zazizifunela amandla okubusa.



54

Yilowo nalowo walola inkemba ngomunye, umbuso washona phansi kulowombango. -
Alexander the Great, ikhasi 494.



55

Umbango waqhubeka phakathi kwezigaba ezine zombuso, kwaze kwathi ekugcineni, ngo Juni 22 168 B.C. empini yase Pydna, waphela umbuso ka Alexander the Great, iminyaka engu 144 ngemuva kokufa kwakhe. -
History of Rome, umqulu 3, isahluko 10.


56

Manje-ke lesilo sesine esesabekayo uDaniyeli athi sizobusa ngemuva kwamaGreki sona?


57

Ingelosi yatshela uDaniyeli ukuthi lombuso wesine uzokwehluka kweminye.
Isilo esiwumele sasinamandla asabekayo, futhi sinamazinyo amakhulu ensimbi afohloza izitha zawo.
Lapha sibona umbuso onesihluku nolaka.


58

Awukho omunye umfanekiso ongcono kunalona ukufanisa ukukhula kombuso waseRoma.

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi


59

IRoma lalinesihluku  ukwedlula yonke imibuso engaphambili.
AmaRoma ayengenqeni ukubulala isizwe sonke, noma athengise abantu baso ebugqilini.



60

(Video: 4 sec)  Lesi silo esesabekayo sasinamazinyo ensimbi, kanti umbuso wesine esithombeni sokusansimbi wawumelwe imilenze yensimbi. UDaniyeli wathatheka ngalesilo esibi, ikakhulu ngezimpondo zaso eziyishumi.



61

Daniyeli 7:8
Wathi:  Ngabuka izimpondo;  bheka kwavela phakathi kwazo olunye uphondo, oluncane,




62

okungaphambi kwalo ezintathu zezimpondo zokuqala zasimbulwa...  Daniyeli 7:8




63

Daniyeli 7:24.I
Ingelosi yatshela uDaniyeli ukuthi:  Izimpondo eziyishumi-ke kulowombuso kuyakuvela amakhosi ayishumi...  Daniyeli 7:24.



64

(Video: 4 sec) Ngaphandle kokungabaza, ingqondo ka Daniyeli yakhumbula isithombe esikhulu sokusansimbi esasinezinyawo zensimbi exubene nobumba, okusho ukwehlukana kombuso waseRoma.



65

(Video: 4 sec) Ngo 476 A.D. izizwe zaseNyakatho Yuropu zase ziwuchithile umbuso waseRoma. Eziyisikhombisa kulezizwe zisekhona namanje eYuropu.


66

Kodwa okwathathekisa uDaniyeli kakhulu uphondo oluncane olwaziveza phakathi kweziyishumi, lwasiphula ezintathu endleleni yalo yokuziphakamisa.

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



67

Daniyeli 7:8.
UDaniyeli waphawula ukuthi: Kulolophondo kwakukhona amehlo anjengamehlo omuntu, nomlomo okhuluma izinto ezinkulu. Daniyeli 7:8.


68

Loluphondo oluncane lwamkhathaza uDaniyeli.



69

Daniyeli 7:15.
Wabhala wathi: Mina Daniyeli umoya wami wakhathazeka ...nemibono yekhanda lami yangihlupha. Daniyeli 7:15.



70

Kungani ukuba loluphondo oluncane lumhluphe kangako uDaniyeli na?



71

Ngoba lolophondo lwalwa nabangcwele, lwabehlula.



72

Iyakukhuluma amazwi ngoPhezukonke



73


ikhathaze abangcwele boPhezukonke, iyakuhlosa ukuguqula izikhathi nomthetho;



74

bayakukhashelwa esandleni sayo kuze kube yisikhathi nezikhathi nenxenye yesikhathi.
Daniyeli 7:21, 25

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



75

UDaniyeli wabona ukuthi lesiprofetho asisathinti kuphela umlando wezwe, kodwa sesiphathelene nabantwana bakaNkulunkulu.




76

Loluphondo oluncane lwalwa nabangcwele bakaNkulunkulu lwabanqoba isikhashana. Ngokusobala, lwaluzokuba nolaka, luhluphe - lusetshenziswe uSathane ukulwa noNkulunkulu, nabantu bakaNkulunkulu neqiniso laKhe.




77

Daniyela 7:28
UDaniyeli wathi: Imicabango yami yangikhathaza kakhulu,





78

nokucwebezela kwami kwaguquka kimi, kepha ngayigcina indaba enhliziyweni yami.
Daniyeli 7:28




79

Ubani loluphondo oluncane na?




80

Ake sihlole ukuchaza kweBhayibheli ngaloluphondo oluncane, sibone ukuthi umlando uthini ngokugcwaliseka kwalo.
UDaniyeli uchaza isilo sesine, noma umbuso womhlaba wesine waseRoma njengo




81

wesabekayo, onamandla, oqinile kakhulu...unezimpondo eziyishumi ekhanda lawo.
Daniyeli 7:7

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi




82

UDaniyeli 7:24 usitshela ukuthi izimpondo eziyishumi zimele amakhosi ayishumi ayakuvela.



83

Esikhundleni kokuba kuvele omunye umbuso ophethe umhlaba wonke ngemuva kokuwa kowesine, isiprofetho sathi kuyokwehlukana umbuso waseRoma, kube nemibuso eyishumi emincane.
Umlando uyasiqinisa lesiprofetho sikaDaniyeli.




84

Izazi zomlando zisitshela ukuthi ukwehlukana phakathi kweRoma kwapheleliswa ngo A.D. 476. Ngokusho kombhali womlando weNgisi, uEdward Elliott, encwadini yakhe ethi Horae Apocalypticae, lezizwe ezilandelayo zahlasela umbuso waseRoma kusukela ngo A.D. 351 kuya ku 476.





85

(Video: 20 sec) Loluhla olulandelayo lusibonisa izizwe zakudala zaseYurophu kanye nezamanje:
Ama-Alamanni - AmaJalimane
AmaBurgundian - AmaSwisi
AmaFrenki - AmaFulentshi
AmaLombardi - AmaNtaliyane
AmaSaxoni - AmaNgisi
AmaSuevi - AmaPutukezi
AmaVisigothi - AbaseSpain
AmaHeruli - Awasekho
Ama-Ostrogoth - Awasekho
AmaVandali - Awasekho



86

Lezi yizimpondo eziyishumi ezabonwa uDaniyeli. Ngokusho kwesiprofetho, uphondo oluncane lwaluzovuka lube umbuso omkhulu ngemuva kwezimpondo eziyishumi, noma ukwehlukana kombusa waseRoma.




87

Daniyeli 7:24
Izimpondo eziyishumi-ke, kulowombuso kuyakuvela amakhosi ayishumi

17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



88

**kuvele enye emva kwawo...ithobise amakhosi amathathu.**
**Daniyeli 7:24.**




89

**Ngo A.D. 493, umbusi uZeno wanqoba wachitha isizwe sama Heruli.**




90

**Omunye umbusi, uJustinian, wabhubhisa isizwe sama Vandali ngo 534 A.D., wasuka lapho wachitha ama Ostrogoth ngo 538 A.D.**



91

**Kwaku ngalesikhathi lapho uJustinian wenza ngaso isimemezelo sokubeka umBishobhi waseRoma ukuba abe ngumholi wezenkolo eNtshonalanga neYurophu.**



92

**Kwaku ngalesikhathi lapho uJustinian wenza ngaso isimemezelo sokubeka umBishobhi waseRoma ukuba abe ngumholi wezenkolo eNtshonalanga neYurophu. UDaniyeli waphinde waprofetha ukuthi uphondo oluncane luyokwehluka kweminye imibuso:**



93

**Daniyeli 7:24**
**...Iyakwahluka kwawokuqala. Daniyeli 7:24.**
**Sasehlukile lesilo? Nangempela!**


94

**Eminye imibuso yayiqondene nezombusazwe, kodwa uphondo oluncane kwakuyibandla elinamandla kwezombusazwe.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi


95

Umunwe wesiprofetho sengathi ukhomba ngokungangabazi ebandleni laseRoma eminyakeni yeMiddle Ages, njengophondo oluncane lukaDaniyeli 7 njengoba abavuseleli bamaProtestandi babesho. UDaniyeli waphinde washo olunye uphawu lokudalula lombuso wophondo oluncane.



96

Daniyeli 7:21
Ngisabheka, lolophondo lwalwa nabangcwele, lwabahlula.
Daniyeli 7:21.



97

Daniyeli 7:25
Futhi wathi: lombuso uzokhathaza abangcwele... indimana 25.


98

Ngabe ibandla kumaMiddle Ages lake lahlupha abangavumelani nalo?
Ngeshwa, kunjalo!
I Inquisition, amaHuguenots, amaWaldenses, amaAlbigenses, Impi Yeminyaka engamashumi amathathu, umbede wezipikili, nejele elisemgedeni,


99

ukushiswa kwamafela-nkolo - konke lokhu kuhlanganiswa nebandla eminyakeni yobumnyama lapho lalibusa lingaphikiswa.
Siphinde sithole olunye uphawu olugqamile lwalombuso wophondo oluncane.



100

Daniyeli 7:25.
Isiprofetho sithi: Iyakuhlosa ukuguqula izikhathi nomthetho...Daniyeli 7:25.
Ngabe ubuPhapha bake bazama yini kumaMiddle Ages ukuguqula umthetho ongcwele kaNkulunkulu na?


101

Yebo, uthi waliguqula iSabatha, ukuba kulandelwe amasiko, kwakhonzwa ngeSonto.

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi




102

Uphawu lokugcina esizofunda ngalo lusibonisa ukuthi lombuso wawozobusa nini, kanye nobude besikhathi sokubusa kwawo.




103

Daniyeli 7:25.
IBayakukhashelwa esandleni sayo kuze kube yisikhathi nezikhathi nenxenye yesikhathi.  Daniyeli 7:25.
Lapha sithola eminye imifanekiso evela eBhayibhelini.




104

Igama elithi "isikhathi" limele unyaka - elithi "izikhathi" limele emibili noma izinsuku ezingu 720 ngokwesiprofetho.
Inxenye yesikhathi kusho ukuthi isigamu sonyaka, noma izinsuku ezingu 180..
Uma sihlanganisa isikhathi (izinsuku ezingu 360), nezikhathi (ezingu 720), nenxenye yesikhathi (ezingu 180), sithola izinsuku ezingu 1 260 zesiprofetho, noma iminyaka engako.




105

Hezekeli 4:6.
INgokubhala kukaHezekeli, usuku lwesiprofetho lusho umnyaka.  Yilolo nalolo suku lube umnyaka.
Hezekeli 4:6.
Umbuso wophondo oluncane wawuzokuba namandla iminyaka engu 1 260!
Umlando uyakuqinisa lokho.




106


AmaOstrogoth, isizwe sokugcina esamelana nebandla laseRoma, achithwa ngonyaka ka 538 A.D, okwashiya ibandla laseRoma likhululekile ukuzenzela eyalo imithetho yezepolitiki neyenkolo.




107

Iminyaka engu 1 260 emva kwalokho, ngo 1798, amandla ebandla laseRoma ezepolitiki anqanyulwa yinduna kaNapholiyoni, uBerthier.

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi


108

**Njengoba sesifunde isiprofetho sika Daniyeli 7 nophondo oluncane olwavuka ekhanda lwesilo sesine, sibone lezimpawu ezisitshelayo ukuthi lwalukhomba kubani loluphondo. Makesiwabuke lamaphuzu.**


109

**1. Loluphondo oluncane lwaluzovuka eNtshonalanga neYurophu phakathi kwemibuso eyishumi eyayivele ngemuva kokuhlakazeka kweRoma. Daniyeli 7:8.**



110

**2. Ekukhuphukeni kwalo ukubusa, uPhondo oluNcane lwasiphula imibuso emithathu. Leyomibuso yilena: amaHeruli, amaOstrogothi namaVandali. Lezizwe zazinenkolo yama-Arian, zenqaba ukwamukela uPhapha njengenhloko yebandla. Daniyeli 7:8**


111

**3. Isiprofetho sithi loluphondo oluncane luyovela phakathi kwezinye esezizinzile. Daniyeli 7:20. Lokhu kusho ukuthi lombuso wawuzokwesekwa ngo 476 A.D.**


112

**4. Lombuso wawuzokwehluka kweminye imibuso. Wawuphethe ezepolitiki nezenkolo kanyekanye. Daniyeli 7:24.**


113

**5. Uphondo oluncane lwaluzohlupha noma "lukhathaze " abangcwele. Ngisabheka, lolophondo lwalwa nabangcwele, lwabahlula. Daniyeli 7:21, 25.**


114


**Daniyeli 7:25.**
**6. Lombuso wawuzohlosa ukuguqula izikhathi nomthetho. Ngamanye amazwi lelibandla lalizozibona likwazi ukuguqula izikhathi zika Nkulunkulu nemiyalo yaKhe. Daniyeli 7:25.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



115

**Daniyeli 7:25**
**7. Isiprofetho sithi lombuso wawuzobusa wodwa isikhathi esingangeminyaka engu 1 260. IBhayibheli lithi: Bayakukhashelwa esandleni sayo kuze kube yisikhathi nezikhathi nenxenye yesikhathi. Daniyeli 7:25.**


116

**Ungabona kulesiprofetho ukuthi munye kuphela umbuso emhlabeni owavuka ngesikhathi esifanelekile, endaweni efanelekile ukugcwalisa wonke lamaphuzu. Yibandla lamaRoma lelo.**


117

**Manje ake sigxumele phambili esicongweni sesiprofetho sikaDaniyeli, ngoba siphela kamnandi kubantwana bakaNkulunkulu.**


118

**Embonweni uDaniyeli esabheke imibuso yomhlaba ibangisana ngamandla ezepolitiki nawenkolo**


119

**amehlo akhe asuka emhlabeni abheka ezulwini.**



120

**Ngisabheka, kwabekwa izihlalo zobukhosi, kwahlala oMdala Wezinsuku**



121

**Izambatho zaKhe zazimhlophe njengeqhwa, izinwele zekhanda laKhe zinjengoboya bezimvu.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi




122

Isihlalo saKhe sobukhosi sasingamalangabi omlilo.



123

Umnonjana womlilo wavela waphuma phambi kwaKhe



124

Izinkulungwane zezinkulungwane zazimkhonza




125

nezinkulungwane eziyishumi zezinkulungwane eziyishumi zazimi ngaphambi kwaKhe.
Kwahlala abahluleli, izincwadi zavulwa. Daniyeli 7:9, 10.



126

UDaniyeli wabona uNkulunkulu uBaba okuthiwa oMdala Wezinsuku, ehlala esihlalweni saKhe sobukhosi.



127

Daniyeli 7:22.
Qaphela ukuthi uDaniyeli ukuchaza kanjani lokhu: Waze wafika oMdala Wezinsuku... Daniyeli 7:22.
Manje inkantolo yayisilungele ukwahlulela.



128

Daniyeli 7:10.
......Kwahlala abahluleli, izincwadi zavulwa. Daniyeli 7:10.
UDaniyeli watshengiswa ukwahlulela ezulwini, lapho uNkulunkulu wahlulela uphondo oluncane olwalwa nabangcwele.
UDaniyeli futhi wabona umphumela walokhu kwahlulela.

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



129

**Daniyeli 7:26**
**Kepha abahluleli bayakuhlala, basuse ukubusa kwayo,**



130

**kudliwe, kuchithwe kuze kube sekupheleni. Daniyeli 7:26.**


131

**UDaniyeli wabona kwenzeka into enhle nekhetheke kakhulu, emva kokuthi uBaba esehlezi phansi, nokwahlulela sekuzoqala.**



132

**Daniyeli 7:13**
**Ngabona emibonweni ebusuku; bheka kwafika namafu ezulu onjengeNdodana yoMuntu**




133

**yafika koMdala Wezinsuku, yasondezwa phambi kwaKhe Daniyeli. 7:13.**


134

**Ubani lomhlonishwa obizwa ngokuthi yiNdodana yoMuntu owethulwa phambi koMahluleli waphakade na?**



135

**UJesu wasebenzisa leligama ezisho Yena izikhathi ezingaphezu kwamashumi amane eTestamenteni eliSha.**



136

**Mathewu 17:22, 23**
**Wathi: ...iNdodana yoMuntu izakukhashelwa ezandleni zabantu.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi




137

**Bazakuyibulala, kepha ngosuku lwesithathu izakuvuswa...**
**Mathewu 17:22, 23.**
**UJesu wabuza uJuda owamkhaphelayo wathi:**




138

**Luka 22:48**
**...Juda, uyayikhaphela iNdodana yoMuntu ngokuyanga na?**
**Luka 22:48**
**Kodwa okuyiwona mazwi abalulekile ayebhekiswe kuMpristi oMkhulu owayahlulela icala likaJesu:**



139

**Mathewu 26:64**
**...Kusukela manje niyakubona iNdodana yoMuntu ehlezi ngakwesokunene saMandla,**



140

**iza ngamafu ezulu.**
**Mathewu 26:64**
**Lapha uJesu uziveza ngokusobala ukuthi uyileyo Ndodana yoMuntu uDaniyeli ayibona embonweni - Leyo eyeza ngamafu ezulu.**



141

**UKristu uzokuya ekwahlulelení amele zonke izoni ezimamukele njengommeli wazo ozinxuselayo.**
**Njengommeli wethu kuleyonkantolo, akakaze ehlulwe yicala!**
**Indimana ithi izincwadi zavulwa.**



142

**Daniyeli 7:10**
**...Kwahlala abahluleli, izincwadi zavulwa.  Daniyeli 7:10 (indawo yokugcina)**


143

**Izincwadi ziyobe ziqukethe zonke izenzo esake sazenza, noma zimbi, noma zinhle.**
**Futhi ziyobe ziphethe amathuba esake sawaphiwa uNkulunkulu, nendlela esawasebenzisa ngayo.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi


144

**Uma samamukela uKristu njengoMsindisi wethu neNkosi, kuyothi mhla kuthethwa awethu amacala, uKristu uyosukuma afakaze ngokuthi unguMsindisi wethu nokuthu ukufa kwaKhe kwasusa zonke izono esake sazenza!**


145

**Ngalolosuku ezincwadini zasezulwini, ukuphila kwaKhe okumsulwa kuyothatha indawo yokuphila kwethu okugcwele isono, kuthi lapho uBaba ebheka umlando wethu wesono, abone kuphela impilo kaKristu emsulwa ebalelwa kithina.**


146

**Siyothola ukuphila kwaphakade kungengoba kukhona okuthile esikwenzile, kodwa ngenxa yalokho esikwenzelwe uKristu esiphambanweni. Mhlawumbe umdlandla kaDaniyeli ngophondo oluncane nesiphelo salo wamenza wawhesha wanikeza yonke indaba ngalo, kanti yenzeka ngemuva kokwahlulela okuyokwenzeka engakabuyi uJesu,**


147

**lapho izindaba zasemhlabeni ziyobhekisiswa, kwenziwe nesinqumo sokuthi ngobani abayongena embusweni ongunaphakade kaNkulunkulu. Umbuso wanikwa uKristu, nokubusa.**



148

**Daniyeli 7:14**
**Yanikwa ukubusa, nobukhosi, nombuso,**



149

**ukuze bonke abantu, nezizwe, nezilimi bayikhonze;**



150

**ukubusa kwaYo kungukubusa okuphakade okungayikudlula.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi



151

**nombuso wayo yiwo ongayikuchithwa.**
**Daniyeli 7:14.**
**UDaniyeli uyaqhubeka ngezindaba ezimnandi ngalombuso:**



152

**Daniyeli 7:27.**
**......Umbuso nokubusa...uyakunikwa isizwe sabangcwele boPhezukonke...**
**Daniyeli 7:27.**
**Abantu bakaNkulunkulu, abangcwele baKhe, bayokuba yizindlalifa kanye noKristu uma sebethatha umbuso:**



153

**Daniyeli 7:18**
**...Abangcwele boPhezukonke bayakwamukeliswa umbuso, umbuso ube ngowabo kuze kube phakade naphakade.**
**(Daniyeli 7:18)**


154

**Lenxenye yesiprofetho ihambisana netshe elaphoswa kungengasandla ephusheni likaNebukadinesari, laya layoshaya isithombe ezinyaweni**



155

**Daniyeli 2:35**
**...itshe ...laba yintaba enkulu lawugcwalisa umhlaba wonke.  Daniyeli 2:35.**
**Kuleziprofetho ezimbili ezihambisanayo - iphupho likaNebukadinesari lesithombe esikhulu, kanye**


156

**nephupho likaDaniyeli lezilo - uNkulunkulu wayenikeza umlando womhlaba ngokufingqiwe, kusukela eBabele yasendulo kuze kube usuku olukhulu lokubuya kukaJesu ngamafu enkazimulo, ukuzomisa umbuso waKhe waphakade wothando nokulunga.**

# 17 - Indlela Yokubona Ukungumgunyathi


157

Thina namhlanje siphila ezansi esikhathini sezinyawo zensimbi nobumba.
Isikhathi siyawuphelela lomhlaba nabahlala kuwo!
Yiso lesisigijimi uNkulunkulu azama ukwabelana ngaso nathi ngabanye mayelana neziprofetho zaKhe ezinkulu.


158

Lena yindlela ebabazekayo yokuprofetha umlando womhlaba emakhulwini eminyaka ngaphambi kokuthi wenzeke, konke kutholakala ezahlukweni ezimbili-nje zeBhayibheli!
Uma usucabanga, awusho ukuthi kwakuyisibonakaliso sothando nokunaka okukhulu kukaNkulunkulu kubantwana baKhe emhlabeni ukuthi anike uDaniyeli lelo phupho kudala kangako eBabele ?


159

Uyabona, iJerusalema kwasekuyizindonga zodwa.
Abantu bakaNkulunkulu, uIsrayeli, babeyizigqila eBabele.
Isimo sasisibi.
Kodwa uNkulunkulu, ngendlela engejwayelekile, wayetshela uDaniyeli ukuthi:  Ngisawabambile amatomu.



160

Amakhosi ayavela, amakhosi adlule.
Imibuso iyovela, ibuye idlule, kodwa angibakhohliwe abantwana baMi emhlabeni kanye icebo enginalo ngabo.
Ngelinye ilanga konke kuyolunga.
Mngane, amakhosi nemibuso afikile,  adlula.
Leziprofetho ezimbili, esesithombe nesezilo  sezicishe zagcwaliseka ngokuphelele.
UJesu uyabuya masinyane ukwahlulela izwe, abuyisele umbuso owalahlekela uAdamu noEva kudala.


161

Ufuna bonke abantwana baKhe emhlabeni babe yinxenye yalowo mbuso, balungele lowomzuzu wenkazimulo lapho uMsindisi ebuyayo!
Ngalolosuku lwenkazimulo siyombona - uMsindisi wethu neNkosi yethu!

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade





1

**Ukugwema Ukwamukela Uphawu LweSilo**


2

**Kwakulusuku olukhulu, olufanele umgubho okhethekile ohambisana nombukiso kanye neziginci zasebukhosini.**
**Inkosi uNebukadinesari wayeneme.**


3

**Wayememe izikhulu zivela kuwo wonke umbuso obanzi waseBabele.**
**Kwakulusuku ayekade elulangazelele - futhi kulusuku ayengeke alukhohlwe esaphila.**


4

**Eminyakeni embalwa ngaphambi kwalokhu, inkosi yayikade iphuphe iphupho elingavamile.**
**Yayiphuphe isithombe esikhulu sokusansimbi.**


5

**Yayingasalikhumbuli iphupho, ngakhoke kwadingeka ukuthi uDaniyeli atshele inkosi incazelo, kungeyona kuphela, kodwa nalo iphupho uqobo.**
**Ayikho enye into eyayicatshangwa nguNebukadinesari!**


6

**Vele-nje, wayeyikhanda legolide!**
**Umbuso wakhe wawumi ungaphikiswa emhlabeni.**
**Manje wonke umuntu wayezobona isikhangiso esisobala sokuthi iBabele likhulu kangakanani - ukuthi YENA mkhulu kangakanani!**


7

**Wagcwala indelelo, wathuma izinceku zakhe ukuba zakhe umfanekiso ngegolide kuphela.**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



8

Lomfanekiso wawenziwe ngegolide elimsulwa, kungelona ikhanda kuphela, kodwa nomzimba wonke. Wonke umuntu wamangaliswa ubuhle obuxhophayo balesithombe esihle. Kwakuyindlela yenkosi yokutshengisa izwe lonke ukuthi umbuso wayo uyohlala naphakade.


9

Ngalolosuku izinkulungwane zezikhulu embusweni zeza ukuzozibonela ukwembulwa komfanekiso wegolide owenziwe ngu Nebukadinesari.


10

Kusenjalo, kwavele kwathula wonke umuntu kuleso sixuku.
Kwakhala amacilongo, okhulumela inkosi wamemeza kakhulu ethi:



11

Daniyeli 3:4 - 6
...We nina bantu, nezizwe, nezilimi,



12

ukuba ngesikhathi enizwa ngaso ukukhala kwecilongo, negenkle, nehabhu, nomqangala, nogubhu, ngemfe,



13

nazo zonke izinhlobo zokubethwa, niwe phansi, nikhuleke esithombeni segolide



14

uNebukadinesari inkosi asimisileyo

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



15

Ongawi phansi, akhuleke,



16

uyakuphonswa ngasona lesosikhathi phakathi kwesithando somlilo ovuthayo.
Daniyeli 3:4 - 6


17

Waqala umculo.
Bonke abantu bawa phansi bakhonza isithombe.
Kungcono sithi - cishe bonke abantu.


18

Esixukwini esasiguqile, kwakumi uShadiraki, noMeshaki, noAbedi-Nego; amadodana amaHeberu abangavumanga ukweqa umyalo kaNkulunkulu ngokukhuleka esithixweni.
Lokho kwashesha ukufinyelela enkosini.




19

(Video: 3 sec) UNebukadinesari wavutha ngolaka uma ezwa ukuthi kukhona abadelela izwi lakhe, wakhipha umyalo wokuthi mabalethwe kuyena.



20

(Video: 3 sec) Kwathi lapho inkosi ibuka lamadodana amathathu amaHeberu yavele yawazi.
Kwakuyizinsizwa ezikhethekile, ezikhaliphile futhi ezinamakhono.



21

(Video: 2 sec) Esikhathini esingaphambili, inkosi yayibanike imisebenzi eminingi ebalulekile, abayenza ngokwethembeka nangokucophelela.  Kanjalo yayifuna ukubenzela umusa, inkosi yazimisela ngokubanika elinye ithuba.
Yababiza bonke ngamagama yathi:

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



22

Daniyeli 3:15
Manje uma nilungele ukuba ngesikhathi enizwa ngaso ukukhala ...kwazo zonke izinhlobo zokubethwa,



23

niwe phansi nikhuleke esithombeni engisenzileyo, kuhle;  kepha uma ningakhuleki,




24

niyakuphonswa ngasona lesosikhathi phakathi kwesithando somlilo.  Daniyeli 3:15.
Njengoba inkosi yayisikhiphe lowo myalo kwakuzodingeka ilandele ngezenzo, kungenjalo isithunzi sayo sasizokwehla ebantwini.


25

OShadiraki, Meshaki noAbedi-Nego babewabona amalangabi esithandweni somlilo.
Kwavele kwabonakala ukuthi inkosi ayidlali.


26

Kwakumele benzeni?  Wena wawungenzani?
Babezokweqa umyalo kaNkulunkulu?
Yebo, kwakungaba yinto elula kakhulu ukubeka izaba bathi akulutho ukukhothamela isithixo kanye kuphela njengoba babe phansi kwelesosimo ababekusona.
Izimpilo zabo zazisengcupheni!
Kwakungebe yinto engcono yini ukutshengisa inhlonipho enkosini na?


27

Ngokusobala imicabango enjalo ayizange ibafikele ngoba babefundisiwe ngemiyalo kaNkulunkulu kusukela ebuntwaneni babo, kanti omunye waleyo miyalo uthi:



28

Eksodusi 20:4, 5
Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso walutho...

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



29

**Ungazikhothameli, ungazikhonzi...**
**Eksodusi 20:4, 5.**
**baphendula ngamaphimbo apholile, kodwa aqinisekile bathi:**



30

**Daniyeli 3:16 - 8**
**...Nebukadinesari, thina asidingi ukukuphendula kulendaba.**



31

**Uma kunjalo, uNkulunkulu wethu esimkhonzayo unamandla okusikhulula esithandweni somlilo ovuthayo,**



32

**yebo, uyakusikhulula esandleni sakho, nkosi.**



33

**Kepha noma kungenjalo, makwazeke kuwe nkosi ukuthi asiyikukhonza onkulunkulu bakho**



34

**singakhuleki esithombeni segolide osimisileyo.**
**Daniyeli 3:16 - 18**
**Inxenye elandelayo yalendaba iyathathekisa.**
**Inkosi yavutha ngolaka, yayala ukuba isithando somlilo sishisiswe kasikhombisa kunokwejwayelekile.**


35

**Inkosi yase iyala ukuthi uShadiraki, noMeshaki, noAbed-Nego baboshwe baphonswe esithandweni somlilo.**
**Umlilo wawushisa ngendlela yokuthi amasosha ayephonsa labafana abulawa ukushisa.**


# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade


36

**Kusenjalo, inkosi yabonakala igijima iya ngasemyango wesithando, yamemeza, yathi ibona abantu abane behambahamba phakathi kwamalangabi, nokuthi omunye wabo ufana neNdodana kaNkulunkulu!**


37

**INkosi yethu yangena esithandweni somlilo. YayinamaHeberu amathathu emalangabini. InguMkhululi onamandla.**


38

**UNebukadinesari wayala ukuba lamaHeberu aphume emlilweni. Kwamangala wonke umuntu lapho lamadodana ephuma emlilweni kungashanga nonwele, kungekho nephunga lentuthu ezingutsheni zawo! Bonke abantu bakhohlwa yisithombe segolide. Indaba eyaba sematheni ngalolosuku naseminyakeni eminingi eyalandela, kwaba ukusinda kwalamadodana amathathu emlilweni.**


39

**UNkulunkulu wabo wayebasindisile emalangabini! Ubufakazi obungako bothando lukaNkulunkulu nokunakekela kwaKhe abalandeli baKhe abathembekile!**
**Kungenzeka yini ukuthi ngelinye ilanga esikhathini esizayo, kuyovela umuntu oyositshela ukuthi masikhonze kanjani?**
**Kungenzeka-nje ukuthi njengalamadodana amaHeberu amathathu, singabhekana nesigwebo sokufa ngenxa yaloludaba lokukhonza?**


40

**Ungase uthi: Kungcono ngoba akukho muntu osicindezelayo ngokuthi sikhonze kanjani! Kungaba yinto embi leyo! Ukuthi ugwetshwe ukufa uma ungakhonzi ngendlela efunwa omunye umuntu.**


41

**Uyazi-nje ukuthi ngokwesiprofetho seBhayibheli isimo esibucayi kunazo zonke emlandweni sesiphambi kwethu? Nokuthi ingqikithi yalesimo yindlela okukhonzwa ngayo?**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



42

NjengamaHeberu amathathu, wonke umuntu ophila ezinsukwini zokugcina zomhlaba uzobhekana nesinqumo esinjalo.
Isinqumo esiyokusho ukuthi iphakade lakho liyokuba-phi!


43

UNebukadinesari, inkosi enamandla yaseBabele wamisa isithombe ayefuna wonke umuntu asikhothamele.
Ingqikithi kwakuyindlela yokukhonza.
Umyalo wesibili owenqabela ukukhonza izithixo wawuyisivivinyo phakathi kokukhonza uNkulunkulu weqiniso noma abamanga.
Isithando somlilo sashisiswa kasikhombisa kunokwejwayelekile.
Isikhathi sohlupho esedlula noma yisiphi esinye isikhathi sohlupho.
Isijeziso kulolumbimbi lwebandla nombuso kwakungukufa.



44

Isixwayiso okuyisona esinohlonze kunazo zonke ezake zanikezwa kwabahlala emhlabeni sitholakala encwadini yeSambulo.
Ngokusobala uNkulunkulu usibona sibalulekile lesigijimi, ngoba uthi:



45

Isambulo 13:9.
Onendlebe makezwe.
Isambulo 13:9.
Masilalele lesigijimi esiphuthumayo!



46

Isambulo 14:9, 10
...Uma kukhona okhuleka kuso isilo nomfanekiso waso, elwamukela futhi uphawu ebunzini lakhe noma esandleni sakhe,



47

naye uyakuliphuza iwayini lolaka lukaNkulunkulu

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



48

**elilungisiwe esitsheni solaka lwaKhe lingaxutshiwe.**



49

**Ahlushwe ngomlilo nesibabule phambi kwezingelosi ezingcwele naphambi kweWundlu.**
**Isambulo 14:9, 10.**


50

**Bonke abantu mabasifunde ngokucophelela lesiprofetho baqiniseke ngokuthi abanalutho lokwenza nophawu lwesilo.**


51

**Ngokwesiprofetho seBhayibheli, ekupheleni kwesikhathi, abahlala emhlabeni bazokwehlukana izigaba ezimbili:**
**labo abathembekile kuNkulunkulu, bethobela imiyalo yaKhe, nalabo abakhonza isilo bamukele umfanekiso waso.**



52

**Ingcindezi enkulu iyokuba kulabo abangafuni ukukhonza isilo noma ukwamukela uphawu lwaso. Kuyokuba yisimo esibucayi njengoba kwakunjalo amadodana amaHeberu ebhekene noNebukadinesari.**



53

**Isambulo 13:16, 17**
**Senza futhi ukuba bonke, abancane nabakhulu, nabacebileyo nabampofu, nabakhululekileyo nabayizigqila, bazibeke uphawu esandleni sabo sokunene noma ebunzini labo**



54

**ukuba angabikho ongathenga nokuba athengise, uma engenalo uphawu, igama lesilo noma isibalo segama laso.**
**Isambulo 13:16, 17.**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade


55

**Ekugcineni, kuyophasiswa umthetho othi mababulawe labo abangafuni ukukhonza isilo nomfanekiso waso.**



56

**IBhayibheli lisho lokhu ngesilo sesibili esikuSambulo: Sanikwa futhi ukuba siwuphe umfanekiso wesilo umoya ukuze umfanekiso wesilo ukhulume.**




57

**senze futhi ukuba bonke abangakhuleki kumfanekiso wesilo babulawe.**
**Isambulo 13:15**


58

**Umuntu uthi: Uma ungasikhonzi isilo, ngeke sithenge lutho kuwena futhi ngeke sikuthengisele lutho, kanti siyogcina ngokukubulala.**


59

**UNkulunkulu uthi: Uma ukhonza isilo, uyothola iwayini lolaka lukaJehova.**



60

**Wonke umuntu emhlabeni uzobhekana nesinqumo esinzima kunazo zonke ake wazenza**



61

**Isambulo 15:1**
**Ngase ngibona esinye isibonakaliso ezulwini esikhulu nesimangalisayo:**



62

**izingelosi eziyisikhombisa zinezinhlupho eziyisikhombisa zokugcina, ngokuba kwapheleliswa ngazo ulaka lukaNkulunkulu Isambulo 15:1**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade


63


Ezintathu izinhlupho kweziyisikhombisa zokugcina ziqondiswe-ngqo, kuso isilo nalabo abasikhonzayo. Ngempela uNkulunkulu ngeke avume ukuthi izahlulelo zaKhe ziwele phezu kwabantu engazange abexwayise.


64

Yinto emangalisayo lena ngo Nkulunkulu.
Ngeke athululele izinhlupho zokugcina eziyisikhombisa ebantwini engazange kuqala anike wonke umuntu ithuba lokwazi ukuthi luyini uphawu lwesilo, nokuthi angalugwema kanjani.


65

Ngalesigijimi sokuxwayisa, uNkulunkulu usipha isihluthulelo sokuvula isiprofetho, ukuze siqonde kabanzi ngaso.
Akudingekile kube khona ozobhekana nesimo esibucayi engazilungisele.
Kubaluleke kakhulu ukuthi sazi ukuthi ubani lesilo, nokuthi singagwema kanjani ukwamukela uphawu lwaso.


66

Ake sibheke isiprofetho esitholakala encwadini yeSambulo, sifunde ngalombuso wesilo.



67

Isambulo 13:1 - 8
Umfundi uJohane wabhala wathi: Ngase ngibona isilo sikhuphuka elwandle



68


sinezimpondo eziyishumi namakhanda ayisikhombisa, nasezimpondweni zaso kukhona imiqhele eyishumi



69

nasemakhanda aso kukhona amagama enhlamba.

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade




70

Isilo engasibonayo sasifana nengwe, nezinyawo zaso zazinjengezebhere,



71

nomlomo waso wawunjengomlomo wengonyama.



72

Udrako wasinika amandla akhe, nesihlalo sakhe sobukhosi nokubusa okukhulu.
KwabaseRoma 13:1, 2.



73

Elinye lamakhanda aso kungathi lalidebezwe okokufa,




74

kepha ingozi yaso yokufa yelashwa, umhlaba wonke walandela isilo, umangala.



75

Bakhuleka kudrako, ngokuba wanika isilo amandla akhe



76

bakhuleka nakuso isilo, bethi:  Ngubani ofana nesilo,



77

ngubani ongalwa naso na?

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade





78

**Sase sinikwa umlomo wokukhuluma izinto ezinkulu nenhlamba,**




79

**sanikwa amandla okwenza lokho izinyanga ezingamashumi amane nambili.**
**Isambulo 13:3 - 5.**




80

**Savula umlomo waso ukuhlambalaza uNkulunkulu, ukuhlambalaza igama laKhe**




81

**netabernakele laKhe, nabo abahlezi ezulwini.**




82

**Sanikwa ukuba silwe nabangcwele, sibanqobe,**




83

**sanikwa futhi amandla phezu kwemindeni yonke, nabantu, nezilimi, nezizwe.**




84

**Bayakukhuleka kuso bonke abakhileyo emhlabeni, wonke ogama lakhe lingalotshwanga**




85

**encwadini yokuphila yeWundlu elihlatshiweyo, selokhu kwasekelwa umhlaba.**
**Isambulo 13:6 - 8.**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade




86

Sidinga ukusibuka lesiprofetho iphuzu ngalinye, ngalinye.
UNkulunkulu uyaphinda futhi lapha ukusebenzisa imifanekiso yesiprofetho ekuchazeni kwaKhe isixwayiso emhlabeni.



87

Isilo simeleni na?
UDaniyeli 7 usitshele ukuthi izilo zimele imibuso noma amakhosi.
Lapha kweyeSambulo, sithola umfanekiso wento ethathekisayo ngempela - isilo esihlanganise zozine izilo ezabonwa uDaniyeli!
Awukaze usibone isilwane esinjalo!
Kungasisiza ukubukeza izilo ezine zikaDaniyeli ukuze siqondisise lesilo noma umbuso esifunda ngawo njengamanje.




88

Ingonyama yayimeleni na?  Yebo, iBabiloni!




89

Ibhere lona?  Kunjalo futhi:  iMedo-Pheresiya.



90

Yayimeleni ingwe yona?  IGresi.



91

Isilo esesabekayo esinezimpondo eziyishumi sona?
Nisakhumbula kahle!  Yebo, sasimele umbuso waseRoma.

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade


92

Isilo esikuSambulo 13 umbuso olandela lemibuso emine emikhulu yomhlaba.
Manje sibona okubabazekayo: munye kuphela umbuso emhlabeni onazo zonke izimpawu ezisetshenziswe kulesiprofetho.
Imibhalo kanye nomlando wezwe, yenza kube lula ukukhomba lowombuso.
Ekhuluma ngesilo, uJohane wathi:



93

Isambulo 13:2.
...Udrako wasinika amandla akhe, nesihlalo sakhe sobukhosi, nokubusa okukhulu. Isambulo 13:2.
Sithola ukuthi udrako umele uSathane, ngoba iBhayibheli lithi:



94

Kwase kuba khona ukulwa ezulwini...



95

Wayesephonswa phansi udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke...
Isambulo 12:7 - 9.


96

Siyazi nokho ukuthi uSathane akayi empini ebonwa ngamehlo.
Usebenza ezifihlile, ecashe ngemuva kwezithunywa zakhe, nemibuso nabantu.
Isambulo sisinika isithombe sempi enkulukazi phakathi kukaSathane nebandla:



97

Isambulo 12:3 - 5
Kwabonakala esinye isibonakaliso ezulwini; bheka, nango udrako omkhulu obomvu,



98

enamakhanda ayisikhombisa nezimpondo eziyishumi, nasemakhanda akhe enemiqhele eyisikhombisa...

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



99

...Nodrako wema phambi kowesifazane obezakubeletha,



100

ukuze ashwabadele umntwana wakhe.



101

Wabeletha umntwana wesilisa ozakubusa izizwe zonke ngentonga yensimbi:



102

nomntanakhe wahlwithelwa kuNkulunkulu nasesihlalweni saKhe sobukhosi. Isambulo 12:3 - 5.


103

Ubani lomntwana wesilisa na?
Impendulo ithi: UJesu Kristu!
Ngemuva kokwenzekayo, udrako noma uSathane, usebenza engaphumuli ngombuso othile ukuze abhubhise uJesu.
Kwenzeka leyonto-ke.
Yisiphi isizwe uSathane ayesebenza ngaso ngesikhathi sokuzalwa kukaJesu na?



104

Uma siphenya izincwadi zomlando wezwe, sithola ukuthi iRoma elalingakakholwa, libuswa ngoKesari, lalibusa umhlaba ngesikhathi sokuzalwa kukaKristu.


105

Inkosi uHerodi wakhipha umyalo wokuthi bonke abantwana babafana eBethlehema, obudala babo buze bufike eminyakeni emibili, mababulawe ngoba ezama ukubulala uJesu owayesanda kuzalwa.

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade


106

**Indunankulu yamaRoma, uPilatu, wagweba uJesu ukuba afe.**


107


**Amasosha amaRoma ambethela esiphambanweni, kwabekwa uphawu lwamaRoma ethuneni laKhe ukuqiniseka ukuthi aligqekezwa.**
**USathane wasebenza ngeRoma elalingakakholwa ukubhubhisa uJesu.**


108

**UJesu wavuka, wenyukela ezulwini njengoba sasishilo isiprofetho.**
**Ngabe lokhu kwenza usethembe isiprofetho seBhayibheli?**


109

**Isiprofetho saphinde sathi lombuso, iRoma elingakholwa, liyo**



110

**Isambulo 13:2**
**nika “amandla” “ nesihlalo” salo “nokubusa okukhulu” kuso isilo.**
**Ngabe iRoma engakakholwa yasigcwalisa lesiprofetho na?**
**Uma kunjalo, sasinikwe bani na?**


111

**Amakhulu amaningi eminyaka, ibandla laseRoma lalisebenzisa incwadi ebizwa ngokuthi: “Donation of Constantine” njengobufakazi bokuthi linamandla phezu komuzi waseRoma. Lencwadi, okwatholakala kamuva ukuthi eyomgunyathi, yabanika ilungelo lokubusa inxenye yaseNtshonalanga yomuzi waseRoma ngokwepolitiki nangokwenkolo.**
**Lencwadi yasetshenziswa njengesisekelo sabo sokuthi banamandla okweseka umbuso, uPhapha ebusa phezu kwawo.**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



112

**Ngo A.D. 300, uConstantine wasusa inhloko-dolobha yakhe wayimisa eByzantium, waguqula igama lomuzi wawubiza ngaye wathi yiConstantinople.**


113

**Ngesikhathi ethutha, uConstentine washiya isihlalo sakhe kumBishobhi waseRoma.**
**UmBishobhi waseRoma wayeseba yinhloko yebandla, futhi eyinkosi enesihlalo sobukhosi.**
**Kwalandela ukuhlangana kwebandla nombuso, kodwa kuyibandla elingaphezu kombuso.**


114

**IVatican City imaphakathi nomuzi waseRoma, idolobha okwakuyisizinda sombuso waseRoma wasendulo.**


115

**Ibandla laseRoma lisaqhubeka lapho nanamuhla, kungekhona njengebandla kuphela, kodwa futhi njengombuso kwezepolitiki. Cishe onke amazwe emhlabeni athumela amanxusa eVatican.**


116

**Kubalulekile ukuthi sihlale sazi ukuthi isiprofetho sikhuluma ngenhlangano, noma izimfundiso ezithile zebandla. Asikhombi umuntu othile ngomunwe.**


117

**Kunabantu abaningi abakhonza uNkulunkulu, kodwa bengakakwazi lokhu enikuzwayo nina namhlanje, okuvela eBhayibhelini mayelana nalenhlangano.**


118

**Ukufundisisa izimpawu zesilo esikuSambulo 13, kuzosibonisa ukuthi kuseyiwona lowombuso omelwe uphondo oluncane kuDaniyeli 7 esesimfundile ngaphambili.**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



119

**Umprofethi uJohane wathi lesilo sizokuba nophawu olusichazayo, nokuthi sizozama ukucindezela lolophawu ebantwini bonke emhlabeni!**



120

**Isambulo 13:16, 17**
**Senza futhi ukuba bonke, abancane nabakhulu, nabacebileyo nabampofu, nabakhululekileyo nabayizigqila, bazibeke uphawu esandleni sabo sokunene noma ebunzini labo.**



121

**Ukuba angabikho ongathenga nokuba athengise, uma engenalo uphawu, igama lesilo noma isibalo segama laso. Isambulo 13:16, 17.**


122

**Ngokwezwi likaNkulunkulu loluphawu lutshengisa ukuhlubuka noma ukungethembeki kuhulumeni kaNkulunkulu.**
**IBhayibheli lichaza ngokusobala esinye isixuku esingeke silwamukele uphawu lwesilo.**



123

**Isambulo 14:12.**
**Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu.**
**Isambulo 14:12.**



124

**Ungenzi iphutha, umbuzo omkhulu lomhlaba ozobhekana nawo ukulalelwa komthetho kaNkulunkulu!**
**Isixuku esithile samukela uphawu lwesilo, kanti esinye sethembekile kuNkulunkulu ngokugcina yonke imiyalo yaKhe nokukholwa kuJesu.**




125

**Abantu bakaNkulunkulu nabo bazokwamukela uphawu, kodwa kuyobe kuluphawu lukaNkulunkulu, isigxivizo saKhe.**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade


126

**Luyogxivizwa emabunzini abalandeli baKhe.**



127

**Isambulo 7:2, 3**
**Ngase ngibona enye ingelosi yenyuka empumalanga, inophawu lukaNkulunkulu ophilayo,**



128

**yamemeza ngezwi elikhulu kuzo izingelosi ezine ezanikwa ukuba ziwone umhlaba nolwandle,**



129

**yathi:  Ningoni umhlaba, nolwandle, nemithi,**



130

**size sizi beke uphawu izinceku zikaNkulunkulu wethu emabunzini azo.**
**Isambulo 7:2, 3.**



131

**Mina ngiyalufuna lolophawu, wena-ke?**
**Ayikho into ebaluleke ngaphezu kwaleyo.**
**Impikiswano yokugcina emhlabeni ingophawu lukaNkulunkulu noma olwesilo.  Iphakathi kophawu lukaNkulunkulu noma olwamanga.**
**Uma selusikhanyela uphawu lukaNkulunkulu, kuzoba lula ukubona olomgunyathi, lolo isilo esizama ukuluphoqelela ebantwini.**
**UNkulunkulu uyasitshela ukuthi luyini uphawu lwaKhe:**



132

**Hezekeli 20:12.**
**Ngabanika futhi amaSabatha ami abe yisibonakaliso phakathi kwaMi nabo...**
**Hezekeli 20:12.**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



133

**UNkulunkulu uphinde athi: Anogcina amaSabatha,**



134

**ngokuba aluphawu phakathi kwaMi nani ezizukulwaneni zenu,**




135

**ukuba nazi ukuthi ngingu Jehova oningcwelisayo. Eksodusi 31:13.**



136

**UNkulunkulu wathi iSabatha liyisibonakaliso saKhe noma uphawu lwamandla aKhe.**
**Isilo sithi yini uphawu lwamandla aso na?**



137

**Lombuzo olandelayo ucashunwe kwikhathekizimu lamaKhatholika:**
**UMBUZO: Kunabufakazi buni bokuthi ibandla linamandla okwenza imikhosi nokumemezela izinsuku ezingcwele na?**




138

**IMPENDULO: Ngesenzo sokuguqula iSabatha kube yiSonto, okuyinto eyamukelwa amaProtestandi: ngaleyo ndlela**



139

**beziphikisa ngokugcina iSonto kodwa beqa imikhosi eminingi eyenziwe yilo lelibandla.**



140


**UMBUZO: Unabo yini obunye ubufakazi bokuthi ibandla linamandla okwenza imithetho yemikhosi na?**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



141

IMPENDULO: Ukuba belingenawo lawo mandla, lalingeke likwazi ukufaka ukugcinwa kweSonto usuku lokuqala,




142

esikhundleni sokugcinwa komGqibelo usuku lwesikhombisa, okuyinto engenasisekelo seBhayibheli.
- An Abridgment of the Christian Doctrine, Henry Tuberville, ikhasi 58.



143

ISonto uphawu lwamandla ebandla laseRoma, njengoba nalo lisho.
Liyavuma ukuthi laguqula usuku lokukhonza lwasuka ngomGqibelo lwaba yiSonto, futhi




144

lithi lesenzo siluphawu lwamandla negunya lebandla. (Incwadi evela ku C.F. Thomas, umsizi ka Cardinal Gibbons, October 28, 1895.)
Ibandla laseRoma liphonsela amaProtestandi inselele yokuba atshengise ukuthi kungani ephathe ngobudlabha usuku lukaNkulunkulu, ashiya



145

iSabatha eliseBhayibhelini alandela usuku olwamiswa



146

injwayelo, amasiko, umyalo webandla laseRoma.



147

Daniyeli 7:25
UDaniyeli waprofetha wathi lesilo...siyakuhlosa ukuguqula izikhathi nomthetho...
Daniyeli 7:25

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



148

Daniyeli 8:12.
Wabuye waprofetha ukuthi lombuso uyophonsa ...phansi iqiniso.  Wakwenza konke lokhu, waba nempumelelo.
Daniyeli 8:12.


149

UJohane waprofetha ukuthi uSathane uzozama ukuphoqa wonke umuntu ukuba amukele uphawu lwesilo.




150

Isambulo 13:16, 17
Senza futhi ukuba bonke, abancane nabakhulu, nabacebileyo nabampofu, nabakhululekileyo nabayizigqila, bazibeke uphawu esandleni sabo sokunene noma ebunzini labo



151

ukuba angabikho ongathenga nokuba athengise, uma engenalo uphawu, igama lesilo noma isibalo segama laso.
Isambulo 13:16, 17.



152

Ukuze lombuso ufeze sonke lesiprofetho, uzozama ngokusebenzisa amandla kahulumeni ukuphoqelela uphawu lwamandla awo kuwo wonke umuntu ngezikhathi zokugcina.
Qaphela indlela uNkulunkulu adalula ngayo lombuso:



153

Isambulo 13:18
Nakhu ukuhlakanipha.  Onengqondo makabale isibalo sesilo, ngokuba siyisibalo somuntu.



154

Isibalo sakhe singu 666.
Isambulo 13:18.

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade


155

**Sisho ukuthini "isibalo sesilo" na? Baningi asebeke bawubuza lowombuzo.**


156

**Sizoyekela ibandla lamaKhatholika liphendule. IsiLatini wulimi lwasemthethweni ebandleni lamaKhatholika. Ngokwesifundiso samaKhatholika, uPhapha umele ibandla lonke.**



157

**Kuthiwa elinye lamagama kaPhapha lithi: Vicarius Filii Dei, okusho ukuthi Lowo obambele iNdodana kaNkulunkulu,**



158

**AmaKhatholika athi ibandla, okuyinhlangano obonakalayo, kumele ibe nenhloko ebonakalayo.**



159

**(Video: 9 sec) Nizobona ukuthi isibalo salamagama esiLatini kulula ukusibala:**
**Vicarius Filii Dei**
**Vicarius 5,1,100,0,0,1,5,0 = 112**
**Filii 0,1,50,1,1 = 53**
**Dei 500 0 1 = 501**
**=666**

**Nantu olunye uphawu olusobala olukhomba ibandla laseRoma njengenhlangano yesilo esikuSambulo 13.**


160

**Yisiphi isinqumo esingafinyelela kusona emva kokuba sesifunde izwi likaNkulunkulu na?**
**Singabona ukuthi siyeza isikhathi, futhi asikude, lapho wonke umuntu eyophoqwa ukuba agcine usuku lokuqala lweviki ngokuphikisane nomyalo kaNkulunkulu!**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



161


Umyalo osanda kuphuma osihloko sawo sithi: "Apostolic Letter, Dies Domini, ivela kuBaba oNgcwele, uJohn Paul wesibili, iya kubaBishobhi, abefundisi, nabathembekileyo ebandleni, maqondana noku Gcinwa koSuku lweNkosi oluNgcwele," ithunyelwe kubaholi bebandla ibakhuthaza ukuba baqhubekele phambili nokugcinwa kweSonto njengesikhathi sokuphumula nokukhonza.
Kungahle kwenzeke yini ukuthi lencwadi ebhalwe ngenjongo enhle, ihlakulela imithetho ezovuna ukugcinwa kweSonto esikhundleni seSabatha laseBhayibhelini na?


162

Iqhubeka ithi abaholi bebandla mabasebenzele ukuba imithetho yelizwe yenze lokhu kube yimpumelelo.
Uyayikhumbula inkulumo enjengale?
Njengoba sishilo isiprofetho!


163

Umbuzo osebantwini abaningi yilo: Ngabe ukhona yini umuntu onophawu lwesilo njengamanje na?
Cha. Akukho noyedwa onophawu lwesilo manje.
UNkulunkulu unabalandeli beqiniso emabandleni ehlukene.



164


Lapho imithetho kaHulumeni seyiphoqelela uphawu lwesilo, wonke umuntu kuyodingeka akhethe phakathi kokwethembeka kuNkulunkulu ngokugcina iSabatha ngokomyalo waKhe; kungenjalo akhethe ukwethembeka kuso isilo ngokugcina usuku olwafakwa ngokomyalelo womuntu.
Kungaleso sikhathi kuphela-ke, lapho abanye beyokwamukela uphawu lwesilo!
Umuntu ngamunye uyovivinywa ngalokhu: Ngizolalela uNkulunkulu noma ngizolalela umuntu?
Akubangwa ukuthi yiluphi usuku.
Ingqikithi ukuthi iyiphi inkosi!



165


AmaRoma 6:16
UPawulu wathi: Anazi yini ukuthi lowo enizinikela kuye ukuba nibe yizinceku zokumlalela,

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade



166

niyizinceku zakhe enimlalelayo, noma ezesono kube ngukufa



167

noma ezokulalela kube ngukulunga, na?
KwabaseRoma 6:16.



168

Isikhathi esishubile sizobhekana nomuntu wonke osemhlabeni masinyane.
Akekho oyokwazi ukuthenga nokuthengisa uma engenalo uphawu lwesilo.


169

Kuqala bayokhishwa inyumbazane, bese kulandela isigwebo sokufa.
Kulabo abayokwamukela uphawu lwesilo, kuyolandela izinhlupho eziyisikhombisa zokugcina.
Niyabona ukuthi kungani loludaba lubalulekile?
Niyabona ukuthi kungani kuludaba lokufa nokuphila?
Niyabona ukuthi kungani kufanele sikhethe ukuhlonipha uNkulunkulu manje?



170

Kunezindaba ezimnandi kulabo abakhetha ukuhlonipha uNkulunkulu bamukele nophawu lwaKhe.




171

Isaya 33:16.
Bangekwazi ukuthenga nokuthengisa, kodwa uNkulunkulu uthi:  Bophiwa isinkwa sabo, amanzi abo athembeke.
Isaya 33:16.



172

Mayelana nezinhlupho eziyothululelwa emhlabeni, uNkulunkulu uthembisile wathi:  Awuyikwesaba ivuso lasebusuku, nomcibisholo ondizayo emini,




173

**nobhadane oluhamba ebumnyameni, nesifo esibhubhisayo emini enkulu.**




174

**Bayakuwa abayizinkulungwane ngaseceleni kwakho, nabayizinkulungwane eziyishumi ngakwesokunene sakho, kepha akuyikufinyelela kuwe.**




175

**Uyakubuka nje ngamehlo akho, ubone ukuphindiselwa kwababi.**
**IHubo 91:5 - 8**
**Futhi, sengathi bewusazibuza ukuthi kuyokwenzekani, lithi iBhayibheli:**




176

**Ngokuba uthe: Jehova, uyisiphephelo sami, oPhezukonke umenzile abe yinqaba yakho.**



177

**Awuyikwehlelwa ngokubi, nesifo asiyikusondela etendeni lakho.**



178


**Ngokuba uyakuyaleza izingelosi zaKhe ngawe, zikulondoloze ezindleleni zakho zonke.**
**IHubo 91:9 - 11.**
**UNkulunkulu wenza isithembiso esimangalisayo kulabo abakhetha ukumlandela:**



179


**Daniyeli 12:1**
**Ngalesosikhathi uMikayeli uyakuvela, isikhulu esiqhamileyo esimela abantwana babantu bakho;**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade




180

**Kuyakuba yisikhathi sokuhlupheka esingazange sibe khona kusukela ekuveleni kwabantu kuze kube yilesosikhathi.**




181

**Ngalesosikhathi abantu bakho bayakukhululwa, bonke abafunyanwa belotshiwe encwadini.
Daniyeli 12:1.
UJohane wabonisswa umbono walabo abayonqoba isilo:**




182

**Isambulo 15:2
Ngabona kungathi ulwandle lwengilazi luxubene nomlilo, nabavela ekunqobeni isilo**



183

**nomfanekiso waso nesibalo segama laso,**




184

**bemi ngaselwandle lwengilazi, benamahabhu kaNkulunkulu.
Isambulo 15:2.
Nanjengoba sikhuluma-nje, uNkulunkulu usancenga abalandeli baKhe beqiniso ukuba baphume kuzo izinkolo okungezona ezeqiniso, bamlandele ngokuphelele.**



185

**Isambulo 18:4
Phumani kulo bantu baMi, ukuze ningahlanganyeli nalo izono zalo,**



186

**nokuba ningamukeli okwezinhlupho zalo. Isambulo 18:4.**

# 18 - Ukuphawulwa Kwanaphakade


187

**Kunentengo ekhokhwayo ngokulandela uNkulunkulu. Niyabakhumbula abafana bamaHeberu abathathu abamela uNkulunkulu ngesibindi noma bebhekene nokufa?**


188

**UNkulunkulu, ngoMoya waKhe oNgcwele ubekhuluma nawe kulezimvuselelo. Wenza ubizo lokugcina emhlabeni ofayo ukuba ulungele ukubuya kweNdodana yaKhe.**
**Uzothatha labo abakhethe ukumlandela yonke indlela. Ubungethande yini ukuthi, njengabafana bamaHeberu, usukumele uNkulunkulu neqiniso laKhe namuhla?**

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



1

**Indlela Yokuqiniseka Ngokuphepha Kwemali Yakho**


2


**UJesu wakhuluma kabanzi ngemali.**
**Imifanekiso yaKhe engu 16 kwengu 38, yayikhuluma ngokuphathwa kwemali nomcebo. Ezincwadini zika Mathewu, Marko, Luka noJohane, indimana eyodwa kweziyishumi, noma izindimana ezingu 288 sezizonke, ziphathelene nemali nenye nomunye umcebo wethu.**
**Zilinganiselwa ku 500 izindimana ezingomthandazo eBhayibhelini, ezinye ezingu 500 zingokukholwa, kodwa ezingu 2 000 zikhuluma ngemali nangezimpahla zethu.**
**Sengathi imali yisihloko esigqamile kuNkulunkulu.**
**Akafuni sikhathazeke ngayo.**
**Ufuna ukuba simethembe ukuthi uzobonelela izidingo zethu.**


3

**Abantu abaningi bachitha isikhathi esiningi bekhathazeka ngezinkinga zemali - ukuthi bazozikhokhela kanjani izinto abazifunayo nabazidingayo.**
**Futhi bakhathazeka ngekusasa.**


4

**Bafuna ukwazi ukuthi bazokuba nemali eyanele yini uma sebethatha umhlalaphansi?**
**Kuyokwenzekani uma sebebadala noma begula bengasakwazi ukusebenza?**
**Bafuna into ezinzile futhi ezohlala njalo.**
**Kodwa singakutholaphi ukuphepha kwamanje nokwesikhathi esizayo na?**


5

**UNkulunkulu akazange ahlose ukuba wena nami sikhathazeke ngesikhathi samanje noma esizayo.**
**Uma simethemba ngeke kudingeke ukuba sikhathazeke ngokuthi kuzokwenzekani kithina.**

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



6

**Mathewu 6:31, 32**
**Ngakhoke ningakhathazeki nithi: Siyakudlani? noma: Siyakuphuzani? noma: Siyakwembathani?**



7


**...Ingani uYihlo wasezulwini uyazi kukuth niyakudinga konke lokhu.**
**Mathewu 6:31, 32.**
**Ake sibheke icebo lokulondoloza kwaphakade uNkulunkulu asiphathele lona.**


8


**Konke kwaqala ensimini yase Edeni.**


9

**Umhlaba wawusanda kuphuma ezandleni zoMdali, umuhle, uphelele, unenkazimulo engenakuchazwa.**


10

**Isandla somdwebi onguchwepheshe sasithathekisa iso noma yikuphi lapho ubheka khona.**
**Ubuhle bokuphuma kwelanga kwakuncintisana kuphela nobuhle bokushona kwalo.**


11

**Amachibi acwebile, ephakathi kwezintaba.**


12

**Izimbali ezinhlobonhlobo ezazihlobise umhlaba ziathandeka ngobuhle bazo.**


13

**Imithi yayisindwa yizithelo ezimnandi ezinhlobonhlobo.**

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele


14

Imizwilili yayicula kamnandi.
Izilwane emadlelweni zitshekula futhi zizihambela ngaphandle kokwesaba.
Imifula namachibi kwakuphitizela izinhlanzi ezimibalabala.
Kwakuyizulu emhlabeni!


15

Kufanele ukuba uAdamu noEva bawuthokozela kakhulu lowo mhlaba ababewenzelwe uNkulunkulu.




16

Genesise 2:8.
Kwakungakaphelelei lapho!  UJehova uNkulunkulu watshala insumu...wambeka khona umuntu emenzileyo. Genesise 2:8.


17

Ake ucabange-nje!  Endaweni ethile phakathi kobuhle nesimanga salomhlaba osandukwenziwa, uNkulunkulu wakha ikhaya lasensimini lika Adamu no Eva.


18

Okuyilona khaya elihle ngempela emhlabeni,  alifiki kulelo lika Adamu no Eva lasensimini ngobuhle. UNkulunkulu akagcinanga ngokubapha ikhaya elihle, wabuye wabatshela ngokudla okumangalisayo abahlinzeke ngakho.



19

Genesise 1:29
...Ngiyaninika yonke imifino ethela imbewu, esemhlabeni,



20

nemithi yonke okukuyo izithelo zomuthi oveza imbewu, kube ngukudla kwenu.
Genesise 1:29.

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele


21

**U Adamu no Eva babengakhokhi imali ngokuhlala, bengakhathazekile ngentela, ukukhiya, imishudo, futhi bengekho abacekela phansi impahla noma abagqekezi, kungekho izibhedlela noma amakhemesi.**


22

**Babesempilweni ephelele, bebasha njalo, bezinikele omunye komunye, futhi bethanda uNkulunkulu. UNkulunkulu wayefuna babelane ngalezibusiso, ngakhoke wathi:**



23

**Genesise 1:28**
**...Zalani, nande, nigcwalise umhlaba niwunqobe...**
**Genesise 1:28.**




24

**Siyizinceku Zamafa kaNkulunkulu**



25

**Kwakuyinhloso kaNkulunkulu ukuthi emhlabeni kwakhe umndeni owodwa omkhulu, othokozayo, nophile kahle,**
**UNkulunkulu wayazi futhi ukuthi abantu kudingeka babe nomsebenzi abazojabulela ukuwenza.**



26

**Genesise 1:28**
**Kanjalo watshela uAdamu no Eva...Nibuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu**



27

**nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni.**

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



28

**Genesise 2:15**
**UJehova uNkulunkulu wayesemthatha umuntu, wambeka ensimini yase Edene ukuba ayilime, ayigcine. Genesise 1:28; 2:15.**



29

**Noma yonke into esemhlabeni kungekaNkulunkulu, wayinikela kumuntu ukuba abe yinceku yaKhe. UNkulunkulu unguMnikazi, thina siyizinceku, siphethe amafa kaNkulunkulu.**



30

**IHubo 24:1**
**IBhayibheli lithi:  Umhlaba ungokaJehova nokugcwala kwawo, izwe nabakhileyo kulo.**
**IHubo 24:1.**




31

**IHubo 50:10, 11**
**UNkulunkulu uphinde athi:  Ngokuba zingezami zonke izilwane zehlathi, nezinkomo zasezintabeni eziyinkulungwane.**




32

**Ngiyazazi zonke izinyoni zasezintabeni, nezilwane zasendle zaziwa yiMi.**
**IHubo 50:10, 11.**


33

**UNkulunkulu osinika amandla okuzuza imali.**
**Ngempela thina asinalutho!**
**NjengoMdali wethu, uNkulunkulu unelungelo phezu kwakho konke esinakho nempilo yethu.**



34

**Duteronomi 8:18**
**Kepha womkhumbula uJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba nguYena okupha amandla okuzuza imfuyo,**



35

**ukuba amise isivumelwano saKhe asifungela oyihlo njenganamuhla.**
**Duteronomi 8:18.**

19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



36

Isichazimazwi sikaWebster sichaza igama elithi "inceku" kanje: Lowo ongumgcini wezimali nempahla yomunye.
Namuhla uma umuntu engena ebudlelwaneni bobunceku, ufuna ukwazi ukuthi umnikazi ulindeleni kuyena.
UNkulunkulu no Adamu babezwana kuleliphuzu ngoba iBhayibheli lithi:



37

Genesise 2:16, 17
Ungadla kuyo yonke imithi yensimu ngokuthanda kwakho,




38

Kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi,



39

ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa.
Genesise 2:16, 17.



40

(Video: 20 sec) UNkulunkulu wavivinya uthando lomuntu nokwethembeka kwakhe. U Adamu noEva babengadla kuyo yonke eminye imithi ensimini, kodwa babengavunyelwe ukudla izithelo zalowomuthi ogaguliwe.
Ngokulalela uNkulunkulu, babezobe batshengisa ukuvuma kwabo ukuthi unguMnikazi.
Uma babeyizinceku ezethembekile, bakhethe ukulalela uNkulunkulu, babezophila ngunaphakade emhlabeni owawuyiparadisi!
U Adamu no Eva behluleka kulokhu kuvivinywa okukodwa ababekubekelwe nguNkulunkulu.
Baba yizinceku ezingathembekile, balahlekelwa yikho konke: ikhaya lasensimini, ukuphila bengafi, uthando, injabulo, ukuphepha, onembeza abamhlophe, nokuxhumana ubuso nobuso noNkulunkulu!

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele


41

Bawa esikhundleni sobukhosi, baphenduka izigqila. Ngemuva kwayo yonke lento, uSathane, leyo ngelosi eyahlubuka eyayethemba ukuthi izobusa wonke umhlaba kuze kube phakade, wayehleka yedwa.


42

Nokho, ukubusa kukaSathane kwanqanyulwa ukufika kukaKristu emhlabeni emakhulwini eminyaka ngemuva kwalokho.


43

Icebo likaSathane kwaku ukukhohlisa iNdodana kaNkulunkulu kalula njengoba wayekade ekhohlise uAdamu noEva.
USathane walinda kwaze kwaba yisikhathi lapho uJesu wayezile ukudla izinsuku ezingamashumi amane.



44

Mathewu 4:8, 9
wabuye wamyisa entabeni ende kakhulu...



45

wamkhombisa imibuso yonke yezwe nenkazimulo yayo...



46

Wathi kuye:  Konke lokhu ngizakukunika khona, uma uziwisa phansi, ukhuleke kimi.  Mathewu 4:8, 9.


47

USathane wayethemba ukuyenga uJesu ngemibuso yalomhlaba, kodwa akaphumelelanga.  "Izinto" uSathane ayethembise ukuzinika uKristu, kwakungezona ezakhe ukuthi angaphisana ngazo! Wayeqhwage umhlaba ngenkohliso nobuqii.
UJesu wayengeke athengise ngobudlelwane baKhe noYise noma ethenjiswe umhlaba ogcwele umcebo nobucwebecwebe.

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele


48

**Ekugcineni ikusasa likaSathane labethelwa eKalvari. Ngokufa kukaKristu esiphambanweni, uSathane kwabe unqotshiwe!**
**Ukufa kukaKristu kwenza indlela yokubuyiswa kwalomhlaba.**


49

**Yonke into esiyiyo nesinayo, kungenxa yesipho sikaKristu saphakade emndenini wabantu.**
**Noma siyamthanda, noma asimthandi, impilo yethu uqobo, nemfuyo yethu eyaKhe.**



50

**Akasiye uMdali wethu-nje kuphela, unguMsindisi wethu futhi!**
**Njengo Adamu noEva, siyizinceku zalokho uNkulunkulu asiphathise kona. Manje-ke ulindeleni kithina na?**



51

**1 KwabaseKorinte 4:2.**
**Futhi-ke kufuneka kubaphathi ukuba umuntu afunyanwe ekholekile.**
**1 KwabaseKorinte 4:2.**



52

**Siyizinceku Ngesipho SikaNkulunkulu Sempilo**
**Okuyisona sipho esikhulu sikaNkulunkulu ukuphila uqobo.**
**Umpostoli Pawulu uthi:**



53

**Izenzo 17:24, 25**
**UNkulunkulu owenza umhlaba nakho konke okukuwo,**




54

**ubapha bonke ukuphila nokuphefumula nakho konke.**
**Izenzo 17:24, 25.**

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



55

Ukuphila kwethu kusuka kuNkulunkulu, futhi uYena okwesekayo.
Ukushaya kwenhliziyo, ukuphefumula, nokusebenza kwemizimba yethu kuyisipho esivela kuNkulunkulu.



56

AmaRoma 12:1
UPawulu wathi:  Ngakho ngiyanincenga, bazalwane, ngobubele bukaNkulunkulu ukuba ninikele imizimba yenu ibe ngumnikelo ophilileyo,



57

ongcwele, othandeka kuNkulunkulu, kube ngukukhonza kwenu kokuqonda.
KwabaseRoma 12:1.
Umnikelo ophilayo usho ukuzinikela ngokuphelele, noma ukuzithoba kuKristu nobuholi baKhe empilweni yethu.




58

Izenzo 10:38
UKristu wahamba enza umusa.  Izenzo 10:38



59

Uyisibonelo sethu;  masilandele ezinyathelweni zaKhe zokusebenza ngokungenabugovu.



60

Siyizinceku Ngesikhathi uNkulunkulu Asinika Sona
Asizona izinceku ngemali kuphela, kodwa siyizinceku nangesikhathi futhi.
Omunye wake wathi:  Isikhathi iyona-nto ukuphila okwakhiwe ngayo.
Umhlabeleli wacela uNkulunkulu,



61

IHubo 90:12.
Sifundise, Nkosi, ukubala izinsuku zethu, sizuze inhliziyo enokuhlakanipha.
IHubo 90:12.

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele




62

Ukuchitha isikhathi ukuchitha impilo - ukudlala ngethalente uNkulunkulu uqobo alinike umuntu ngamunye.
Wonke umuntu unamahora alinganayo ngosuku, imizuzu elinganayo kulawo mahora, futhi uyoziphendulela ngendlela asebenzise ngayo isikhathi.




63

UNkulunkulu ulindele ukuthi sisebenzise sonke isikhathi sethu ngokuhlakanipha.  Futhi ulindele ukuba sibeke isikhathi esithile enxenye - iSabatha, usuku lwesikhombisa lweviki, njengendlela yokutshengisa ukukholwa kwethu kuYena njengoMdali wethu.




64

Noma sonke isikhathi sethu kungesika Nkulunkulu, usicela ukuba iSabatha losuku lwesikhombisa silinikelele ekuthini sibe nobudlelwane naye, siphumule ngezwi laKhe sithole ukuvuseleleka ngezithembiso zaKhe.
Uyasimema ukuba sibekele nganxanye imisebenzi yethu yesonto lonke, ukuthenga nokunye okunjalo, sikhumbule Yena njengoMdali wethu noMsindisi wethu.




65

Siyizinceku Ngamathalente uNkulunkulu Asinike Wona
Ungabuza ukuthi yimaphi amathalente esiyoziphendulela ngawo njengezinceku zikaNkulunkulu na?  Angiboni ukuthi kukhona amathalente enginawo.



66

Namuhla igama elithi “ithalente” lisho isipho sokukwazi ukucula kahle, ukudlala izinsimbi zomculo, ukudweba isithombe, ukuthunga ingubo, ukubhala, noma ukuhlela.

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



67

Yebo, amathalente lawa, kodwa amathalente uNkulunkulu ayenawo engqondweni awagcini ngalawa.
Njengezinceku zikaNkulunkulu, sinokuziphendulela ngayo yonke into asinika yona: impilo, isikhathi, amakhono, nempahla.
UJesu wathi: Ngilandele.
Waphila impilo yokuzidela.



68

Izenzo 10:38
IBhayibheli lithi uJesu umuntu owahamba enza umusa...Izenzo 10:38. Abaningi kithina benelisiwe-nje ngoku hamba-hamba.


69

Amathalente ethu mawangasetshenziselwa ukuthola udumo lwabantu noma ukuthenga umusa kaNkulunkulu.
Siwatshelekiwe ukuze sisize abanye.



70

1 KwabaseKorinte 4:7
UPawulu wathi:...Unantoni ongayamukeliswanga na?



71

Kepha uma uyamukelisiwe, uzibongelani kungathi awuyamukeliswanga na?
1 KwabaseKorinte 4:7.



72

Siyizinceku Ngemali uNkulunkulu Asinike Yona



73

Mathewu 6:33
Uma sifina kuqala umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe sizothola ukuthi izibusiso zika Nkulunkulu zehlela njengemvula kithina.

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



74

**Ngaphezu kokunikela ngesikhathi sethu, sithola emiBhalweni ukuthi ukuzinikela kuNkulunkulu kubandakanya nokubuyisela kuYena inxenye yezibusiso asiphe zona.**



75

**(Video: 11 sec)**
**Ngelinye ilanga umshana ka Abrahama, uLoti, wathunjwa yizitha ekhaya lakhe laseSodoma.**
**Kuthe ekuzwa lokho uAbrahama wazimisela ukuyokhulula uLoti nabanye. Wathandaza kuNkulunkulu ukuba abe naye, amnike ukunqoba.**
**UNkulunkulu waba naye.**
**ULoti nomndeni wakhe basindiswa, kwatholakala nempango yezitha.**


76

**Kuthe uAbrahama esesondela eSodoma, inkosi yamhlangabeza, imnxusa ukuba azigcinele impango ayitholile, abuyise kuphela abathunjwa.**
**Kodwa uAbrahama wenqaba ukuzithathela utho.**
**UMelkisedeki, umpristi kaNkulunkulu, walethela uAbrahama ukudla, wambusisa.**




77

**Genesise 14:20.**
**...UAbrahama wamnika okweshumi kwakho konke.**
**Genesise 14:20.**


78

**U Abrahama wayefuna ukutshengisa ukubonga kwakhe ngosizo lukaNkulunkulu ngokukhululwa kukaLoti, evuma ubunikazi bukaNkulunkulu nezibusiso zaKhe.**


79

**Iminyaka engu 150 ngemuva kwalokho, umzukulu ka Abrahama watshengisa ukubonga kwakhe kuNkulunkulu ngendlela efanayo.**
**Ngesikhathi ebalekela umfowabo owayethukuthele, uJakobe wazizwa eyedwa, esaba.**
**Wayedinga ukuvikelwa nguNkulunkulu, kodwa wayelahlwa ngunembeza ngenxa yobuqili bokuthatha ubuzibulo bomfowabo uEsawu. Wayesaba ukuthi uNkulunkulu umshiyile futhi ngeke amxolele.**

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele


80

Ngokuzisola okukhulu, uJakobe wavuma icala lakhe kuNkulunkulu, walala phansi ekhathele.



81

Genesise 28:12, 22
Waphupha, bheka, nanko umkhwelo umiswe emhlabathini, isihloko sawo sifinyelela ezulwini;



82

nezingelosi zikaNkulunkulu zenyuka, zehla kuwo. Genesise 28:12.
Uthe evuka uJakobe, waqonda ukuthi uNkulunkulu ukhulumile, ethembisa ukumhola nokumvikela.



83

Ethinteke kakhulu, wethembisa ngokubonga wathi:...Nakukho konke oyakungipha khona ngiyakukunika okweshumi.  Indimana 22.


84

Inkosi uDavide naye wayenomqondo onjalo uma ethi:



85

IHubo 116:12.
Ngiyakubuyiselani kuJehova ngazo zonke izenzo zaKhe ezinhle kimina na?
IHubo 116:12.
Wake wazibuza ukuthi uzombonga kanjani uNkulunkulu ngokulunga kwaKhe kuwe - isipho sokuphila, umndeni, impilo, nezibusiso zalokhu kuphila?
Uke ucabange-nje ngokuthi ukuthi "ngiyabonga" akwenele?
IBhayibheli linendlela ephathekayo yokubonga ngesikwenzelwa uNkulunkulu.

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele


86

UJakobe wathi uzobuyisela kuNkulunkulu okweshumi kwakho konke akuphiwe, njengoba uyisemkhulu uAbrahama wayenzile.


87

Umyalo wokuqala obhaliwe maqondana nokweshumi, noma ukubuyisela kuNkulunkulu inxenye yeshumi, itholakala encwadini kaLevitikusi.



88

Levitikusi 27:30
Nokweshumi konke kwezwe, okwembewu yezwe noma okwezithelo zemithi, kungokukaJehova;




89

kungcwele kuJehova.  Levitikusi 27:30.



90

Uma sibuyisela okweshumi kuJehova liyagxila kithina iqiniso lokuthi uJehova unguMdali noMthombo wazo zonke izibusiso.
Kumele kusetshenziswe kanjani okweshumi na?



91

Numeri 18:21
Incwadi kaNumeri ichaza ngokusobala:  Bhekani, ngibanikile abantwana bakwaLevi (abefundisi) konke okweshumi kwaIsrayeli, kube yifa labo, ngomsebenzi abawusebenzayo,



92

inkonzo yetende lokuhlangana.
Numeri 18:21.


93


Kulo lonke iBhayibheli, sithola ukuthi ngaso sonke isikhathi okweshumi kwenza umsebenzi kaNkulunkulu.

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



94

1 KwabaseKorinte 9:13, 14
ETestamenteni eliSha, uPawulu uyachaza: Anazi yini ukuthi abaphethe imisebenzi yethempeli badla okwethempeli,



95

nokuthi abakhonza ealtare bahlanganyela nealtare na?



96

Ngokunjalo iNkosi imisile ukuba abamemezela ivangeli baphile ngevangeli.
1 KwabaseKorinte 9:13, 14.


97

UKristu wakuncoma ukukhishwa kokweshumi ngesikhathi ethethisa ababhali nabaFarisi ngokweswela kwabo umbono kwezenkolo:




98

Mathewu 23:23
Ngokuba nithela okweshumi kwesinkutshane, nokwentshungu, nokodonqa, niyeke okunzima komthetho:



99

ukwahlulela nesihawu nokukholwa! Benimelwe ukwenza lokhu, ningakuyeki nalokho.
Mathewu 23:23.


100

Mhlawumbe uyazibuza ukuthi kodwa kungenzeka kanjani ukuthi ubuyisele inxenye yeshumi yenzuzo yakho kuNkulunkulu.
Abantu abaningi bake bazibuza nabo!
Kodwa ngandlela-thile, basenza isinqumo sokwethemba ukuhola kukaNkulunkulu nokuhlakanipha kwaKhe, babuyisela okweshumi kuYena.

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele


101

Ngemuva kwamasonto ambalwa, bona labantu bezwakale befakaza ngomdlandla ngesimangaliso esenzeke empilweni yabo!
Ngendlela ethile, izinxenye ezingu 9 zenzuzo yabo zihambe indima ende ukwedlula izinxenye eziyishumi!
Nansi imfihlo yokusimama kwezezimali!


102

Abanye bayabuza: Ukukhipha okweshumi akusiyo into yamaJuda kuphela na?
Kulabo, sithi: Izibusiso zezulu ngabe ezamaJuda kuphela na?


103

UJim wayethembekile kokweshumi noma inzuzo yakhe yayincane.
Ekuqaleni kwaba lukhuni, kodwa ekuhambeni kwesikhathi wabusiseka waba ngumuntu ozisebenzayo, wachuma umsebenzi wakhe, wamlethela ukusimama ngasezimalini.


104

Manje unika uNkulunkulu udumo ngempumelelo yakhe kwezezimali, futhi uyathokoza ngokuqhubekisela phambili umsebenzi kaNkulunkulu ngezimali zakhe.



105

Noma thatha uEd, owathatha isinyathelo sokukholwa wavala ibizinisi lakhe ngeSabatha, usuku oluphithizela kunazo zonke. Wathola umvuzo wokuthi likhule ibizinisi lakhe ngalokho ayekwenza ngezinsuku eziyisithupha! UNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe!



106

AmaKristu afana nalawa, azibonele ngamehlo awo izibusiso ezisencwadini kaMalaki.



107

Malaki 3:10
Ngenisani konke okweshumi endlini yengcebo ukuba kube ngukudla endlini yaMi, ningivivinye ngalokhu,

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



108

usho uJehova-Sebawoti, uma ngingayikunivulela amafasitele asezulwini,



109

nginithululele isibusiso kunokwaneleyo.
Malaki 3:10.




110

UJehova uthi okweshumi kwanoma yini kungcwele kuYe.
Usinika ilungelo lokukuletha thina kuYe ukuze avivinye ubunceku bethu, abone ukuthi siyakwamukela yini ubunikazi baKhe.



111

Uma singavumi ukwenza lokho, empeleni siphanga uNkulunkulu, lisho njalo iBhayibheli.



112

Malaki 3:8.
...Besenithi: Sikuphange kanjani na? Ngokweshumi nangeminikelo.
Malaki 3:8.


113

Noma okweshumi kungokuka Nkulunkulu, siyanxuswa ukuba sinikele ngokuphana, nangaphezu kwalokho okuvele kungokuka Nkulunkulu ngokomthetho. Eminikelweni, kuyekelwe kithina ngabanye ukunquma ukuthi ukuphana kwethu kuzokuba ngakanani.



114

Luka 6:38.
Kukhona imiqondiso ethile eBhayibhelini. UJesu wathi: Yiphani, khona niyakuphiwa; bayakunipha esifubeni senu isilinganiso esihle, esigxushiweyo, esigqishiweyo, esichichimayo... Luka 6:38.

19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele


115

Icebo likaNkulunkulu lokwesekela umsebenzi waKhe emhlabeni lilula futhi lihle.
Unxusa abantwana baKhe ukuba banikele ngokuqhutshwa yizinhliziyo, bangesabeli izidingo zabo eziyohlangatshezwa ngaphezu kwalokho abakulindele ekugcineni.



116

Mhlawumbe ungabuza ukuthi uma uNkulunkulu enguMnikazi wezinto zonke, igolide, isiliva, izinkomo, nomhlaba,  nathi, uyidinga ngani imali yami pho?
Uhlelo lokweshumi yicebo likaNkulunkulu lokwesekela umsebenzi waKhe emhlabeni.



117

Akuzange kube yicebo laKhe ukuba ibandla laKhe lesekelwe ngemincintiswano efana noBingo, nokunye ukugembula!
Ukukhipha okweshumi akuyona yini indlela engcono yokwesekela umsebenzi wabefundisi?



118

Umuntu ngamunye unikela ngokwenzuzo yakhe.



119

Uma inzuzo yakho iyinkulungwane yamaRandi,



120

ubuyisela amaRandi ayikhulu kuNkulunkulu.



121

Uma inzuzo yakho iyikhulu lamaRandi,

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele





122

**ubuyisela amaRandi ayishumi. Aniboni ukuthi uhlelo olunobulungiswa lolo na?**


123

**Noma simnikani uNkulunkulu, Yena usipha kakhulu. Njalo-nje sithola okungaphezu kwalokho esikukhiphile.**
**Uma sibuyisela okweshumi kuNkulunkulu, sitshengisa ukubonga kwethu ngalokho asenzele khona, futhi kuncipha ubugovu nomona.**


124


**Sivama ekunakeni abanye abantu. Kuthi uma sabelana nabo ngezibusiso zethu, siyakhula othandweni nasemseni, sibe njengoJesu imihla ngemihla.**


125

**Nakhu okunye okuthathekisayo: umlimi okhuthele wasebenza kanzima wavuna isivuno esihle.**
**Isivuno sasisikhulu kangangoba izinqolobane zakhe azikwazanga ukusithatha sonke.**
**Izinqolobane zasezichichima vele, singakangeni nesivuno esisha.**
**Yayizokwenzenjani lendoda? Yayibhekene nenkinga.**
**Yazama ukucabanga icebo.**
**Yazibuza: Ngiphe izihlupheki? Cha, okwami.**


126

**Wazitshela ukuthi ukuhlakanipha kwakhe nolwazi lwakhe kwezolimo okumlethele lesivuno esingaka esenza ukuthi abe ngumlimi onempumelelo.**
**Wenza isinqumo ngalokho azokwenza:**



127

**Luka 12:18 - 21**
**...Ngizakwenza lokhu: ngizakudiliza izinqolobane zami, ngakhe ezinkulu, ngibuthele khona ukudla kwami konke nempahla yami.**

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele





128

**Besengithi kuwo umphefumulo wami: Mphefumulo, unempahla eningi ebekelelwe iminyaka eminingi; phumula, udle, uphuze, ujabule.**
**Lluka 12:18, 19.**




129

**Kepha uNkulunkulu wathi kuye: Wena siwula ngalobubusuku umphefumulo wakho uzakubizwa kuwe;**




130

**pho-ke, izinto ozilungiseleyo ziyakuba ngezikabani na?**




131

**Kunjalo kozibekelela ingcebo enganothile kuNkulunkulu.**
**Luka 12:20, 21.**



132

**Lomlimi ocebile akazanga ukuthi izibusiso zakhe zivelaphi.**
**Akamamukelanga uMdali wakhe, akawuvumanga nomsebenzi wakhe wobunceku.**
**Wabakhohlwa abampofu, izintandane, abafelokazi nemihambuma.**
**Wazicabanga yena yedwa.**
**Lendoda yayinenkinga enhliziyweni.**




133

**Luka 6:38.**
**UJesu wathi: Ngokuba lapho kukhona ingcebo yakho, nenhliziyo yakho iyakuba khona lapho.**
**Mathewu 6:21.**
**UJesu wayeqinise ngempela mayelana nendlela esibuka ngayo ubucebi, ngoba uma bunganikelwe kuJesu, bungasiholela kude noNkulunkulu, size silahlekelwe ngukuphila okuphakade.**

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele





134

**Mathewu 16:26**
**Wathi: Ngokuba kuyakumsizani umuntu, uma ezuza izwe lonke, onakalelwe ukuphila kwakhe na? Mathewu 16:26**


135

**Inkinga ngabantu bamanje ukuthi ukuphila kwabo sekwabanemixhantela eminingi, nendlela abasebenza ngayo yenza baxakeke baze khohlwe ukuthi izibusiso zabo zivelaphi.**



136

**(Video: 6 sec) Abantu abacabangi ngentengo abayihlawulelwa ukubasindisa esonweni. Umphumela ukuthi abamdumisi uNkulunkulu ngesikhathi, ngamathalente, nangomcebo. Omunye nomunye kithina udinga ukukhunjuzwa nsuku zonke ukuthi -**



137

**Izinto esizithandayo neziseduze nezinhliziyo zethu,**



138

**sizitshelekiwe; akuzona ezethu nakancane.**



139

**UJesu usivumela ukuba sizisebenzise kuphela ukuze akhazimulise izimpilo zethu.**



140

**Ngakhoke, sikhumbuze, sikhumbuze, Nkosi.**

# 19 - Ukuzibekelela Okungeke Kukulahlekele



141

**Yonke into esinayo iyisipho esivela kuNkulunkulu.
Impilo yethu iyisipho esivela kuNkulunkulu.
Imiphefumulo yethu iyisipho esivela kuNkulunkulu.
Ukudla esikudlayo, okokugqoka, izindlu, konke kuyisipho esivela kuNkulunkulu.
Uma sibuyisela kuNkulunkulu, sithi: Ngiyabonga Nkosi, ngalokho ongiphe kona.
Ungathanda yini ukuthi: Nkosi, ngifuna ukukubeka kuqala ezimalini zami nakuzo zonke izinhlangothi zempilo yami?
Uma uvuma, phakamisa isandla uma sithandaza.**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso





1

**Singalitholaphi Namhlanje?**




2

**Kukhona indaba ngensizwa ethile kwelamaGreki, eyayifuna ukuthola iqiniso.
Yaya ekhehleni elalaziwa ngokuhlakanipha kuleyo ndawo.
Yabuza lensizwa: Baba ohlakaniphile, ngicela ungitshele: Ngingalithola kanjani iqiniso na? Ungangiholela kulona?
Ikhehla lasukuma lahambahamba. Yalandela insizwa. Bahamba emigaqweni yedolobha baqonda ogwini lolwandle. Umuntu omdala waqhubeka ukuhamba esengena emanzini. Kuthe lapho sebengene bafika okhalweni emanzini, ikhehla latshela lensizwa ukuba ibeke izandla zayo ekhanda. Kusenjalo, ikhehla lacwilisa insizwa emanzini. Izikhathi ezintathu lensizwa yavuka izama ukuhosha umoya. Izikhathi ezintathu ikhehla layicwilisa futhi. Ngokwesithathu, insizwa yase imemeza ithi: Ebengikufuna-nje yiqiniso kuphela! Ikhehla elihlakaniphile laphendula lathi: Uma ungalangazelela iqiniso njengoba bewulangazelela umoya wokuphefumula, uzolithola.
UNkulunkulu akasigodlelanga iqiniso. UJeremiya umprofethi uthi:**




3

**Jeremiya 29:13.
Niyakungifuna, ningifumane, lapho ningifunisisa ngenhliziyo yenu yonke. Jeremiya 29:13.
Kodwa abanye abantu bafuna ezindaweni okungezona.**



4

**Kuthiwa sonke sizalwa kukhona ukulangazelela uNkulunkulu ngaphakathi kwethu.
Kubonakala ukuthi sizalwa silangazelela okuthile esingenakho.
Kukhona okuthile esingakwazi nokukuchaza, esikufunayo - kodwa yinto esiyidingayo!**


# 20 - Sikhululwe Yiqiniso


5

Bese kuthi ngenxa yesizungu, sizibone sesiqhuba isikhathi ngokufuna udumo, ingcebo, izidakamizwa, uphuzo oludakisayo, nokungcebeleka kokuzijabulisa. Kepha lokhu uma sesikuzuzile, kusanelisa okwesikhashana nje.


6

Kungekudala, uzofikelwa yisikhathi lapho bungafiki ubuthongo, umbuzo womprofethi wasendulo uyonkenteza uthi:



7

Isaya 55:2.
Niyichithelani imali kukho okungesiso isinkwa, nenzuzo yenu kukho okunganelisiyo na? Isaya 55:2.
UJesu wayazi ukuthi "izinto" zanelisa isikhashana kuphela.



8

Luka 12:15.
Wathi: Ukuphila komuntu akumi ngobuningi bempahla yakhe.
Luka 12:15.


9

Abantu namuhla bayayizwa inswelo yokuthile okungekho ngaphakathi kwabo.
Akuyona into entsha lena.


10

Selokhu umuntu wakhetha ukuzihambela eyakhe indlela ensimini yase Edeni, ubelokhu ekuzwa ukoma emphefumulweni okungeneliswa uNkulunkulu kuphela.


11

UNkulunkulu wavumela abantwana bakaIsrayeli ekuhambeni kwabo ehlane ukuba bafikelwe yindlala ukuze bazi ukuthi bayamdinga.
UNkulunkulu wakhuluma kumaIsrayeli ngoMose ethi:

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso




12

**Duteronomi 8:3**
**Wakuthobisa-ke, wakulambisa**




13

**ukuba akwazise ukuthi umuntu akaphili ngesinkwa sodwa;**




14

**kepha ngakho konke okuphuma emlonyeni kaJehova Duteronomi 8:3.**



15

**Ngokusobala uNkulunkulu uyavuma sifikelwe ukulamba ngaphakathi nokungaphumuli, ukuze simfune uNkulunkulu kube uYena osuthisa ukulangazelela kwethu.**




16

**Namuhla sibona umdlandla wezinhlobo ezehlukene zenkolo.**
**Njengoba kukhulunywa kangaka ukuba inkolo ihlangane nemizamo yokudiliza izindonga ezehlukanisa ngokwamahlelo, kukhona ukufunda nomcabango othile mayelana namahlelo ngamahlelo.**



17

**Amabandla amasha ayaqhibuka ngokushesha emhlabeni wonke.**
**Yilelo nalelo lithi linesigijimi esikhethekile seqiniso likaNkulunkulu abalilethe ebantwini emhlabeni.**
**Kodwa uma kubhekwa lokho abakushoyo, kuba sobala ukuthi akubona bonke abaqinisile kwabakushoyo.**




18

**Bonke bathi iBhayibheli liyisisekelo sokukholwa kwabo, kodwa izimfundiso zabo ziyashayisana.**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso


19

Umuntu ofuna iqiniso ngempela angakwazi kanjani ukwehlukanisa phakathi kwazo zonke lezinkolo ukuze azi okuyiqiniso na?
Ngabe uNkulunkulu unaso yini isixuku esithile phakathi kwazo zonke izinkolo, asithatha ngokuthi yilona bandla lakhe namuhla na?
Vele! UPawulu wathi:



20

Efesu 4:4
Munye umzimba, munye uMoya, njengalokho nabizelwa ethembeni linye lokubizwa kwenu;



21

Yinye iNkosi, yinye inkolo, munye umbhabhadiso.



22

...Munye uNkulunkulu, uYise wabo bonke.
KwabaseEfesu 4:4 - 6.



23

1 Thimothewu 3:15
UPawulu wabhalela umhlobo wakhe osemusha, uThimothewu, wathi: Ngibhala khona uyokwazi ukuthi kumelwe ukuba abantu bahambe kanjani endlini kaNkulunkulu,



24

eyibandla likaNkulunkulu ophilayo, insika nesisekelo seqiniso.
1 Thimothewu 3:15.
UPawulu usho ngokusobala ukuthi ibandla likaNkulunkulu namuhla liyinsika nesisekelo seqiniso, kodwa sithola kanjani ukuthi yiliphi ibandla elineqiniso na?


25

Kukhona amahlelo amaningi kangaka namuhla, ukushayisana kwemibono okungaka, ukudideka okungaka kwezenkolo.

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



26

**Zihlobo, ngokwemiBhalo, uJesu akazange ahlose ukuba kube khona isiphithiphithi nezinkonzo eziningi kangaka.**
**Ngaphambi-nje kokubethelwa kwaKhe, uJesu wathandaza wathi:**




27

**Johane 17:21**
**Ukuba bonke babemunye, njengalokhu Wena Baba ukiMi, naMi ngikuWe;**




28

**ukuba nabo babe kithina, ukuze izwe likholwe ukuthi Wena ungithumile.**
**Johane 17:21.**
**UJesu wayefuna izwe likwazi ukubona abalandeli baKhe ngokuthi babemunye futhi bethandana.**
**UKristu wayengafuni kube khona ukwehlukana ebandleni laKhe.**




29

**1 KwabaseKorinte 12:25**
**Empeleni uPawulu wabhala wathi: Ukuze kungabikho ukwahlukana emzimbeni.**
**1 KwabaseKorinte 12:25.**



30

**Kodwa uPawulu wathi kuyovela ukuhlubuka okuyofika nokwehlukana!**




31


**Izenzo 20:28 - 30**
**Sifunda lokhu: Ziqapheleni nina nomhlambi wonke anibeke kuwo uMoya oNgcwele ukuba nibe ngababonisi bokwalusa ibandla likaNkulunkulu...**




32

**Mina ngiyazi ukuthi emva kokumuka kwami kuzakungena kini izimpisi ezihahayo zingawuhawukeli umhlambi.**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



33

Naphakathi kwenu kuzakuvuka amadoda akhuluma okudukisayo,



34

ahunge abafundi ukubalandela.
Izenzo 20:28 - 30.


35

Uma siphenya amakhasi omlando webandla, sithola ukuthi yikho khona lokhu okwenzeka.
Kwavela abafundisi bamanga, abanye abantu bamukela izimfundiso zabo, bashiya ibandla.
Abanye basala bedidekile.  Kancane kancane kwaba khona ukudeda esifundisweni sika Jesu.
Kodwa phezu kwakho konke uNkulunkulu ulokhu enebandla elethembekile kuYe.


36

Kodwa abanye abantu bathi:  Kungathatha impilo yomuntu yonke ukuzama ukuhlola izimfundiso zawo wonke amabandla ngenjongo yokuthola ukuthi yiliphi elikaNkulunkulu leqiniso.
Ikhona indlela elula.
Indlela kaNkulunkulu!


37

Izikhulu zikaHulumeni zisitshela ukuthi kulula ukwehlukanisa phakathi kwemali yangempela neyomgunyathi.
Niyabona, bafundisisa ngokugcwele ngezimpawu zemali yangempela.


38

Bayalwazi uhlobo lwephepha, umbala ka-inki, imifanekiso kanye nokulandelana kwezinombolo zemali yangempela.
(Chaza imali yezwe lakini)
Uma bebuka imali, ngokushesha bayakwazi ukuyiqhathanisa nenye.
Uma isilela ngophawu olulodwa-nje, bayazi ukuthi eyomgunyathi.


# 20 - Sikhululwe Yiqiniso


39

Kunjalo nangeqiniso.


40

Akudingeki ukuba sihlole izimfundiso zamahlelo onke uma sazi izimpawu zebandla leqiniso likaNkulunkulu njengoba sizithola eBhayibhelini.
UNkulunkulu akayekelanga ukuthi siqagele ukuthi yiliphi okuyilona-lona, ngoba usinikile amaqiniso ezwini laKhe:



41

Amosi 3:7.
Ngokuba iNkosi uJehova ayenzi lutho ingayambulanga imfihlakalo yayo ezincekwini zayo abaprofethi.
Amosi 3:7.


42

Incwadi yeSambulo iyiziprofetho zonke zeBhayibheli ngokufingqiwe. Ipha abantu ukulunguza kulokho okuzayo ezinsukwini zokugcina.
Lapha kwembulwe ukuhlubuka nesiphithiphithi kwezenkolo esikhona ezinsukwini zokugcina zalomhlaba.
Isambulo siprofetha ngempikiswano ekhona phakathi kwebandla likaKristu kanye noSathane.
Isahluko 12 sisinika isithombe somlando webandla kusukela esikhathini sikaKristu kuze kube sekupheleni komhlaba:



43

Isambulo 12:1, 2
Kwaba khona ezulwini isibonakaliso esikhulu; owesifazane embethe ilanga,



44

nenyanga iphansi kwezinyawo zakhe, nasekhanda lakhe kukhona umqhele wezinkanyezi eziyishumi nambili.

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



45

Ekhulelwe wakhala, enemihelo esikwa ngubuhlungu bokubeletha.
Isambulo 12:1, 2.


46

Lapha uNkulunkulu ubonisa owesifazane embethe ezimhlophe, futhi embethe nelanga, emi phezu kwenyanga, enomqhele onezinkanyezi eziyishumi nambili ekhanda.
Kusho ukuthini konke lokhu na?
Ngokwesiprofetho seBhayibheli, owesifazane oqotho, umele abantu bakaNkulunkulu - ibandla laKhe.
Umprofethi uJeremiya wabhala wathi:



47

Jeremiya 6:2
ndodakazi yaseSiyoni etotosiweyo nethambileyo
Jeremiya 6:2
Ngubani iSiyoni na? Ekhuluma ngoIsaya, uNkulunkulu wathi:



48

Isaya 51:16.
...Ngithi kulo iSiyoni: Wena uyisizwe saMi.
Isaya 51:16.
Uma sixhumanisa lezindimana zombili, sithola ukuthi uNkulunkulu wasebenzisa owesifazane oqotho njengomfanekiso webandla laKhe.
Umpostoli uPawulu usebenzisa yona lenkulumo ukuchaza ibandla laseKorinte.



49

2 KwabaseKorinte 11:2.
Ngokuba nganendisela endodeni eyodwa ukuba nginiyise kuKristu niyintombi emhlophe.
2 KwabaseKorinte 11:2.



50

Isambulo 17:3
Nokho uJohane wabuye watshengiswa omunywe owesifazane, lowo amchaza kwiSambulo 17:3
Ngabona owesifazane ekhwele isilo esobomvu, sigcwele amagama enhlamba,

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso




51

**Lona wesifazane wayembethe okububende nokubomvu, evunule ngegolide nangamatshe anenani nangamaparele,**




52

**ephethe isitsha segolide ngesandla sakhe sigcwele amanyala nokungcolileyo kobufebe bakhe.**




53

**Nasebusweni bakhe kulotshiwe igama eliyimfihlakalo lokuthi:**



54

**IBABILONI ELIKHULU, UNINA WEZIFEBE NOWAMANYALA OMHLABA.**
**Isambulo 17:3 - 5.**



55

**Lemifanekiso esetshenziswa lapha ikhomba owesifazane ongenasimilo - ibandla lamanga. Ibandla eliwile alethembekanga kuKristu, lixube iqiniso leBhayibheli namanga namasiko.**
**UJakobe wasebenzisa inkulumo efanayo ukuchaza labo abashiya imfundiso kaNkulunkulu bazihlanganise nezwe:**



56

**Jakobe 4:4.**
**Ziphingi, anazi yini ukuthi ukuthanda izwe kungubutha kuNkulunkulu na?**
**Jakobe 4:4.**



57

**Owesifazane owile umele ibandla lamanga, kanti owesifazane oqotho, umele ibandla elimsulwa.**
**Ake siphinde sibheke isiprofetho sowesifazane oqotho.**
**Owesifazane oqotho = Ibandla elimsulwa**
**Owesifazane ongcolile = Ibandla lamanga**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso




58

**Isambulo 12:2, 4**
**Ekhulelwe wakhala, enemihelo esikwa ngubuhlungu bokubeletha**





59

**Nodrako wema phambi kowesifazane obezakubeletha,**




60

**ukuze kuthi nxa esebelethile, ashwabadele umntwana wakhe.**
**Isambulo 12, 2, 4.**
**Ngubani lodrako owayemi phambi kowesifazane efuna ukushwabadela umntwana owayezokuzalwa na?**




61

**Isambulo 12:7 - 9**
**Kwase kuba khona ukulwa ezulwini;  uMikayeli nezingelosi zaKhe balwa nodrako;  nodrako walwa enezingelosi zakhe**




62

**Kepha kabaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunyanwa ezulwini.**




63

**Wayesephonswa phansi udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke;**




64

**waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye.**
**Isambulo 12:7 - 9.**




65

**Isambulo 12:5**
**Isambulo sichaza nomntwana:  Wabeletha umntwana wesilisa ozakubusa izizwe zonke ngentonga yensimbi.**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



66

**Nomntanakhe wahlwithelwa kuNkulunkulu nasesihlalweni saKhe sobukhosi.**
**Isambulo 12:5.**



67

**Munye kuphela umntwana emlandweni womhlaba owayezo "busa zonke izizwe ngentonga yensimbi" futhi "ahlwithelwe kuNkulunkulu nasesihlalweni saKhe sobukhosi," lowo kwakunguJesu.**
**Sisakhuluma ngokubuya kukaKristu,**



68

**Isambulo 19:15**
**UJohane wathi: Emlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali, ukuze ashaye izizwe ngayo.**



69

**Yena uyakubusa ngentonga yensimbi...**
**Isambulo 19:15.**
**UPawulu uyasitshela ukuthi uJesu wahlwithelwa kanjani esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu.**



70

**KwabaseEfesu 1:20.**
**Emvusa kwabafileyo, wamhlalisa ngakwesokunene sakhe ezulwini.**
**KwabaseEfesu 1:20.**


71

**Impi eyaqala ezulwini yadlulela kulomhlaba. Esebenza ngeRoma eyayingakakholwa, uSathane wazama ukubulala uJesu masinyane ngemuva kokuzalwa kwaKhe.**
**UHerodi, umbusi waseRoma, wayala ukuba bonke abantwana babafana abaminyaka emibili kwehle, mababulawe, kodwa ingelosi yaxwayisa uMariya noJosefa ukuba babaleke noJesu baye eGibhithe.**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso


72

USathane wayelinga uJesu sonke isikhathi uJesu enza umsebenzi waKhe, enethemba lokuthi uzokhinyabeza icebo likaNkulunkulu lokusindisa lomhlaba owile.
Umzimba kaJesu walenga esiphambanweni, uSathane wacabanga ukuthi useyinqobile impi.
Kodwa ithuna elingenamuntu phakathi likhomba ukunqotshwa kukaSathane okuphelele.


73

UKristu wavuka, wenyukela esihlalweni sobukhosi sikaYise.  Isiprofetho sashaya khona njengoba kwakushiwo!
Esehlulekile emizamweni yakhe yokubulala uJesu, uSathane wathukuthelela owesifazane,  ibandla lobuKristu, phela.


74


Bonke abafundi bakaKrisu bafela inkolo yabo, ngaphandle koyedwa.
Uma ufuna ukuzwisa umzali ubuhlungu, iyiphi indlela engakwenza kakhulu lokho na?
Ukulimaza abantwana bakhe.
USathane wayengasakwazi ukuthinta uJesu.
UJesu wayesesezulwini.
Ngakhoke wahlasela abalandeli bakaJesu kabuhlungu.


75

Umpostoli uPawulu naye wanqunywa ikhanda ngaphandle kwezindonga zomuzi waseRoma.
AmaKristu ahlukunyezwa, aphonswa emajele, amaningi anisela imbewu yevangeli ngegazi lawo.



76

Besaphila abafundi, ibandla lamela iqiniso ngokwethembeka.
Ngemuva kokufa kwabafundi, ngokuhamba kweminyaka, amanye amaKristu axuba inkolo, izimfundiso zamanga zangena ebandleni.



77

Ekuyeleni ngase kupheleni kwekhulu lokuqala leminyaka ezelwe uJesu, amabandla amaningi athatha isimo esisha;




78

kwathi ngokufa kwabafundi, kwaphela nobumsulwa bezimfundiso.
- Ecclesiastical Research, ikhasi 51.



79

Ngesikhathi sekhulu lesine leminyaka (4th century), inkosi uConstantine wazama ukugcina umbuso waseRoma uhlangene ngokuthi ahlanganise abahedeni namaKristu, kube yinkolo eyodwa.
Umphumela kwaba ukuthi ubuKristu kwaba nedumela elikhulu. Abahedeni babhabhadiswa ebandleni, beza nezinkolelo zabo eziningi baqhubeka nazo.
Ngokwamukela lezimfundiso, ibandla, lalahlekelwa umbono womgomo walo.



80

Esinye isazi somlando sathi: AmaKristu amasha kwakuseyilabaya bahedeni bakudala ngokwezenzo nokucabanga kwawo..Ukungena kwalabantu emabandleni akucimanga ubuhedeni.



81

Kunalokho, izinqwaba zabahedeni ababhabhadisiwe zenza ukuba ubuhedeni balulaze ubuqotho bobuKristu, baze baphelelwa amandla abo.
- Centuries of Christianity: A Concise History, ikhasi 58.


82

Nokho, ngalesikhathi amaKristu amaningi ayesehlezi ethembekile eqinisweni likaNkulunkulu, ahlupheka ngezinguquko ezasezingene ebandleni.
Awavumanga ukuxuba, kanjalo abaningi bahlukunyezwa ngenxa yalokho.
Kungekudala, amakhosi aseRoma akhipha imithetho ethi kuyicala elihamba nesigwebo sokufa ukwenqaba imikhuba emisha yebandla elibambisene nombuso.



83

lsambulo 12:13.
Ebeniswa konke lokhu, uJohane wabhala wathi:...Udrako wazingela owesifazane owayezale umntwana wesilisa.
lsambulo 12:13.
Kwenzekani-ke kowesifazane?

20 - Sikhululwe Yiqiniso

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



84

**Isambulo 12:6**
**...Owesifazane wase ebalekela ehlane, lapho enendawo ayilungiselwe nguNkulunkulu,**



85

**ukuba bamondle izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha.**
**Isambulo 12:6.**
**Qaphela ukuthi uNkulunkulu wasembula isikhathi sokuhlushwa kwabantu baKhe: iminyaka engu 1 260.**
**Sesibonile ukuthi ngokwesiprofetho usuku lumele unyaka.**




86

**Hezekeli 4:6.**
**...Yilolo nalolosuku lube ngumnyaka.**
**Hezekeli 4:6.**




87

**Kanjaloke ukucindezelwa kwabantwana bakaNkulunkulu abathembekile, kwakuzoqhubeka iminyaka engu 1 260 njengokuprofetha kweSambulo.**



88

**Umlando uyafakaza ngalesiprofetho.**
**Inkosi yaseRoma, uJustinian, wayala umkhuzi wamabutho uBelisarius ukuba abhubhise imibuso yama Arian emibili eyayisasele iphikisana neRoma.**



89

**Eyokugcina kulamakhosi yachithwa ngo A.D. 538, kanjalo uJustinian wabeka uBishobhi waseRoma ukuba abe inhloko yebandla nomjezisi wamambuka.**
**Kwaba ukuqala kombuso wokungabekezeleli labo okuthiwa amambuka.**


90

**AmaKristu athembekile, akade egcine iqiniso njengoba linjalo ezwini likaNkulunkulu, athola ukuthi okuyiyona ndlela yokulondoloza ukukholwa kwawo ukuba abaleke ashiye amakhaya, njengoba iSambulo sasishilo.**
**Owesifazane wabalekela ehlane.**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso


91

AmaWaldenses, Albigenses kanye namanye amaKristu athembekile abalekela ezintabeni zeAlps, enyakatho nelamaNtaliyane kanye naseningizimu neFrans, amaHuguenots achitheka lonke elaseFrans. Bahlala emathafeni asendle, emigedeni nasezintabeni eziphakeme.
Babezingelwa sengathi bayizigebengu, kanti abaningi kubona babulawa.
Icala labo? Abavumanga ukulahla izimfundiso zikaJesu.


92

Izigidi zamaKristu zakhetha ukufa kunokuba zixube inkolo yazo.
Abanye ababhali bomlando balinganisa ukuthi amaKristu abulawa angaba yizigidi ezingu 50.
Abaningi kulabo abafa, babebulawa ngabanye ababezibiza ngokuthi bangamaKristu ayecabanga ukuthi enza intando kaNkulunkulu!


93

Iqiniso likaNkulunkulu lagcina linqobile.
IBhayibheli laguqulelwa olimini lwabantu, kwathi ngokwenziwa komshini wokugaya izincwadi, lasakazwa kuwo wonke umhlaba.
Iqiniso likaNkulunkulu lalingeke lisafihleka manje.
Lalizokuba sobala!


94

Abavuseleli abanesibindi balishumayela izwi linkaNkulunkulu ngamandla. Abanye abafana no Huss noJerome, bashiswa bezwa.


95

Abanye, njengoLuther, uWycliffe, noTyndale, bazingelwa bahlukunyezwa.


96

Nokho-ke, kuthe ngokutholakala kwezwe laseMelika, kwatholakala nenkululeko entsha nendawo yokuphephela kwamakholwa akade ehlushwa kwelaseYurophu.

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso


97

**Kulelozwe elalisandu kuzalwa, kwabekwa isisekelo senkululeko kwezombuso nakwezenkolo.**



98

**Iminyaka yokuxuba inkolo kanye neyokuhlukumeza eyayishiwo yiSambulo 12, yaze yafika esiphelweni ngo 1798.**
**Yaphela mhla uNapholiyoni ethumela umkhuzi wempi yakhe uBerthier ukuba athumbe uPhapha - lokhu kwenzeka eminyakeni engu 1260 kwaqala ukuhlushwa kwamaKristu ngo 538.**


99

**Kwathi uma lesikhathi sesiprofetho sifika esiphelweni, uNkulunkulu wayenaso isixuku samakholwa athembekile, abambelela eBhayibhelini nezimfundiso zalo.**
**Isiprofetho sathi uSathane uzothukuthelela ibandla likaNkulunkulu elisele ngemuva kwalesikhathi:**



100

**Isambulo 12:17**
**Udrako wamthukuthelela owesifazane, wamuka, wayokulwa nabaseleyo benzalo yakhe,**




101

**labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu.**
**Isambulo 12:17**


102

**Insali, yinxenye yokugcina yendwangu esalayo endwangwini enkulu.**
**Kanjalo, "insali" yebandla likaNkulunkulu yinxenye yokugcina yebandla - ibandla eliphila ekupheleni kwesikhathi ngaphambi kokufika kukaJesu kulomhlaba futhi.**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso




103

Uma siyihumusha ngenye indlela lendimana, ingafundeka kanje:
USathane wathukuthela...walwa nebandla eliphila ezinsukwini zokugcina.
USathane uthukuthele ngoba abantwana bakaNkulunkulu basalandela iqiniso likaNkulunkulu kulezinsuku zokugcina.




104

UJohane uchaza izimpawu ezimbili elingabonwa ngazo lelibandla lesezinsukwini zokugcina:
Udrako wamthukuthelela owesifazane, wamuka, wayokulwa nabaseleyo benzalo yakhe,



105

labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu.



106

Ukuba nobufakazi bukaJesu.


107

Kanti akuwona wonke yini amabandla afundisa ukuthi amaKristu mawathobele imiyalo kaNkulunkulu na? Akunjalo! Izinkonzo eziningi namuhla zifundisa amalungu azo ngezindlela ezehlukene, ukuba angalaleli okushiwo uNkulunkulu.
Isibonelo: amanye amabandla afundisa ukuthi makukhothamelwe izithombe.
Amanye akushaya indiva ubungcwele begama likaNkulunkulu.



108

Futhi amabandla amaningi alahlekelwa yisikhumbuzo sendalo ngokuchazwe umyalo wesine.
Khumbula usuku lweSabatha ulungcwelise.

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



109

**Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho;**

---



110

**Kepha usuku lwesikhombisa luyiSabatha likaJehova uNkulunkulu wakho...**
**Eksodusi 20:8 - 10.**


---



111

**(Isambulo 12:17)**
**Insali kaNkulunkulu, noma ibandla lasezinsukwini zokugcina, lalingezukugcina imiyalo kaNkulunkulu kuphela,**
**kodwa isiprofetho siphinde sithi liyokuba nobufakazi buka Jesu (Isambulo 12:17)**

---



112

**Isambulo 19:10 sithi: Ubufakazi bukaJesu bungumoya wokuprofetha.**

---


113

**Ibandla likaNkulunkulu ezinsukwini zokugcina liyokuba nezipho zikaMoya, okubandakanya nomoya wokuprofetha.**
**Sizofunda kabanzi ngalesisipho esikhethekile ngesinye isikhathi.**
**UNkulunkulu usinika nezinye izimpawu ukusisiza ukubona ibandla laKhe lasekupheleni kwesikhathi.**
**Abantu baKhe bazobe bexakekile ngomsebenzi wokwazisa umhlaba ngevangeli, ngoba uJesu walithuma ibandla laKhe wathi:**

---



114

**Mathewu 28:19, 20**
**Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi,**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



115

nibabhabhadise egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele,



116

nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho;  mina nginani



117

izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.
Ameni.
Mathewu 28:19, 20.



118

Umyalo wokushumayela ivangeli emhlabeni wonke ufanekiswe kuSambulo 14, ngezingelosi ezintathu ezindiza emkhathini.
Isigaba sokuqala salesigijimi esinxa-ntathu, sigcizelela amaqiniso amabili amakhulu okufanele kwabelwane ngawo nabo bonke abantu:



119

Isambulo 14:6, 7
Ngase ngibona enye ingelosi indiza emkhathini,



120

inevangeli eliphakade ilishumayele kwabahlezi emhlabeni -



121

nakuzo zonke izizwe, nemindeni, nezilimi -



122

**isho ngezwi elikhulu, ithi: Mesabeni uNkulunkulu nimnike inkazimulo, ngokuba ihora lokwahlulela kwaKhe selifikile;**



123

**nikhuleke kuye owenza izulu nomhlaba nolwandle nemithombo yamanzi.**
**Isambulo 14:6, 7.**



124

**Lesi yisexwayiso kulabo abaphila emahoreni okugcina omhlaba ukuba bakhumbule ukuthi usuku lokwahlulela lufikile.**
**Futhi yisikhumbuzo samandla kaNkulunkulu okudala - iSabatha losuku lwesikhombisa.**
**Isigaba sesibili salesiprofetho esinxa-ntathu sitholakala endimaneni 8:**



125

**Isambulo 14:8**
**Yayisilandela enye ingelosi, ithi: Liwile, liwile iBabiloni elikhulu**



126

**eliphuzise izizwe zonke iwayini lolaka lobufebe balo.**
**Isambulo 14:8**
**Lesigijimi sibiza abantu bakaNkulunkulu ukuba bazehlukanise nesiphithiphithi esikhona kwezenkolo.**
**Izingqondo zabo mazidonselwe kulokuhlubuka okukhona kwezenkolo namuhla.**
**Isixwayiso sokugcina nesishubile, sitholakala esigabeni sesithathu salesiprofetho:**



127

**Isambulo 14:9, 10**
**Yalandela enye ingelosi yesithathu, ithi ngezwi elikhulu:**



128

**Uma kukhona okhuleka kuso isilo nomfanekiso waso, elwamukela futhi uphawu ebunzini lakhe noma esandleni sakhe,**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



129

**naye uyakuliphuza iwayini lolaka lukaNkulunkulu ...**
**Isambulo 14:9, 10.**



130

**Umhlaba kudingeka uxwayisiwe ngokukhonza isilo nomfanekiso waso, noma ukwamukela uphawu lwaso.**



131

**Johane 10:16**
**UJesu wathi: Nezinye izimvu nginazo ezingesizo ezalesisibaya, nalezo ngemelwe ukuziletha,**



132

**ziyakuzwa izwi lami, kube mhlambi munye, nomalusi munye.**
**Johane 10:16.**


133

**UNkulunkulu unabalandeli abathembekile nakwamanye amabandla, kodwa kuzofika isikhathi lapho kuyokuba khona umhlambi owodwa weqiniso noma ibandla leqiniso.**
**UJesu wathi izimvu zaKhe ziyobizwa ziphume kulemihlambi eminye engalandelanga izimfundiso zezwi likaNkulunkulu ngokucophelela.**



134

**Isambulo 18:4**
**UJohane umambuli wasiprofetha kanje leso sikhathi:**
**Ngase ngizwa elinye izwi livela ezulwini lithi:phumani kulo, bantu baMi,**



135

ukuze ningahlanganyeli nazo izono zalo, nokuba ningamukeli okwezinhlupho zalo.
Isambulo 18:4.
Abalandeli bakaNkulunkulu abathembekile bazobizwa baphume esiphithiphithini esikhona kwezenkolo kulezinsuku zokugcina.
Kuzodingeka niqaphele indlela iBhayibheli elibachaza ngayo abantu abazobizwa baphume kulesiphithiphithi sakwezenkolo esizokuba khona masinyane ngaphambi kokubuya kukaJesu.



136

Isambulo 14:12, 14
Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu...




137

Ngase ngibona;  bheka, nanto ifu elimhlophe, naphezu kwefu kuhlezi ofana neNdodana yoMuntu,




138

enomqhele wegolide ekhanda laKhe nasesandleni saKhe enesikela elibukhali.
Isambulo 14:12, 14.




139

Ake sizibukeze ngokushesha lezimpawu ezichaza ibandla likaNkulunkulu lase zinsukwini zokugcina, njengoba zinikezwa yiBhayibheli:



140


Ibandla likaNkulunkulu lensali lalizovela emva kokuhlushwa okukhulu okwakhawuka ngo 1798



141


Bayokuba nokukholwa nguJesu, okuyobaholela ekuthini bagcine yonke imiyalo kaNkulunkulu.

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



142

**Bayomemezela izixwayiso ezikhethekile zeSambulo kuwo wonke umhlaba ukuze abantu bazilungisele ukubuya kukaJesu.**



143

**Bayokuba nezipho zikaMoya, ezihlanganisa nesipho sokuprofetha.**


144

**Kungabonakala sengathi onke amabandla ayafana,**


145

**kodwa uma ufunda indlela uNkulunkulu achaza ngayo labo abahamba ngokwezwi laKhe elingcwele, kulula ukubona lawo angenazo izimpawu zeBhayibheli.**
**Mhlawumbe uke wafunisisa, uzama ukuthola phakathi kwesiphithiphithi esikhona kwezenkolo, ufuna ibandla likaNkulunkulu lensali.**
**Ngikholwa ukuthi linye kuphela ibandla leqiniso.**
**Yibandla elikholwa yiBhayibheli, eligxile kuKristu, eligcina iSabatha, elisemhlabeni wonke lilindele ukubuya kukaKristu.**
**Kungakho-nje ngingumSeventh-day Adventist.**
**Ngikholwa ukuthi lelibandla linazo zonke lezimpawu.**


146

**Futhi, njengoba sesifunde lesiprofetho esimangalisayo, ningabona kalula ukuthi uNkulunkulu unesigijimi esikhethekile, nabantu abakhethekile abazohambisa leso sigijimi emhlabeni wonke.**
**Kodwa akwanele ukwazi lamaqiniso eBhayibheli.**


147

**Ukuze ube nokuthula nenjabulo evela ngokuhamba noJesu Kristu, kuyadingeka futhi ukuba usukume ulandele iqiniso njengoba lambuliwe ezwini likaNkulunkulu. UJesu wathi:**

# 20 - Sikhululwe Yiqiniso



148

**Johane 13:17.**
**Uma nazi lokho, nibusisiwe uma nikwenza.**
**Johane 13:17.**


149

**UNkulunkulu ukumema ukuba wenze isinqumo esibalulekile empilweni yakho.**
**Uyakholwa yini ukuthi ulizwile izwi likaNkulunkulu lishunyayelwa kulezimvuselelo?**
**Uyakholwa ukuthi ulizwile iqiniso likaNkulunkulu lishunyayelwa?**
**Uyakholwa ukuthi uMoya oyiNgcwele uthinte inhliziyo yakho kulezimvuselelo?**
**Uma sizwa izwi likaNkulunkulu, uma silalela iqiniso laKhe, uMoya oyiNgcwele uyasithinta ukuba senze izinqumo.**
**Manje yisikhathi sesinqumo.**
**Ungathanda yini ukuthi: Yebo, Nkosi, Ngiyalamukela izwi laKho. Yebo, Jesu, ngifuna ukulandela iqiniso laKho. Yebo, Jesu, ngiyakwamukela ukuthintwa uMoya oyiNgcwele. Ngizokulandela yonke indlela manje. Ngikhetha ukuhamba endleleni yeqiniso.**
**Uma kuyisinqumo sakho leso, ungasukuma khona manje sithandaze?**

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi



1

**UNkulunkulu Usakhuluma Ngabaprofethi Bakhe**


2

**Ezindaweni ezehlukene zomhlaba, ososayensi abasebenzisa izipopolo ezinamandla balalela ukuzwa imisindo evela emkhathini.**


3

**Bethemba ukuthi ngelinye ilanga bayokuzwa isigijimi esivela kubantu bakomunye umhlaba.**


4

**Kunobufakazi bokuthi sekuyizinkulungwane zeminyaka manje kusakazwa isigijimi siza emhlabeni, kodwa bambalwa abantu abasilalele.**
**Yisigijimi esivela kuMdali walomhlaba - isigijimi sothando esivela kuNkulunkulu ozama ukubuyisela kuYena abantwana baKhe abahlubukile.**



5

**Lokhu kwehlukana okukhona phakathi kukaNkulunkulu nabantu kwakungekho ekuqaleni.**
**Yonke into yaqala kahle emhlabeni - umhlaba ongenasici wabantu ababili abangenasici, bedalwe ngokomfanekiso kaNkulunkulu!**



6

**(Video: 7 sec) Lapho ekhaya labo lasensimini, uNkulunkulu wayefika ahambe nabo, akhulume nabo ubuso nobuso.**
**Ake ucabange-nje behamba-hamba naYe kusihlwa, lipholile!**


7

**Iyona-ndlela eyayihlelwe uNkulunkulu lena - ubudlelwane obuhle bokuba ndawonye!**
**Kwakungekho lutho lokubehlukanisa.**
**Kumele ukuba kwakumnandi lokho kuvakashelana.**

21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngapheshaya Kwezinkanyezi


8


Kodwa kuyadabukisa ukuthi lobo budlelwane bothando nokuba ndawonye, kwenela izahluko ezimbili kuphela eBhayibhelini.


9

KuGenesise, isahluko 3, kunendaba edabukisayo. UAdamu noEva bawela esonweni.


10

Bahlubuka embusweni kaNkulunkulu wothando oluphelele. Isono siyehlukanisa. Isono noNkulunkulu akuhlangani. UAdamu noEva abasakwazanga ukuxhumana ngqo noNkulunkulu.


11

Balalela inyoka uLusifa, bathobela yena esikhundleni sikaNkulunkulu. Yisono leso.



12

Genesise 3:8
IBhayibheli lithi: Base bezwa izwi likaJehova uNkulunkulu ehamba ensimini kusihlwa ngokuphola kwelanga:



13

U Adamu nomkakhe bacasha ebusweni bukaJehova uNkulunkulu



14

phakathi kwemithi yensimu.
Genesise 3:8.
U Adamu noEva babecashile!
Babengafuni ukubhekana noNkulunkulu.
Into ababeyifuna, ukucasha.
Senza leyonto-ke isono.

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi





15

Sehlukanisa, sichithe ubudlelwane bothando phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, naphakathi komuntu nomuntu.



16

Isaya 59:2
Umprofethi uIsaya uthi: Kepha ububi benu bunahlukanisile noNkulunkulu



17

nezono zenu zibusithile ubuso baKhe kini...
Isaya 59:2.
Yebo, isono sisehlukanisa noNkulunkulu, kodwa asisehlukanisi nothando lwaKhe.
UNkulunkulu wathola indlela yokuhlala ethintene nezoni.
Uthando luyayithola njalo indlela yokuthintana!


18

Waveza enye indlela yokuxhumana nabantwana baKhe emhlabeni - indlela yokuhola, ukufundisa nokwembula amacebo aKhe.
Wakhetha amadoda namakhosikazi angawethemba ukuba akhulume ngawo ngothando namacebo aKhe ebantwini.


19

Phakathi kwalabo abakhetha, kwakukhona uMose, uMiriyamu, uSamuweli, uElija, uHulda, uDebora, uIsaya, uJeremiya, nabanye abaningi.


20

Abaprofethi nabaprofethikazi kwakungabantu ababekhulumela uNkulunkulu!



21

Lena kwakuyindlela kaNkulunkulu yokuthi: Ngiyakuthanda, ngikunakile, futhi nginecebo lokukusiza.

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi


22

IBhayibheli liqukethe izingxoxo eziningi phakathi kukaJehova nabantu abehlukene beBhayibheli, kodwa kwakungasafani nokuxoxa nokuhlanganyela ayenakho noAdamu noEva ensimini yase Edeni.


23

Ngezinye izikhathi uNkulunkulu wayekhuluma ngoMoya oNgcwele, ngesinye isikhathi ngezingelosi, kanti ngesinye ngabantu abakhetha ukuba babe yizithunywa zaKhe.
Ngokwazi kwethu, eminyakeni yokuqala engu 2 500 yomlando wabantu, yayingekho imibhalo evela kuNkulunkulu.
Labo ababefundiswe uNkulunkulu babedlulisela kwabanye lezo zigijimi ngomlomo.
Kodwa indlela uNkulunkulu ayeyisebenzisa izikhathi eziningi ukuxhumana nabantu



24

Amose 3:7
ukusebenza ngabaprofethi nabaprofethikazi;  amadoda nabesifazane ababekhuluma okukaNkulunkulu ngokuqhutshwa uMoya oNgcwele.
Akufanele kusimangalise lokhu, ngoba iBhayibheli lisho ngokusobala ukuthi:  Ngokuba iNkosi uJehova ayenzi lutho ingayambulanga imfihlakalo yayo ezincekwini zayo abaprofethi.  Amose 3:7.


25

Ake sibheke ukuthi labaprofethi bazithola kanjani izigijimi zabo:



26

2 Petru 1:21
Ngokuba akuzange kuvezwe isiprofetho ngentando yomuntu,



27

kepha abantu beqhutshwa nguMoya oNgcwele bakhuluma okukaNkulunkulu.
2 Petru 1:21.
UNkulunkulu wayenabo abaprofethi nangaphambi kukazamcolo ezikhathini zikaNowa.



28

**Juda 14**
**UEnoke wamemezela ukubuya kukaKristu: UEnoke ongowesikhombisa kusukela kuAdamu waprofetha ngabo, wathi:**



29

**Bheka, iNkosi iyakufika nabangcwele baYo abayizigidigidi.**
**Juda 14.**
**UEnoke umuntu wokuqala esizwa ngaye eBhayibhelini owayenesipho sokuprofetha.**
**Kodwa babekhona nabanye!**



30

**IBhayibheli lithi: UNkulunkulu wakhuluma ngomlomo wabaprofethi baKhe abangcwele, kusukela kwaphakade.**
**Izenzo 3:21.**
**UNowa, omunye umprofethi, wakhuluma ngokubhujiswa komhlaba iminyaka engu 120 kungakenzeki.**


31

**Ngemuva kukazamcolo, sithola abaprofethi nabaprofethikazi abaningi - phakathi kwabo uMiriyamu, uDebora, uJeremiya, uIsaya, uHezekeli, nabanye.**
**Babengabafundisi bokulunga. Babengabeluleki endleleni yenkolo nobuqotho, bekhulumela uNkulunkulu.**


32

**Ngesinye isikhathi uNkulunkulu wayembula intando yaKhe kubaprofethi nabaprofethikazi ngemibono, ngesinye isikhathi ngamaphupho, ngesinye, ngeZwi likaNkulunkulu.**
**Kodwa ngaso sonke isikhathi, ngoMoya oNgcwele.**



33

**Numeri 12:6**
**UJehova wathi: Uma kukhona umprofethi phakathi kwenu, mina Jehova ngiyakuzibonakalisa kuye ngombono,**

21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi



34

**ngikhulume kuye ngephupho.**
**Numeri 12:6**
**Ngesinye isikhathi izithunywa zikaNkulunkulu zaziyalwa ukukhulumela uNkulunkulu; ngesinye isikhathi kwakufuneka zibhale phansi izigijimi ezivela kuYe.**
**Empeleni, iBhayibheli umphumela womsebenzi wabaprofethi.**
**Umbhali ngamunye wayeyinxenye yecebo likaNkulunkulu.**



35

**Bonke babemkhulumela noma bembhalela beqhutshwa uMoya waKhe.**
**UNkulunkulu wathumela incwadi yothando emhlabeni esebenzisa bona.**



36

**Yindlela yaKhe yokuthi: Ngiyakuthanda, futhi ngifuna ukuhlala ngixhumene nawe.**
**Kakhulukazi, ufuna sazi ukuthi ulangazelela isikhathi lapho siyohlanganyela naYe ubuso nobuso!**


37

**Bonke ababhali beTestamente eliSha - uMathewu, Marko, Luka, Johane, Jakobe, Petru, noJuda - babeyinxenye yalolohlelo.**
**Bonke babenesipho sokuprofetha.**
**Yebo, babekhona abanye ngalezozinsuku ababekhulumela uNkulunkulu: uSimoni, Agabus, Barnabas, noAnna,**



38


**Izenzo 21:9**
**amadodakazi kaFiliphu...izintombi eziprofethayo.**
**Bonke babesetshenziswa uNkulunkulu ukwembula intando yaKhe nokukhuthaza ibandla likaKristu elalisacathula.**


39

**Kwase kufika uJesu, ukuzotshengisa ngamazwi nangezenzo ukuthi uNkulunkulu unjani.**
**Akuzange kube khona okhuluma ngothando nokunaka kukaNkulunkulu ngendlela ecace njengoJesu.**


40

Sekwadlula iminyaka eyinkulungwane namakhulu ayisishiyagalolunye kusukela eKalvari, kodwa amadoda nabesifazane, abafana namantombazane asaguqa esiphambanweni bafunge ukwethembeka nokuzinikela kuMsindisi wezwe.
Ngemuva kokwenyukela ezulwini, uJesu ngokusho kweBhayibheli, wapha abantu izipho - izipho zokuqinisa nokukhuthaza abalandeli baKhe:



41

Kwabase Efesu 4:8.
Ngalokho uthi:  Esenyukele phezulu wathumba abathunjiweyo, wapha abantu izipho.
Kwabase Efesu 4:8.
Zaziyini lezizipho na?



42

KwabaseEfesu 4:11-15
IBhayibheli lithi:  NguYena futhi owanika abanye ukuba babe ngabaphostoli, abanye abaprofethi, abanye abavangeli, abanye abelusi nabafundisi.
KwabaseEfesu 4:11.




43

Kungani uJesu akhetha ukunika izipho ebandleni na?
Indimana 12 ithi:  Ukuze abangcwele bapheleliselwe umsebenzi wokukhonza, kwakhiwe umzimba kaKristu.




44

Zazizohlala kuze kube nini izipho ebandleni na?  Size sifinyelele sonke ebunyeni bokukholwa nasekwazini iNdodana kaNkulunkulu, ebudodeni obupheleleyo,



45


ebudodeni obupheleleyo, esilinganisweni sobukhulu sokugcwala kukaKristu.
Indimana 13.
IBhayibheli lithi lezi zipho zazizokwakha ibandla, ziqinise abazalwane.



46

Ukuze singabe sisaba yizingane, sishukunyiswa okwamaza, sipheshulwa yimimoya yonke yezifundiso

21 - Izigijimi Ezivela Ngapheshesheya Kwezinkanyezi



47

zenkohliso yabantu, ngobuqili obunamacebo okudukisa;
Indimana 14.
Qaphela ukuthi sikuphi nendawo isipho sokuprofetha kuloluhla lwezipho zikaMoya:



48

1 KwabaseKorinte 12:28.
UNkulunkulu umisele abathile ebandleni, kuqala abaphostoli, okwesibili abaprofethi...
1 KwabaseKorinte 12:28.



49

Isipho sokuprofetha silandela esokuba umphostoli, kodwa kwakuzokuba yisipho esibalulekile kakhulu nesidingekayo ukusiza ibandla lisebenze kahle.


50

UPawulu wafanisa izipho zikaMoya nezitho ezehlukene zomzimba womuntu.
Wabonisa ukuthi amehlo, ikhanda, umlomo kanye nezinye izitho zomzimba ziyadingeka ukuze umzimba usebenze ngokuzwana nangendlela efanele.
Kanjalo nebandla.
Ngaphandle kombono, ibandla aliboni!



51

Izaga 29:18
Lapho kungekho-mbono khona, abantu bayadlubulunda, kepha ogcina umthetho ubusisiwe.


52

Ungabuza ukuthi sayaphi isipho sokuprofetha ngemuva kokwenyuka kukaKristu nokufa kwabo bonke abafundi baKhe na?


53

Akwedlulanga izizukulwane ezingakanani ngaphambi kokuba  ibandla libe budedengu, lixube, lingethembeki kuNkulunkulu nomthetho waKhe.
UJeremiya ubhalile ngalokho okwenzeka lapho uIsrayeli ehlehlela emuva isikhashana:

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi




54

Isililo 2:9
Lapho kungekho khona umthetho, nabaprofethi balo abatholi-mbono kuJehova.
Isililo 2:9.


55

Kwathi lapho ibandla elicathulayo lamukela imikhuba namasiko obuhedeni, lilahla izifundiso zeqiniso leBhayibheli, izipho zalo zikaMoya zagodlwa ngasinye, ngasinye.


56

Ngesikhathi sokuhlubuka kwebandla, noma iminyaka yobumnyama, iBhayibhele laliboshelwa ngeketanga epulpiti esigodlweni.
AmaBhayibheli ayebhalwe ngesiHeberu, isiGreki nesiLatini.


57

Abantu babenqatshelwe ukuba namaBhayibheli noma ukuwafunda.
Abapristi kuphela ababengaba nawo, bawahumushe ngendlela yabo.
AmaKristu athembekile ambalwa abambelela eBhayibhelini namaqiniso alo.
Noma babehlukunyezwa, baqhubeka nomsebenzi wokuvangela bepha nabanye iziqephu zemiBhalo.
Bahlwanyela imbewu yemvuselelo kudala ngaphambi kuka Wycliffe, uLuther no Huss.



58

(Video: 8 sec) UMartin Luther kanye nabanye, bahumushela iBhayibheli olimini lwabantu.
Zafika izinhlupho, kodwa lokho kwabangela ukulangazelela izwi likaNkulunkulu kakhulu.


59

Kwathi lapho abantu beqala ukuphenya imiBhalo ngokukhuthala, kwatholakala amaqiniso amadala, osekukade efihlakele.
Lamaqiniso atshengiswa abantu, kwaba khona imvuselelo enkulu ngalokho.

21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngapheshey Kwezinkanyezi


60

Ngalesikhathi kwavela ukunyakaza okusha kwezenkolo - isixuku samaKristu azinikele; abanye kungamaBaptisi, amaWeseli, amaPresbyterians nabanye - bephenya imiBhalo bethandazela ukukhanyiselwa.



61

Uma bephenya iBhayibheli bathola emyalweni wesine kaNkulunkulu isikhumbuzo sokudala kwaKhe - usuku uNkulunkulu ayethe abantu baKhe mabalukhumbule. Bafunda incwadi yeSambulo babona ukuchazwa kwabantu bakaNkulunkulu ezinsukwini zokugcina:



62

Isambulo 14:12.
Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu.
Isambulo 14:12.
Besafunda bebheka nezinye izindimana, kwabakhanyela ukuthi ukugcina imiyalo kaNkulunkulu kubandakanya nokugcina iSabatha eliseBhayibhelini.



63

Basamukela lesikhumbuzo sendalo, bamemezela iqiniso leSabatha emhlabeni.




64

(Video: 11 sec) Isipho sokuprofetha-ke sona?
Ngabe uNkulunkulu wayezovusa isipho esikhethekile sokuprofetha kulabantu abagcina iSabatha na?
Ngabe uNkulunkulu unakho okuthile okukhethekile?
Akuyona yini into esingayilindela ukuthi uNkulunkulu abe nokuthile okukhethekile azokusho kulesizukulwane na?
Kungenzeka yini ukuthi uNkulunkulu ufuna ukuxhumana nathi ngoba esithanda thina esiphila kulezinsuku na?




65

Joweli 2:28, 31
Lalela: Kuyakuthi ngasemuva ngithulule uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama;



66

**amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha, abadala benu baphuphe amaphupho, izinsizwa zenu zibone imibono.**



67

**...lungakafiki usuku olukhulu nolwesabekayo lukaJehova.**
**Joweli 2:28, 31.**



68

**Qaphela ukuthi uNkulunkulu wathi lokhu kuyokwenzeka ngaphambidlana kwalolosuku "olukhulu nolwesabekayo" lweNkosi noma ngaphambi kokubuya kukaKristu.**
**Abantwana bakaNkulunkulu babezokuba nesipho sokuprofetha phakathi kwabo emahoreni okugcina komlando womhlaba.**
**Ekhuluma nebandla eKorinte, uPawulu washo lokhu mayelana nabalandeli bakaNkulunkulu:**



69

**1 KwabaseKorinte 1:7.**
**Ukuze ningasilalelwa nasinye isiphiwo somusa, nisahlalele ukwambulwa kweNkosi yethu uJesu Kristu.**
**1 KwabaseKorinte 1:7.**




70

**Sesibonile ukuthi abantwana bakaNkulunkulu ezinsukwini zokugcina bayokwaziwa njengalabo: Abagcina imiyalo kaNkulunkulu futhi benobufakazi bukaJesu. Isambulo 12:17.**



71

**ukubekezela kwabangcwele**



72

**begcina nemiyalo kaNkulunkulu**



73

bayokuba nobufakazi bukaJesu.




74

Isambulo 19:10.
Sitshelwa ukuthi ubufakazi bukaJesu umoya wokuprofetha.
Isambulo 19:10.
Ngamanye amazwi, ubufakazi bukaJesu ubufakazi baKhe esebenza ngesipho sokuprofetha.
NgokweSambulo, ibandla elizosetshenziswa uNkulunkulu, akhulume ngalo ezinsukwini zokugcina linokukholwa kukaJesu; ligcina yonke imiyalo kaNkulunkulu, futhi libusiswe ngesipho sokuprofetha.



75

Yebo, uNkulunkulu usafuna ukuthintana nathi.
Kukhona asafuna ukukusho kulesizukulwane.



76

Ungabuza: Kungenzeke yini kube owenkohliso?
Singawubona kanjani umahluko phakathi komprofethi weqiniso kaNkulunkulu nowamanga na?



77

Ihlale ikhona ingozi yokukhohliseka.
Emlandweni wonke bekusolokho kukhona abaprofethi bamanga nabeqiniso.
Asidingi ukuzihlupha ngabamanga, uma sazi ukuthi sibabona kanjani abeqiniso.



78

IBhayibheli lisinika izimpawu ezichaza umprofethi weqiniso:



79

Isigijimi somprofethi weqiniso sizohambisana ngokuphelele neZwi likaNkulunkulu nomthetho waKhe.

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi



80

Isaya 8:20.
Emthethweni-ke nasebufakazini! impela lelizwi abalikhulumayo alinakho ukukhanya.
Isaya 8:20.



81

Iziprofetho zomprofethi weqiniso mazigcwaliseke njalo-nje!



82

Jeremiya 28:9.
...Lapho seligcwalisiwe izwi lomprofethi, uma engumprofethi uJehova amthumileyo impela. Jeremiya 28:9.



83

Umprofethi weqiniso uprofetha ukuze kwakheke ibandla.
Esinye sezizathu sokuba uNkulunkulu aphe ibandla isipho sokuprofetha ukwakha ibandla. Uma sifuna ukubona isipho seqiniso, masithole ibandla leqiniso. Zixhumene lezizinto.



84

1 KwabaseKorinte 14;3, 4
Kepha oprofethayo ukhuluma kubantu kube ngukwakha, nokududuza, nokuqunga isibindi...



85

Kepha oprofethayo wakha ibandla.
1 KwabaseKorinte 14:3, 4.



86

Umprofethi weqiniso uzophakamisa uKristu njengeNdodana kaNkulunkulu noMsindisi wabantu:

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi



87

1 Johane 4:1, 2
Bathandekayo, maningakholwa yibo bonke omoya, kepha hlolani omoya ukuthi bangabakaNkulunkulu yini;



88

ngokuba baningi abaprofethi bamanga abaphumele ezweni.



89

...Bonke omoya abavuma ukuthi uJesu Kristu ufikile enyameni bangabakaNkulunkulu.
1 Johane 4:1, 2



90

Umprofethi noma umprofethikazi weqiniso uzokwaziwa ngempilo ayiphilayo nezenzo zakhe.



91

Mathewu 7:16; 18
Niyakubazi ngezithelo zabo...



92

Umuthi omuhle ungethele izithelo ezimbi, nomuthi omubi ungethele izithelo ezinhle.
Mathewu 7:16, 18.


93

Ngokwalezindimana, kusobala ukuthi akusibo bonke abazibiza ngababprofethi bakaNkulunkulu abayibo ngempela.

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi



94

**Isigijimi somprofethi weqiniso, impilo yakhe, nezenzo zakhe makwesekele futhi kuqinise izigijimi zesiprofetho eziseBhayibhelini kanye nemiyalo nomthetho kaNkulunkulu.**
**Kanjalo-ke, noma ubani othi uyisikhulumi sikaNkulunkulu makavivinywe ngalokhu!**
**Uma konke kuhlangana, mayibongwe iNkosi!**
**Uma kungahlangani, makulandelwe isixwayiso sikaKristu sokuba "qaphela" abanjalo.**



95

**Ake nginitshele indaba ngendlela uNkulunkulu akhetha ngayo ukuhlala "exhumene" nabantu baKhe.**
**Kwakungesikhathi lapho babememezela ezweni amaqiniso ayekade efihlakele amakhulu eminyaka.**
**Kwakungesikhathi seMvuselelo eNkulu kwezeNkolo, ngeminyaka yawo 1800.**
**Kwakukhona umdlandla omkhulu ekufundeni iBhayibheli nasekuthandazeni.**
**Iziprofetho zika Daniyeli neSambulo zafundwa kakhulu.**



96

**Abafundi beBhayibheli abathembekile baphenya iziprofetho, ekugcineni baqhamuka nesinqumo sokuthi uJesu uyobuya ezinsukwini zabo.**




97

**Besafunda njalo, bavumelana ngomhla ka 22 October, 1844. Nokho uOctober 22 wafika, wadlula ngaphandle kokubuya kukaJesu ngenkazimulo.**



98

**Kwababakhona ukujabha okukhulu ngendlela ebuhlungu. Labantu bahlekwa, babinqwa, babizwa ngawo onke amagama.**

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngapheseya Kwezinkanyezi



99

(Video: 8 sec) Kamuva, sekuthandazwe kakhulu, kwaphenywa imiBhalo, bathola ukuthi usuku ababelubekile alunaphutha, kodwa isigameko kwakungesona!
Babecabange ukuthi "indawo engcwele" eshiwo kuDaniyeli 8:14, kwakuyilomhlaba, kanti cha! Esikhundleni sokuthi umhlaba uhlanzwe ngomlilo, yindawo engcwele yasezulwini eyayizonhlazwa. Lokhu kwakuzoveza obala ubumsulwa besimilo sikaNkulunkulu nokubusa kwaKhe.


100

Bashaqeka. Ukudumala kwakungathwaleki.
Kodwa uNkulunkulu emuhle, akamshiyi umuntu ofuna iqiniso ngenhliziyo ephelele. Akabashiyanga laba ababelindele ukubuya kukaJesu esikhathini sabo sokujabha. Wayefuna bazi ukuthi uyabanakekela - ukuthi uyabathanda futhi ufuna ukubasiza.
Kanjalo, ngalesisikhathi esibucayi kangaka, uNkulunkulu wakhetha ukubuyisela isipho sokuprofetha ebantwini baKhe .
Yindaba ethathekisayo kusukela ekuqaleni!


101

Wakhetha intombazane ebuthakathaka empilweni, eneminyaka engu 17, wayinika umbono ngokunqoba komsebenzi kaNkulunkulu. UEllen Harmon wanikwa umbono wakhe wokuqala ngo December 1844, masinyane ngemuva kokujabha okukhulu.
Wabonişwa abalindele ukubuya kukaJesu behamba endleleni ephakeme eya ezulwini, bekhanyiselwe ukukhanya okukhulu kuleyo ndlela.


102

Leso sigijimi saba yinkuthazo enkulu kakhulu kulabantu ababekholwa ekubuyeni kukaJesu. Kamuva baziwa ngokuthi amaSeventh-day Adventist.

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi



103

Lentombazane, eyaphenduka u Ellen White ngemuva kokushada novulindlela wama Adventist, uJames White, yayethembekile obizweni lwayo. Iminyaka engaphezu kuka 70, yabhala, yayala, yenza izinkulumo, yafundisa ekuthunywe uNkulunkulu.
Yize noma umsebenzi wakhe waba mkhulu, futhi umangalisa, ngokusho kwakhe okuyikhona okukhulu kunakho konke kwaba ukuholela amadoda nabesifazane 'ekukhanyeni okukhulu' - iBhayibheli.





104

Wabhala wathi: IBhayibheli alinakiwe, ngakhoke uNkulunkulu unikeze ukukhanya okuncane ukuze kuholele amadoda nabesifazane ekuKhanyeni okuKhulu.
- Colporteur Ministry, ikhasi 125.




105

Waphakamisa imiBhalo eNgcwele njengempedulo yokugcina kuyo yonke imibuzo mayelana nezimfundiso.
Kulabo ababegxeka iZwi likaNkulunkulu wathi:




106

Bambelelani eBhayibhelini lenu njengoba libhaliwe, niyeke ukugxeka ubuqiniso balo, nithobele iZwi,




107

ngaleyo ndlela ngeke kulahleke noyedwa kinina.
Selected Messages, Umqulu 1, ikhasi 18.



108

Akukho mbhali wesifazane owake wabhala izincwadi zenkolo, amaphephabhuku, nezincwadi ezibhekiswe kubantu ngabanye, njengo Ellen White. Izigijimi zakhe zeziyalo nezinkuthazo ayezithole kuNkulunkulu wazidlulisela kwabanye empilweni yakho yonke.

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi



109

Izincwadi zakhe zihlanganisa iziyalo ngokuphila impilo yokunqoba, ukudla ngokufanele, ezempilo, abakhulelwe, amakhambi, umshado nekhaya, ukukhuliswa kwabantwana, imfundo nokunye okuningi.
Okuningi akubhalayo  sekungaphezu kwekhulu leminyaka ubudala, kodwa kufakazelwa okutholwa oSosayensi besimanje.
Ucashunwe awoprofessor, odokotela, abahlaziyi bezindaba, nabanye bevuma ukuthi unguchwepheshe kulezo zihloko.




110

uDkl. Clive M. McCay, uprofessor kwezomsoco ekudleni wase Cornell University, wathi:  Okubhalwe ngu Ellen G. White kucashunwe ngoba kusinika ulwazi ngokudla okunomsoco okudingwa umzimba wonke.
- -Natural Food and Farming, May, 1958




111

Kudala ngabo 1864, uEllen White wabhala wathi:
Ugwayi ungubuthi obukhohlisayo kanti kungabulala...



112

Ubungozi bawo benziwa bukhulu ngoba ubuthi lobo busebenza kancane kancane egazini, bungabonakali.



113


Nokho, kwakuqala ngo 1957 ukuthi iAmerican Heart Association yenze isinqumo ngokuthi ukubhema kuyawubanga umdlavuza wamaphaphu!
Ngezinsuku zakhe, babengamngabaza odokotela ngoba ngalezo zinsuku kwakucatshangwa ukuthi intuthu yogwayi nesigazu,  iyasiza ekwelapheni isifo samaphaphu.



114

Ngo 1905, uMrs White wabhala ngokubakhona kwama “gciwane” omdlavuza.
Wathi:  Abantu bayaqhubeka bedla inyama enamagciwane eTB nomdlavuza...

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi




115

I TB, umdlavuza, nezinye izifo ezibulalayo zidluliselwa ebantwini kanjalo.
--The Ministry of Healing, ikhasi 313.




116

Yebo kulezinsuku kungasetshenziswa igama elithi "virus" esikhundleni saleli elithi Germs.
Iminyaka engu 93 kusukela lapho, iphephabhuku iNewsweek, yakhipha indaba enesihloko esithi: Amagciwane Ayimbangela Yomdlavuza.



117

"U Dkl. Wendell Stanley, wase University of California umcwaningi ngamagciwane, owazuza iNobel Prize,



118

wenaba wathi ngaphandle kokungabaza, uyakholwa ukuthi amagciwane ayimbangela yomdlavuza omningi ebantwini.
--Newsweek, June 18, 1956.



119

Ngo 1902, uEllen White, wexwayisa ngokuthi amadolobha ase San Francisco ne Oakland ayojeziswa yiNkosi ngoba asephenduke iSodoma neGomora. (Manuscript 1902, ikhasi 114.)



120

Ngomhla kaApril 18, 1906 , ngu 5:12 ekuseni, kwaba khona ukuzamazama komhlaba eSan Francisco.
Sasiqinisile isiprofetho.
Umonakalo wenzeka njengoba kwakuprofethiwe.
Umsebenzi kaNkk. White uncomeka nangaphezulu uma sicabanga ngezimo ezilukhulu ayesebenza phansi kwazo empilweni yakhe yonke.



121

Omunye angamangala ukuthi kwakungubani uEllen White, nokuthi wayenjani!
Impendulo isithatha isiyise emuva ku November 26, 1827.

# 21 - Izigigijimi Ezivela Ngapesheya Kwezinkanyezi


122

Ngalolosuku, uEunice no Robert Harmon bazalelwa amantombazane angamawele, uElizabeth no Ellen, eduze nendawo yase Gorham, eMaine.
UEllen wayengumagcino ezinganeni ezingu 8.


123

Eseneminyaka engu 9, wavelelwa yingozi eyaguqula impilo yakhe unomphelo.
Ebuya esikoleni ngelinye ilanga, uEllen walinyazwa kabi yitshe elalijikijelwe intombazane ayefunda nayo.


124

Waquleka amasonto amathathu.  Akakwazanga ukuqhubeka nesikole, kanti kwabonakala sengathi ngeke aphile isikhathi eside.
Akafundanga into eyaphi.


125

Iminyaka eminingi ngemuva kwalokho, uEllen wabheka emuva kulowonyaka wakhe wesishiyagalolunye.
Yebo, kwakubuhlungu ukungakwazi ukuqhubeka nemfundo;  engakwazi ukudlala nabafowabo nodadewabo.
Kodwa njengoba kwakubonakala sengathi umnyango omunye uyavaleka empilweni yakhe, kwavuleka omunye.
UEllen waba umfundi weBhayibheli okhuthele.
Wahamba imihlangano yamadokodo, izimvuselelo neminye imihlangano.


126

Ngemuva kokuya emhlanganweni wamadokodo aseWeseli eBuxton, eMaine, uEllen wabhabhadiswa ngo June 26, 1842.
Waba yilunga lebandla lamaWeseli.

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngaphesheya Kwezinkanyezi




127

Kamuva, uEllen nomndeni wakubo baya kweminye imihlangano ePortland, eMaine. Isikhulumi kwakungu William Miller, owayekade engukaputeni empini, naye owayekhuthalele ukufunda iBhayibheli.
Ngenxa yokuba wayekholelwa ekubuyeni masinyane kukaKristu, yena nabalandeli bakhe babizwa ngokuthi ngama"Advents" noma ama Millerites.
Umdeni wakwa Harmon weneliswa ngobuqiniso bezimfundiso zika Miller.



128

Nokho, emuva kokudumala okukhulu kuka October 22, 1844, nabo bashaqeka. UEllen wadumala kakhulu. Wakhala, wathandaza, wafunda iZwi likaNkulunkulu, efuna impendulo njengabanye abazalwane bama Advent. Kwakulapho-ke uNkulunkulu ambizela ukuba abe umprofethikazi waKhe. Ngokomzimba wawungeke usho ukuthi umprofethikazi lona. Wayeneminyaka engu 17, ehlushwa yiTB nesifo senhliziyo. Kodwa ngoDecember ka 1844, uNkulunkulu wakhetha ukukhuluma ku Ellen embonweni. Uyasitshela ngawakhe amazwi ukuthi wakwamukela kanjani lokhu:




129

Ngemuva kombono, uNkulunkulu enginikile ukukhanya, wathi mangikudlulisele kwabanye...kodwa ngesaba. Ngangiyingane, ngacabanga ukuthi ngeke bangilalele.
–Ellen G. White Letter 3, 1847.



130

Noma wayezibona engafanelekile futhi ebuthakathaka empilweni ukuthi angaphatha lomsebenzi kaNkulunkulu, ngokukholwa wawamukela umsebenzi kaNkulunkulu owawuzokuba owempilo yakhe yonke.



131

UEllen no James umyeni wakhe, basebenza ndawonye bememezela lokhu kukhanya uNkulunkulu ayekunikezile.

# 21 - Izigijimi Ezivela Ngapheseya Kwezinkanyezi



132

Impumelelo yabo nokuzinikela kwabo kuyavela ezincwadini zakhe eziningi.
Empilweni yakhe yonke, uEllen White wayengumKristu ozinikele, isisebenzi sikaNkulunkulu esingakhathali, noMama okhuthele.
Wayethandwa ngumyeni wakhe, umndeni wakhe nezinkulungwane zabantu emhlabeni.




133

Ngo Agasti 6, 1881, umyeni kaEllen, uJames, washona eBattle Creek, eMichigan.
Emi phezu kwethuna lakhe, uEllen wafunga ukuthi uzoqhubekela phambili nomsebenzi ababezinikele kuwona, bewenza ngokungakhathali iminyaka engaphezulu kweyi 35!



134

Ezinye izincwadi zika Ellen ezinhle nezikhuthazayo zabhalwa emuva kwalolusuku.
Wasebenza yedwa iminyaka elandelayo engu 34.
Ubizo lwakhe lobuprofethikazi lwamhambisa amazwe amaningi - eluleka, efundisa amakholwa ngokuholwa uNkulunkulu.




135

Impilo kaEllen Gould White nomsebenzi wakhe kwakhawuka ngo July 16, 1915.
Wayesengaphezu kweminyaka engu 87 ubudala.
Wangcwatsha eceleni komyeni wakhe emathuneni ase Oak Hill eBattle Creek, Michigan.
Amasonto ambalwa ngemuva kokufa kwakhe, iphephandaba labhala lokhu:




136

Wayengaziphakamisile ngokukholwa, futhi wayengayikhonzile imali.
Waphila impilo yomprofethikazi, wenza umsebenzi womprofethikazi. Wayeyinzalo yaseMelika ethandekayo. — The New York Independent, August 23, 1915.



137

Yebo, izwi lakhe selithule - ipeni lakhe liphumule.
Kodwa amazwi ayigugu eziyalo, inkuthazo, nezeluleko zalenceku eyethembekile kaNkulunkulu kuyoqhubeka ukuqondisa abantu bakaNkulunkulu baze banqobe ekugcineni!



138

**(Video: 6 sec) Ifa alishiyela umhlaba liyisipho sothando - isigijimi esiza emhlabeni sivela emazulwini, kuNkulunkulu wothando osafuna namanje uku"thintana" nabantwana baKhe lapha, kuze kubuye uKristu.**

**Lapho-ke "ukukhanya okuncane" kuyofiphala sesimi enkazimulweni yokukhanya kwaKhe futhi, sombona uNkulunkulu ubuso nobuso enkazimulweni yaKhe yonke, sibe nobudlelwane Naye.**

# 21 - Izigigjimi Ezivela Ngapheseya Kwezinkanyezi


139

**Iminyaka eminingi eyedlule, ogwadule lwaseBotswana, kwakuhlala umuThwa owayaziwa ngokuthi uSukuba. Wayeziphilela impilo yakhe njengabanye besizwe sakubo esihamba sigoba amadlangala.**
**Ngobunye ubusuku kusebusika, wakhasa wangena eqhugwaneni lakhe esezolala. Kusenjalo, ubusuku bakhanya ukwedlula emini.**
**Isidalwa esikhazimulayo sabonakala kuye samtshela ukuthi akafune abantu beNcwadi, abakhonza uNkulunkulu.**
**USukuba wayengazi ukuthi kusho ukuthini lokho. Incwadi yani?**
**Wayezoyifunda kanjani khona uma eyithola? Ulimi lwabaThwa lwehlukile kwezinye. Alubhaliwe. Kodwa "lona okhazimulayo", esho ingelosi eyabonakala kuyena, wathi: Incwadi iyakhuluma. Uzokwazi ukuyifunda.**
**USukuba wazula izinsuku nomndeni wakhe befuna incwadi. Wafika emzini womuntu ongumlimi wabuza ukuthi uyabazi yini abantu bencwadi.**
**Umlimi wamangala ezwa umuThwa ekhuluma ulimi lwakhe.**
**Khona manjalo, wamyisa kumfundisi wakhe.**
**Umfundisi wathinteka ngendaba kaSukuba, wathi: Uhambo lwakho seluphelile.**
**USukuba wathokoza kakhulu. Kodwa ngalobo busuku "okhazimulayo" wavela futhi kuSukuba wamtshela ukuthi akusibo lababantu obafunayo laba.**
**Kufuneka uthole abagcina iSabatha kanye nomfundisi uMoye.**
**Umfundisi Moye unayo incwadi, kanye nezinye ezinsundu ezine kodwa zibe zenza isishiyagalolunye.**
**Ngosuku olulandelayo uSukuba wathandaza ukuba aphiwe isibonakaliso.**
**Wayedinga ukwazi indlela. Kwavela ifu esibhakabhakeni.**
**USukuba walilandela izinsuku eziyisikhombisa, laze lanyamalala emzini othile.**
**USukuba wacela ukukhonjiswa indlu kamfundisi Moye, Nangempela bamkhombisa ngokushesha.**
**Ngemuva kokuba uSukuba eseyixoxile indaba yakhe ngolimi lwendawo, umfundisi Moye wamnika iBhayibheli eseligugile. Nanso-ke! kubabaza uSukuba.**

**Nanso-ke! Manje ziphi izincwadi ezine kodwa zibe ziyisishiyagalolunye na?**
**Kwavela ukuthi uEllen White, iminyaka eminingi ngaphambili, wayebhalele ibandla imiqulu engu 9 yezeluleko ezaziwa ngokuthi yiTestimonies to the Church, okwathi ekuhambeni kwesikhathi zabhanqwa kwaba yizincwadi ezine.**
**Ukuthungatha kukaSukuba kwasekufike esiphelweni. Wayesebatholile abantu bencwadi. Wayesebatholile abantu abagcina iSabatha, ababusiswe ngesipho sokuprofetha. USukuba nomndeni wakhe bamukela uKristu babhabhadiswa, waba umvangeli esizweni sakubo.**
**UNkulunkulu usebenza ngezindlela ezimangalisayo namuhla ukuholela abantu ebandleni laKhe leqiniso. Akulona iphutha ukuthi uzwa lendaba namuhla. NjengoSukuba uNkulunkulu ukuholela eqinisweni laKhe. Ukunika isibindi sokubhekana nekusasa. Mhlawumbe bewufuna iqiniso iminyaka eminingi. Ngikholwa ukuthi ukufuna kwakho sekufike esiphelweni.**
**Uholwe yizulu ukuze ufike lapha. Nawe, njengoSukuba, ungamemeza uthi: Yiloke leli! Yilo ibandla likaNkulunkulu leli!**
**Uyafuna yini ukuzihlanganisa nalabo abagcina imiyalo kaNkulunkulu benobufakazi bukaJesu na?**
**Ubungethande yini ukuzihlanganisa nabantu bakaNkulunkulu bakulezinsuku zokugcina?**
**Cabangisisa kahle ngalokhu kuzinikela.**
**Kungaba yisona sinqumo esibaluleke ukwedlula zonke ezinye empilweni yakho.**

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



1


**Litholakala Kanjani iBandla Leqiniso na?**


2

**Uke uzibuze ukuthi kungani kunamabandla amaningi kangaka ehlukene na?**
**Abantu abafana nawe nami singadideka.**
**Yilelo nalelo bandla lifundisa ukuthi yilona elineqiniso.**
**Uke uzibuze ukuthi yiliphi ibandla elifundisa futhi likholwa yiqiniso ngempela ngoNkulunkulu na?**


3

**Sihlobo, iBhayibheli lisiphathele impendulo.**
**Kulomhlaba ogcwele ukudideka, iZwi likaNkulunkulu singalethemba njalo ukuze sikwazi ukwehlukanisa phakathi kweqiniso nenkohliso!**



4

**Isihloko senkulumo yethu manje sithi: Yini kunamabandla ehlukene amaningi kangaka na?**




5

**Amose 3:7.**
**Ngokuba iNkosi uJehova ayenzi lutho ingayambulanga imfihlakalo yaYo ezincekwini zaYo abaprofethi.**
**Amose 3:7.**



6

**(Video: 4 sec) Masiye ezwini likaNkulunkulu.**
**Khumbula ukuthi okucatshangwa yimina, akubalulekile.**
**Okubalulekile ukuthi kuseBhayibhelini na?**
**Uma kukhona, ngiyakholwa yikho.**
**Uma kungekho, ngiyakubonga**



7

**Ukuqala lesifundo, masiye encwadini yokugcina yeBhayibheli - iSambulo.**
**Isambulo, isahluko 6, sikhuluma ngabagibeli abane.**

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



8

Labagibeli bamele izigaba ezehlukene zesikhathi emlandweni webandla lobuKristu.
Kulezo zigaba zesikhathi, sibona ukukhula kwamabandla ehlukene esinawo namuhla.




9

Isambulo 6:1
Ngase ngibona lapho iWundlu livula olunye lwezimpawu;




10

ngezwa esinye sezidalwa ezine sisho njengezwi lokuduma, sithi:  Woza!
Isambulo 6:1.
Umlando wobuKristu manje uyembuleka lapha kuSambulo 6.





11

Isambulo 6:2
Ngabona, bheka, nanto ihashi elimhlophe, nohlezi phezu kwalo ephethe umnsalo wanikwa umqhele,




12

waphuma engonqobayo nokuyakunqoba.
Isambulo 6:2.



13

Ngakhoke, ibandla lokuqala yibandla elinokukholwa okunqobayo.
Umbala omhlophe, umele ukukholwa okumsulwa.



14

Kwakuyokuba mnandi ukuphila kuleso sikhathi esanda kunyuka uJesu.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho


15

**Abafundi babegcwele isibindi nokukholwa, ngoba babekade behamba, bekhuluma noJesu. Babembonile evuka. Bambona enyukela emazulwini. Babazi ukuthi uyabuya futhi. Bekholwa izithembiso zaKhe ngazo zonke izinhliziyo zabo.**


16

**Bashumayela izindaba ezimnandi, ivangeli, ngomdlandla omkhulu emhlabeni wonke.**



17

**Eqinisweni, izindaba ezimnandi zosindiso, zashunyayelwa kuwo wonke umhlaba owaziwayo ngalezo zinsuku. Uthi uPawulu: Nani ekade ningabafokzai nezitha engqondweni ngemisebenzi emibi,**



18

**nokho manje usebuyisene nani**



19

**emzimbeni wenyama yayo ngokufa ukuba animise ningcwele,**



20

**ningenasisihla nacala phambi kwaKhe.**



21

**uma kambe nihlala ekukholweni, nisekeliwe nigxilile,**

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



22

ningagudluzwa ethembeni levangeli enalizwayo,




23

elashunyayelwa kukho konke okudaliweyo okuphansi kwezulu, engenziwa isikhonzi salo mina Pawulu. KwabaseKolose 1:21 - 23.



24

Izenzo 5:14
benezelwa kakhulu abakholwa yiNkosi, abaningi abesilisa nabesifazane. Izenzo 5:14.
Incwadi yeZenzo isitshela ukuthi izinkulungwane zazibhabhadiswa mihla yonke.



25

Izenzo 2:47
...INkosi yenezela ebandleni imihla ngemihla abasindiswayo. Izenzo 2:47
Ibandla kwakungumzimba kaKristu.


26

Abantu babebhabhadiselwa kuJesu.
Babebhabhadiselwa emzimbeni waKhe, ibandla.
Kwakubalulekile kubafundi bokuqala ukwethembeka kuJesu.
Kwathi uma abafundi besatshiswa ukuba bangafundisi ngegama likaJesu, bathi:



27

Izenzo 5:29.
Kepha uPetru nabaphostoli baphendula bathi: Simelwe ukulalela uNkulunkulu kunabantu. Izenzo 5:29.
Kwakubaluleke kakhulu ukwenza okushiwo uNkulunkulu, kunokulandela amasiko abantu.


28

Kanjalo, babenokukholwa okumsulwa, ngoba babekade benoJesu.
Babekholwa yilokho uJesu ayekukholwa.
Bafundisa lokho okwakufundiswa nguJesu.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho




29

Yikhona ukukholwa esidinga ukuba nakho namuhla - okulula, okumsulwa, okubheke phambili ekubuyeni kukaKristu.
Ukukholwa okubheke phambili ekumemezeleni izindaba ezimnandi zosindiso kubangane bethu bonke nomakhelwane - kuwo wonke umhlaba - ukugcwalisa umyalo omkhulu wevangeli esawunikwa nguJesu.
Ukukholwa okumsulwa lokhu.
Kwakuyilokho-ke ukukholwa kwabazalwane ebandleni elalisanda kubunjwa.



30

Ibandla lokuqala elalinokukholwa okunqobayo, limelwe yihashi elimhlophe.
Lesigaba sesikhathi saphela ngo A.D. 100.


31

Wabonani uJohane ngesikhathi uJesu esevula uphawu lwesibili na?



32

Kwase kuphuma elinye ihashi elibomvu, nohlezi phezu kwalo waphiwa ukususa ukuthula emhlabeni,



33

ukuze babulalane, wanikwa nenkemba enkulu. Isambulo 6:4.
Lapha-ke sibona kufanekiswe ukukholwa okuchashazelwe yigazi.


34

Siyazi ukuthi emuva kuka A.D. 100, kwaqala ukuthuthelwa kwamaKristu eRoma, lapho ayebulawa khona, amaningi kuwona efunzwa emabhubesini ezindaweni zokuzijabulisa embusweni waseRoma.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho


35

**Kwakuyisikhathi esinzima ebandleni lobuKristu!**
**Kodwa noma kunjalo, ibandla lakhula.**
**Omunye umbhali womlando webandla wathi kwakungathi igazi lamaKristu liyimbewu.**
**Kwakuthi uma efa amaKristu ngenxa kaJesu, kufane nembewu etshaliwe, kuvuke amaningi esikhundleni sawo.**
**Izindaba ezimnandi zosindiso zenabela kuwo wonke umbuso waseRoma nakuwo wonke umhlaba owawaziwa ngalezo zikhathi.**




36

**Ihashi elibomvu limele ukukholwa okuchashazelwe yigazi.**
**Uphawu lwesibili yibandla lobuKristu kusukela ku A.D. 100 kuya ku A.D. 323.**




37

**Manje uJesu uvula uphawu lwesithathu - isigaba sesithathu sebandla lobuKristu.**
**Kuthe selivula uphawu lwesithathu, ngezwa isidalwa sesithathu sithi: Woza!**




38

**Ngase ngibona, bheka, nanto ihashi elimnyama nohlezi phezu kwalo ephethe isilinganiso ngesandla sakhe. Isambulo 6:5.**



39

**Lelihashi elimnyama limele ukukholwa okuxubile.**



40

**Izenzo 20:29, 30**
**Mina ngiyazi ukuthi emva kokumuka kwami kuzakungena kini izimpisi ezihahayo zingawuhawukeli umhlambi.**



41

**Naphakathi kwenu kuzakuvuka amadoda akhuluma okudukisayo, ahunge abafundi ukubalandela. Izenzo 20:29, 30.**
**Yisikhathi esidabukisayo lesi ebandleni lobuKristu.**

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho




42

Yisikhathi lapho ukukholwa kwakuxutshwa - lapho ubuhedeni babuhlangene nobuKristu.
UDaniyeli wayekuprofethile lokhu.



43

Daniyeli 8:12
Kwabekwa impi yokulwa kanye nomnikelo oshiswa imihla yonke ngesiphambeko:




44

lwaphonsa phansi iqiniso, lwenza njengentando yalo, lwaba nempumelelo.
Daniyeli 8:12



45

Iqiniso lokuqala elikhulu elalahleka ngalesikhathi ukusindiswa ngokukholwa kuJesu yedwa.
Ukusindiswa ngoJesu kwagudluzwa okushiwo yibandla.




46

Uma usakhumbula esikufundile ngaphambili, usindiso, ngokweBhayibheli, yisipho sesihle. Luyisipho, ngoba sonke sonile, asisifanele.
Sifanelwe ukufa, ngoba inkokhelo yesono ukufa.
Kodwa isipho sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade.



47

Siseyizoni, uKristu wasifela.
Yivangeli elilula lelo.


48

Ukuze sithole leso sipho sesihle, esikudingayo-nje ukumema uJesu ezihliziyweni zethu.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho




49

Kanjalo usixolela zonke izono zethu.




50

Okwesibili, uzosipha amandla okuphila sengenzi isono. Uzosipha amandla okuhamba ezinyathelweni zaKhe.



51

Kodwa leliqiniso elisobala levangeli, lelivangeli elilula njengoba linjalo kuJesu, lagudluzwa okushiwo yibandla ngalesikhathi kuxutshwa ukukholwa nobuhedeni.



52

Esikhundleni sokuya ngesibindi esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, bathole umusa waKhe nokuthethelelwa, esikhundleni sokuvuma izono zabo njengokusho kweBhayibheli, amaKristu atshelwa ukuthi adinga ukukhokha imali ukuze kuxolelwe izono zawo.




53

1 Johane 1:9.
Kodwa iBhayibheli lithi: Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi.
1 Johane 1:9.



54

AmaKristu atshelwa ukuthi mawaye kumPristi.
Aye kumuntu wenyama.
Ayengasakwazi ukuya ngesibindi esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu.
Usindiso lwajika kwaba yinto elukhuni.
Nabo abantu bakwamukela lokhu kuxutshwa kwenkolo, ngoba babengenalo iBhayibheli.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho


55

Eqinisweni kwaku ukwephula umthetho ukutholwa uneBhayibheli.
Yayingakabikhona imishini yokubhala, ngakhoke kwakulukhuni ukuthola ngisho nesicucu semiBhalo.
Abantu abaningi bamukela lokho abakutshelwa yibandla, kanjalo ubuKristu bagcwala inkohlakalo.



56

Iqiniso lesibili elaxutshwa nobuhedeni laliphathelene nokukhonza izinto ezenziwe ngokhuni noma ngamatshe esikhundleni sokukhonza uNkulunkulu uMdali wethu.  Uthi uNkulunkulu emiyalweni eyishumi:




57

Eksodusi 20:4, 5
Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso wokusezulwini ngaphezulu,



58

nowokusemhlabeni phansi, nowokusemanzini phansi komhlaba;



59

ungazikhothameli, ungazikhonzi, ngokuba Mina Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu,



60

ngihambela ububi bawoyise kubantwana baso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo. Eksodusi 20:4, 5.


61

Lesi kwakuyisikhathi lapho kwangena khona ukukhonzwa kwezithombe ebandleni.
ImiYalo eyiShumi ikubeka obala ukuthi akufanele kukhonzwe noma yini ngaphandle kukaNkulunkulu uqobo lwaKhe.

22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho


62

qiniso lesithathu leBhayibheli elaxutshwa nobuhedeni ngalesikhathi, lalithintene nomyalo wesine nosuku lokukhonza.
Qaphela ukuthi lithini iBhayibheli ngoDaniyeli uma ebona lokhu:



63

Daniyeli 7:15.
Mina Daniyeli, umoya wami wakhathazeka edokodweni lawo, nemibono yekhanda lami yangihlupha.
Daniyeli 7:15.


64

Nibonile uConstantine eshaya umthetho wokuqala wokugcinwa kweSonto: eguqula usuku lokukhonza iSabatha losuku lwesikhombisa, eluyisa osukwini lokuqala lweviki, iSonto.




65

Kodwa masikhumbule ukuthi uJesu wathi: Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yaMi. Johane 14:15. Kodwa ngalesikhathi sokuxuba, uthando ngoJesu lwaphola, abantu abaningi balandela amasiko esikhundleni sikaNkulunkulu.


66

Ibandla lamukela ukuxuba noma ukusheba, mayelana neSabatha, lazama ukuguqula usuku lokukhonza. Ngomhla ka 21 May, 1995, incwajana okuthiwa yiSentinel, ekhishwa yiSt. Catherine's Catholic Church yathi:



67


Okuyiyona nguquko yesibindi nengukhukhulela-ngoqo ibandla elake layenza, yenziwa ngekhulu lokuqala leminyaka ngemuva kukaJesu. Usuku olungcwele,



68

iSabatha, laguqulwa lasuswa ngomGqibelo layiswa osukwini lweSonto...kungekho myalo ovela kuyo imiBhalo, kodwa ngokwamandla ebandla uqobo...

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



69

Abantu abacabanga ukuthi imiBhalo kufanele kube iyona kuphela umthetho wamaKristu, bekufanele babe ngamaSeventh-day Adventist, bagcine umGqibelo ngcwele.



70

Ukukhonza ngeSonto, usuku lokuqala lweviki, akukho eBhayibhelini. Izazi zeBhayibheli emhlabeni wonke ziyakuvuma lokhu!



71

Njengoba sesibonile, inguquko yenziwa umbusi waseRoma uConstantine, ngo A.D. 320. Ibandla lakwamukela lokhu.


72

Bangane bami, uma sifuna ukwenza okushiwo yiBhayibheli, masibe ngamaSeventh-day Adventist! Kulesi sikhathi sokusheba, usuku lwelanga lwabahedeni lwathatha indawo yeSabatha elingcwele laseBhayibhelini.



73

Incwadi "The History of the Eastern Church" ikhasi 184, ithi: Imali yombuso kaConstantine, ebusweni obubodwa yayinamagama amele uKristu, ngakobunye kunomfanekiso wesithixo selanga...




74

sengathi wayengafuni uConstantine ukwehlukana nokukhonza ilanga. Akusona isimanga lesi?


75


UNkulunkulu ukwenza kube sobala emiyalweni yaKhe ukuthi:



76

Eksodusi 20:11
Ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova wenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



77

waphumula ngosuku lwesikhombisa; ngalokho uJehova walubusisa usuku lweSabatha, walungcwelisa. Eksodusi 20:11.


78

UNkulunkulu ukucacisile ukuthi ufuna abantwana baKhe bagcine iSabatha losuku lwesikhombisa lubengcwele.
Emuva, ekuqaleni kwezinto zonke, iBhayibheli lithi:




79

Genesise 2:3
UNkulunkulu wabusisa usuku lwesikhombisa walungcwelisa,



80

ngokuba ngalolosuku waphumula emisebenzini yonke abeyidalile uNkulunkulu, wayenza.
Genesise 2:3.




81

Uma uNkulunkulu onguMdali



82

wabusisa usuku,



83

uma wabekela usuku eceleni,

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



84

uma wenza usuku olulodwa lwabangcwele ngaphezu kwazo zonke ezinye, ngakhoke, zihlobo, umuntu akanalungelo noma amandla okuluguqula!
Lokho kwenza kube udaba lokukhonza, udaba lokulalela okushiwo uNkulunkulu noma amasiko abantu.




85

Yiso-ke lesi isigaba sokuxutshwa kokukholwa. Lesikhathi sokuxutshwa kokukholwa saqala ngo A.D. 323 kwaze kwaba ngu A.D. 536.


86

Manje sidlulela esigabeni sesine sebandla lobuKristu okuyihashi elimpofu.



87

Isambulo 6:7, 8
Nalapho livula uphawu lwesine, ngezwa izwi lesidalwa sesine sithi: Woza!



88

Ngase ngibona, bheka, nanto ihashi elimpofu nohlezi phezu kwalo, igama lakhe lalingukuFa, neHayidese lalandelana naye;



89

base benikwa amandla phezu kokwesine komhlaba ukuba babulale ngenkemba,



90

nangendlala, nangokufa, nangezilwane zomhlaba. Isambulo 6:7, 8.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



91

**Ukukholwa okufile - uphawu lwesine.**
**Kwakuyisikhathi sokuhlangana kwebandla nombuso.**
**I "Holy Roman Empire" yayiseyisimeme ngalesikhathi, futhi ayigcinanga ngokuba umbuso kwezenkolo, kodwa nakwezepolitiki.**
**Lapha sibona ukuhlangana kwebandla nezepolitiki.**




92

**Ake uqaphele lamazwi: UbuKristu kwaba yinkolo egxilile embusweni waseRoma, bathatha indawo yobuhedeni.**



93

**UbuKristu, njengoba babunjalo ngeminyaka yobumnyama (dark ages), bungabizwa ngokuthi: Ubuhedeni obubhabhadisiwe.**
**– Church History, Century 2, chap. 2, sec. 7.**


94

**Khumbula, ngalesikhathi abantu babengenakho ukufinyelela eBhayibelini.**
**Eqinisweni kwaku ukwephula umthetho, futhi njengoba sesibonile, nemishini yokubhala yayingakabikho.**


95

**Abantu balandela amasiko.**
**Balandela ubuhedeni nezinye izimiso ezazifohlile zangena ebandleni.**
**Umlando wangempela lona esikhuluma ngawo.**



96

**(Video: 7 sec) Ibandla elalikhona kwakuyibandla lamaRoma.**
**Futhi, asibhekisile kumuntu othile, sikhuluma ngenqubo!**
**Kukhona amaSistela nabaPristi bamaKhatholika abaningi abalungile nabahle, futhi kukhona abazalwane abaningi bamaKhatholika emhlabeni wonke, abathanda uJesu, bafuna iqiniso.**
**Kubalulekile ukwazi ukuthi kungani silapho sikhona njengamanje.**

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho




97

Kwakuyisikhathi esibi sokusheba inkolo, isikhathi sokuhlukunyezwa kwabantwana bakaNkulunkulu.





98

Kungakho kuthiwa yiminyaka yobumnyama. Izigidi ezingamashumi amahlanu zamaKristu ezabulawa ngenxa yenkolo yazo.




99

Qaphela lapha izinyathelo eziya ekuxubeni inkolo:




100

amasiko,




101

ukuzijezisa




102

nokuthenga intethelelo, kwangena ebandleni. Wawungakhokha imali ukuze kuthiwe izihlobo zakho ziphumile endaweni okuthiwa yisihlanzo, noma wawungazikhokhela wena uqobo ukuze ungayi kuleyo ndawo uma sewufile.
Esinye isibonelo sobuhedeni ebandleni lesi.

22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



103

**Ayikho into okuthiwa yisihlanzo ezwini likaNkulunkulu.**
**Izithombe zafohla ebandleni kanye nohlelo lwabapristi nokunye.**
**Ngabe iqiniso likaNkulunkulu lalizonyathelwa ngezinyawo kuze kube phakade?**
**Cha, ngoba ukukhanya kweqiniso kwakuzogqobhoza ubumnyama.**
**Nezinyathelo zazizothathwa ukwenza indlela ebuyela eqinisweni elalilahleke ngeminyaka yobumnyama.**



104

**Ngiminyaka yemvuselelo, ukukholwa okumsulwa kukaJesu babuye batholakala.**


105

**Abokuqala abathatha izinyathelo zokuphuma eminyakeni yobumnyama yawo 1400, kwakungama Waldensians.**


106

**Bathola kabusha izwi likaNkulunkulu, iBhayibheli.**
**IBhayibheli libaluleke kakhulu.**
**Ukuba sasingenalo izwi likaNkulunkulu, ukuba sasingenazo izincwadi zaKhe zothando asibhalele zona eBhayibhelini, ngabe siyanhlanhlatha.**


107

**Enyakatho nelaseNtaliyane, sithola umlando wamaWaldensians ayekholelwa eBhayibhelini.**
**Laba bantu babebhala imiBhalo engcwele ngesandla, banikeze iziqephu ezinganeni zabo.**
**Leziqephu zazithungelwa ezingutsheni zezingane ezazingena emadolobheni aseYurophu.**
**Zazipha abangane ezazibathola ezimakethe nasezikoleni.**


108

**Kodwa, isijeziso uma ubanjiwe wenza lokho, sasinzima - babeshiswa bephila.**
**Yize noma abaningi kubona balahlekelwa ukuphila kwabo, amaWaldensians abona kunhloniphekile ukufa, ukuze umsebenzi kaNkulunkulu uphile njalo.**

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho


109

Ngemuva kwamaWaldensians, kwafika umvuseleli, isazi ngeBhayibheli ePrague, ogama lakhe lingu John Huss.
UHuss, nomngane wakhe uJerome, bathola ukuthi kubaluleke kakhulu ukulalela uNkulunkulu kunokuthobela ibandla noma umuntu.


110

Ngenxa yokuzimisela kwabo ukulalela, nokukholwa lokho esifanele ukukukholwa okushiwo uNkulunkulu esikhundleni sokulandela amasiko ebandla, bashiswa bephila.
Umlotha wabo waphonswa emfuleni ogelezela olwande iMediterranean.
Ngendlela efanayo, imvuselelo yasuka emthonjeni wayo yageleza kuwo wonke umhlaba.


111

Ngemuva kokuba uHuss no Jerome beshisiwe, indoda yase Jalimane engu Martin Luther, yathola iqiniso leBhayibheli malunga nokusindiswa ngomusa kuphela.



112

Abanye abantu babuza lombuzo:  Kungani ukuba uLuther engawatholanga wonke amanye amaqiniso ayecashe ngeminyaka yobumnyama na?
IBhayibheli lithi:



113

Johane 16:12.
Ngisenokuningi okokunitshela, kodwa ningekuthwale manje.
Johane 16:12.



114

Ukuthola amaqiniso eBhayibheli ayekade elahlekile kwathatha isikhathi eside - kwaba ngumsebenzi oqhubeka njalo.
Kwathatha amakhulu eminyaka ukuba silahlekelwe ukukholwa kukaJesu ngeminyaka yobumnyama.
Futhi kwakuzothatha iminyaka ukuthi lamaqiniso aphinde atholakale.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho


115

Kwathi ngokufa kukaLuther, abalandeli bakhe bathatha lokho ayekusho, base beqala ibandla lamaLuthela. Ngokwabo, imvuselelo yaphela ngokufa kuka Luther.


116

Siyasuka eJalimane, siya eGeneva, kwelaseSwitzerland, lapho sithola khona isazi seBhayibheli uCalvin, okwathi


117

ekufundeni kwakhe, wathola ukuthi amaKristu mawangagcini ngokwamukela umusa nokuxolelwa, nokuthi afanele ukuza ngesibindi phambi kwesihlalo somusa, kodwa futhi, kubalulekile ukuthi mawakhule kuKristu.


118

Kanjalo uCalvin wafundisa ngokukhula, okuvame ukubizwa ngokuthi ukungcweliswa.
Njengoba samukela uJesu, usipha amandla okunqoba isono.


119

Ekufeni kukaCalvin, abalandeli bakhe bathatha imfundiso yakhe, baqamba ibandla lePresbyterian. Niyabonake ukuthi iqiniso elalilahleke ngeminyaka yobumnyama lalitholakala futhi kancane kancane.


120

Ngemuva kwesikhathi sikaCalvin, kwakukhona isixuku samaKristu ezindaweni ezehlukene enyakatho neYurophu, abafunda amaBhayibheli abo, bathatha isinqumo sokuthi esikhundleni sokufafaza abantwana ngamanzi,


121

umbhabhadiso kufanele ulandele isibonelo sikaJesu ngokuthi kube yisinqumo somuntu, nokuthi makacwiliswe.
Babizwa ngokuthi ngama Anabaptist.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho


122

**Ukubhabhadiswa ngokucwiliswa - ufakwe ngaphansi kwamanzi njengoba kwenziwa kuJesu, yiqiniso elibaluleke kakhulu, elalahleka ngeminyaka yobumnyama.  Kuwumfanekiso wokufa esonweni, nokuphila noNkulunkulu.**



123

**KwabaseRoma 6:3, 4
Kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhabhadiselwa kuKristu Jesu, sabhabhadiselwa kukho ukufa kwaKhe na?**




124

**Ngakho sembelwa naYe ngokubhabhadiselwa kukho ukufa**




125

**ukuba njengalokho uKristu wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha.
KwabaseRoma 6:3, 4.**




126

**Futhi ukuze sibhabhadiswe njengoJesu,**



127

**masifunde kuYena,**



128

**sivume izono zethu,**

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



129

samukele uJesu njengoMsindisi wethu.
Amaningi ama Anabaptist abulawa ngoba ayekholwa ukuthi kufanele ahambe ezinyathelweni zikaJesu, abhabhadiswe njengoba naYe wabhabhadiswa.


130

Kulesiqalo esincane, kwahluma ibandla lamaBaptisi.



131

Mathewu 28:18, 19
UJesu wasondela, wakhuluma kubo, wathi: Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni.



132

Hambani nenze izizwe zonke abafundi,



133

nibabhabhadise egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele.
Mathewu 28:18, 19.


134

UJesu wanikeza umyalo ebandleni laKhe ukuba lihambe lifundise, libhabhadise, lenze abafundi. AmaBaptisi ayelandela futhi efeza lowomyalo, njengoba nathi senza namuhla!


135

Niyabona, labavuseleli ngabanye, babethola amaqiniso ayekade elahlekile ngeminyaka yobumnyama. Njengoba babewathola lamaqiniso, abalandeli babo bahlangana ndawonye benza lokho ekuhambeni kwesikhathi okwabizwa ngokuthi amabandla amaProtestandi, njengeLuthela, amaPresbyterians namaBaptisi.


# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho


136

**Ekugcineni, eNgilandi, indoda engu John Wesley yaqala ukufundisisa iBhayibheli layo.**


137

**Umfowabo, uCharles, wabhala amaculo amnandi ngoJesu ngoba wayekholwa ukuthi kufanele kuculwe ezinkonzweni.**
**Futhi bathola ukuthi kwakungagcini ngokwamukela isipho sesihle sosindiso, ukulalela uNkulunkulu, nokubhabhadiswa ukhule emseni, kodwa kwakudingeka nobungcwele futhi, ngokwezwi likaNkulunkulu.**
**UJohn Wesley wayengumvuseleli onamandla, okwathi ekufeni kwakhe, abalandeli bakhe bathatha imfundiso yakhe nezabanye abavuseleli, baqamba ibandla lamaWeseli.**



138


**Ezindaweni ezehlukene zomhlaba njengaseNingizimu Melika, eYurophu naseNyakatho Melika, abantu baqala ukufunda ngokubuya kukaJesu.**


139

**Indoda engu William Miller waseNyakatho neMelika, wafunda ngezithembiso zikaJesu kuJohane 14.**
**Futhi wafunda ngeziprofetho zikaDaniyeli neSambulo, wathola ukuthi uJesu uzobuya masinyane.**


140

**Ngokunjalo-ke, ukuthathela kulokho**



141

**okwafundiswa amaWaldensian ngeBhayibheli,**

22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



142

uHuss ngokulalela,




143

uLuther ngomusa,




144

uCalvin, ngokungcweliswa noma ukukhula,



145

ama-Anabaptist ngombhabhadiso,



146

noWesley ngobungcwele, uMiller wenezela kulokhu enye imfundiso ebalulekile:  ukusondela kokuza kwesibili kukaKristu.


147


Ngemuva kokufa kukaMiller, waqhubeka umkhankaso wokulindela ukubuya kukaJesu.
Izihlobo zakhe nazo zathola ukuthi uma umuntu efa, ulalela kuJesu, elindele uvuko.
Njengoba lifundisa ngokusobala iBhayibheli, siyolala kuze kube yisikhathi sovuko lapho siyobizwa ukuba siphume emangcwabeni.
Yeka lolosuku lwenkazimulo, lapho siyohlangana nezihlobo zethu esizithandayo!



148


AmaAdventist athola lokhu eBhayibhelini:

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho




149

1. Ukufa kungukulala.




150

2. UJesu uyeza masinyane.




151

3. Uyovusa abafileyo ngesikhathi sovuko.



152

1 KwabaseThesalonika 4:16.
Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbo lengelosi enkulu nangecilongo likaNkulunkulu. Nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala.
1 KwabaseThesalonika 4:16.



153

Johane 14:15
Ngemuva kwesikhathi sikaWilliam Miller, labo abakholwa ekubuyeni kukaKristu babuye bathola amazwi kaJesu abhalwe kuJohane 14:15:
Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yaMi.
Niyabona, sonke sifanele ukuba nobudlelwane bothando noJesu.
Ngoba siyamthanda, sifuna ukugcina yonke imiyalo yaKhe.
Kungesiyo ethile, kodwa yonke.



154

Mathewu 15:9
Qaphela okwashiwo uJesu kuMathewu 15:9: Kodwa bangikhonza ngeze, befundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu.
Kuyiqiniso kangakanani namuhla lokho.
Abantu bafundisa okwabo.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



155

Akubalulekile ukuthi umuntu uthini.
Okubalulekile okushiwo uNkulunkulu.




156

Uma sekufikwa odabeni lokukhonza, sifanele ukukhonza uNkulunkulu ngosuku lweSabatha asikhethele lona.
Luwusuku olukhethekile asiphe lona.
Njengoba lamaqiniso akhethekile ayetholakala kabusha eBhayibhelini, abantu ababewafunda, bahlangena benza ibandla lamaSeventh-day Adventist.
UIsaya 58:13 no 14, waprofetha ukuthi kuyakuba khona umyakazo wokuvala izikhala ezazivuliwe emthethweni kaNkulunkulu. Lendimana ikhuluma ngalolusuku olukhethekile:




157

Isaya 58:13, 14
Uma ulubuyisa unyawo lwakho kulo iSabatha, ukuze ungenzi umsebenzi wakho ngosuku lwaMi olungcwele,



158

ulibize iSabatha ngokuthi intokozo, nolungcwele lukaJehova ngokuthi lunodumo, uludumise,



159

ungahambi ngezindlela zakho, ungawuqhubi umsebenzi wakho, ukhulume ize,



160


khona uyakuzijabulisa kuJehova;

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho




161

ngikukhweze ezindaweni eziphakemeyo zomhlaba,




162

ngikuphe ukuba ulidle ifa likaJakobe uyihlo.
Ngokuba umlomo kaJehova ukukhulumile.


163

INkosi isitshela ngokusobala ukuthi masingenzi msebenzi ngalolosuku.
Singaqhubi amabhizinisi ngalo.
Singazifuneli eyethu injabulo ngalolosuku.


164

Usuku olungcwele.
Uma sibeka uNkulunkulu kuqala ngeSabatha, lokho kuzoletha injabulo.
ISabatha liyathokozisa.
Akasusi lutho kithina uNkulunkulu - usinika isibusiso esikhethekile. Kufana neholide elikhokhelwayo.
Uthi uzosikhweza ezindaweni eziphakemeyo zomhlaba.
Yika leso sibusiso azosinika sona uma sibeka Yena phambili empilweni yethu - uma simlandela futhi sigcina iSabatha laKhe ngcwele njengoba esho.



165

Ngalo lonke iqiniso uNkulunkulu asifundise lona eBhayibhelini,
USathane uqhamuke nokuyinkohliso - okwamanga.


166

UNkulunkulul uthi uma sifa, silala emangcwabeni.
Inkohliso kaSathane ithi siya ezulwini noma esihogweni kungenjalo, esihlanzweni uma sifa.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho




167

**UNkulunkulu uthi kubhabhadiswa ngokucwilisa.
USathane uthi kulungile ukufafaza.
UNkulunkulu wasinika iqiniso ngezempilo.
USathane uthi imithetho yempilo yaqedwa.
Ngalo lonke iqiniso, kukhona
iqiniso-mbumbulu.
Leyonto yenza isiphithiphithi.**




168

**Isambulo 18:2
Incwadi yeSambulo ikhuluma ngalokho: Yamemeza ngezwi elinamandla, yathi: Liwile, liwile iBabiloni elikhulu,**





169

**selibe yindawo yokuhlala amademoni, nendawo yokubopha zonke izinyoni ezingcolileyo nezizondekayo,
Isambulo 18:2.
IBabiloni ngokwesiprofetho, lisho isiphithiphithi kwezenkolo.
Qaphela okunye ukunxusa okwenziwayo lapha.**




170

**Ngase ngizwa elinye izwi livela ezulwini, lithi: Phumani kulo, bantu baMi,**




171

**ukuze ningahlanganyeli nalo izono zalo, nokuba ningamukeli okwezinhlupho zalo.
Isambulo 18:4**



172

**UNkulunkulu ubiza abantwana baKhe ukuba baphume esiphithiphithini, ukuze bangabi nesabelo ezonweni zalo.
Zihlobo, uJesu uyakubiza manje.
Manje kuyisikhathi sokusukumela uJesu!**

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



173

Izenzo 2:47.
Qaphela iZwi likaNkulunkulu: Bemdumisa uNkulunkulu, bethandeka kubantu bonke. INkosi yenezela ebandleni imihla ngemihla abasindiswayo.
Izenzo 2:47.




174

1 KwabaseKorinte 12:13
Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhabhadiswa sibe mzimba munye, noma singaJuda noma singamaGreki, noma siyizigqila noma singabakhululekileyo -




175

thina sonke saphuziswa Moya munye.
1 KwabaseKorinte 12:13.



176

1 KwabaseKorinte 1:18
Ngokuba izwi lesiphambano kwababhubhayo lingubuwula,



177

kepha kithina esisindiswayo lingamandla kaNkulunkulu.
1 KwabaseKorinte 1:18.

# 22 - Kwaze Kwakuningi Okukhethwa Kukho



178

**Njengoba sifundile kusihlwa-nje, kusobala ukuthi uJesu, ngempilo yaKhe nezifundiso, wembula iqiniso ayefuna abalandeli baKhe balazi futhi balenze.**
**Sithole ukuthi uSathane walwa neqiniso kanye nebandla likaKristu, elihlukumeza, efaka inkohlakalo, namanga, edunga iqiniso uKristu ayelinike abantu baKhe.**
**Sibonile ekufundeni kwethu iBhayibheli nomlando ukuthi uKristu uholela abantu baKhe eqinisweni ayelinike ibandla ekuqaleni.**
**Ubiza abantu ukuba baphume esiphithiphithini sezenkolo beze eqinisweni laKhe.**
**Ubungethande yini ukuthi khona manje, usabele uma ingelosi ithi: ...phumani kulo bantu baMi!**
**Awufuni yini khona manje, ukuba yinxenye yebandla likaNkulunkulu "eligcina imiyalo yaKhe nokukholwa kuJesu" na?**

**Sibizwa ukuba siphume eBabiloni ukuze senze okufaneleyo.**
**Uyamthanda uJesu wakho?**
**Uyabuya masinyane ukusithatha siye ekhaya lasezulwini asilungisela lona manje.**
**Awuthandi yini ukumlandela yonke indlela na?**

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



1

Indlela Yokuphepha Izinhlupho Eziyisikhombisa Ezizayo


2

KwakuseGibhithe, izwe elaliphucuzeke kunawo wonke ngalezozikhathi. Unyaka kwaku ngu 1445 B.C. Iminyaka engu 215, abakwa Israyeli babehlala khona - ikhulu leminyaka lokugcina, beyizigqila. OFaro ababenomusa, futhi bazi uJosefa bemthanda, babengasekho, sebafa.




3

Ababusi abasha babona isizwe sakwaIsrayeli esasikhula ngamandla, njengengozi, besaba ukuthi uma elaseGibhithe lingahlaselwa yizitha, amaIsrayeli angaba sohlangothini lwezitha. Kanjalo amaIsrayeli enziwa izigqila, aphoqwa ukwenza imisebenzi enzima.



4

Eksodusi 1:12
Kodwa iBhayibheli lithi: Kepha ngokubahlupa,




5

kwayikhona banda, basabalala. Eksodusi 1:12.



6

Eksodusi 2:23, 24
...Abantwana bakwaIsrayeli babubula ngenxa yobugqila,



7

bakhala; ukukhala kwabo kwenyukela kuNkulunkulu ngenxa yobugqila babo.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



8

UNkulunkulu wezwa ukububula kwabo;  uNkulunkulu wakhumbula isivumelwano saKhe noAbrahama, noIsaka, noJakobe.  Eksodusi 2:23, 24.


9

Kwase kuyiminyaka engu 400 uNkulunkulu enza isivumelwano noAbrahama maqondana nezizukulwane zakhe nokukhululwa kwazo.  Manje, lwaselufikile lolosuku ekugcineni.  UNkulunkulu wayekulungele lokho, nomkhululi wayesekulungele!



10

Bahlangana - uNkulunkulu noMose.  Kungesikhona esigodlweni, kungesikhona phansi kwesithunzi sesakhiwo sephiramidi, kodwa ehlane lakwaMidiyane, ngasesihlahleni esivuthayo.



11

Eksodusi 3:7 - 8
Wayesethi uJehova:  Ngibonile nokubona ukuhlupheka kwabantu baMi abaseGibhithe,




12

ngizwile ukukhala kwabo ngenxa yabacindezeli babo, ngokuba ngiyazazi izinsizi zabo.




13

Ngehle ukuba ngibophule esandleni sabaseGibhithe...
Eksodusi 3:7, 8.
Ekhuluma noMose, uNkulunkulu wathi:



14

Eksodusi 3:10
Ngakho hamba, ngiyakukuthuma kuFaro



15

ukuba ukhiphe eGibhithe abantu baMi, abantwana bakwaIsrayeli.  Eksodusi 3:10.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo


16

Kwase kuyiminyaka engamashumi amane uMose ashiya isigodlo saseGibhithe. Iminyaka engamashumi amane engasalukhulumi ulimi lwabaseGibhithe! Eqinisweni, sonke leso sikhathi, wayelusa izimvu ehlane. Kwakungasekho lokhuya kuzethemba ayekade enakho eseyiNkosana yaseGibhithe. Lithi iBhayibheli:



17

Izenzo 7:22
UMose wafundiswa ukuhlakanipha konke kwabaseGibhithe; waba namandla ngamazwi nangemisebenzi yakhe. Izenzo 7:22


18

Kodwa ehlane, uMose wafunda okungaphezu kokuzithoba. Ngokwelusa izimvu, wafunda ukubekezela nobumnene. UNkulunkulu wabona ukuthi uMose manje usekulungele ukukhulula uIsrayeli, abe njengobaba ebantwini baKhe. Ngokuzithoba, uMose walalela umyalo kaNkulunkulu, wakwamukela lokho okwakubonakala ngaleso sikhathi sengathi into engasoze yenzeka.


19

Ukusiza uMose ekwenzeni lomsebenzi ongaka, uNkulunkulu wayala uAroni, umnewabo kaMose (owayeyisigqila eGibhithe) ukuba ahambe ahlangabeze uMose. U Aroni wayengeke agcine ngokwesekela uMose, kodwa uNkulunkulu wamkhetha ukuba abe yisikhulumi sikaMose njengoba uMose wayekade engasalukhulumi ulimi waseGibhithe iminyaka emininingi kangako.


20

Izelamani zangena esigodlweni sikaFaro, zisho ukuthi zithunywe uNkulunkulu. Zakhuluma ngegama laKhe, zalanda ngamandla aKhe amakhulu. UFaro, ekuziphakamiseni kwakhe, wakubona kuyinto engejwayelekile lena. Phambi kwakhe kumi lezi zelamani, esinye kungumalusi owedelelekile wakwaMidiyane, ephethe nodondolo lomalusi, omunye yisigqila somHeberu. Bobabili babememezela amandla amakhulu kaNkulunkulu abamkhonzayo.
Kuthe lapho uAroni esho ukuthi baphethe isigijimi esivela kuJehova ukuba uFaro akhulule uIsrayeli, uFaro, wacunuka, wathi:

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



21

Eksodusi 5:2...Ngubani uJehova ukuba ngilalele izwi laKhe, ngimyeke uIsrayeli ukuba ahambe na?



22

Angimazi uJehova, futhi angiyikumvumela uIsrayeli ukuba ahambe. Eksodusi 5:2.
Njengoba wayenezinkulungwane zezigqila ezimsebenzela mahala, uFaro wayengazimisele ukulahlekelwa yizo. Isicelo sikaAroni saba nengwijikhwebu. Inkosi yenezela umsebenzi phezu kwabakwaIsrayeli.


23

Kodwa masinyane uNkulunkulu wayezokwenza loFaro oziqhenyayo azi ukuthi ubani uJehova amtshengese namandla aKhe. UFaro wexwayiswa nguMose noAroni ukuthi uNkulunkulu uzothumela izinhlupho zilandelana ezweni laseGibhithe kuze kukhululwe abantwana baKhe ebugqilini. Isigijimi sikaNkulunkulu kuFaro sathi:



24

Eksodusi 7:17.
Ngalokhu uyokwazi ukuthi ngingu Jehova...Eksodusi 7:17.


25

Kungekudala, zaqala izinhlupho. Zaba yishumi! Ngaphambi kohlupho ngalunye, uMose noAroni bamexwayisa uFaro ngokwakuzokuza, bethemba ukuthi uzokhetha ukukhulula abakwaIsrayeli, kanjalo azisindise yena nesizwe sakhe ekuhluphekeni. Kodwa uFaro waphikelela ekuqiniseni ikhanda. Ngaleyondlela izinhlupho zawela ezweni laseGibhithe njengoba wayeshilo uNkulunkulu.



26

(Video: 9 sec) Olokuqala, umfula iNayile, eyayikhonzwa abaseGibhithe njengesinye sezithixo zabo, yaphenduka igazi ngesikhathi uAroni eshaya amanzi ngodondolo. Izinhlanzi zafa, nawo wonke amanzi eGibhithe abayigazi izinsuku eziyisikhombisa. Kodwa uFaro akavumanga ukukhulula uIsrayeli!

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



27

Kwalandela uhlupho lwamaselesele agcwala izwe. Izigidi zawo - ekudleni, emibhedeni, yonke indawo! Kodwa lenkosi enenkani ayivumanga ukudedela uIsrayeli aphume.



28

Kwalandela uhlupho lwezintwala. Lutho, uFaro ukudedela uIsrayeli.
Qaphela ukuthi izinhlupho ezintathu zokuqala zawela phezu kwamaHeberu nabaseGibhithe ngokufanayo; kodwa eziyisikhombisa zokugcina, zawela kwabaseGibhithe kuphela.




29

Eksodusi 8:22 - 23
Ngalolosuku ngiyakwahlukanisa izwe laseGosheni abakhe kulo abantu baMi ukuba kungabikho izibawu khona,



30

ukuze wazi ukuthi nginguJehova phakathi kwezwe.



31

Ngizakwahlukanisa abantu baMi nabantu bakho; ngomuso siyakuvela lesisibonakaliso. Eksodusi 8:22, 23


32

Kwalandela uhlupho lwezimpukane ezagcwala indlu kaFaro.


33

Emuva kwezimpukane, kwavela isifo esibi ezweni, sabulala izilwane emasimini. Ngalesikhathi, uFaro wayenemibuzo. Ngabe nezilwane zamaHeberu zafa: noma zavikeleka njengoba uMose wayeshilo?

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo




34

**Eksodusi 9:7**
**UFaro wathumela; bheka, emfuyweni yakwaIsrayeli akufanga neyodwa.**



35

**Kepha inhliziyo kaFaro yayilukhuni, kabavumelanga abantu ukuba bahambe. Eksodusi 9:7**



36

**Uhlupho lwesithupha kwakungamathumba ebantwini nasezilwaneni, kodwa noma kunjalo, usonkanise wenkosi, akavumanga ukukhulula abantwana bakwaIsrayeli.**


37

**Isiprofetho esalandela sakhuluma ngohlupho lwesichotho.**



38

**(Video: 8 sec) UNkulunkulu wethembisa ukuthi bonke abazikhoselisayo bona nemfuyo yabo abayikufa. Lezindaba zahamba ngesivinini ezweni lonke, nempela, abaningi baseGibhithe bazikhoselisa bona nemfuyo yabo. Safika isichotho, sihambisana nombane nokuduma kwezulu. Bonke ababengakulungele lokho, bafa!**



39

**(Video: 18 sec) AbaseGibhithe babona ngokusobala ukuthi umhlaba ubuswa uNkulunkulu ophilayo, nokuthi ukuphepha kwabo kusekulaleleni Yena. Imizuzwana emibalwa, uFaro wake wacabanga ukulalela uNkulunkulu, akhulule uIsrayeli, kodwa kwathi lapho siphela isichotho, waphela nalowo mqondo omuhle.**

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



40

(Video: 19 sec) UMose wexwayisa uFaro ukuthi uma engavumi ukukhulula abantwana bakaIsrayeli, okulandelayo kuyokuba yisikhonyane. Izinduna zikaFaro zethuswa ukuthi kusazolandela olunye uhlupho, zamncenga ukuba azikhulule izigqila, kodwa inkosi yenqaba futhi. Safika isikhonyane njengoba bekushiwo.


41

Kwase kufika izinsuku ezintathu zobumnyama. Kwabamnyama sengathi buyaphatheka ubumnyama, kodwa uFaro waqhubeka nokwedelela uNkulunkulu wasezulwini.



42

UMose wayesesho ukuthi kusazofika olunye uhlupho phezu kwabaseGibhithe - olokugcina, okungafanele luthathwe kalula. Ingelosi ebhubhisayo yayizodlula ezweni phakathi nobusuku, ibulale onke amazibulo aseGibhithe - abantu nezilwane.




43

(Video: 15 sec) Futhi, amaHeberu ayengeke athinteke. Kodwa ngalesikhathi kwakungenele ukuba ngumHeberu noma ukuthi uhlale eGosheni. Ukuze ugweme ukufa, umndeni ngamunye wayalwa ukuba uhlinze iwundlu, uchele igazi lalo ezinsikeni zeminyango njengophawu lokukholwa nokwethembeka kuNkulunkulu. UNkulunkulu wethembisa ukuthi:



44

Eksodusi 12:13
...Nanxa ngibona igazi, ngiyakudlula kini,



45

ningehlelwa yisifo sokunibhubhisa, lapho ngibulala izwe laseGibhithe. Eksodusi 12:13.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo


46

Kwaku umbono othathekisayo lowo ngalobo busuku! Izinkulungwane zemindeni yamaHeberu kanye nemininingi yabaseGibhithe, bemi eminyango bebuka obaba bephethe izitsha ezinegazi esandleni, kwesinye isandla, kuyihisophi yokuchela igazi ezinsikeni zomnyango. Umuntu angazicabangela ukuthi izibukeli ezazikhathazeke kunabo bonke ngalobo busuku, kwakungabantwana bokuqala - amazibulo



47

Eksodusi 12 29
Kwathi phakathi kwamabili uJehova wabulala onke amazibulo ezweni laseGibithe,



48

kusukela kulo izibulo likaFaro owayehlala esihlalweni sakhe sobukhosi kuze kube kulo izibulo lesiboshwa esasisetilongweni;



49

kanye namazibulo onke ezinkomo. Eksodusi 12:29.


50

Kodwa akukho nelilodwa ikhaya okwakuchelwe kulo igazi njengokusho kukaNkulunkulu, elathintwa yisifo.


51

Kuwo wonke umbuso obanzi waseGibhithe, kwezwakala izikhalo. UFaro eqhaqhazela, wakhumbula ukuthi wayehlekise ngoNkulunkulu wamaHeberu wathi:

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



52

**Eksodusi 5:2**
**...Ngubani uJehova ukuba ngilalele izwi laKhe, ngimyeke uIsrayeli ukuba ahambe na? Eksodusi 5:2. Manje wayesemazi. Ngokuzithoba, uFaro nezinduna zakhe babiza uMose noAroni, babanxusa ukuba bahlanganise amaIsrayeli, baphume baphele ezweni lase Gibhithe ngokushesha. Babesaba ukuthi kungase kuvele esinye isigameko sokufa futhi.**



53

**Phakathi kwamabili, abantwana bakaNkulunkulu, labo ababemkhethe njengoMkhululi wabo, bakhululwa. Futhi, njengoba wayeshilo uNkulunkulu, babesilungisele lesosikhathi. Begqoke izicathulo zabo, bembethe amajazi, babekulungele ukuphuma eGibhithe. Babelibangise ezweni lesithembiso!**


54

**Ungathi: Yebo, ngiyayizwa leyondaba, kodwa ibaluleke ngani kithina esiphila kuleminyaka na? Ingabonakala sengathi ayibalulekile, kodwa akunjalo. Empeleni, ibaluleke ngokungenakulinganiswa.**


55

**Niyabona, eTestamenteni eliSha, sithola iziprofetho ezimangalisa kakhulu, eziphethe imininingwane ngezigameko eziyokwenzeka ngezinsuku zokugcina zomhlaba. Leziprofetho zikubeka kucace ukuthi kusazophinda kwehle izinhlupho - kodwa umonakalo walezo uyoba mkhulu ukwedlula ezaseGibhithe.**


56

**Yebo, ngokwesiprofetho seBhayibheli, umlando uzoziphinda. Zizobe zingelona ishumi, kodwa isikhombisa. Ziyophela ngokukhululwa kwabantwana bakaNkulunkulu, bengakhululwa eGibhithe, kodwa kulomhlaba owahlubukayo.**


57

**Kodwa njengoba abantwana bakwa Israyeli bake badlula ekuhluphekeni ngaphambi kokukhululwa kwabo eGibhithe, babona nezinhlupho ziwela phezu kwabaseGibhithe,**

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo


58

kanjalo abantwana bakaNkulunkulu bayobona ukuthululwa kwezinhlupho eziyisikhombisa phezu kwababi engakabuyi uKristu.
Umprofethi uDaniyeli usichaza ngalendlela lesosikhathi sokuhlupheka:



59

Daniyeli 12:1
Ngalesosikhathi uMikayeli uyakuvela, isikhulu esiqhamileyo esimela abantwana babantu bakho;



60

kuyakuba yisikhathi sokuhlupheka esingazange sibekhona kusukela ekuveleni kwabantu kuze kube yilesosikhathi;



61

ngalesosikhathi abantu bakho bayakukhululwa, bonke abafunyanwa belotshwe encwadini.  Daniyeli 12:1.


62

I”vangeli laphakade” liyobe selishunyayelwe emhlabeni wonke.  Ubizo lwengelosi yesibili oluthi “phumani eBabiloni” noma izinkolo zamanga, luyobe selumenyezelwe.  Kubo bonke abantu, ingelosi yesithathu iphinde ithi:



63

Isambulo 14:9 - 10
...Uma kukhona okhuleka kuso isilo nomfanekiso waso, elwamukela futhi uphawu ebunzini lakhe noma esandleni sakhe,



64

naye uyakuliphuza iwayini lolaka lukaNkulunkulu...Isambulo 14:9, 10.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



65

Lesi yisixwayiso esishube kunazo zonke ezake zanikwa abantu eBhayibhelini. Kodwa akukho muntu oyobekwa uphawu lwesilo noma "aphuze iwayini lolaka lukaNkulunkulu" ngaphambi kokuba ingqikithi yokukhonza ibekwe ngokusobala kubo bonke abantu, bakhethe phakathi kwemiyalo kaNkulunkulu noma imiyalo yabantu.


66

Kodwa uma lokho sekwenzekile, umnyango womusa uyovalwa okwaphakade ebantwini.



67

Nesimemezelo esibuhlungu siyokwenziwa esithi: Ongalungile makenze njalo okungalungile; nongcolileyo makazingcolise njalo;



68

kepha olungileyo makenze njalo ukulunga, nongcwele makazingcwelise njalo. Isambulo 22:11.


69

Umsebenzi kaKristu njengomPristi Omkhulu wethu ezulwini sewufeziwe. Izinqumo ngawo onke amacala sezithathiwe: abanye baya ekuphileni okuphakade, abanye ekulahlweni kwaphakade. Umnyango womusa kaNkulunkulu usuvaliwe!


70

Lalela sihlobo, uNkulunkulu ngeke asuse abantu baKhe zingakadluli izinhlupho. Bayobe bekhona la, emhlabeni kuze kuphele konke! Bayobe bevikelwe ngesikhathi sezinhlupho, njengoba kwakunjalo kubantwana bakwaIsrayeli, kodwa ngeke bangabi nokuhlupheka nobunzima. Kuyokuba yisikhathi sokuhlupheka kubo bonke abantu.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo




71

Sihlobo, noma kungazanywa kanjani ukuchaza okuyokwenzeka ngaleso sikhathi, amazwi awakwazi ukuchaza isimo esiyobe sikhona, lapho ababi sebephuza indebe yolaka lukaNkulunkulu lungaxutshiwe nomusa.
UJohane wanikwa umbono walesikhathi esesabekayo esiyofika ngaphambi kokubuya kukaJesu nokukhululwa kwabantu baKhe.




72

Isambulo 15:1
Ngase ngibona esinye isibonakaliso ezulwini esikhulu nesimangalisayo:





73

izingelosi eziyisikhombisa zinezinhlupho eziyisikhombisa zokugcina, ngokuba kwapheleliswa ngazo ulaka lukaNkulunkulu. Isambulo 15:1.
Futhi uJohane wabhala wathi:





74

Isambulo 16:1
Ngase ngizwa izwi elikhulu livela ethempelini, lithi kuzo izingelosi eziyisikhombisa, Hambani





75

nithululele emhlabeni izitsha eziyisikhombisa zolaka lukaNkulunkulu. Isambulo 16:1.




76

Ungabuza ukuthi ziyini lezinhlupho ezesabeka kangaka ezizothululwa yizingelosi eziyisikhombisa kwababi na? Umbuzo omuhle lowo. Njengoba sifunda ngezinhlupho, uzoqaphela ukufana okumangalisayo nalezo ezawela eGibhithe. Ake sifunde ukuthi uJohane uthini ngengelosi yokuqala:




77

Isambulo 16:2
Eyokuqala yaya-ke, yathululela isitsha sayo emhlabeni

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo





78

**Kwase kuvela isilonda esibi esinobuhlungu kubantu abanophawu lwesilo**



79

**nabakhuleka kumfanekiso waso.**
**Isambulo 16:2.**


80

**Mhlawumbe lezo zilonda ziyobe zifana nalawaya mathumba afikela abaseGibhithe ngohlupho lwesikhombisa.  Noma mhlawumbe ayofana nalawo ayekuJobe.**


81

**Cabanga ngomthelela wohlupho olunje!  Izikole ziyovalwa.**


82

**Amafektri avalwe.  Izitolo ngeke zivulwe.**


83

**Izibhedlela ziyochichima ngabantu abadinga usizo oluphuthumayo, kodwa odokotela nabahlengikazi abaningi, nabo bayobe besosizini olufanayo.**
**Kuthi kusenjalo, abantu besaphethwe amathumba, kuvele olunye uhlupho!**



84

**Isambulo 16:3.**
**Neyesibili yathululela isitsha sayo elwandle;  lwase luba yigazi elinjengelofileyo, nakho konke okuzwayo okuphila elwandle kwafa.  Isambulo 16:3.**

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo


85

Yeka lowombono. Yeka lelophunga, lapho izilwane zasolwandle zikhukhulekela ogwini sezifile. Abangcebeleka olwandle bayokweqana, bephuthuma ukuphuma olwandle. Kanti olwesithathu uhlupho lunokuxhumana nolwesibili.



86

Isambulo 16:4.
Neyesithathu yathululela isitsha sayo emifuleni nasemithonjeni yamanzi, kwase kuba yigazi. Isambulo 16:4.



87

Ake ucabange-nje! Umuntu uvula umpompi ukuze athole amanzi, kodwa esikhundleni samanzi, kuphuma igazi! Ikhona into engashaqisa ukwedlula leyo? Kodwa, noma zizimbi futhi zethusa ngalendlela izinhlupho zokugcina eziyisikhombisa, uNkulunkulu uyobonakala ukuthi ulungile. Ingelosi ithi:



88

Isambulo 16:5 - 6
...Ulungile Wena okhona nowawukhona, oNgcwele, ngokuba wakunquma lokho,



89

Ngokuba bachitha igazi labangcwele nelabaprofethi,



90

wabanika ukuba baliphuze igazi...
Isambulo 16:5, 6.
Ngelesikhathi ababi bebulawa ukoma, bengenalutho lokuphuza, kuyigazi kuphela, kukhona isithembiso kulowo ohamba ngokulunga:



91


Isaya 33:16
...aphiwe isinkwa sakhe, amanzi akhe athembeke. Isaya 33:16.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



92

(Isambulo 16:8 - 9) IBhayibheli liqhubeka lithi eyesine ingelosi yathulula isitsha sayo:  Eyesine yayisithululela isitsha sayo elangeni;  lase linikwa ukubashisa abantu ngomlilo.



93

Abantu bashiswa ngokushisa okukhulu, kepha bahlambalaza igama likaNkulunkulu onamandla phezu kwalezizinhlupho,



94

kodwa abaphendukanga ukuba bamdumise.  Isambulo 16:8, 9.
Neyesihlanu yathululela isitsha sayo esihlalweni sobukhosi sesilo.



95

(Isambulo 16:10 - 11) Eyesihlanu yathululela isitsha sayo esihlalweni sobukhosi sesilo;  nombuso waso wenziwa mnyama;



96

baluma izilimi zabo ngenxa yobuhlungu babo,



97

Futhi bahlambalaza uNkulunkulu ngenxa yobuhlungu babo nangenxa yezilonda zabo,



98

kepha abaphendukanga emisebenzini yabo.  Isambulo 16:10, 11.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



99

**Kulezindimana sithola ukuthi lezinhlupho aziyikusabalala emhlabeni wonke, futhi aziyikubulala ngaso lesosikhathi, ngoba sithola ukuthi labo abaphansi kohlupho lwesihlanu bayobe besaphethwe yiminjunju yohlupho lokuqala. Ngokusobala, izinhlupho ziyokuwa ngokulandelana kungekona ukuthi ziyokuwa kanyekanye, njengoba sibona ukuthi umphumela wolunye uhlupho uyozwakala nangesikhathi solunye. Uhlupho lwesithupha kuyokube kuyimpi enkulu yokugcina, iHarmagedoni.**



100

**Isambulo 16:12 - 14**
**Eyesithupha yathululela isitsha sayo emfuleni omkhulu uEwufrathe;**



101

**kwase kusha amanzi awo, ukuze indlela ilungiselwe amakhosi avela empumalanga.**




102

**Ngabona kuphuma emlonyeni kadrako, nasemlonyeni wesilo, nasemlonyeni womprofethi wamanga**




103

**omoya abathathu abangcolileyo befana nezingxangxa,**



104

**Ngokuba bangomoya bamademoni, benza izibonakaliso,**



105

**abaphuma beya emakhosini ezwe lonke**

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



106

**ukubahlanganisela ekulweni kosuku olukhulu lukaNkulunkulu uMninimandla onke.  Isambulo 16:12 - 14.**
**Kanti iSambulo 16:16 sithi:**



107

**(Isambulo 16:16) Wayesebahlanganisela endaweni ethiwa ngesiHeberu iHarmagedoni.  Umhlaba wonke uzokuba nesabelo kulempi yokugcina.**
**UJohane wathi:**



108

**Isambulo 19:11, 14 - 15**
**Ngase ngibona izulu livulekile; bheka, nanto ihashi elimhlophe.**



109

**nohlezi phezu kwalo obizwa ngokuthi oThembekileyo noQinisileyo, uyahlulela, alwe ngokulunga.**




110

**Izimpi zasezulwini zamlandela zikhwele amahashi amhlophe, zembethe ilineni elicolekileyo, elimhlophe nelihlanzekileyo.**



111

**Emlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali, ukuze ashaye izizwe ngayo;**



112

**...Yena uqobo uyanyathela isikhamo sewayini lentukuthelo yolaka lukaNkulunkulu uMninimandla onke.  Isambulo 19:11, 14, 15.**



113

**Isambulo 16:17 - 18, 20 - 21**
**Eyesikhombisa yayisithululela isitsha sayo emoyeni; kwase kuphuma izwi elikhulu ethempelini**

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo



114

esihlalweni sobukhosi, lithi:  Sekwenzekile.



115

Kwase kuba khona imibane, namazwi, nokuduma, kwabakhona nokuzamazama okukhulu komhlaba ...



116

Iziqhingi zonke zabaleka, nezintaba azifunyaniswanga.



117

Isichotho esikhulu esisinda njengetalenta sivela ezulwini sehlela phezu kwabantu:



118


abantu bamhlambalaza uNkulunkulu ngenxa yohlupho lwesichotho, ngokuba uhlupho lwaso lulukhulu kakhulu. Isambulo 16:17 - 18, 20 - 21.


119

Abaziyo bathi isisindo sethalente singalingana namakhilogram angu 26 (amaphawondi angu 57).


120

Kodwa iBhayibheli lithi iNkosi uqobo iyoyiqeda impi, lapho iza igibele ihashi ihambisana namabutho asezulwini, ukuzokhulula abantu baYo kulomhlaba wesono.


121

Ungahle uthi:  Ngingaqiniseka kanjani ngokuvikelwa uNkulunkulu ngesikhathi sezinhlupho na?  Kukhona indlela eyodwa kuphela.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo


122

Uyabona, abantu abakhululwa ezinhluphweni zaseGibhithe babebonakalise ukukholwa kwabo kuNkulunkulu njengoMkhululi wabo ngokuthi bafafaze igazi lewundlu ezinsikeni zeminyango yabo. Kuthe lapho ingelosi ebhubhisayo idlula phezu kwamakhaya abo, baphepha. Babelandele iziyalo zikaNkulunkulu, benza amalungiselelo afanele.


123

Futhi, abantwana bakaNkulunkulu bayosinda uma sekwehla izinhlupho ngoba bayobe bamukele iWundlu likaNkulunkulu njengomhlatshelo wabo, bavumela igazi lalo ukuba libahlanze esonweni.


124

Ngendlela esiphila ngayo, siyakhetha khona namuhla ukuthi siyokuba ngakuluphi uhlangothi - olukaNkulunkulu noma olwaleyo ngelosi eyahlubukayo. Mngane, uma izingelosi ezibhubhisayo seziqala umsebenzi wazo, kuyobe sekungasekho isikhathi sokushiya uhlangothi okulona uye kolunye! Umnyango womusa uyobe usuvalwe unomphelo. Zibeke ohlangothini lukaNkulunkulu, uvikelwe yigazi likaJesu khona manje. Amazwi abuhlungu kunawo wonke ake akhulunywa atholakala kuJeremiya 8:20




125

Jeremiya 8:20
Ukuvuna kudlulile, ihlobo liphelile, kepha thina asisindiswanga.


126

Kukhona indaba ngomsebenzi wasemahlathini eAustralia, owazakhela indlu encanyana eduze nehlathi. Kwakungeyona indlu engakanani, kodwa kuyena, kwakuyikhaya. Ngelinye ilanga lendoda ivela emsebenzini,


127

yashaqeka ukuthola indlu yayo sekuyinqwaba yomlotha oshunqayo. Kwakusele kuphele izingodo ezishile, nezinsimbi, nazo esezimyama ngenxa yomlilo. Yaya kobheka lapho kwakukade kukhona indlu yezinkukhu.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo


128

Yathola inqwaba yomlotha kanye nocingo olushile. Isadidekile njalo, yahamba-hamba phakathi kwalowo monakalo. Yabheka phansi ezinyaweni zayo, iso layo lakhangwa yinto engejwayelekile - inqwaba yezimpaphe ezihangulwe umlilo. Wayikhahlela lenqwaba. Nicabanga ukuthi kwenzekani?



129

Kwaphuma amachwane amane, ayesinde ngendlela eyisimanga ngaphansi kwamaphiko esikhukhukazi. Esebenzisa inkulumo emnandi neshaya khona, uNkulunkulu ukhuluma ngalokho afisa ukukwenzela bonke abantwana baKhe emhlabeni ngesikhathi sezinhlupho:




130

IHubo 91:1, 4
Yena owakhile ekusithekeni koPhezukonke




131

nohlezi emthunzini kaSomandla...




132

Ngezimpaphe zakhe uyakukusibekela, uphephele phansi kwamaphiko akhe;



133

ukuthembeka kwaKhe kuyisihlangu nehawu. IHubo 91:1, 4.
Yebo, uNkulunkulu unike isiqinisekiso esimangalisayo kulabo abakhetha ukumlandela:



134

IHubo 91:5 - 11
Awuyikwesaba ivuso lasebusuku, nomcibisholo ondizayo emini,

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo




135

nobhadane oluhamba ebumnyameni, nesifo esibhubhisayo emini enkulu.




136

Bayakuwa abayizinkulungwane ngaseceleni kwakho, nabayizinkulungwane eziyishumi ngakwesokunene sakho, kepha akuyikufinyelela kuwe.




137

Uyakubuka nje ngamehlo akho, ubone ukuphindiselwa kwababi.




138

Ngokuba uthi:  JEHOVA, uyisiphephelo sami; oPhezukonke umenzile abe yinqaba yakho.



139

Awuyikwehlelwa ngokubi, nesifo asiyikusondela etendeni lakho.



140

Ngokuba uyakuyaleza izingelosi zaKhe ngawe... IHubo 91:5 - 11.



141

(Video: 15 sec) Kodwa ingaba khona into ekukhuthaza ngaphezu kwalokhu?  Awufuni yini ukukhoseliswa ngaphansi kwamaphiko kaSomandla lapho izinhlupho ziqala ukuwela emhlabeni?  Lapho kungasekho indawo yokucasha?  UBaba osezulwini ufuna ukukuphephisa, akusindise ngehora lokuhlupheka nembhubhiso.

# 23 - Ukuphepha Usizi Oluzayo


142

**Uma unikela ukuphila kwakho kuYena, uzokuvikela njengesikhukhukazi siqoqa amachwane aso ngaphansi kwamaphiko. Isinqumo esakho. Ngiqinisekile ukuthi uNkulunkulu ubengathanda ukukwenzela lesinqumo ukuze ube naYe kuze kube phakade, kodwa akakwazi ukukwenza lokhu. Uwena kuphela ongenza leso sinqumo. Musa ukulinda. Senze manje.**

# 24 - Omubi Esemaketangeni



1

Lapho uSathane Engasakwazi Ukulinga


2

Iqembu labacwaningi endaweni yase Arctic bazithola besele dengwane esiqhingini esiyihlane. Ukudla kwabo kwakuncipha ngokushesha.
Nezinkuni zaziya ekupheleni.
Kwakubanda, amakhaza eshubisa umkantsha.
Bazilungiselela ukufa. Babebona ukuthi ukufa kuyeza masinyane.
Kuthe kusenjalo, sebelahle ithemba


3

omunye wabo wabona kuphafuza intuthu laphaya.
Othile wayekwazile ukuthola umyalezo wabo nge radio.
Usizo lwaluseduze.
Lokho kuphafuza kwentuthu kwabanika ithemba lokubambelela.
Masinyane ukuhlupheka kwabo kwakuzodlula.
Masinyane babezophephela ekufudumaleni komkhumbi wokutakula, bakwazi ukuya ekhaya ekugcineni.


4


Incwadi yokugcina yeBhayibheli, iSambulo, itshengisa ukuthi usizo luseduze. Masinyane sizokhululwa.
Ukuhlupheka esonweni kuzophela.
Sizokhululwa, uSathane aboshwe.
Siyohlwithelwa emafwini, sihlangabeze uJesu, kanti uSathane uyobe eboshwe yisimo kulomhlaba.
Siyothola ukuphila kwaphakade, kodwa uSathane nabalandeli bakhe bayothola isigwebo sokubhubha kwaphakade.



5

(Video: 13 sec) Izikhathi ngezikhathi abehluleli ezinkantolo zasemhlabeni bahlulela abantu isigwebo eside ngokubabazekayo ukuze batshengise ububi besenzo sobugebengu esenziwe.
Isigwebo sawodilika-jele abathathu noma abane belandelana; noma iminyaka engu 99 uma isigebengu leso sesisidala. Kusuke kungalindelekile ngempela ukuthi lowomuntu angasidonsa sonke leso sigwebo.

# 24 - Omubi Esemaketangeni


6

Isigwebo yindlela yomahluleli yokuzwakalisa intukuthelo yomphakathi ngezenzo zobugebengu.



7

Bewazi-nje ukuthi siyeza isikhathi lapho uMahluleli ezokhipha khona isigwebo seminyaka eyi 1000, kanti isiboshwa siyoyidonsa yonke kuze kube usuku lokugcina?




8

Isambulo 20:1 - 3
Lalela amazwi eBhayibheli:  Ngase ngibona ingelosi yehla ezulwini, iphethe isihluthulelo sakwalasha neketanga elikhulu ngesandla sayo.




9

Yambamba udrako, inyoka endala, onguMhlebi noSathane, yambopha iminyaka eyinkulungwane.




10

Yamponsa-ke kwalasha, yamvalela phakathi, yamqinisa ngophawu ngaphezu kwakhe



11

ukuze angabe esadukisa izizwe, ize iphele iminyaka eyinkulungwane.



12

Emva kwalokho kumelwe ukuba athukululwe isikhashana.
Isambulo 20:1 - 3.

# 24 - 0mubi Esemaketangeni





13

**Lapha sithola ukuthi uNkulunkulu unecebo lokwenza utho ngesigelekeqe esikhulu kunazo zonke ezake zaba khona - isigelekeqe esithintekayo kuzo zonke izono nobugebengu obake benziwa emhlabeni.**
**Futhi isikhathi siseduze lapho sizovalelwa iminyaka engu 1000.**
**Inkulungwane yeminyaka endaweni ebuhlungu kakhulu.**
**Ngesinye isikhathi leminyaka ibizwa ngokuthi yiMileniyamu.**




14

**Iyini iMileniyamu?**




15

**Lesikhathi seminyaka eyinkulungwane sibizwa ngokuthi yi "mileniyamu" okuyigama elivela emagameni amabili esiLatini athi: 'mille' okushu inkulungwane; nelithi 'annum' okusho unyaka.**


16

**Isiprofetho sibuye sisitshele ukuthi uSathane uzoboshwa isikhathi se**



17

**Iminyaka eyi 1000 bese ekhululwa isikhashana ukutshengisa umhlaba ukuthi nangasemuva kweminyaka eyi 1000 akakaguquki - usenguye lowoSathane.**
**Ukuze siqondisise kahle lesiprofetho nokuthi sithini, sidinga ukuthola ukuthi siqala kanjani nokuthi siphetha kanjani, nokuthi kwenzekani esikhathini esiphakathi.**



18

**Ake ngisho lokhu manje, ngingakaqhubeki ukutshengisa ubuqiniso balokho engizokusho. Imileniyamu iphahlwe ukuvuka okubili:**

# 24 - Omubi Esemaketangeni



19

1) Ukuvukela ekuphileni ekuqaleni kwaleyo minyaka,



20

2) Ukuvukela ekulahlweni ekugcineni kwayo.



21

Ngelinye ilanga uJesu efundisa abafundi baKhe ngokufa wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Isikhathi siyeza, sesikhona namanje,



22

lapho abafileyo beyakulizwa izwi leNdodana kaNkulunkulu; abezwayo bayakuphila.
Johane 5:25.
Nakhoke.
Abafileyo bayakulizwa izwi laKhe, baphile.
Bonke abafileyo bayovuswa.
Ngiyazi kuzobamangalisa abanye lokho, ngoba bebecabanga ukuthi kuyovuka abalungile kuphela.
Qaphela indlela uKristu enaba ngayo ezindimaneni 28 no 29 kuso lesahluko:




23

Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza, lapho bonke abasemathuneni beyakulizwa izwi layo



24

abenze ukulunga baphumele ekuvukeni kokuphila,



25

abenze okubi ekuvukeni kokulahlwa. Johane 5:28, 29.

# 24 - 0mubi Esemaketangeni



26

(Video: 4 sec) Qaphela ukuvuka okubili.
Okokuqala, uvuko lwalabo abenze okuhle, nolwesibili okunguvuko lokulahlwa.


27

Lalela ukuthi lithini iBhayibheli ngalabo abasovukweni lokuqala:



28

Isambulo 20:5, 6
Lokhu kungukuvuka kokuqala.



29

Ubusisiwe, ungcwele onesabelo ekuvukeni kokuqala; kulabo ukufa kwesibili akunamandla



30

kepha bayakuba ngabapristi bakaNkulunkulu nabakaKristu, babuse kanye naYe iminyaka eyinkulungwane. Isambulo 20:5, 6.


31

Lokhu kuyezwana nalokho uPawulu akutshela abaseThesalonika.
Qaphela indlela achaza ngayo ukubuya kukaKristu.



32

1 Thesalonika 4:16, 17
Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbo lengelosi enkulu



33

nangecilongo likaNkulunkulu, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala.

# 24 - Omubi Esemaketangeni



34

Khona thina esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo emafwini, sihlangabeze iNkosi emoyeni;



35

Kanjalo-ke siyakuba naYo iNkosi njalo. Izindimana 16, 17.


36

Lokho ukuchazwa okuthathekisayo kakhulu kuvuko. Uzophawula ukuthi abafele kuKristu bavuswa kuqala, bese kuthi abalandeli bakaKristu abaphilayo behlwithwa kanye nabo emafwini ukuhlangabeza iNkosi emoyeni!



37

Johane 11:25
Ngalolosuku kuyogcwaliseka isithembiso esenziwa nguJesu esithi: Okholwa yimi, noma efa, wophila.
Johane 11:25


38

Yebo, abalungile abafile bayovuswa emangcwabeni mhla efika uKristu.



39

Isaya 26:19.
U Isaya uchaza leyonjabulo ngalamazwi: Phaphamani, nijabule nina enihlala othulini...nomhlaba uyakubakhipha abafileyo.
Isaya 26:19.
Yeka ubuhle balolosuku!


40

Omama bayohlanganiswa nabantwana babo abakade bafa.
Abayeni namakhosikazi bahlanganiswe.
Amadodana namadodakazi ahlanganiswe nawomama nawobaba!
Ikhona kodwa into yedlula le?

# 24 - 0mubi Esemaketangeni



41

**Johane 14:2, 3**
**Leso sithembiso esihle uJesu asenza kudala, siyogcwaliseka:  Ngiya ukunilungiselela indawo.**



42

**Nanxa ngiya ukunilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele Kimi**




43

**ukuba lapho ngikhona nibe khona nani.**
**Johane 14:2, 3**
**Kulapho abangcwele beyobe bekhona ngemileniyamu!**



44

**Isambulo 20:6**
**Siyobe senzani lapho?  UJohane uyasitshela:  Ubusisiwe, ungcwele onesabelo ekuvukeni kokuqala; kulabo ukufa kwesibili akunamandla**



45

**kepha bayakuba ngabapristi bakaNkulunkulu nabakaKristu, babuse naYe iminyaka eyinkulungwane.**
**Isambulo 20:6.**
**Ngaphandle kwenjabulo engenakuchazwa yokuhlangana kukaKristu nabalandeli baKhe, uJohane usikhanyisela ngokuthi bayobe benzani ngaleminyaka eyinkulungwane:**



46

**Isambulo 20:4.**
**Ngase ngibona izihlalo zobukhosi;  bahlala kuzo, banikwa ukwahlulela...**
**Isambulo 20:4.**
**UNkulunkulu onokuhlakanipha konke, uNkulunkulu wamazulu onamandla onke ufake abantu ababuthakathaka emsebenzini omkhulu wokwahlulela izingelosi eziwile nalabo abangasindiswanga.**



47

**1 Korinte 6:2, 3**
**UPawulu uthi:  Anazi yini ukuthi abangcwele bayakwahlulela izwe na?...**

# 24 - Omubi Esemaketangeni



48

**Anazi yini ukuthi siyakwahlulela izingelosi na?... 1 KwabaseKorinte 6:2, 3.**


49

**Kuyocaca ukuthi uNkulunkulu unobulungiswa, muhle akakhethi bala lamuntu.**
**Izinkulungwane zeminyaka uSathane ubesola uNkulunkulu ngokuthi uyakhetha, akanaluthando, akanabo ubulungiswa. Iminyaka eyinkulungwane iyokuqeda konke lokho, kuvele isimilo esimsulwa sikaNkulunkulu phambi kwamazulu onke!**
**Kuyodingeka ngani ukuba sahlulele izingelosi ezimbi kanye nezoni na?**
**Kanti bayobe bengekahlulelwa yini ngaphambi kokufika kukaKristu na?**


50

**Yebo, kodwa uke umangale-nje ukuthi ungenzenjani uma ufuna umuntu othile ezulwini obewulindele ukuthi abe khona, kodwa uthole ukuthi uphakathi kwabalahliwe?**
**Nawe ungabungabaza ubulungiswa nokungakhethi kukaNkulunkulu.**


51

**Ngalesikhathi semileniyamu, kuyovulwa izincwadi eziphethe imisebenzi yabalahliwe.**
**Lapho kuyovezwa obala zonke izimfihlo nemicabango ebikade ifihliwe.**
**Uthando lukaNkulunkulu nobulungiswa baKhe buyofakazelwa.**



52

**Isambulo 16:7.**
**Labo abayobe bephenya izincwadi zemisebenzi, bayovumelana ngazwi linye lokuthi: Yebo, Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla onke, ziqinisile, zilungile izahlulelo zaKho. Isambulo 16:7.**


53

**Ungazibuza ukuthi kwenzekani kulabo abayobe bephila ngesikhathi kufika uKristu, kodwa bengalwamukelanga usindiso. Isambulo 19 sichaza ukubuya kukaKristu nokubhujiswa kwabangasindisiwe ngalamazwi:**

# 24 - Omubi Esemaketangeni




54

Isambulo 19:21
Nabaseleyo babulawa ngenkemba ephuma




55

emlonyeni waKhe owayehlezi ehashini...
Isambulo 19:21




56

Ayikho indlela yokuthi abalahlekile bakwazi ukuma phambi kwenkazimulo kaKristu ozayo kanye nezingelosi zaKhe.




57

Ingelosi eyodwa yafika ethuneni likaJesu, amabutho amaRoma avele afana nabafileyo.




58

Jeremiya 25:33
IBhayibheli lithi: Ngalolosuku ababuleweyo bakaJehova bayakusukela komunye umkhawulo womhlaba, baze bafike komunye




59

abayikukhalelwa, abayikubuthwa, abayikumbelwa, bayakuba ngumquba ebusweni bomhlaba. Jeremiya 25:33.



60

Ekubuyeni kwesibili kukaKristu, abalungileyo abavusiwe kanye nababengakuzwanga ukufa bahlangabeza uKristu emafwini,

# 24 - Omubi Esemaketangeni




61

kanti abangasindiswanga, bayobulawa yinkazimulo yokuza kwaKhe - yinkemba ephuma emlonyeni waKhe.
Omunye angabuza lombuzo:  Labo-ke abangasindiswanga abasesemangcwabeni ke?
Impendulo siyithola endimaneni yesihlanu yeSambulo 20:




62

Isambulo 20:5
Abafileyo ababesele kabaphila yaze yaphela iminyaka eyinkulungwane.



63

Indida isiyasombululeka.
Sesiyabonakala isithombe salokho okuyokwenzeka ekufikeni kukaKristu:




64

Yilezi izigameko eziyokwenzeka ekubuyeni kukaKristu




65

1.  UJesu uyobuya nazo zonke izingelosi. (Mathewu 25:31).




66

2.  Abafele kuKristu bayovuka kuqala (1 KwabaseThesalonika 4:16).




67

3.  Abasindisiwe abaphilayo bayahlwithwa bahlangabeze uJesu emoyeni ( 1 KwabaseThesalonika 4:17).

# 24 - 0MUBI ESEMAKETANGENI



68

**4. Abasindisiwe baya ekhaya noJesu, babuse naYe iminyaka eyi 1 000 (Isambulo 20:4, 6).**



69

**5. Abangasindisiwe babulawa yinkazimulo yokuza kukaKristu (Jeremiya 25:33).**



70

**6. Ababi abafile abavuswanga kwaze kwaphela iminyaka eyi 1 000. (Isambulo 20:5).**




71

**7. USathane uboshwa iminyaka eyi 1 000 ngeketanga lesimo sokungabi namuntu azomlinga noma ambulale!**



72

**Abalungile basezulwini, bonke ababi bafile.**
**Akukho muntu!**
**Yonke indawo kugcwele incithakalo (Jeremiya 4:23 - 26).**


73

**Lomhlaba uphenduka ijele likaSathane.**
**IBhayibheli lithi uSathane wafakwa emgodini ongenamkhawulo (kwalasha) iminyaka eyinkulungwane.**
**Uboshwe kanjani na?**
**Ngeketanga lesimo esenza angakwazi ukulinga noma ukubulala noma ubani, iminyaka eyi 1 000.**


74

**Labo akade balandela uSathane besaphila emhlabeni, bayafa ekufikeni kukaKristu, noma bahlala emangcwabeni abo kuze kuphele iminyaka eyinkulungwane.**

# 24 - Omubi Esemaketangeni


75

Bonke abasindisiwe banoKristu iminyaka eyinkulungwane.


76

USathane usele nezingelosi zakhe ezimbi kuphela, ulinga zona, uyazedukisa kanti nazo ngemuva kweminyaka eyi 6 000, sezifana naye ngenkohlakalo.


77

Umhlaba uphenduka ijele lakhe.
Wayefuna ukutshengisa ukuthi angawubusa kanjani umhlaba, kanjalo wephuca uAdamu no Eva umbuso ngobuqili, kodwa manje wonke umuntu uyozibonela ukuthi umbusi onjani ngempela lona onguSathane!



78

iSambulo 20:3
Uzokhumbula ukuthi iSambulo 20:3 sithi: Yamphonsa-ke kwalasha, yamvalela phakathi, yamqinisa ngophawu ngaphezu kwakhe,



79

ukuze angabe esadukisa izizwe, ize iphele iminyaka eyinkulungwane;



80

emva kwalokho kumelwe ukuba athukululwe isikhashana.
Igama elithi kwalasha lisasho umgodi ongenamkhawulo.
Futhi leligama lisho isimo somhlaba ngokuchazwa yiTestamente eliDala ungakabi nesimo, ngaphambi kokuba uNkulunkulu awenze ube muhle.



81


Yilo lelolizwi elisetshenziswe kuJeremiya: Ngabuka umhlaba; bheka wawuyize, wawungenalutho; nezulu lalingenakukhanya. Jeremiya 4:23.

# 24 - 0mubi Esemaketangeni



82

Yebo, umhlaba ungumgodi ongenamkhawulo.
Uzokuba yindawo emnyama!
Manje-ke qaphela ukuthi ubuye athini uJeremiya ngomhlaba ngalesikhathi:




83

Jeremiya 4:224, 25
Ngabuka izintaba;  bheka, zazamazama;  onke amagquma anyakaza.



84

Ngabuka;  bheka, kwakungekho muntu;  izinyoni zonke zezulu zazibalekile.
Jeremiya 4:24, 25.
Uzophawula ukuthi kuthiwa kwakungekho muntu.




85

Jeremiya 4:26
UJeremiya uphinde athi:  Ngabuka;  bheka, izwe elivundileyo laliyihlane,




86

nemizi yalo yonke yayidiliziwe ebusweni bukaJEHOVA naphambi kolaka lwaKhe oluvuthayo.
Izindimana 26, 27.


87

Impela yindawo engeyinhle lena ukuthi umuntu angathathela kuyo iholide leminyaka eyi 1 000, akunjalo?
USathane nezingelosi ezimbi bayobe beswele umsebenzi.  Bayozulazula, behla benyuka emhlabeni omnyama onencithakalo, onesizungu.  Bayokuba nethuba lokuzindla ngemiphumela yokuhlubuka kwabo kuNkulunkulu!



88

Manje akesibheke okwenzeka ngesikhathi semileniyamu:

# 24 - Omubi Esemaketangeni



89

1. Umhlaba uyihlane, awunamuntu.



90

2. Bonke abangasindisiwe bafile, bebulawe yinkazimulo yokufika kukaJesu.



91

3. Bonke abasindisiwe basezulwini, babusa kanye noKristu.



92

4. USathane uboshiwe kulomhlaba omnyama onencithakalo, ukuze acabange ngokuhlubuka kwakhe.


93

Ngabe uSathane uyoguquka na?
Izingelosi ezahlubuka naye zona?
Zisazokhetha ukumlandela, noma sezizolandela uKristu manje?
Esinye sezizathu esenza uNkulunkulu akhethe ukufaka imileniyamu ohlelweni lwaKhe ukuthi ufuna ukutshengisa izwe ukuthi ukuba uSathane nabo bonke abamlandelayo, bebenganikwa elinye ithuba kulomhlaba, bebezokwenza zona lezo zinqumo futhi, bakhethe uSathane.


94


Bebengalenqaba icebo losindiso yize noma bebenamathuba ayinkulungwane ukulamukela.



95


Lithini iBhayibheli ngokukhetha kwabo na?

# 24 - 0mubi Esemaketangeni





96

**Sambulo 20:7, 8**
**Impendulo siyithola kuSambulo 20:7, 8: Nanxa isiphelile iminyaka eyinkulungwane, uSathane uyakukhululwa etilongweni lakhe,**




97

**aphume ukudukisa izizwe ezisemagumbini omane omhlaba...**




98

**oGogi noMagogi, azibuthele ekulweni ezimumo wazo ungangesihlabathi solwandle.**
**Isambulo 20:7, 8.**
**Mhlawumbe uyamangala ukuthi bayobe bevelaphi bonke labantu abeyobe beya kulempi.**




99

**Isambulo 20:5**
**Khumbula ukuthi sifundile esahlukweni 20 kuSambulo indimana 5 ukuthi: Abafileyo ababesele kabaphila yaze yaphela iminyaka eyinkulungwane.**



100

**Yebo, abafileyo ababesele bengasindiswanga, bayovuka ovukweni lokulahlwa ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane.**
**Yeka lowo mbono, ukubona ababi bevuswa, beyizigidi-gidi, bonke ababi kusukela ezinsukwini zika Adamu kuze kube sekubuyeni kukaJesu.**




101

**Isambulo 20:8**
**Uthi uJohane: umumo wazo ungangesihlabathi solwandle.**
**Isambulo 20:8**



102

**Ngalesikhathi umuzi ongcwele, iJerusalema eliSha, noKristu kanye nabasindisiwe behlela emhlabeni ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane!**
**USathane uyowuthukuthelela lomuzi. IBhayibheli lithi:**

# 24 - Omubi Esemaketangeni



103

**Isambulo 20:7, 8**
**Nanxa isiphelile iminyaka eyinkulungwane, uSathane uyakukhuluwa etilongweni lakhe**



104

**aphumele ukudukisa izizwe ezisemagumbini omane omhlaba...**



105

**OGogi noMagogi, azibuthele ekulweni**
**Isambulo 20:7, 8.**


106

**Manje uSathane nezingelosi zakhe ezimbi bayaphuma ukuyodukisa ababi futhi!**
**Akakaguquki nakancane!**
**Bayaphinda ababi bakhetha uSathane njengomholi wabo.**
**USathane uyabahola beyimpi eyodwa enkulu, befuna ukunqoba iJerusalema eliSha ngenkani.  Lena yimpi yokugcina emhlabeni!**
**Lempi enkulu, iholwa yivukelambuso elidala, iyasondela!**


107

**Akesifunde ukuthi iBhayibheli lithi kuyokwenzekani:**



108

**Isambulo 20:9**
**Zase zikhuphukela ngaphezu kobubanzi bomhlaba, zakaka ikamu labangcwele nomuzi othandiweyo.**



109

**Kwehla umlilo uvela ezulwini, wazidla waziqeda.**
**Isambulo 20:9**

# 24 - Omubi Esemaketangeni




110

Iphelile impi!  Kuyadabukisa uma ucabanga ukuthi bekungadingekile kube nje!
Kwenzekani kuSathane?  Liyasitshela iBhayibheli:



111

Isambulo 20:10, 14, 15
NoSathane owazidukisayo waphonswa echibini lomlilo nesibabule...



112

Ukufa neHayidese kwaphonswa echibini lomlilo.
Lokhu kungukufa kwesibili.



113

Uma ekhona ongafunyaniswanga elotshiwe encwadini yokuphila, waphonswa echibini lomlilo.
Isambulo 20:10, 14, 15.
UPetru wawubona lomlilo embonweni wabhala wathi:



114

2 Petru 3:10
...Amazulu ayakudlula ngokuhlokoma;  kuyakusha konke, kubhidlike;



115

nomhlaba nemisebenzi yawo kuyakusha.
2 Petru 3:10
USathane nezingelosi zakhe ezimbi, nezoni, bayoqedwa kwaphakade!


116

Singaba nezihlobo, nabangane nabantu esibajwayele, esibathandayo abayobhubha okwaphakade.
Yebo, siyokhala.  Bekungabuye kube njani?



117

Isambulo 21:4
Kodwa okumnandi yilokhu:  UNkulunkulu uyozesula izinyembezi emehlweni abo, ukufa akusayikuba khona,

# 24 - Omubi Esemaketangeni



118

**nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu akusayikuba khona; ngokuba okokuqala kudlulile.**
**Isambulo 21:4**


119

**UNkulunkulu wethembise abasindisiwe iphakade elimangalisayo! Ingqondo yomuntu ayikwazi nokucbanga lobo buhle base paradisi uNkulunkulu abulungisela labo abamthandayo, nabazimisele ukumlandela!**
**Cabangake ukuthi nababi, bebengazijabulisa ngalokhu, kodwa abafunanga ukuzithoba! Abafunanga ukukhetha uKristu njengoMsindisi wabo neNkosi yabo.**
**Wena mngane wami, uyokuba kusiphi isixuku ngalolosuku na? Uma selufika lolosuku, siyobe singasekho isikhathi sokuguquka. Kuyobe sekungemuva kwesikhathi uma ungase uzunywe ukufa. Okuyiyona ndlela ongaqiniseka ngayo ukuthi ungomunye wabasindisiwe, ukunikela inhliziyo yakho ngokuphelele kuJesu manje -**
**NAMUHLA!**


120

**Uma ufisa ukunikela impilo yakho ngokuphelele kuJesu, ngiyakumema ukuthi uze ngaphambili ngizokwenzela umthandazo okhethekile.**
**Uma unenkinga ethile empilweni yakho, woza uzothola umthandazo khona manje.**
**Uma kukhona umkhuba odinga ukuwunqoba, woza uzothola umthandazo.**
**Uma kukhona isilingo olwa naso, woza.**
**UJesu uzokuzwa. UJesu uzokuphendula. Ngizolinda umzuzu, kodwa wena woza, khona manje.**

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



1

Izulu Yindawo Yangempela


2

Kunendaba ngentombazanyana eyaphila yonke impilo yayo edolobheni. Njengoba izibani zedolobha zikhanyisa isibhakabhaka, ayizange ibe nethuba lokubona izinkanyezi.
Ngelinye ilanga ehlobo, unina wahamba nayo beyochitha ikhefu emaphandleni.


3

Kusihlwa ngemuva kokushona kwelanga, izinkanyezi zakhazimula njengamadayimane esibhakabhakeni. Yabheka phezulu lentombazane, imangele ngalobobuhle besibhakabhaka esigcwele izinkanyezi. Yathi: Mama, uma izulu lilihle kangaka njengoba libonakala kulomhlaba wesono, kusho ukuthi linjaninje ngaphakathi!



4

(Video: 5 sec) Udaba lwezulu luthathekise abaningi abantu emhlabeni wonke emakhulwini eminyaka. Ngempela, linjani izulu na? Likhona ngempela kodwa? Uma likhona, liphi, futhi kunjani khona?


5

Abanye abantu abakholwa ukuthi kunezulu.
Abanye bathi mathathu amazulu, noma ayisikhombisa.
Abanye bathi uya ezulwini uma ufa.


6

Abanye bathi Cha, uqale uye endaweni okuthiwa yisihlambezo, emva kwalokho-ke mhlawumbe ungadlulela ezulwini.


7

Abanye bathi izulu akuyona indawo yangempela, yisimo sengqondo yakho-nje.

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!


8

**Kukhona labo abathi ekugcineni, bonke abantu bayongena ezulwini.**
**Abanye bathi bambalwa kakhulu abayongena ezulwini.**
**Kukhulu ukudideka!  Imibono miningi!**



9

**(Video: 7 sec) Kungani kunemibono eminingi kangaka mayelana nezulu na?**
**Kungani kunemibono eshayisanayo kodwa iBhayibheli libe liyicacise kahle kangaka lendaba?**



10

**Empeleni, bewazi nje ukuthi iBhayibheli ligcwele imininingwane ngezulu?**
**UNkulunkulu ufuna ukuba sazi ukuthi izulu linjani ukuze sizimisele ukuba khona!**
**Izulu akuyona indawo eyimfihlo uNkulunkulu asifihlele yona.**


11

**Ezakhiweni eziningi ezinkulu, kukhona isikhiye somnyango ngamunye.**



12

**Umnikazi wesakhiwo unesikhiye okuthiwa yiSikelemu-khiye.  Leso sikhiye sivula yonke iminyango.**



13

**UNkulunkulu unesikelemu-khiye esivula izimfihlo maqondana nezulu, yiBhayibheli lelo - okuyiwona mthombo wethu othembekile wolwazi.**
**Ngenhlanhla, asidingi ukwethembela kokushiwo abantu.**
**Asidingi ukudideka mayelana nezulu.**



14

**Umpostoli uPetru wabhala ngalomthombo wolwazi.**

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



15

2 Petru 1:19
Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu, enenza kahle ukuliqaphela kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama



16

kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu.
2 Petru 1:19



17

UNkulunkulu ukuvezile ezwini laKhe:
Ukuthi izulu liyokuba-phi.
Ukuthi izulu liyobanjani.
Ukuthi inhloko-dolobha yalo iyokuba-phi.
Ukuthi abantu bayokwenzani lapho
Ukuthi abantu bayoba njani lapho.
Ukuthi abasindisiwe bayohlalaphi.
Ukuthi inhloko-dolobha iyobukeka kanjani.



18

Manje makesithathe isikelemu-khiye sikaNkulunkulu, iBhayibheli, sithole ikusasa langempela uNkulunkulu alilungisele abalandeli baKhe.


19

Encwadini yokugcina yeBhayibheli, iSambulo, uNkulunkulu uqobo, wembulela uJohane isithombe ngekusasa.
UJohane uyachaza lokho akubona:



20

Isambulo 21:1, 2
Ngase ngibona izulu elisha nomhlaba omusha; ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile.



21

Nolwandle alusekho.

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



22

**Ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema eliSha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu,**



23

**ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe.**
**Isambulo 21:1, 2.**


24

**Ayimininingi imibono eletha injabulo nobuhle njengokubona umakoti elungisela usuku lomshado wakhe!**


25

**Lelikhaya lasezulwini aligcinanga ngokubonwa nguJohane kuphela - bonke abaprofethi bakaNkulunkulu babazi ngalo.**
**Lalela:**



26

**Nokuba ithume uKristu Jesu enimmiselweyo.**



27

**okumele ukuba izulu limamukele, kuze kube yizikhathi zokubuyiselwa kwakho konke,**



28

**uNkulunkulu akhuluma ngakho ngomlomo wabaprofethi baKhe abangcwele, kusukela kwaphakade.**
**Izenzo 3:20, 21.**

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!




29

**UZOBUYISELANI UNKULUNKULU NA?**
**UNkulunkulu uzobuyisela yonke into eyalahlekela uAdamu noEva!**
**Umhlaba waphuma ezandleni zoMdali umuhle, ungenasici ngendlela engenakuchazwa.**


30


**UMdali uqobo wayelihlelile, walihlobisa ikhaya lika Adamu no Eva, insimu yase Edeni, iparadisi.**
**UNkulunkulu wayebanike ukubusa emhlabeni.**


31


**Babe phila kahle emzimbeni, benothando, injabulo, intokozo nokuxhumana ubuso nobuso noNkulunkulu.**
**Kwakukhona ukuthula nokuzwana.**
**Babengeke baze bagule noma bafe ukuba babekhethe ukulalela imiyalo kaNkulunkulu.**


32

**Imiyalo uyaKhe yayithi: Ningadli emthini wokwazi okuhle nokubi, hleze nife.**


33

**Kodwa bakhetha ukudla kulowo muthi.**
**Balalela ingelosi eyahlubuka ezulwini okuthiwa uSathane, onesihluku namanga, esikhundleni sokulalela uNkulunkulu onothando nobanakekelayo.**


34

**Emva kwalokho, okokuqala empilweni yabo, balahlwa unembeza, baba namahloni, besaba.**
**Kwaku lusuku oludabukisayo emlandweni womhlaba.**
**Ngokungalaleli kwabo, balahlekelwa yikho konke: ikhaya labo lase Edeni, ukubusa umhlaba, nokudla emthini wokuPhila.**
**Njengoba bengasakwazi ukudla emthini wokuphila, base bezokufa.**

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!


35

**Babengesenakho ukuphila kwaphakade.**
**Injabulo yabo, uthando nobudlelwano noMdali kwase kuzophela.**
**Umhlaba wethu ophelele wangenwa yisihlava sesono.**
**Umhlaba waphenduka indawo yosizi nokuhlupheka, izifo, nokufa.**
**Esikhundleni sokuba ababusi, uAdamu noEva baphenduka izigqila.**



36

**AmaRoma 6:16**
**UPawulu wathi: Anayi yini ukuthi lowo enizinikela kuye ukuba nibe yizinceku zokumlalela**



37

**niyizinceku zakhe enimlalelayo...**
**KwabaseRoma 6:16**
**Kodwa uNkulunkulu oluthando nonakekelayo waba nozwela.**
**Inyoka yayibakhohlisile oAdamu no Eva.**
**UNkulunkulu wabathanda kangoba akabashiyanga abantwana baKhe abanile ngaphandle kwethemba.**


38

**Emasangweni ensimu, uNkulunkulu wethembisa uAdamu noEva ukuthi ngelinye ilanga iNdodana yaKhe, iNzalo yowesifazane, iyofika ibafele ukuze babuyiselwe emndenini kaNkulunkulu, babe nokuphila kwaphakade.**



39

**Genesise 3:15**
**Ngizakubeka ubutha phakathi kwakho nowesifazane, naphakathi kwenzalo yakho nenzalo yakhe;**



40

**Yona iyakuchoboza ikhanda lakho, wena uyakulimaza isithende sayo. Genesise 3:15.**

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



41

Njengoba izizukulwane zazidlula nabantu banda emhlabeni, nesono sanda.
Abantu basebecishe bamkhohlwa uNkulunkulu nesithembiso saKhe.



42

Abantu balahlekelwa yizimilo baphenduka abangalungile iNKOSI yabona ukuthi ububi bomuntu bukhulu emhlabeni,



43

nokuthi zonke izizindlo zemicabango yenhliziyo yakhe zimbi njalo.
Genesise 6:5.


44

Kwaze kwadingeka ukuba uNkulunkulu abhubhise ababi ngozamcolo ukuze kulondolozeke impilo emhlabeni.
Bayisishiyagalombili kuphela abasinda!
Ngemuva kukazamcolo, akudlulanga izizukulwane eziningi, abantu babuyela enkohlakalweni futhi.


45

Ukuze azigcinele abantu abangcwele emhlabeni, uNkulunkulu wabiza uAbrahama nomndeni wakhe ukuba baphume ebantwini base Uri lamaKhaledi ababekhonza izithombe.
Umndeni wakhe nawo wawuzongenwa ububi ukuba babeqhubeke nokuhlala lapho.



46

Genesise 12:1, 2
UJehova wathi kuAbrahama: ...Phuma ezweni lakini, nasezihlotsheni zakho, nasendlini kayihlo, uye ezweni engiyakukukhombisa lona.



47

Ngiyakukwenza isizwe esikhulu, ngikubusise, ngenze igama lakho libe likhulu, wena ube yisibusiso.
Genesise 12:1, 2.

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!


48

**U Abrahama wazimisela ukushiya ukuthokomala kwekhaya lakhe ezweni lamaKhaledi. Wayengazi lapho eya khona, kodwa wayenolwazana oluncane ngalokho uNkulunkulu amlungisele khona.**



49

**AmaHeberu 11:9, 10**
**Ngokukholwa waba ngumfokazi ezweni lesithembiso kwangathi ngelezizwe,**



50

**ehlala ematendeni, benoIsaka noJakobe, beyizindlalifa kanye naye zalesosithembiso.**




51

**Ngokuba wayebheke umuzi onezisekelo, omakhi nomenzi wawo nguNkulunkulu. KumaHeberu 11:9, 10. UNkulunkulu wethembisa ukubuyisela kuAbrahama nenzalo yakhe konke okwakulahlekele uAdamu noEva.**


52

**Abaprofethi kuzo zonke izizukulwane babekholwa futhi belangazelele ukubuyiselwa kwazo zonke izinto. UNkulunkulu ubala amanye amaqhawe okukholwa kuma**



53


**AmaHeberu, isahluko 11. U Abrahamu, uEnoki, uNowa, uAbela, uIsaka, uRahabi, uDavide noSamuweli abanye abambalwa-nje kumaqhawe okukholwa kuzo izithembiso zikaNkulunkulu zokubuyisela okwalahlekela uAdamu no Eva.**
**Qaphela ukuthi lithini iBhayibheli ngalamaqhawe:**



54

**KumaHeberu 11:13, 16**
**Bonke laba bafa bekholiwe, bengazamukeliswanga izithembiso, kepha bezibonile, bezithakazele zikude,**

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



55

Kepha manje balangazelela elihle kunalelo, okungukuthi elasezulwini. Ngalokho uNkulunkulu akanamahloni ngabo ukuba abizwe ngokuthi uNkulunkulu wabo,



56

ngokuba ubalungisele umuzi.
KumaHeberu 11:13, 16.


57

U Isaya, umprofethi ophambili kwababeprofetha ngoMesiya, usinika umfanekiso omuhle ngalokho kubuyiselwa okwenziwe ngu Nkulunkulu.
Ake sibheke izinto uNkulunkulu azembulela uIsaya:



58

Isaya 65:17
Ngokuba bheka, ngiyadala izulu elisha nomhlaba omusha;



59

izinto zakuqala aziyikukhunjulwa.
Isaya 65:17



60

Isaya 60:18
Futhi: Indluzula ayisayikuzwakala ezweni lakho, nencithakalo nokubhubhisa phakathi kwemikhawulo yakho;



61

kepha uyakubiza izingange zakho ngokuthi iNsindiso.
Isaya 60:18.

25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



62

(Video: 18 sec) Ake ucabange: Ayikho indluzula lapho!
Ukuthula nokuzwana kuphela!
AKUMANGALISI ukucabanga ngalokho?
Asikho lapho isidingo sezikhali zokuzivikela.
Akukho badlwenguli namasela!
Ngeke yini kumangalise ukuhamba kuleyo migwaqo yegolide, ungenaluvalo lokuhlaselwa nokuphangwa?
Kodwa akugcini lapho akushoyo umprofethi. Lalela:




63

Impisi iyakuhlala newundlu, ingwe ibuthise ndawonye nezinyane lembuzi...



64

nomntwana omncane uyakukuqhuba.
Isaya 11:6


65

Manje lalela ukuthi lithini futhi iBhayibheli ngalomhlaba ngemuva kokuba sewubuyiselwe kulobo buhle owawunakho ngaphambili:




66

Isaya 33:24
Abakhe khona abayikusho ukuthi: Ngiyagula.
Isaya 33:24.
Akukho ukumelwa yinhliziyo, awukho umdlavuza khona - yimpilo enhle kuze kube phakade!
Akuzona izindaba ezimnandi lezo?



67

Khona amehlo ezimpumputhe ayakuvulwa. Isaya 35:5.
Akungabazeki ukuthi into yokuqala labo ababengaboni abayofuna ukuyibona ubuso buka Jesu!
Kuyokuba usuku olumangalisa kangakanani kulabo ababengaboni!



68

Isaya 35:5, 6
Zivuleke nezindlebe zezithulu. Isaya 35:5.

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



69

Khona unyonga luyakutshekula njengendluzele. Isaya 35:6.
Azisekho izinqola zabakhubazekile! Awasekho amabhaxa okuhamba!
Wonke umuntu uyokuba nomzimba ophelele.



70

Isaya 35:6.

Nolimi lwesimungulu luyakuhuba. Isaya 35:6.
Ngeke bagcine ngokukhuluma, kodwa bayocula!
Kuyokuba usuku lwenjabulo lolo!
Kodwa kusekhona ezinye izindaba ezimnandi!



71

Isaya 35:1.

Kuyakujabula ihlane nogwadule, kuthokoze uqwathule, lukhahlele njengentebe. Isaya 35:1.
Uyokuba muhle kangakanani umhlaba omusha!



72

Bayakwakha izindlu, bahlale kuzo; byakutshala izivini, badle izithelo zazo.



73

Abayikwakha, kuhlale omunye; abayikutshala, kudle omunye,



74

Ngokuba izinsuku zabantu bami ziyakuba njengezinsuku zomuthi, nomsebenzi wezandla zabakhethiweyo bami uyakugugela kubo.
Isaya 65:21, 22.


75

Kusobala ukuthi izulu liyoba yindawo yangempela, enabantu bangempela, abenza izinto zangempela, akunjalo na?
Empeleni, siyokuba namagama ethu, futhi siyokwazana!

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!




76

**Isaya 66:22, 23**
**Ngokuba njengokuba izulu elisha nomhlaba omusha engiyakukwenza kuyakuma phambi kwami, usho uJehova,**




77

**kanjalo kuyakuma inzalo yakho negama lakho.**
**Isaya 66:22.**




78

**Kusukela ekwethwaseni kwenyanga kuye kwenye, kusukela kwelinye iSabatha kuye kwelinye**




79

**yonke inyama iyakufika ukukhuleka phambi kwaMi, usho uJEHOVA.**
**Isaya 66:23.**
**Umhlaba omusha uyokuba yindawo yenjabulo kuNkulunkulu nabantu baKhe.**





80

**Isaya 35:10**
**Abahlengiweyo bakaJehova bayakubuya baye eSiyoni ngokwethaba**




81

**intokozo engunaphakade ibe phezu kwamakhanda abo. Bayakuthola ukujabula nokuthokoza, kubaleke usizi nokububula. Isaya 35:10.**
**Akujabulisi lokho?**



82

**Kuyokuba umkhosi omangalisayo, wenjabulo lapho abasindisiwe beza ngeSabatha ngalinye emzini ongcwele ukuzodumisa bahube futhi babe nobudlelwane.**

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!


83

UJesu wathi usakhela izindlu.
Kuyokuba mnandi lokho, kodwa uIsaya wathi nathi siyokwakha izindlu!
Singathi yilowo nalowo kithina uyokuba nekhaya elisemaphandleni ayozakhela lona, bese kuthi impelasonto ngayinye, siye endlunkulu yoMhlaba omuSha, lapho-ke sisebenzise lezo zindlu esizakhelwe uJesu khona.



84

(Video: 7 sec) Isithombe sezulu esidwetshwa yiBhayibheli sicacile.
UNkulunkulu uyodala amazulu amasha nomhlaba omusha.
UMuzi oNgcwele, iJerusalema eliSha, uyokwehla uvela kuNkulunkulu ezulwini.
Lomhlaba ohlubukile, wawela esonweni, uyokuba yindlunkulu yamazulu onke.
Kungakumangalisa lokhu, kodwa lomhlaba uzokuba yikhaya lakusasa labasindisiwe. UJesu washo njalo.




85

Mathewu 5:5
Babusisiwe abamnene, ngokuba bayakudla ifa lezwe. Mathewu 5:5.
UNkulunkulu uzobuyisela umhlaba kulokho kuphelela kwakuqala, futhi uyoba muhle ngokungachazeki!



86

Mhlawumbe uzokhumbula ezinye zezithembiso ezimangalisayo uJesu azinika abafundi baKhe nabo bonke abalandeli baKhe kuyo yonke iminyaka, ngaphambi kokuba enyukele ezulwini:



87

Inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe naYimi.



88

Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo, bengiyakunitshela...

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



89

Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele kiMi



90

ukuba lapho ngikhona nibe khona nani.
Johane 14:1 - 3.



91

Mathewu 6:10
Lomthandazo uJesu awufundisa abafundi baKhe uthi: Mawufike umbuso waKho. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni njengasezulwini.
Mathewu 6:10
Lapha sibona ukuthi uJesu uthandazela ukubuyiselwa kwazo zonke izinto.


92

Ake sibuke ngokujulile lomuzi omangalisayo owabonwa nguJohane esesiqhingini sasePhathimo. Kubonakala sengathi umprofethi wayengenawo namazwi okuchaza ubuhle boMuzi oNgcwele.
Lithi iBhayibheli:



93

1 Korinte 2:9
"...Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yamuntu



94

uNkulunkulu akulungisela abamthandayo.
1 KwabaseKorinte 2:9.
Kodwa ake ume kancane.
Abantu abaningi abayifundi indimana elandelayo, ethi:



95

1 Korinte 2:10
Ngokuba kithina uNkulunkulu ukwambulile ngoMoya...

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



96

Uyabona, uNkulunkulu uzambulile lezo zinto ngoMoya oNgcwele kubaprofethi abasibhalela zona.
Futhi ngaphandle kokungabaza, kusasele okuningi esingakezwa ngakho!



97

Bangane, kwakunjalo ngoJohane no Isaya nabo bonke abaprofethi.
Konke kuyiqiniso - kanti okuningi asikezwa ngakho!




98

(Video: 11 sec) UJohane wathi wabona izulu elisha nomhlaba omusha, nolwandle lwalungasekho.
Wase ebona umuzi ongcwele wehla uvela ezulwini.
Useyasitshela konke ngalomuzi:





99

Isambulo 21:1 - 3, 11, 17, 21
Ngabona izulu elisha nomhlaba omusha, ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile. Nolwandle alusekho. Isambulo 21:1.





100

Ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema elisha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu, ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe.
Isambulo 21:2




101

Ngase ngizwa izwi elikhulu livela esihlalweni sobukhosi, lithi; Bheka itabernakele likaNkulunkulu likubantu,




102

uyakuhlala nabo, babe ngabantu baKhe, Yena uNkulunkulu abe nabo. Isambulo 21:3.




103


...Ukukhanya kwawo kwakunjengetshe elinenani elikhulu sengathi yitshe lejaspi, elicwebezelayo.
Isambulo 21:11.

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



104

**Walinganisa ugange lwawo, izingalo eziyikhulu namashumi amane nane [66 meters]... indimana ka 17.**



105

**Amasango ayishumi nambili ayengamaparele ayishumi nambili.**
**Kanti kukhona amaparele! (indimana 21).**




106

**Isambulo 21:12, 21. 23**
**...unogange olukhulu noluphakemeyo...kulotshwe kuwo amagama angawezizwe eziyishumi nambili abantwana bakwaIsrayeli. (indimana 12)**



107

**Isitaladi somuzi sasiyigolide elicwengekileyo, linjengengilazi ekhanyayo. (indimana 21).**



108

**Umuzi awudingi ilanga nenyanga ukuba kukhanye kuwo, ngokuba inkazimulo kaNkulunkulu iyawukhanyisa, nesibani sawo siyiWundlu. (indimana 23).**



109

**Isambulo 22:1, 2. 5**
**...umfula wamanzi okuphila ucwebezela njengekristalu, uvela esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu neseWundlu.**



110

**...Emaceleni omabili kukhona umuthi wokuphila, uthela izithelo eziyishumi nambili, uthela izithelo zawo izinyanga ngezinyanga...**



111

**Ubusuku abusayikuba khona ...Isambulo 22:5.**
**Isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu neWundlu siyokuba endlunkulu - iJerusalema eliSha.**

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!




112

**Isambulo 22:3.**
**Akusayikuba khona nokukodwa ukuqalekisa. Isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu neseWundlu siyakuba kuwo...Isambulo 22:3.**
**Kanti esinye sezipho ezimangalisa kakhulu sitholakala kwiSambulo 21:4:**





113

**Isambulo 21:4**
**Azesule izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikuba khona; nokudabuka,**





114

**nokukhala, nobuhlungu, ngokuba okokuqala kudlulile. Isambulo 21:4.**
**Mhlawumbe uyazibuza ukuthi ungakanani wona lomuzi oNgcwele:**





115

**UJohane unikeza imininingwane eshaya khona, maqondana nobukhulu balomuzi: Umuzi umi unezinhlangothi ezine; nobude bawo bungangobubanzi bawo.**




116

**Walinganisa (ingelosi) umuzi ngohlanga, amastadiyo ayizinkulungwane eziyishumi nambili.**
**Isambulo 21:16.**




117

**Istadiyu siyinxenye yesihlanu yekhilomitha. Amastadiyo angu 12 000 angalinganiswa namakhilomitha angu 2 400.**



118

**Idolobha lase Tokyo linabantu abangaba yizigidi ezingu 35 abahlala kulo.**

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



119

Elase New York lakhoselise abantu abayizigidi ezingu 20.


120

I Seoul neMexico City nawo lamadolobha anezigidi ezibalelwa ku 20 lilinye.



121

Esinye isazi sezibalo sake salinganisa ukuthi iJerusalema eliSha lingase likhoselise abantu abangu 2 billion!



122


(Video: 15 sec) Akukho bugebengu, nakugula, nandlala, nazifo - ukuthula nokuzwana kuze kube phakade!
Kubonakala sengathi kuningi esiyokwenza: Ukwakha izindlu zethu ezinhle zasemaphandleni, silime emasimini ethu.


123

UJesu, uMdali, uyobe ekhona lapho ukusivulela izimfihlo zendalo.
Siyofunda okusha njalo.
Siyokwazi ukuvakasha noma nini uma sifuna.


124

Siyokuba nesikhathi nabangane bethu nabathandiweyo bethu.
ISabatha ngalinye siyobe sidumisa uNkulunkulu, sicula nezingelosi noJesu, okuyobe kuyisikhathi sethu esikhethekile sokuba neNkosi.
Ungabuza ukuthi: Singaqiniseka kanjani ukuthi siyokuba khona lapho?
Impendulo ilula.
IBhayibheli, isikelemu-khiye sethu, lithi:



125

KwabaseGalathiya 3:29.
Kepha uma ningabakaKristu, seniyinzalo ka Abrahama, nezindlalifa ngokwesithembiso.
KwabaseGalathiya 3:29.

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!


126

Ngamanye amazwi, uma wamukela uJesu njengoMsindisi wakho, lesithembiso uNkulunkulu asenza kuAbrahama esakho nawe.
Njengoba sifunda iBhayibheli, kuyathathekisa ukuthi




127

izahluko zokuqala ezintathu zikhuluma ngendlela uNkulunkulu adala ngayo umhlaba nekhaya laseparadisi lika Adamu no Eva.
Kodwa uAdamu noEva balahlekelwa yikho konke.



128

Izahluko ezintathu zokugcina zeBhayibheli zisembulela icebo likaNkulunkulu lokubuyisela lokho okwaphunyuka kuAdamu noEva - ikusasa elihle lapho amaphupho ethu eyogcwaliseka khona!


129

Eminyakeni eminingi eyadlula, umkhumbi owawuthwele izimvu waduka enkungwini olwandle iNorth Sea. Izinsuku ezintathu wawuya ngapha nangapha. Izimvu phakathi azivumanga ukudla utshani obabe sebubudala.
Zaya nganxanye emkhunjini, zakhala ngendlela yazo. Zaqhubeka zenza o Be! be! be! Abasebenzi emkhunjini bamangala ukuthi zikwenziswa yini lokhu. Kungekudala, yahwamuka inkungu. Umkhumbi wawususeduze nasogwini lwase Scotland. Izimvu zazinukelwa utshani obabusanda kusikwa emadlelweni ase Scotland. Azivumanga ukudla lobo obudala ezaziphiwa bona emkhunjini.



130

(Video: 7 sec) Uma sizwa iphunga lezulu, sihlela kabusha amacebo ethu. Uma sizwa iphunga lokwaphakade, konke okunye kuvele kuhleleke ngononina. Silangazelele elinye izwe. Sifuna ukuba sogwini lwelizwe laphakade. Ulilangazelele izulu na? Uyafuna ukuba khona?
Ngabe yisifiso sakho ukuhlala noKristu kuze kube phakade na? Uyafuna yini ukuthi Yebo Nkosi, ngiyafuna ukuba Nawe. Ngilangazelela ukuba Nawe kuze kube phakade naphakade?

# 25 - Okuhle Kakhulu Kuseza!



131

**Isambulo 22:17.**
**UNkulunkulu uyakumema uthi: UMoya nomlobokazi bathi: Woza.**
**Isambulo 22:17.**


132

**Musa ukuyiziba lendaba!**
**Ungaba yinxenye yekusasa elihle likaNkulunkulu.**
**Mvumele angene enhliziyweni yaKho, izulu lizokuba yikhaya lakho!**